(2) Kumele kulandelwe le nenqubo elandelayo ngenkathi kuqhutshwa isivivinyo esikhululekile sokushova ngokushesha:

(a) umnikazi noma umshayeli wemoto kumele ayisuse imoto , ayibeke egiyeni elingagaxekile futhi esebenzisa ikilashi uma eyalelwa ukwenze njalo yisisebenzi esigunyaziwe;

(b) ngenkathi imoto iduma kancane ingekho egiyeni, isisebenzi esigunyaziwe kudingeka sihlole ngokubheka ngamehlo ukuphuma kwentuthu yemoto;

(c) umnikazi noma umshayeli wemoto kumele ehlise kancane kancane emzuzanweni owodwa isishovo semoto, uma eyalelwe ukwenze njalo isisebezi esigunyaziwe, ngaphandle uma isisebenzi esigunyaziwe singakwenza sona lokho uma umnikazi noma umshayeli wemoto ehluleka noma enqaba ukuhambisana nemiyalelo efaneleyo;

(d) isisebenzi esigunyaziwe kudingeka sikale intuthu ephumayo ngesikhathi isishovo sokwenyusa uphethroli oya enjinini sehlisiwe ngokohlelo lokuphuma kwentuthu yemoto ukuze kuqondakale ukuthi kungabe yintuthu emnyama yini noma cha; futhi

(e) umnikazi noma umshayeli wemoto angadedela isishovo sokwenyusa uphethroli wemoto oya enjinini uma injini ifinyelela ejubaneni elingujuqu, noma uma eyalelwe ukwenze njalo yisisebenzi esigunyaziwe.

(3) Uma emva kokuthi sekwenziwe ukuvivinywa okukhululekile kokushova ngokushesha, isisebenzi esigunyaziwe sesigculisekile ukuthi imoto -

(a) ayikhiphi intuthu emnyama, kumele isisebenzi esigunyaziwe sikhiphe isitifiketi esikhombisa ukuthi leyo ayishayelwa noma ayisetshenziswa ngokuphula isigaba 18, sisinike umnikazi; kumbe

(b) ikhipha intuthu emnyama, kumele isisebenzi esigunyaziwe sikhiphe isaziso sokuthi kukhandwe imoto ngokuhambisana nesigaba 21.

21. Isaziso sokukhanda

(1) Isaziso sokukhanda kumele siyalele umnikazi wemoto ukuthi akhande imoto esikhathini esibaluliwe, futhi athathe imoto ayiyise endaweni ehlonzwe esazisweni ukuze iphinde ivivinywe ngaphambi kokuphela kwaleso sikhathi.

(2) Isaziso sokukhanda kudingeka siqukathe *phakathi kwezinye izinto* ulwazi olulandelayo:

(a) Uhlobo,lwemoto kanye nenamba ekurejistwe ngayo imoto;

(b) Igama, Ikheli kanye nenombolo kamazisi walowo oshayela imoto; futhi

(c) Uma umshayeli kungesiyena umnikazi wemoto, kudingeka igama kanye nekheli lomnikazi wemoto.

(3) Umuntu wephula umthetho uma ehluleka ukuhambisana nesaziso esibalulwe esigatshaneni (1).

ISAHLUKO 10
IZIHLINZEKO EZIJWAYELEKILE

22. Amacala

Uyobekwa icala lokwephula umthetho umuntu owephula nanoma yiyiphi inhlinzeko yale mithetho kaMasipala futhi kuyothi lapho elahlwa icala akhokhe inhlawulo engadlulile ezi- R20 000 noma abhadle ejele isikhathi esingadlulile eminyakeni emibili.

23. Ukuphikisana kweMithetho kaMasipala

Uma kukhona ukuphikisana phakathi kwale Mithetho kaMasipala neminye iMithetho yoMkhandlu, le Mithetho kaMasipala iyona eyosetshenziswa.

No. 109 **1 kuLwezi 2010**

UMkhandlu Kamasipala wase-Richmond, osebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, sifundwa ngokuhlanganyelwa nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo Zikamasipala, wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), lapha ushicilela iMithetho yawo Yezindawo Zokupaka.

IMITHETHO KAMASIPALA YEZINDAWO ZOKUPAKA

1. Izincazelo

Kule mithetho kamasipala, nanoma yiliphi igama noma isisho esichazwe eMthethweni Kazwelonke Wezemigwaqo (uMthetho No. 93 we- 1996) sinaleyo ncazelo, ngaphandle uma indikimba ikhomba okunye-

" **isikhulu esigunyaziwe"** kusho isikhulu esiqokiwe esigunyazwe nguMkhandlu njengoba kuningwe esigabeni 23 salowo Mthetho ngezinjongo zale Mithetho Kamasipala ukwenza nokusebenzisa nanoma yimiphi imisebenzi namandla okubalulwe lapha, futhi kuya ngezihlinzekelo zaleso Sahluko kanye nezihlinzekelo zanoma yimuphi omunye umthetho;

" umkhandlu" kusho uMasipala waseRichmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo masipala noma iKomidi Elilawulayo kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenzisa ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kanjalo nanom a yisiphi isikhulu esinikezwe nguMkhandlu amandla nomsebenzi maqondana nale mithetho kamasipala;

" indawo yokupaka yesikhashana" kusho indawo edwetshwe yahlukaniselwa imoto ukuba ipake ngokwale Mithetho Kamasipala, edwetshwe kwingaphezulu lenkundla yokupaka kumbe kwiphansi layo;

"inkundla yokupaka" kusho nanoma iyiphi ingxenye yomhlaba noma yasiphi isakhiwo ebekwe eceleni nguMkhandlu njengenkundla yokupaka noma igaraji lokupakisa izimoto zamalungu omphakathi, noma ngabe akukho mali enqunyiwe ezokhokhelwa ukuyisebenzisa;

"inkundla yokupaka enemitha lokupaka" kusho inkundla yokupaka kumbe nanoma iyiphi ingxenye yayo lapho ukupaka kulawulwa ngamamitha okupaka;

"imitha lokupaka" kusho umshini wokubhalisa ubuye urekhode ngokubonakalayo ubude besikhathi ngokuhambelana nokufakwa kohlamvu lwemali noma enye indlela yokukhokha enqunywe nguMkhandlu futhi kubandakanya nanoma yisiphi isigxobo noma into emile oxhonywe kuso;

"isikhathi sokupaka" kusho leso sikhathi kubandakanya isikhathi esivela emitheni lokupaka nganoma yiluphi usuku olulodwa ngesikhathi izimoto ezivunyelwe ngaso ukupaka enkundleni yokupaka noma endaweni yokupaka yesikhashana kumbe njengoba kukhonjiswe ngophawu lomgwaqo;

"umshini wokukhokha ukhombise" kusho umshini ofakwe endaweni yokupaka lapho ukhokha ukhopmbise khona okudayiswa kuwo amathikithi okuvezwe kuwo lokhu okulandelayo:

(a) usuku noma usuku lokukhishwa kwethikithi;
(b) isamba semali ekhokhelwe ithikithi;
(c) isikhathi sokusuka; kanye
(d) nenombolo eyinkomba yomshini;

"indawo yokupaka okhokha ukhombise kuyo" kusho indawo yokupaka, noma enye ingxenye yayo lapho uMkhandlu uchome khona isaziso ekungeneni kwalapho esikhombisa ukuthi leyo ndawo yokupaka noma eyingxenye yayo iyindawo yokupaka okumele ukhokhe bese uyakhombisa;

"ephawundeni" kusho nanoma iyiphi indawo ebekwe eceleni nguMkhandlu ukuze kugcinwe kuyo izimoto ezisuswe enkundleni yokupaka ngokwale Mithetho kamasipala;

"imali enqunyiwe" kusho imali enqunywa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi ezinhlawulweni zentela yoMkhandlu.

2. Izimali zokupaka

Nanoma ngubani osebenzisa inkundls yokupaka noma indawo yokupaka isikhashana kumele akhokhe imali enqunyiwe.

ISAHLUKO 1

INDAWO YOKUPAKA ELAWULWA NGAMATHIKITHI

3. Imibadela yokupaka endaweni yokupaka elawulwa ngamathikithi

(1) Akukho muntu oyopaka imoto noma enze kumbe avumele ukuba kupakwe imoto kumbe avumele ukuba ishiywe endaweni yokupaka , lapho ukupaka kulawulwa ngokukhishwa kwamathikithi-

(a) ngaphandle endaweni yokupaka isikhashana futhi kuhambisana naleyo miyalelo njengoba inganikezwa yisikhulu esigunyaziwe noma lapho ingekho indawo emakiwe, ngaphandle kwasendaweni ekhonjwe yisikhulu sigunyaziwe;

(b) emva kokuba isikhulu esigunyaziwe sesimazisile umuntu ukuthi indawo yokupaka isigcwele; noma

(c) emva kokuphela kwesikhathi sokupaka.

(2) (a) Akukho muntu ongasusa noma enze kumbe avumele ukususwa kwanoma iyiphi imoto endaweni yokupaka ngaphandle uma-

(i) lowo muntu evezele isikhulu esugunyaziwe ithikithi elimgunyaza ukuthi apake endaweni yokupaka futhi elakhishelwa lowo muntu ngesikhathi engena noma ephuma endaweni yokupaka; futhi

(ii) lowo muntu eyikhokhile imali enqunyiwe esikhulwini esigunyaziwe;

futhi uma umuntu ehluleka ukuveza ithikithi elimgunyaza ukupaka kuleyo ndawo, kuyothathwa ngokuthi lowo muntu kade evele eyipakile imoto kusuka ngesikhathi esinqunyiwe kuze kube ufuna ukususa imoto futhi uyohlawuliswa ngokufanele.

(b) (i) Akukho muntu ongasusa noma enze kumbe avumele ukususwa kwanoma iyiphi imoto epakwe endaweni yokupaka emva kokuhluleka ukuveza ithikithi, lowo muntu kumele aveze obunye ubufakazi ukuze kwaneliseke isikhulu esigunyaziwe, ukuze athole ilungelo lokususa leyo moto,

(ii) Isikhulu esigunyaziwe kumele sitshele umuntu okukhulunywe ngaye esigatshananeni (i) ukuba agcwalise futhi asayine lelo fomu lokuzibophezela njengoba kunqunywe nguMkhandlu, eliyoqala ukusebenza ukuvimbela uMkhandlu icaleni lezikhalo zanoma esiphi isimo, sanoma yimuphi umuntu ezimaqondana nokususwa kwemoto ethile.

(iii) Isikhulu esigunyaziwe singatshela lowo muntu ukuba anikeze isibambiso esithile njengoba kunqunywe nguMkhandlu.

(3) Izihlinzekelo zesigatshana (2) (a) azisebenzi lapho izimali ezinqunyiwe zikhokhwa ekungeneni endaweni yokupaka futhi umuntu okhokhe leyo mali eveza ithikithi elidingekayo esikhulwini esigunyaziwe uma silidinga.

(4) Lapho imoto ingasuswanga endaweni yokupaka uma sekuphele isikhathi sokupaka, enye inhlawulo njengoba kunqunyiwe iyokhokhelwa esinye isikhathi sokupaka esilandelayo.

4. Izindawo zokupaka ezinemishini

(1) Lapho ukupakwa kwemoto ngokuphelele noma okwesikhashana ngokusebenzisa umshini endaweni yokupaka, isikhulu esigunyaziwe singanikeza lowo umuntu ofuna ukupaka endaweni yokupaka ithikithi ngokwemibandela uMkhandlu ogunyaza ngayo ukupakwa kwaleyo moto endaweni yokupaka, uma izindawo zokupaka isikhashana zikhona, njengoba uMkhandlu ugunyaza ukupakwa kwaleyo moto kuleyo ndawo yokupaka.

(2) Akukho moto epakwe endaweni yokupaka okukhulunywe ngayo esigatshaneni (1) engasuswa nanoma ngubani ngaphandle-

(a) kokukhokhwa kwemali enqunyiwe esikhulwini esigunyaziwe; futhi

(b) kokuthi lowo muntu avezele isikhulu esigunyaziwe ithikithi alinikeziwe ngokwesigatshana (1) noma, ukwehluleka ukuveza lelo thikithi kuzoholela ekusebenzeni kwezihlinzekelo zesigaba 3 (2) (b) nezinguquko ezifanelekile.

(3) Akukho muntu owenze ukuba imoto ipakwe endaweni yokupaka okukhulunywe ngayo esigatshaneni (1) ongavumela ukuba ishiywe lapho emva kokuphela kwesikhathi sokupaka.

5. Amathikithi enyanga

(1) Ngale kwanoma yini ephambene nokuqukethwe kule Mithetho Kamasipala, maqondana nanoma iyiphi indawo yokupaka elawulwa ngukukhishwa kwamathikithi, uMkhandlu ungakhipha ithikithi lemali enqunyiwe elinikeza umnikazi imvume yesikhathi esiyinyanga eyodwa noma isikhathi esingphansi kunaleso esibekiwe, yokupaka imoto kuleyo nkundla ngezikhathi ezibekiwe ethikithini, uma zikhona izindawo zokupaka isikhashana.

(2) UMkhandlu unganikeza nanoma yisiphi isikhulu sawo ithikithi eligunyaza umnikazi walo, ukuthi uma esebenzisa imoto enza umsebenzi woMkhandlu, ayipake endaweni yokupaka ebaluliwe, uma sikhona isikhala endaweni yokupaka.

(3) Ithikithi elikhishwe ngokwesigatshana (1) noma (2) angeke ladluliselwa komunye umuntu noma lisetshenziselwe nanoma iyiphi enye imoto ngaphandle kwale ebaluliwe, ngale kokuthola imvume ebhalwe nguMkhandlu kuqala.

(4) Ithikithi elikhishwe ngokwesigatshana (1) noma (2) kumele linanyathiselwe ngumnikazi emotweni elikhishelwe yona ngaleyo ndlela thize futhi kubekwe lokho okubhaliwe noma umbhalo wethikithi ufundeke ungaphandle kwemoto.

6. *Izimoto ezinobukhulu obeqile*

Ngaphandle uma uphawu lomgwaqo olubekwe ekungeneni kuleyo ndawo yokupaka lukhombisa okunye, ayikho imoto kanye nanoma yimuphi umthwalo, oweqa amamitha ama-5 ubude engapakwa endaweni yokupaka.

ISAHLUKO 2
IZINKUNDLA ZOKUPAKA EZINAMAMITHA OKUPAKA

7. Indawo yokupaka

Akukho muntu ongapaka noma ongenza kumbe avumele ukuthi kupakwe nanoma iyiphi imoto noma ayishiye yokupaka enemitha lokupaka ngale kwendawo yokupaka isikhashana.

8. Imibandela yokupaka

(1) Akukho muntu ongapaka imoto noma enze nanoma iyiphi imoto ukuba ipakwe endaweni yokupaka isikhashana ngaphandle kokuba efake uhlamvu lwemali noma enye into enqunyelwe ukusetshenziswa khona lapho-

(a) emitheni elabelwe leyo ndawo yokupaka isikhashana, noma

(b) uma imitha lilawula izindawo zokupaka isikhashana ezingaphezu kweyodwa, emitheni elilawula lezo zindawo zokupaka isikhashana njengoba kukhonjiswe ngomaka noma ngezimpawu emgwaqweni noma onqenqemeni;

bese lelo mitha lenziwa lisebenze ngokuhambisana nemiyalelo evela kulona ukuze imibhalo yemitha futhi ikhombise ngokuqgamile isikhathi sokupaka esilingana nohlamvu lwemali olufakiwe noma enye into enqunyelwe ukusetshenziswa.

Inqobo nje uma-

(i) kuya ngokwesigatshana (4), umuntu ngale kokukhokha, angapaka imoto endaweni yokupaka isikhashana engenalutho engxenyeni ethile yanoma yisiphi isikhathi njengoba kungakhombisa imitha lokupaka ukuthi asikapheli isikhathi, futhi

(ii) lapho umuntu ethola ukuthi imitha lokupaka kunoma iyiphi indawo yokupaka isikhashana alisebenzi kahle, kumele, ngokwesigatshana (5) abe nelungelo lokushiya imoto kuleyo ndawo engalufakanga uhlamvu lwemali noma enye into enqunyelwe ukusetshenziswa.

(2) Ukufakwa kohlamvu lwemali noma enye into enqunyelwe ukusetshenziswa emitheni lokupaka kuyogunyaza umuntu olufakile ukuba apake imoto endaweni yokupaka isikhashana efanele isikhathi esihambisana nemali ekhokhiwe.

(3) Isikhathi imoto engapakwa ngaso endaweni yokupaka isikhashana kanye nohlamvu lwemali noma enye into enqunyelwe ukusetshenziswa ukuba ifakwe ngaleso sikhathi emitheni lokupaka elimiselwe leyo ndawo yokupaka, kumele ihambisane nenhlawulo njengoba inqunyiwe kanye nezikhathi nohlamvu lwemali noma enye into enqunyelwe ukusetshenziswa ukuba lufakwe, kumele zikhathi zonke ikhonjiswe ngokucacile emitheni lokupaka uqobo.

(4) Kuya ngokwezihlinzekelo zesigatshana (5) akukho muntu ongashiya imoto endaweni yokupaka isikhashana emva kokuphela kwesikhathi sokupaka noma eyifakile kumbe engayifakanga imali njengoba kukhonjisiwe emitheni lokupaka kumbe ongabuyisela imoto kuleyo ndawo yokupaka isikhashana emizuzwini eyishumi nesihlanu siphelile isikhathi sokupaka noma ongaphazamisa ukusetshenziswa kwaleyo ndawo yokupaka isikhashana ngomunye umuntu.

(5) Uma uMkhandlu endaweni yokupaka isikhashana ukhombisa uphawu oluveza isikhathi sokugcina sokuqhubeka nokupaka esehlukile kuleso esibalulwe yimitha lokupaka, nanoma ngubani angapaka imoto kuleyo ndawo yokupaka isikhashana ngokwezihlinzekelo zezigatshana (1) no (3) isikhathi esinqunyiwe kumbe nanoma yisiphi isikhathi esingaphansi kwaleso kodwa akukho muntu ongapaka imoto isikhathi eseqile kwesinqunyiwe.

9. Amacala aqondene namamitha okupaka

Akukho muntu -

(a) ongafaka kumbe azame ukufaka uhlamvu lwemali noma enye into emitheni lokupaka ngaphandle

(i) kohlamvu lwemali yaseNingizimu – Afrika njengoba kunqunyiwe;

(ii) kwento enqunyelwe ukusetshenziswa njengenye indlela yokukhokha

(b) ongafaka kumbe azame ukufaka emitheni lokupaka nanoma yiluphi uhlamvu lwemali mbumbulu noma lwento enqunyelwe ukusetshenziswa kumbe enye into yakwamanye amazwe;

(c) ongaphazamisa, alimaze, onakalise noma asithe imitha lokupaka;

(d) nanganoma iyiphi indlela ongenza noma azame ukwenza ukuthi imitha lokupaka lirekhode ubude besikhathi esingeyiso esihambisana nohlamvu lwemali olufakiwe noma enye into enqunyelwe ukusetshenziswa;

(e) ongahluthula, ashaye, axukuze noma alimaze imitha lokupaka elingasebenzi kahle kumbe elingasebenzi nhlobo ngenhloso yokulenza lisebenze kumbe nganoma iyiphi enye inhloso;

(f) ongasusa noma azame ukususa kumbe ukusitha imitha lokupaka noma enye ingxenye yalo esigxotsheni noma entweni esixhunywe kuyo.

10. Ubufakazi besikhathi

Ubungako besikhathi njengoba burekhodwe yimitha lokupaka kungokwenhloso yale Mithetho Kamasipala futhi kunoma yini eyenzeka ngenxa yokuqiniswa kwale Mithetho Kamasipala, iyothathwa njengeyiqiniso futhi inobufakazi besikahthi leyo moto esisipake endaweni yokupaka isikhashana.

ISAHLUKO 3

IZINDAWO ZOKUPAKA OKHOKHA UKHOMBISE KUZO

11. Ukupaka

(1) Akukho muntu ongapaka noma enze noma avumele nanoma iyiphi imoto ukuba ipakwe noma ashiye imoto endaweni yokukhokha neyokukhangisa ngaphandle uma esanda kungena kuleyo ndawo –

(a) ethenga ithikithi elikhishwa ngumshini wokukhokha nowokukhangisa kuleyo ndawo yokupaka ngokuhambisana nemiyalelo ekhonjiswe lapho, noma ebangeni elingekude ngemitha eli-1,5 kulowo mshini, futhi

(b) ekhombisa lelo thikithi ngokulinamathisela ngaphakathi ohlangothini lomshayeli kuwindiskrini yemoto ngandlela thize futhi abeke lolo lwazi olubhalwe ethikithini eduze komshini wokukhokha nowokukhangisa olufundeka ngokugqamile ungaphandle kwemoto.

(2) (a) Isikhathi imoto engapakwa ngaso endaweni yokukhokha neyokukhangisa kanye nohlamvu lwemali noma enye into enqunyelwe ukusetshenziswa okumele ifakwe ngesikhathi esithile emshinini wokukhokha nowokukhangisa, kumele kukhonjiswe kulowo mshini.

(b) Akekho umuntu okumele ashiye imoto endaweni yokukhokha neyokukhangisa emva kokuphelelwa yisikhathi sokuyisusa esikhonjiswe ethikithini.

12. Amacala maqondana nemishini okhokha ukhombise kuyo

Akukho muntu –

(a) oyofaka noma azame ukufaka uhlamvu lwemali noma imali mbumbulu kumbe enye into enqunyelwe ukusetshenziswa okungeyona ngale kohlamvu lwemali lwaseNingizimu Afrika kumbe enye into enqunyelwe ukusetshenziswa emshinini wokukhokha ukhombise;

(b) oyohluthula, ashaye, axukuze noma alimaze nganoma iyiphi indlela noma adwebe umshini wokukhokha ukhombise;

(c)

(d) oyosusa noma azame ukususa umshini wokukhokha ukhombise noma nanoma iyiphi ingxenye yawo lapho ugxunyekwe khona.

13. Ubufakazi bosuku nesikhathi sokusuka

Usuku kanye isikhathi sokusuka njengoba kurekhodwe ngumshini wokukhokha ukhombise kuthathwa kuwona ngaphambili njengobufakazi obuyibo bosuku kanye nesikhathi ngaphandle uma kunobufakazi bokuphambana okukhona.

ISAHLUKO 4

OKUNGXUBE

14. Ukuvalwa kwezindawo zokupaka

Ngale kwanoma yini ephambene nokuqukethwe kule Mithetho Kamasipala, uMkhandlu ungavala nganoma yisiphi isikhathi nanoma iyiphi indawo yokupaka noma ingxenye yayo okwesikhashana noma unomphelo futhi kumele ukhombise imbangela nesikhathi salokho kuvalwa ngophawu lomgwaqo olubekwe ekungeneni kwendawo evaliwe noma engxenyeni evaliwe, kuye ngokuthi ikuphi.

15. Izimoto eziphukile defective

Akukho muntu ongapaka noma enze kumbe avumele ukuba kupakwe noma kushiywe nanoma iyiphi imoto ephukile edinga ukukhandwa kunoma iyiphi indawo yokupaka noma nganoma isiphi esinye isizathu sokwahluleka ukuyisusa kodwa alikho icala uma imoto kuthe emva kokuba ipakiwe endaweni yokupaka, yaqala ukukhombisa izimpawi zokuphuka ezenza ingasakwazi ukuhamba futhi umuntu ohamba ngayo ebuveza ubufakazi balokho noma ethatha izinyathelo ezifanele ukuthi ikhandwe noma isuswe ngesikhathi esifanele.

16. Ukupakwa kwemoto endaweni yokupaka

Akukho muntu ongapaka noma enze kumbe avumele nanoma iyiphi imoto engesiyo echazwe eMthethweni KaZwelonke Wezemigwaqo, we- 1996 (uMthetho No. 93 we- 1996) ukuba ipakwe noma ishiywe kunoma iyiphi indawo yokupaka.

17. Ukuwashwa nokukhandwa kwemoto

Akukho muntu ongahlanza, awashe, asebenze kumbe akhande imoto elimele ngaphandle kukhandwa into encane futhi iphuthuma kunoma iyiphi imoto kumbe enye ingxenye yayo, kunoma iyiphi indawo yokupaka ngaphandle kokuthola imvume ebhaliwe eMkhandlwini kuqala.

18. Ukupaka ngokulandela umyalelo

Akukho muntu ongapala imoto kunoma iliphi ipaki eliyindawo yokupaka ngaphandle kokuhambisana nomyalelo awunikezwa yisikhulu esigunyaziwe noma afake kumbe akhiphe imoto ngale kwendawo yokungena noma yokuphuma ehlukaniselwe ukwenza lokho.

19. Ukuganga ngezimoto

(1) Akukho muntu kunoma iyiphi indawo yokupaka ngaphandle kwesizathu esizwakalayo noma ngaphandle kolwazi nemvume yomnikazi noma umuntu onemvume ngokomthetho yokulawula imoto, oyongena kumbe agibele phezu kwaleyo moto noma ayidumise ngenhloso yokuyihambisa kumbe nanganoma iyiphi indlela agange noma athikameze izinsimbi zayo noma iyiphi enye ingxenye yayo noma izinto eyakhiwe ngazo, ezifakwe kuyo; noma okungaphakathi.

(2) Akukho muntu kunoma iyiphi indawo yokupaka -

(a) oyopaka nanoma iyiphi imoto kuthi nanoma iyiphi ingxenye yayo igamanxela kunoma yimuphi umugqa omhlophe owakhe umngcele wendawo yokupaka isikhashana kumbe ingekho ngaphakathi kwemingcele yaleyo ndawo yokupaka isikhashana

(b) oyokwenza nanoma yini noma alethe nanoma yini ethikamezayo noma engahle ithikameze ukuhamba kwabantu nezimoto;

(c) ngenhloso yokukhwabanisela uMkhandlu, oyozama ukwenza okufana, alinganise, one, alimaze, aguqule noma enze nanoma yimiphi umaka ethikithini elokhishwe ngokwale Mithetho Kamasipala.

(3) Akukho muntu ongapaka imoto noma enze kumbe avumele ukuba ipakwe kunoma iyiphi indawo yokupaka ngaphambi kwesikhathi noma emva kokuphela kwesikhathi sokupaka esinqunyelwe leyo ndawo yokupaka ngaphandle uma lowo muntu engumnikazi wethikithi elikhishwe ngokwale Mithetho Kamasipala elimgunyaza ukwenza lokho.

20. Abantu abangavunyelwe ukuba sendaweni yokupaka

Akukho muntu ongangena noma abe sendaweni yokupaka ngaphandle kwenhloso yokupaka imoto lapho noma yokuyisusa lapho ngokusemthethweni ngaphandle uma egunyazwe nguMkhandlu.

21. Izimoto ezishiywe zodwa

(1) Nanoma iyiphi imoto eshiywe endaweni eyodwa endaweni yokupaka isikhathi esiyizinsuku ezingaphezu kweziyisi- 7 zilandelana kumele ngaphandle uma igunyazwe nguMkhandlu isuswe ngokushesha yisikhulu esigunyaziwe njengoba kuchazwe eMthethweni KaZwelonke Wezemigwaqo, iyobekwa ephawundeni.

(2) UMkhandlu kumele uthathe zonke izinyathelo ezifanele ukulandela umkhondo womnikazi wemoto esuswe ngokwesigatshana (1) futhi, emva

kokuphela kwezinsuku ezingama-90 kusuka osukwini lokususwa kwayo, umnikazi noma umuntu engaphansi kwakhe engatholakali, imoto ingadayiswa nguMkhandlu endalini yomphakathi ngokwezihlinzekelo zesigatshana (3).

(3) Izinsuku eziyi-14 ngaphambi kwesaziso sendali ezoba khona ngokwesigatshana (2) kumele sishicilelwe okungenani emaphephandabeni amabili atholakala endaweni engaphansi kukamasipala woMkhandlu kodwa indali angeke iqhubeke uma kuzothi nganoma yisiphi isikhathi ngaphambi kokuba imoto idayiswe; afike umnikazi kumbe nanoma ngubani ogunyazwe ngumnikazi noma onelungelo ngokomthetho azoyifuna futhi kuthi zonke izimali okumele zikhokhwe ezinqunyiwe ngokwale Mithetho Kamasipala kanye nazo zonke izindleko okukhulunywe ngazo esigatshaneni (4) zikhokhwe eMkhandlwini.

(4) Imali etholakale endalini ezokwenziwa ngokwalesi sigaba kumele isetshenziswe kuqala ukukhokha imali okukhulkunywe ngayo esigatshaneni (3) bese kukhokhelwe lokhu okulandelayo-

(a) izindleko ezidaleke ngokuzama ukulandela umkhondo womnikazi ngokwesigatshana (2);

(b) izindleko zokususwa kwemoto, ukushicilela emaphephandabeni amabili (2), kanye nokwenza indali yemoto;

(c) izindleko zokugcina imoto ephawundeni okumele zibalwe ngesilinganiso sezinga esinqunyiwe,

futhi nanoma iyiphi imali esalayo kumele ikhokhelwe umnikazi wemoto kkumbe nanoma ngubani onelungelo ngokomthetho lokuyithola uma lowo muntu eveza ubufakazi belungelo lakhe ngendlela ezogculisa uMkhandlu futhi uma kungekho sibizo esenziwayo esikhathini esingunyaka kusukela osukwini lwendali, imali esalile iyogcina eMkhandlwini.

22. Ukwenqatshelwa ukungena

Isikhulu esigunyaziwe singenqaba ukwamukela endaweni yokupaka imoto okungenzeka ukuthi ukweluleka, ububanzi noma ubude bayo bungadala ukulimala kubantu noma esakhiweni kumbe buphazamise.

23. Ukukhululwa kukadokotela owelaphayo

Udokotela owelaphayo uyakhululwa ekukhokheni imali enqunyiwe, ngesikahthi imoto ayisebenzisayo ipakwe ukuze akwazi ukwenza umsebenzi awufundele kunoma iyiphi indawo engesilo igumbi lokuhlolela kumbe indawo efana nalo futhi uma ifomu noma uphawu olukhishwa nguMkhandlu Wezokwelapha waseNingizimu-Afrika ngaleyo nhloso luveziwe ewindini elikhulu langaphambili lemoto ethintekayo ngendlela egqamile.

24. Amacala nezinhlawulo

Nanoma ngubani-

(a) owephula umthetho noma ohluleka ukuhambisana nanoma yiziphi izimiselo zale Mithetho kamasipala;

(b) ohluleka ukuhambisana nanoma yisiphi isaziso esikhishwe ngokwale Mithetho Kamasipala, noma

(c) ohluleka ukuhambisana nanoma yimuphi umyalelo wangokomthetho onikezwe ngokwale Mithetho Kamasipala; noma

(d) othikameza kumbe ophazamisa nanoma ngubani ogunyazwe ukumela noma isisebenzi soMkhandlu ekwenzeni imisebenzi yakhe ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala,

uyotholwa enecala lokwaphula umthetho futhi uyobhekana nenhlawulo yemali engeqile ezi-R2000 noma uma ehluleka ukukhokha uyogqunywa ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyi-12.

25. Ukushayisana kwemithetho

Uma kunokushayisana phakathi kwale Mithetho Kamasipala kanye nanoma yimiphi eminye imithetho kamasipala yoMkhandlu ephathelene nokupaka, le mithetho kamasipala iyosebenza.

No. 110 **1 kuLwezi 2010**

UMkhandlu kaMasipala waseRichmond usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11; ufundwa ngokuhlanganyelwa nesigaba98 soHulumeni Basekhaya: UMthetho Wezinhlelo ZikaMasipala, wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), lapha ushicilela iMithetho yawo emayelana nokugcinwa kwezinja.

IMITHETHO KAMASIPALA EMAYELANA NOKUGCINWA KWEZINJA

1. Izincazelo

(1) Ngenhloso yale Mithetho kaMasipala:

"indawo" kuchaza indawo lapho uMasipala wase Richmond unegunya khona;

"Isisebenzi esigunyaziwe" kuchaza noma yisiphi isisebenzi soMkhandlu esigunyazwe nguMkhandlu ukuphatha, ukwenza kanye/kumbe nokuphoqelela izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala;

"UMkhandlu" kuchaza uMasipala waseRichmond kanye kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi ubandakanya uMkhandlu walowo Masipala noma iKomidi Eliphethe kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenza ngokwamandla oluwanikwe ngokomthetho kanjalo nayinoma yisiphi isikhulu esigunyazwe yiKomidi Eliphethe sanikwa amandla nemisebenzi maqondana nale Mithetho Kamasipala ;

"ikhulekiwe" kuchaza ukuthi ikhulekiwe ukuze kuvimbeleke ukweqa;

UMkhandlu" kuchaza uMasipala waseRichmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya noMkhandlu walowo Masipala kumbe iKomidi Eliphethe kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenza ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho kanjalo nayinoma yisiphi isikhulu esigunyazwe sanikwa amandla nemisebenzi maqondana nale Mithetho kaMasipala;

"inja" kuchaza ichalaha noma injakazi;

"ilayisensi" kuchaza ilayisensi ekhishelwe sonke kumbe ingxenye yesikhathi kusukela mhla lulu- 1 kuMasingana kuya mhla zingama- 31 kuZibandlela walowo nyaka ngoyiSikhulu Esiphezulu Sezimali sikaMasipala waseRichmond;

"amagceke" kuchaza 'amagceke'njengoba echazwe esigabeni soku-1 (1) se-Odinensi yoMaziphathe Basekhaya No. 25 we-1974;

"indawo yomphakathi" kuchaza nanoma yimuphi umgwaqo, isitaladi, indlela, ibhuloho, ibhuloho elingaphezulu, umgwaqo oguduza ngaphansi, indawo yabahamba ngezinyawo,indlela yabahamba ngezinyawo, indlela eyisikwele, indawo evulelekile, ipaki, indawo yokuma amabhasi namatekisi, umhlaba ogunyaziwe womuntu kumbe kufakwe indawo evalekile engaphansi kwegunya loMkhandlu futhi kubandakanya nanoma yimuphi umgwaqo, indawo kumbe indlela yabo bonke abantu okusendaweni engaphazanyiswa umphakathi kumbe umphakathi onelungelo lokuyisebenzisa;

"isitifiketi samarabi" kuchaza isitifiketi esichaza ukuthi inja igonyelwe isifo sokuhlanya kwezinja ngudokotela wezilwane kumbe isisebenzi sikahulumeni esigunyaziwe ezinyangeni eziyi-12 kusukela ngosuku ilayisensi ekhishwe ngalo;

"udokotela wezilwane" kuchaza udokotela wezilwane njengoba kuchazwe esigabeni soku-1 soMthetho Wezifo Zezilwane, uMthetho No. 35 we-1984;

2. Akukho muntu ongagcina ngaphakathi indaweni:

(i) nanoma yiyiphi inja enolaka noma ethanda ukusukela abantu, izilwane kumbe izimoto ngaphandle uma leyo nja ikhulekiwe ukuze kuphephe abantu, izilwane kanye nezimoto ukuze zingahlukunyezwa yileyo nja; (ngenhloso yalo mthetho kaMasipala, inja elume kumbe ezame ukuluma umuntu kumbe isilwane ngaphandle uma kungukuthi ibizivikela kumbe ibivikela umnikazi wayo kunoma yiyiphi enye indawo ngaphandle kwalawo magceke ejwayele ukugcinwa kuwo kumele ithathwe njengenolaka);

(ii) nanoma yiyiphi injakazi esesikhathini sayo sokunyelezela ebanga isicefe. Isisebenzi esinegunya singacela umnikazi kumbe umuntu olawula leyo njakazi esesikhathini sayo sokunyelezela ukuthi ayisuse ayise endaweni egcina izinjakazi ezisesikhathini sokunyelezela, ngesaziso esibhaliwe. Ukwahluleka ukulandela lesi saziso kuyosho ukwaphulwa kwale mithetho kamasipala;

(iii) kunoma yikumaphi amagceke, izinja ezingaphezu kwezimbili ngaphandle kwemvume ebhaliwe kaMasipala, leyo mvume ingakhishwa kuncike kwimibandela ethile futhi ingahoxiswa;

(iv) nanoma yiyiphi inja engakhishelwanga ilayisensi;

(v) nanoma yiyiphi inja engakhishelwanga isitifiketi samarabi ;

(vi) nanoma yiyiphi inja, ngesizathu sayo sokulokhu ikhonkotha njalo, iklewula, ishaya umkhulungwane noma ilokhu inswininiza ibanga umsindo ocasulayo kumbe ophazamisa ukuthula komphakathi.

(Ngokwenhloso yesigatshana (i) kuya ku- (vi); kumele kuthathwe ngokuthi umnikazi kumbe ohlala kuleyo ndawo lapho kutholakale khona inja uyena umuntu ogcine inja, kuze kube kutholakala okunye.)

3. Nanoma yiyiphi inja etholakale ibhayiza futhi inganakwe muntu endaweni yomphakathi, kumbe etholakale endaweni ibukeka ihlaselwe isifo kumbe kubonakala ukuthi ayinamnikazi ingavinjwa bese ibanjwe isisebenzi esinegunya kuthi uma kutholakala ukuthi sinengozi, ulaka kumbe sinesifo singabulawa yilesi sisebenzi. (Ngenhloso yalo mthetho kamasipala nanoma yiyiphi inja engaligqokile ibheji kumbe noma yini ekhombisa kuthi ngubani umnikazi wayo noma okubonakala ukuthi ayinamnikazi iyothathwa njengengenaye umnikazi.)

4. Akukho muntu ongumnikazi wenja kumbe ogade inja ongavumela leyo nja ukuthi itholakale endaweni yomphakathi ngaphandle uma ikhulekiwe ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ayizobeka engozini ukuphepha kwabantu, izilwane kumbe izimoto ezisebenzisa leyo ndawo yomphakathi.

5. Isisebenzi esigunyaziwe singabamba nanoma yiyiphi inja enolaka noma ebukeka iyingozi kumbe ephazamisa umphakathi.

6. Isisebenzi esigunyaziwe esibamba inja ngokusebenzisa amandla esiwanikezwe yile mithetho kamasipala kumele athathe noma adlulisele inja endaweni kaMasipala noma kwenye indawo ephephile lapho izonakekelwa khona ngokufanele.

7. Nanoma yimuphi umuntu othi ungumnikazi kumbe owengamele leyo nja edluliselwe endaweni kaMasipala noma kwenye indawo ephephile kumele anikezwe igunya lokugada inja uma :

(i) ezokhokha zonke izindleko ezibekhona ngenkathi kubanjwa, kudluliselwa, kugcinwa kumbe- ke kunakekelwa inja;

(ii) anelisa umuntu owengamele indawo kaMasipala lapho kugcinwa khona izinja ezibanjiwe kumbe enye indawo ephephile yokugcinwa kwazo ukuthi ungumnikazi kumbe nguye owengamele inja futhi kumele aveze isitifiketi senja samarabi kanye nelayisensi ekhishelwe inja.

8. Nanoma yiyiphi inja edluliselwe endaweni kamasipala noma kwenye indawo ephephile ngokwesigaba sesi-6 yangalandwa muntu kwaze kwaphela izinsuku esiyisikhombisa selokhu yabanjwa iyodayiswa ngumuntu owengamele indawo kamasipala kumbe indawo ephephile bese kuthi inzuzo etholakele ngalokho kudayisa iyosetshenzisselwa ukukhokha zonke izindleko ezibekhona ngesikhathi kubanjwa, kugcinwa futhi kunakekelwa leyo nja edayisiwe kuyokuthi- ke uma kukhona imali esele bese inikelwa esikhungweni sabezokuvikela ukuhlukunyenzwa kwezilwane.

9. Uma nanoma yiyiphi inja idluliselwe endaweni kamasipala kumbe kwenye indawo ephephile ngokwesigaba sesi-6 bese kungabibikho oyilandayo kuze kuphele izinsuku eziyisikhombisa kusukela ekubanjweni kwayo kumbe ingakwazi ukudayiseka ngaphansi kwezihlinzeko zesigaba sesi-8, leyo nja kumele ihanjiswe esikhungweni sabezokuvikela ukuhlukunyeza kwezilwane, kuhlinzekwe ukuthi uma leyo nja kutholakala ukuthi inesifo esithathelanayo kumbe esingalapheki noma ukulimala okungalapheki noma inolaka olukhulu ngendlela yokuthi iyingozi, umuntu owengamele indawo kamasipala kumbe enye indawo ephephile kumele ayibulale inja.

10. **Izinhlawulo**

Nanoma yimuphi umuntu owaphula kumbe ohluleka ukulandela nanoma yiziphi izihlinzeko zale mithetho kamasipala, uyobekwa icala bese kuthi lapho elahlwa yicala uyobhekana:

(i) Uma kuyicala lokuqala, nokukhokha inhlawulo engeqile emakhulwini amahlanu amarandi noma abhadle ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyisithupha noma kokubili ukukhokha inhlawulo nokubhadla ejele; futhi

(ii) lapho le nhlinzeko iphuliwe kumbe ingalandelwanga kuze kube isihlandla sesibili noma esilandelayo,u nokukhokha inhlawulo

engeqile enkulungwaneni eyodwa yamarandi kumbe abhadle ejele isikhathi esingeqile onyakeni owodwa noma kokubili ukukhokha inhlawulo nokubhadla ejele.

11. **Ukuchithwa**

Imithetho kaMasipala yeBhodi leDolodha laseRichmond emayelana nokuGcinwa kwezinja, eyamenyezelwa mhla zingama- 28 kuNhlolanja we- 1991 ngaphhansi kweSaziso sama- 58 we- 1991 seGazethi yeSifundazwe saseNatali ,lapha iyachithwa.

11. Ukuphikisana kweMithetho kaMasipala

Uma kukhona ukuphikisana phakathi kwale mithetho kaMasipala kanye neminye imithetho yoMkhandlu emaqondana nokugcinwa kwezinja, le mithetho kaMasipala iyiyona eyosetshenziswa.

No. 111 **1 kuLwezi 2010**

UMkhandlu kaMasipala wase-Richmond usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, sifundwa ngokuhlanganyela nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo Zikamasipala, wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), lapha ushicilela iMithetho yawo Kamasipala yokuDayisa Emgwaqeni.

IMITHETHO KAMASIPALA YOKUDAYISA EMGWAQENI

1. Izincazelo

(1) Kule mithetho kamasipala, ngaphandle uma kuhlinzekwe ngokunye kumbe ingqikithi ichaza okunye-

"ukuvunywa" kuchaza ukuvunywa yisisebenzi esigunyaziwe kanti **"ukuvuma"** kunencazelo ehambisanayo;

"usoseshini" kuchaza abantu abazisebenzayo, abazihlele baba yinhlangano yabadayisi basemigwaqeni enomthethosisekelo kanye nendlela yokuziphatha;

"isisebenzi esigunyaziwe" kuchaza isisebenzi soMkhandlu esinikezwe umsebenzi kumbe amandla ngaphansi kwale mithetho kamasipala maqondana ukwenziwa kwalowo msebenzi kumbe ukusetshenziswa kwamandla futhi kuhlanganisa nanoma yisiphi isisebenzi esisebenza ngaphansi kokulawulwa nokuqondiswa yileso sisebenzi;

"uMkhandlu" kuchaza uMkhandlu kaMasipala waseRichmond futhi kuhlanganisa, maqondana nomsebenzi kumbe amandla ngaphansi kwale mithetho kamasipala, ikomidi noma isisebenzi soMkhandlu esinikezwe lowo msebenzi kumbe lawo mandla.

"Isiphathimandla sendawo" kuchaza noma yiluphi uhlelo olwenziwa yisiphathimandla noma egameni lesiphathimandla sendawo ukuqoqwa, ukuthuthwa, ukunakekelwa kumbe ukulahlwa kukadoti, indle kumbe amanzi ezikhukhula noma ukuphehlwa, ukugcinwa kwempahla ephawundeni,ukuhlanzwa kumbe ukulethwa kwamanzi, igesi noma ugesi;

"Imisebenzi yomsebenzi wesiphathimandla sendawe' kuchaza yonke impahla kumbe imisebenzi yanoma yiluphi uhlobo edingengeka kunoma yimuphi umsebenzi wesiphathimandla sendawo

"uhlupho" lunencazelo enikezwe kulo yi-Odinensi, kumbe nanoma yisiphi isichibiyelo;

"imali enqunyiwe" kuchaza imali enqunywa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi emalini yentela yoMkhandlu.

"impahla" maqondana nomdayisi wasemgwaqeni, kuchaza nanoma yiziphi izimpahla, imigqomo/izitsha, imoto kumbe into eyakhiwe egudlulekayo esetshenziswayo nome okuhloswe ukuthi isetshenziselwe ukuqhuba ibhizinisi lakhe;

"indawo yomphakathi' kuchaza noma yisiphi isitaladi kanye nanoma yiyiphi indawo yezitolo, ipaki, inkundla yezemidlalo, ingadi, isiqhingi noma indawo evalelekile kumbe evulelekile-

(a) eyakhiwe elokishini elizimele elivunyiwe, eyayibekwe eceleni ukuze isetshenziselwe ukuhlomulisa umphakathi futhi ikhonjisiwe ipulanini yalelo lokishi; noma

(b) eyakhiwe endaweni yesiphathimandla sendawo, isiphathimandla sendawo sinikezwe ubunikazi, ukulawula kanye nokuphatha ngumthetho noma itayitela ukuze umaphakathi uyisebenzise futhi uhlomule noma umphakathi onelungelo lokuwusebenzisa; noma

(c) uma yakhiwe elokishini elizimele elivele likhona (noma ngabe lelo lokishi elivele likhona lisendaweni yesiphathimandla endawo noma cha), umphakathi kumbe abahlali banelungelo elifanayo okuthi uma likhonjisiwe epulanini ejwayelekile noma emdwebeni kumbe nanoma yiyiphi ipulani ehlanganiswe eHhovisi Lomhloli Wendawo Jikelele futhi laziwa ngokuvamile njengefayela kumbe irekhodi lohlelo lokususa eHhovisi Lomhloli Wendawo Jikelele noma lapho kuVulwa kubuye kugcinwe khona amafayela amaTayitela, abanikazi beziza kuelo lokishi elizimele elivele likhona banelungelo elifanayo;

"umgwaqo womphakathi" kuchaza nanoma yimuphi umgwaqo, isitaladi, umgwaqo omkhulu kumbe nanoma yiyiphi enye indawo (umgwaqo omkhulu noma cha) esetshenziswa kakhulu umphakathi kumbe nanoma yiyiphi ingxenye noma umphakathi kumbe ingxenye ethile onemvume yokungena, futhi kuhlanganisa-

(a) unqenqema lwanoma yimuphi umgwaqo, isitaladi kumbe umgwaqo omkhulu;

(b) nanoma yiliphi ibhuloho, isikebhe sokuwelisa noma izibuko elinqamula kulowo mgwaqo, isitaladi noma umgwaqo omkhulu;

kanye

(c) nanoma yimuphi umsebenzi noma into eyingxenye kumbe exhumene noma okungeyalowo mgwaqo, sitaladi noma umgwaqo omkhulu;

"Indlela yomgwaqo" kuchaza isiqeshana somgwaqo, sesitaladi noma somgwaqo omkhulu esithuthukiswe, sakhiwa kumbe okuhloswe ngaso ukulawula isiminyaminya sezimoto esiphakathi kwezindawo lapho kugcina khona khona umgwaqo;

"ukudayisa" kuhlanganisa -

(a) ukushintshiselana ngempahla,ukushintshana noma ukuqasha;

(b) ukukhombisa, ukuveza, ukunikezela noma ukulungiselela ukuthengisa:

(c) ukulondoloza ngenhloso yokuthengisa; noma

(d) ukuhlinzeka ngomsebenzi ukuthola inzuzo' kanti "ukuthengisa" kunencazelo efanayo;

"Indlela" kuchaza leyo ngxenye yonqenqema eyenzelwe ngokukhethekile abahamba ngezinyawo;

"umdayisi wasemgwaqeni" kuchaza umuntu oqhuba ibhizinizi lokudayisa emgwaqeni;

"ukudayisa emgwaqeni" kuchaza ukudayiswa kwanoma yiyiphi impahla noma ukusathsalaliswa kumbe ukuthembisa ukunikezela nganoma yimuphi umsebenzi ukuze uzuze, njengomdayisi wasemgwaqeni, ohamba edayisa emgwaqeni womphakathi noma endaweni yomphakathi kodwa akubandakanyi kuphela ukudayiswa kwamaphephandaba,

"Umthetho" kuchaza uMthetho Wezamabhizinisi No. 71 we-1991 futhi kuhlanganisa imithethonqubo eyakhelwe ngaphansi kwawo;

"imoto" ihlanganisa-

(a) imoto ezihambisayo ;

(b) inqola edonswayo;

(c) imoto edonswa ngesandla noma eqhutshwayo; kanti

"unqenqema" kuchaza leyo ngxenye yomgwaqo, isitaladi noma umgwaqo omkhulu kuhlanganisa indlela, engesiyo indlela yomgwaqo.

(2) Kule mithetho kamasipala ngaphandle uma ingqikithi ichaza ngokunye, nanoma yiliphi igama noma isisho esichazwa eMthethweni siyoba naleyo ncazelo esinikezwe yona.

(3) Ngokwenhloso yale mithetho kamasipala umthetho ngamunye wokunikezela ngokuthengisa noma ukudayisa izimpahla noma imisebenzi emgwaqeni womphakathi noma endaweno yomphakathi kuhlanganisa ukuqhubeka kwebhizinisi lomdayisi wasemgwaqeni.

(4) Ngokwenhloso yale mithetho kaMasipala okuqondiswe kulowo muntu oqhuba ibhizinisi lomdayisi wasemgwaqeni kuyohlanganisa nanoma ngubani oyisisebenzi salowo muntu.

2 Isicelo

Akukho muntu oyoqhubeka nebhizinisi lokudayisa emgwaqeni ngaphandle uma -

(a) esethole imvume ebhalwe phansi yoMkhandlu yokwenza lokho;

(b) eyilunga lenhlangano yabadayisi basemgwaqeni eyaziwa nguMkhandlu;

3 Izivimbelo

Akukho muntu ozoqhubeka nebhizinisi lomdayisi wasemgwaqeni -

(a) endaweni emenyezelwe ngaphansi kwesigaba 6A(2)(a) soMthetho njengendawo lapho kungavumelekile khona ukuqhuba ukudayisa emgwaqeni

(b) onqenqemeni, oluseduze

(i) nebhilidi okungelikaHulumeni noma uMkhandlu kumbe elisetshenziswa ngabantu bakaHulumeni noma boMkhandlu;

(ii) nesonto kumbe indawo yokukhonzela; noma

(iii) nebhilidi elimenyezelwe ukuba yigugu lesizwe ngaphansi koMthetho Wezamagugu Esizwe No. 28 we-1969 kumbe nanoma yisiphi isichibiyelo esenziwe ngaphandle uma ukuqhutshwa kwebhizinisi kuvunyiwe ngesaziso noma ngophawu olufakiwe noma olunanyatheliswe nguMkhandlu ngokulandela umthetho.

(c) onqenqemeni olusondelene nebhilidi lapho ibhizinisi liqhutshelwa khona yinoma ngubani odayisa kuphela impahla efanayo kumbe yohlobo olufanayo naleyo edayiswa ngumdayisi wasemgwaqeni othintekayo, ngaphandle kwemvume yalowo muntu;

(d) kuleyo ngxenye yomgwaqo womphakathi eseduze nebhilidi belisetshenziselwa ukuhlalisa abantu, uma umnikazi noma umuntu ophethe noma ohlala kulelo bhilidi ephikisana nalokho;

(e) endaweni lapho kuphazamiseka khona abahamba ngezinyawo ekusebenziseni indlela noma bethatha kumbe behla khona endaweni yakhe njengendlela benze kanjalo; ???????

(f) endaweni lapho ivimba khona izimoto

(g) endaweni lapho ivimba ngaphambi -

(i) kwendawo yokungena noma yokuphuma ebhilidini;

(ii) ipayipi lamanzi lokucisha umlilo ;

(h) Esiqintini kumbe nanoma yiyiphi indawo eningwe esigabeni 6A (3)(b) soMthetho uma engenabo ubufakazi bokuthi usiqashile leso siqinti noma indawo yoMkhandlu kumbe kungenzeka ukuthi wabelwe yona;

(i) okuphambene nemigomo nemibandela yokuqashiswa noma ukwabiwa kwesiqinti noma indawo eningwe esigabeni 6A(3)(b) no (c) soMthetho;

4. Izithibelo

(1) Akukho muntu oqhuba ibhizinisi lokudayisa emgwaqeni -

(a) uma lelo bhizinisi liqhutshelwa kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi noma indawo yomphakathi

i. ozolala kuleyo ndawo yebhizinisi ubusuku bonke; noma

ii. ozomisa nanoma yisiphi isakhiwo esizinzile esizeni sebhizinisi ngenhloso yokwakha indawo yokuhlala;

ngaphandle kokuthola kuqala imvume yoMkhandlu

ebhalwe phansi,

(b) ongaqhuba ibhizinisi elinjalo ngendlela-

(i) edala ukuphazamiseka

(ii) elimaza noma ecekela phansi ingaphezulu lanoma iyiphi indawo yomphakathi kumbe kumbe nanoma yisiphi isakhiwo somphakathi noma somnikazi

(iii) engadala isiminyaminya emgwaqeni;

(c) ongaqoqela, alahle, agcine kumbe achithe noma avumele ukuthi kuqoqelwe, kulahlwe, kugcinwe kumbe kuchithwe nanoma yimuphi udoti endaweni engesiwona umgqomo kadoti ovunnywe kumbe ohlinzekwe ngumkhandlu, kunoma yimuphi umhlaba noma amagceke kumbe nanoma yiyiphi indawo kumbe umgwaqo womphakathi;

(d) ongaphazamisa ukufinyelela emisebenzini yoMkhandlu noma ekaHulumeni kumbe nanoma yiluphi uhlaka lukahulumeni;

(e) ongangenelela ngenhloso yokuthi abantu abasebenzisa indlela babone izimpahla ezikhonjiswe efasiteleni lokukhombisa elingemuva lesitolo noma asithe lezo zimpahla ukuze zingabonakali;

(f) ongaphazamisa ukufinyelela emhubheni wabahamba ngezinyawo kume enxanxatheleni yezitolo;

(g) ongaqhuba ibhizinisi kumbe athathe isikhundla noma abeke isakhiwo sakhe engxenyeni yendlela noma yendawo yomphakathi okungahambisani nesaziso kumbe uphawu olumiswe noma olukhonjiswe nguMkhandlu ngokwezinhloso zale mithetho kamasipala;

(h) ongaqhuba ibhizinisi endaweni ephikisana nanoma yisiphi isithibelo esimiswe nguMkhandlu ngokwesigaba 6A(2)(a) soMthetho;

(i) ongavimba ukufinyelela endaweni yokuwela abahamba ngezinyawo, yokupaka noma yokulayisha impahla kumbe ezinye izindawo zesiminyaminya sezimoto noma sabahamba ngezinyawo;

(j) ongavimba ukufinyelela noma ukusetshenziswa kwefenisha yomgwaqo njengamabhentshi okuhlala abagibeli bebhasi noma indawo yokukhosela kanye neyokuma olayini ,

imigqomo yokulahla udoti kanye nezinye izinto ezenzelwe ukusetshenziswa ngumphakathi wonke; noma

(k) ongasitha nanoma yiluphi uphawu lomgwaqo olufakwe ngokoMthetho Wezomgwaqo we-1996 kanye nemithethonqubo eyenziwe kumbe nanoma yikuphi ukumakwa, isaziso noma uphawu olufakiwe noma olwenziwe ngokwale mithetho kamasipala.

(2) UMkhandlu unelungelo lokuthibela abadayisi basemgwaqeni abathile kanye nezinhlangano zabo.

5. Ukuhlanzeka kwendawo yebhizinisi kanye nokuvikeleka kwempilo yomphakathi

Wonke umdayisi wasemgwaqeni kumele-

(a) nsuku zonke asuse zonke izimpahla ezidayiswayo, nezakhiwo ezigudlukayo, udoti, izinto zokupakisha, impahla kanye nezinto zokusebenza noma ezahlobo luni ezisetsheniselwa ukuqhuba ibhizinisi; ngaphandle uma ethole kuqala imvume ebhalwe phansi yoMkhandlu emkhululayo ezihlinzekelweni zale ndima.

(b) aqhube ibhizinisi ngendlela engezoba nabungozi noma ukwesabisa impilo noma ukuphepha komphakathi;

(c) asuse noma agudlule nanoma yini ngokwesicelo seSikhulu noma sesisebenzi soMkhandlu ukuze kukwazi ukuthi indawo yebhizinisi ihlanzwe;

(d) agcina indawo noma iisitende asisebenzisayo ngenhloso yokuqhuba ibhizinisi lakhe kanjalo nempahla yakhe isesimweni esihlanzekile esingenawo udoti;

(e) athathe izinyathelo ukuqinisekisa ukuthi akukho mafutha kumbe uwoyela noma yini enye econsele kumbe egeleza kwingaphezulu lendlela noma echaphazeleke odongeni lwesakhiwo uma kungkuthi umsebenzi wakhe uhlanganisa ukupheka noma enye indlela yokulungisa ukudla.

6 Ukudayisa emapaki nasezingadini

Akukho mdayisi wasemgwaqeni ozoqhuba ibhizinisi lakhe engadini noma epaki lapho umphakathi unelungelo lokuyisebenzisa ngaphandle uma ethole kuqala imvume yeMenenja yoMkhandlu kaMasipala noma isisebenzi esigunyaziwe ebhalwe phansi futhi ehambisana nemibandela amiselwe yona ngesikhathi enikezwa leyo mvume.

7 Izinto ezisetshenziselwa ukukhombisa izimpahla

Umdayisi wasemgwaqeni kumele aqinisekise ukuthi nanoma yiluphi isakhiwo, isitsha, ingaphezulu kumbe enye into ayisebenzisayo ukulungiselela, ukukhombisa, ukugcina noma ukuthutha impahla -

(a) kuyanakekelwa ngendlela efanale futhi kuhlala kusesimweni sokuhlanzeka, futhi

(b) akubekwanga noma kwanqwabelana ngendlela enngadala ingozi kunoma ngubani noma ngendlela okungenzeka ilimaze noma ngubani.

8 Ukususwa kanye nokudliwa

(1) Ngokwenhloso yale mithetho kamasipala "izimpahla" kuhlanganisa nanoma yiyiphi imoto ethutha udoti kumbe isakhiwo esigudlilekayo.

(2) Isikhulu singasusa futhi sidle izimpahla-

(a) uma sisola ukuthi zisetshenziswa kumbe kuhloswe ukuthi zisetshenziswe noma zisetshenziswe maqondana nokuqhuba nanoma yiliphi ibhizinisi lokudayisa emgwaqeni, futhi

(b) uma sizithola endaweni lapho kungavumelekile khona ukuqhuba ibhizinisi futhi ngokokubona kwaso lokho kufaka nokwaphulwa kwesigaba 3 (h) kumbe isigaba 5 noma kungavumelekile ngokwesigaba 2(a) kuya ku-(g) futhi nokokubona kwaso kuhlanganisa nokwaphulwa kwezihlinzekelo einjalo noma ngabe lezo zimpahla ziphethwe kumbe zilawulwa yinoma ngubani ngesikhathi sokususwa noma sokudliwa kwazo.

(3) Nanoma yisiphi isikhulu esisebenza ngokwesigatshana (2) kumele -

(a) sikhiphele umuntu oqhuba ibhizinisi lokuba ngumdayisi wasemgwaqeni irisidi yanoma yiyiphi impahla esusiwe noma edliwe ngaphandle uma kuyimpahla elahliwe noma shiyiwe

(b) khona manjalo sihambise leyo mpahla esisebenzini esigunyaziwe.

(4) Noma ngabe nguMkhandlu noma yisisebenzi esiyikhansela, isikhulu kumbe isisebenzi soMkhandlu akekho oyoba necala lokulahleka kumbe ukulimala kwempahla esusiwe noma edliwe ngokwalesi sigaba.

9. Ukulahlwa kwezimpahla ezidliwe

(1) Nanoma yiziphi izimpahla ezibolayo ezisusiwe kanye nezidliwe ngokwesigaba 8 (2) kumele noma yingasiphi isikhathi emva kokudliwa kwazo ziyobe sezidayiswa kumbe zicekelwe phansi nguMkhandlu futhi esimeni sokudayiswa kwalokho kudla kungambi eqolo ngokwezindleko zoMkhandlu ekususweni kwazo,ukudayiswa kumbe ukudliwa kwezimpahla kumele kukhokhelwe umnikazi wazo emuva kokuveza amaresidi akhishwe ngokwesigaba sesi-8(3) (a).Uma umnikazi ehluleka ukulanda zingakapheli izinyanga ezintathu kusukela ngosuku ezadayiswa ngalo,lezo zimpahla ziyodliwa ngumkhandlu.

(2) Umnikazi wanoma yiziphi izimpahla (ngaphandle kwezimpahla ezibolayo), uMkhandlu obhekene nazo ngokwesigatshana 1, ezidliwe ngokwesigaba 8(2) ofisa ukwenza isibozo sokubuyiselwa lezo zimpahla kumele, esikhathini esiyinyanga kusukela zadliwa izimpahla lezo, afake isicelo eMkhandlwini futhi kuyomele aveze amarisidi afanele akhishwa ngokwesigaba 8(3)(a), uma kwehluleka lokho, lezo zimpahla ziyodayiswa nguMkhandlu kanti ekudayisweni kwalezo zimpahla kuyosetshenziswa izihlinzekelo sesigaba 1 eziqondene nemali eyotholakala ngokudayiswa kwalezo zimpahla.

(3) Uma umnikazi wezimpahla ezidliwe ngokwesigaba 8(2) enza isibizo sokubuyiselwa nguMkhandlu izimpahla futhi lowo mnikazi engakwazi kumbe enqaba ukukhokha izindleko zoMkhandlu maqondana nokususwa kanye nokudliwa kwalezo zimpahla, lezo zimpahla ziyodayiswa nguMkhandlu bese kuthi imali eyotholakala ngokudayiswa kwalezo zimpahla uma sekususwa nanoma yiziphi izindleko zalokho kudayiswa, leyo mali iyonikezwa umnikazi.

(4) esimeni lapho imali etholakale ngokudayiswa kwezimpahla okuningwe ngazo kulesi sigaba ingenele ukukhokhela izindleko zoMkhandlu ongene kuzo mayelana nokususwa, ukudliwa kanye nokudayiswa kwalezo zimpahla, umnikazi walezo zimpahla uzokhokha zonke izindleko eziyosala zingakhokhelekanga emva kokuthathwa kwemali etholakale kudayiswa lezo zimpahla.

10 Amacala avamile kanye nezinhlawulo

(1) Noma ngubani -

(a) owaphula kumbe owehluleka ukuhambisana nanoma yisiphi isihlinzekelo sale mithetho kamasipala;

(b) oziba, onganaki noma ongahloniphi nanoma yisiphi isaziso, uphawu noma umaka okukhonjiswe noma okumiswe ngenhloso yale mithetho kamasipala;

(c) owaphula kumbe owehluleka ukuhambisana nanoma yikuphi ukuvuma noma umbandela okhishwe ngokwale mithetho kamasipala;

(d) okuyothi ngokwenhloso yale mithetho kamasipala enze isitatimende esingamanga ebe azi kahle ukuthi singamanga noma ekwenza ngamabomu unikezela esisebenzini esigunyaziwe noma esikhulwini ngolwazi oludukisayo

(e) ozosabisa, enqabele, agxambukele kumbe avimbele isisebenzi esigunyaziwe, isikhulu noma isisebenzi soMkhandlu ekusebenziseni amandla aso, imisenbenzi yaso ngaphansi kwale mithetho kamasipala,

Uyotholakala enecala futhi uyobhekana nenhlawulo engeqile ezi-R2000 kumbe abhadle ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyisithupha.

2. Uma isisebenzi somdayisi wasemgwaqeni senza nanoma yisiphi isenzo kumbe ezizwa enecala nganoma yikuphi ukweqeka okuhlanganisa icala ngaphansi kwale mithetho kamasipala umqashi kuyothathwa ngokuthi usenzile leso senzo noma enecala lokweqeka futhi kumele aveze ubufakazi bokuthi –

1. ekwenzeni isenzo noma ekubeni necala lokweqeka, isisebenzi sasingenalo ulwazi futhi singavumanga;

2. zonke izinyathelo ezifanele zithathiwe ukuvikela isenzo noma ukweqeka; futhi

3. kwakungekho ngaphansi kwegunya lokusebenza kumbe kwesizathu sokuqashwa kwesisebenzi ukuba senze isenzo esinjengalesi okukhulunywa ngaso

3. Ukuthi umqashi wakhiphe imiyalelo evimbela ukwenziwa kwanoma yisiphi isenzo noma ukweqeka okukhulunywe ngakho esigatshaneni (2) ngeke kwamukelwa njengobufakazi obanele ukuthi wathatha zonke izinyathelo ezifanele okukhulunywe ngazo endimeni (b) yaleso sigatshana.

4. Uma umqashi ngenxa yezihlinzekelo zesigatshana (2) ethinteka kunoma yini eyenziwe noma eyeqiwe yisisebenzi, leso sisebenzi naso siyothinteka sibhekane nokushushiselwa icala.

11 Ukushayisana kwemithetho

Uma kukhona ukushayisana phakathi kwale mithetho kamasipala kanye neminye imithetho kamasipala yoMkhandlu eqondene nokudayisa emgwaqeni, le mithetho yiyona eyosetshenziswa.

UMkhandlu kaMasipala waseRichmond, ngokweSigaba 156 soMthethosisekelo, we-1996, (uMthetho 108 we-1996) ofundeka ngokuhambisana nesigaba 11 soMthetho wezoHulumeni Basekhaya Wezinhlelo Zikamasipala wezi-2000 (uMthetho No. 32 wezi-2000) lapha sewushicilela iMithetho yawo kaMasipala eqondene Nokususwa Kukadoti.

IMITHETHO KAMASIPALA EHAMBISANA NOKUSUSWA KUKADOTI

1. **Izincazelo**

"isisebenzi esigunyaziwe" kuchaza isisebenzi soMkhandlu esinikezwe umsebenzi kumbe amandla ngaphansi kwale mithetho kamasipala maqondana nokwenziwa kwalowo msebenzi kumbe amandla futhi kuhlanganisa nanoma yisiphi isisebenzi esisebenza ngaphansi kokulawulwa nokuqondiswa yileso sisebenzi;

"uMkhandlu" kuchaza uMasipala waseRichmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo masipala noma iKomidi Elilawulayo kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenzisa ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kanjalo nanom a yisiphi isikhulu esinikezwe nguMkhandlu amandla nomsebenzi maqondana nale mithetho kamasipala;

"imali enqunyiwe" kuchaza imali enqunywa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi emalini yentela yoMkhandlu.

"umgqomo kadoti" kuchaza nanoma yimuphi umgqomo kadoti, ohambisana nokuchazwe yinhlangano yaseNingizimu Afrika ebhekele Amazinga empahla ukuthi ungafaka udoti;

"isikhwama sikadoti" kuchaza isikhwama sikadoti esiqinile esilungele ukufakwa emgqonyeni kadoti;

"udoti wanoma yiluphi uhlobo" kuchaza zonke izihlobo zikadoti kubandakanya udoti wasekhaya, udoti wasengadini, udoti wasezitolo, udoti wasezimbonini, udoti okhethekile kumbe inqwaba kadoti ;kanye

"udoti okhethekile" kuchaza nanoma yimuphi udoti odinga ukuphathwa

ngesineke kanye/kumbe ukulahlwa ngendlela ethize, futhi uhlanganisa nemfucuza yasemadeleni, insimbi, amafutha, udaka, umhlabathi umhlabathi ombiwe ematsheni, imvuthuluka yabakhi, imfucuza enobungozi kanye neyemithi yokwelapha kanye nanoma yimuphi udoti oyocatshangwa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi;

2. **Ukulahlwa kukadoti**

(1) Akukho muntu ongalahla kumbe avumele ukulahlwa kwanoma yiluphi uhlobo lukadoti kwenye indawo ngaphandle kwaleyo echazwe kule mithetho kamasipala ngale kwemvume ebhalwe phansi yisisebenzi esigunyaziwe;

(2) Akukho muntu ongaqongelela, agcine kumbe avumele ukuqongelelwa noma ukugcinwa kukadoti wanoma yiluphi uhlobo kunoma yisiphi isakhiwo naphandle kwaleso esichazwe kule mithetho kamasipala ngale kwemvume ebhalwe phansi yisisebenzi esigunyaziwe;

(3) Isisebenzi esigunyaziwe singayalela ohlalayo kumbe umnikazi wesakhiwo okutholakale kuso ukuthi udoti wanoma yiluphi uhlobo uqongelelwe noma umuntu okucatshangwa ukuthi nguye obhekele ukulahlwa kukadoti wanoma yiluphi uhlobo kunoma yiyiphi indawo yomphakathi noma emhlabeni ongenalutho ukubhekela udoti njengoba kuyaleliwe futhi noma ngubani ohluleka ukuhambisana nalo myalelo uyotholakala enecala;

(4) Esimeni lapho umuntu oyalelwe ukuthi asuse udoti ngokwesigatshana sesi-(3) ehluleka ukulawula lowo doti ngendlela nangesikhathi ayalelwe sona, isisebenzi esigunyaziwe singahlela ukususwa kwalowo doti futhi uMkhandlu ungazibuyisa zonke izindleko mayelana nalokhu kulowo muntu;

(5) UMkhandlu ungahlela ukususwa kwawo wonke udoti noma ingxenye yanoma yimuphi udoti emagcekeni asezakhiweni ezenganyelwe yiwo.

(6) UMkhandlu ungasungula amazinga ahlukahlukene emisebenzi yokususwa kukadoti ezindaweni ezahlukahlukene zokusebenza ezingaphansi kwendawo eyenganyelwe nguMkhandlu.

(7) Lapho uMkhandlu uqoka ukunganikezeli ngemisebenzi yokususwa kukadoti maqondana nodoti omningi wasengadini, udoti wasezimbonini noma udoti okhethekile, uMkhandlu ungayalela ohlalayo kumbe umnikazi kuya ngesimo, ngokubhalwe phansi ukuba ahlele ukususwa kwalowo doti kanye nokulahlwa kwawo ezilahlweni ezivunywe nguMkhandlu ngezindleko zakhe.

(8) Uma umnikazi kumbe ohlalayo ehluleka ukuhambisana nomyalelo njengoba kuningwe esigatshaneni (6), isisebenzi esigunyaziwe singahlela ukususwa kwalowo doti bese sibuyise zonke izindleko ezidalekile ngokukhokhisa ohlalayo noma umnikazi;

(9) Ngokwenhloso yale mithetho kamasipala, uMkhandlu unganyusa-

(i) Intela yonyaka ezokhokhelwa ngumnikazi;kanye/kumbe

(ii) nenkokhelo yanyanga zonke ekhokhwa ohlalayo, kuwo wonke amagceke ngemisebenzi eyenziwe kuleyo ndawo okumele ikhokhelwe noma ngabe udoti ususiwe noma awususwanga;kanye/noma

(iii) ubuyise intela yomsebenzi ngokudayisa izikhwama zikadoti zikamasipala;

(iv) inkokhelo ngomsebenzi ngamunye;kanye/kumbe

(v) nemali eyisibambiso yanoma yiyiphi imvume ekhishwe ngokwale mithetho kamasipala.

(vi) UMkhandlu ungahlukanisa intela, inkokhelo noma imali phakathi kwamazinga omsebenzi wokususwa kukadoti onikezelwa ezindaweni ezithile zokusebenza.

(vii) Endaweni yokusebenza lapho uMkhandlu wethulwe khona umsebenzi ophoqelekile, intela kumbe inkokhelo yanyanga zonke iyokhokhwa ngohlalayo kumbe umnikazi, kuya ngesimo ngisho noma ungasetshenziswanga umsebenzi wokususwa kukadoti.

3. Ukunakekelwa kwemigqomo kadoti kanye nokusetshenziswa kwezikhwama zokulahla udoti

(1) Bonke abanikazi noma abahlalayo, kuya ngokuthi yikuphi, lapho kudingeka ukuthi kwethulwe khona umsebenzi endaweni yokusebenza, bayohlinzeka futhi banakekele, emagcekeni, umgqomo kadoti osesimeni esingeke sibe wuhlupho futhi sidale ukuthi kunqwabelane udoti wamabhizinisi kanye nodoti wasemakhaya kuleyo ndawo obekwe kuyo,

(2) Bonke abanikazi kumbe abahlalayo, kuya ngokuthi yikuphi, lapho kudingeka ukuthi kwethulwe umsebenzi endaweni yokusebenza, bayosebenzisa izikhwama zokulahla udoti zepulastiki noma opulastiki bodoti bakamasipala, kuya ngokuthi yikuphi, ukulahla udoti.

(3) Bonke abanikazi kumbe abahlalayo bayogcina lezo zikhwama zepulastiki zisesimweni esingeke sibe wuhlupho futhi sidale ukuthi kunqwabelane udoti wamabhizinisi kanye nodoti wasemakhaya kelyo ndawo obekwe kuyo.

(4) Bonke abanikazi noma abahlalayo, kuya ngokuthi yikuphi, beyogcina yonke imigqomo kadoti ihlale imboziwe zikhathi zonke, ngesikhathi kufakwa noma kukhishwa udoti kuyo,

(5) Akukho muntu ngaphandle kwesisebenzi esigunyaziwe noma izisebenzi zoMkhandlu, oyongenelela ekususweni kumbe asuse kunoma yimaphi amagceke, nanoma yimuphi umgqomo kadoti ngaphandle uma eqikelela ukuthi lowo doti uyasuswa.

4. Imigqomo kadoti ehlukene edingwa yibhizinisi kumbe ifulethi ngalinye

(1) Lapho kunendawo yokuhwebelana engaphezu kweyodwa, ibhizinisi noma umsebenzi esakhiweni esisodwa, kumbe lapho isakhiwo sihlukaniswe saba ngamafulethi asetshenziswayo kumbe amagumbi ahlangene, umnikazi noma ohlalayo, kuya ngokuthi yikuphi, wendawo ngayinye yebhizinisi, ifulethi elihlukene noma amagumbi ahlangene uyohlinzeka agcine imigqomo kadoti ehlukene maqondana nendawo ngayinye yokuhwebelana, ibhizinisi ngalinye, ifulethi noma amagumbi ahlangene.

(2) Isisebenzi esigunyaziwe singashaya indiva kumbe singavumelani nezidingo zalo mthetho kamasipala ngokunciphisa inani lemigqomo kadoti edingekayo ngokwesigatshana (1) salo mthetho kamasipala, uma nje lokho kushaya indiva kumbe ukungavumelani kungeke kuthikameze, nangayiphi indlela, ilungelo lalowo ohlalayo kumbe umnikazi lokukhokhela imisebenzi eqondene naye kuphela ebalulwe esigatshaneni (1)

5. Ukuhlinzeka ngemigqomo kadoti eyengeziwe

Esimeni lapho isisebenzi esigunyaziwe sanelisekile ukuthi ukunqwabelana kukadoti kunoma yimaphi amagceke kungaphezu kwamandla ukuthi kungabhekwana nacho ngendlela ejwayelekile, umnikazi noma ohlalayo kulzwo magceke, njengoba kungadinga isisebenzi esigunyaziwe, uyohlinzeka agcine umgqomo kadoti owodwa noma ngaphezulu futhi kuyodingeka akhokhe intela noma enqunyiwe noma ingxenye ethile yemali ngenani kanye nohlobo lwemigqomo kadoti edingwa yisisebenzi esigunyaziwe.

6. Indawo yomgqomo kadoti kumele ihlinzekwe

(1) Isisebenzi esigunyaziwe singayalela umnikazi wanoma yisiphi isakhiwo okuhlala kuso abaqashile abangaphezu koyedwa noma umnikazi ukuba ahlinzeke ngendawo yomgqomo enesilinganiso esifanele futhi kuleso sakhiwo kwakhiwe indawo yesikhashana yokugcina nanoma yimuphi udoti odaleke kumbe oqongeleleke kuleso sakhiwo futhi kumele enze amalungiselelo afanele okususwa kwawo wonke udoti kuleyo ndawo yomgqomo kadoti

(2) Umnikazi wanoma yisiphi isakhiwo esihlinzekelwe ngendawo yomgqomo kadoti yokugcina okwesikhashana udoti wanoma yiluphi uhlobo, kumele agcine leyo ndawo yomgqomo kadoti ihlanzekile zikhathi zonke.

7. Ukubekwa kwemigqomo kadoti kumbe izikhwama zokuthutha udoti

Umnikazi kumbe ohlalayo, kuya nokuthi yikuphi-

(1) endaweni lapho kusetshenziswa khona izikhwama ezilingene zepulastiki

zokuthutha udoti noma izikhwama zodoti zikamasipala, uyozibeka enqenqemeni lomgwaqo ngosuku lokuqoqwa kukadoti.

(2) endaweni lapho kusetshenziswa khona imigqomo kadoti kumbe eminye imigqomo evunywe nguMkhandlu, uyobeka leyo migqomo onqenqemeni lomgwaqo ekuseni ngosuku lokuqoqwa kukadoti; futhi

(3) uma udoti okukhulunywa ngawo kuwudoti oyinqwaba, owasefemini kumbe okhethekile, uyobekwa ngendlela ethile eyonqunywa yisisebenzi esigunyaziwe nangokomyalelo wazikhathi zonke, ukuze kubhekelwe ukususwa kwalowo doti.

8. Udoti oluketshezi

Akukho muntu oyolahla kumbe abangele noma avumele ukuthi kulahlwe nanoma yihlobo luni lukadoti osaketshezi, noma nini kumbe ngaphansi kwanoma yisiphi isimo kunoma yimuphi umgqomo kadoti noma isikhwama sikadoti

9. Ukususwa kukadoti wasezimbonini, okhethekile kanye nodoti oyinqwaba

(1) Umnikazi kumbe ohlalayo,kuya nokuthi yikuphi, wanoma yimaphi amagceke lapho kukhiqizwa khona udoti wasembonini, okhethekile noma udoti oyinqwaba, uyowufaka abhekane nawo ngendlela enqunywe yisisebenzi esigunyaziwe nangokomyalelo waso wazikhathi zonke.

(2) Uma umnikazi kumbe ohlalayo ehluleka ukubhekana nodoti wasezimbonini, okhethekile noma udoti oyinqwaba njengoba eyalelwe, isisebenzi esigunyaziwe singahlela ukususwa kwalowo doti futhi sibuyise zonke izindleko ezidalekile kumnikazi noma kohlalayo.

10. Izihlinzeko zokulahla udoti wasekhaya

(1) Ngale kwezihlinzekelo zale mithetho kamasipala ebezisebenza ekuqaleni, abanikazi noma abahlalayo emagcekeni anomugqa womngcele oqhele ngamamitha angaphezu kwayi-100 ukusuka kunoma yimuphi umgwaqo okunqamula kuwo nanoma yiyiphi imoto ethutha udoti ehlinzekwe nguMkhandlu, bangafaka isicelo esisebenzini esigunyaziwe sokuthola imvume yokugqiba udoti emagcekeni abo, ngesizathu sokungakwazi ukufinyelela emigodini eyakhelwe bona ngendlela egculisayo isisebenzi esigunyaziwe. Bonke abanikazi noma abahlalayo abanikezwe igunya ngokwalo mthetho kamasipala, bazokhululwa ekukhokheni imali ebizwa nguMkhandlu maqondana nomsebenzi wokususwa kukadoti, ngaphandle kokuthi uMkhandlu unikeziwe amandla okubiza imali yokucubungula nanoma yisiphi isicelo esifikile kanye nokuhlolwa kwemigodi okwenziwa njalo okuyobalulwa emalini yentela yoMkhandlu.

(2) Isisebenzi esigunyaziwe singavuma kumbe sinqabe isicelo ngokubona kwaso futhi uma sivuma leso sicelo singabeka imibandela mayelana nendawo kanye nokumbiwa komgodi, ukulahlwa kukadoti lapho kanye nezinyathelo okumele zithathwe ukugwema nanoma yiluphi uhlobo lohlupho noma ubungozi kwezempilo okungadaleka lapho, njengoba kungahle kucatshangwe: ngaphandle uma isisebenzi esigunyaziwe singeke senqabe isicelo ngale kokuthi sibe nezizathu ezizwakalayo ezenza sikholwe ukuthi umgodi uzoba wuhlupho noma uzoba nobungozi kwezempilo kumbe ube yisizinda sokungcoliseka kwanoma yimuphi umfula, umsele noma ukusatshalaliswa kwamanzi.

(3) Ekuvumeni leso sicelo, isisebenzi esigunyaziwe siyonikeza umfakisicelo isitifiketi esizocacisa nanoma yimiphi imibandela okumele ayilandele ngokwale mithetho kamasipala. Isitifiketi okukhulunywe ngaso ngenhla kumele siyoba semthethweni isikhathi esiyonqunywa yisisebenzi esigunyaziwe noma kuze kube siyahoxiswa kumbe siyesulwa, noma yikuphi okuyokwenzeka kuqala.

(4) Isisebenzi esigunyaziwe nganoma yisiphi isikhathi ngokukhipha isaziso esibhalwe phansi, singashintsha, sichibiyele kumbe siguqule nanoma yimuphi umbandela okunoma yisiphi isitifiketi esikhishwe ngokwale mithetho kamasipala noma sikhiphe nanoma yimuphi umyalelo obhalwe phansi oya kumnikazi wesitifiketi ukuba enze noma yisiphi isenzo, into kumbe nanoma yini maqondana nomgodi, ukumbiwa komgodi omusha noma ukulahlwa kumbe ukusingathwa kwalowo doti.

(5) Uma umnikazi wesitifiketi esikhishwe ngokwale mithetho kamasipala ehluleka ukuhambisana nanoma yimiphi imibandela eshicilelwe kumbe noma yimuphi umyalelo wesisebenzi esigunyaziwe okhishwe ngokwale mithetho kamasipala, isisebenzi esigunyaziwe singabhalela umnikazi isaziso, simcela ukuba ahambisane nanoma yimuphi umbandela onjalo esikhathini esiyonqunywa yiso. Uma lowo mnikazi ehluleka ukuhambisana nemigomo yaleso saziso, isisebenzi esigunyaziwe singasesula kumbe sisihoxise isitifiketi sakhe okuyoholela ekutheni umnikazi lowo aphoqeleke ukubuyela asebenzise indlela yokususwa kukadoti ehlinzekwe nguMkhandlu, kuye ngemibandela maqondana nalokho

(6) Ukuqhubeka nokulahla udoti emgodini emva kokwesulwa kwesitifiketi esasikhishwe ngokwale mithetho kamasipala kuyoba yicala futhi kuyoholela ekutheni isephulamthetho sishushiswe

(7) Izihlinzeko zale sigaba semithetho kamasipala angeke zisebenze ekuzilahleleni udoti lapho lokho kuzilahlela kuyingxenye yomsebenzi owethulwa nguMkhandlu endaweni yokusebenza.

11. Udoti wasengadini

(1) Akukho muntu oyobeka, agcine noma alahle budedengu nanoma yimuphi udoti wasengadini kumbe avumele nanoma ngubani ukuba enze njalo, kunoma yimuphi umgwaqo, unqenqema, indawo evulekile yomphakathi kumbe yomnikazi ngaphandle kokuthola imvume yesisebenzi esigunyaziwe ebhalwe phansi.

(2) Isisebenzi esigunyaziwe, kuncike emibandeleni njengoba kubukeka kufanelekile, singakhipha imvume egunyaza ukugcinwa kukadoti wasengadini isikhashana onqenqemeni kumbe kwenye indawo efanele isikhathi esikalelwe uma kukhokhwe imali eyisibambiso ebekiwe ezimalini zentela yoMkhandlu.

(3) Uma noma ngubani ngubani ehluleka ukuhambisana nemibandela yanoma iyiphi imvume ekhishwe ngokwale mithetho kamasipala yokugcina udoti wasengadini okwesikhashana, imali eyisibambiso ekhokhiwe iyocwila eMkhandlwini futhi isisebenzi esigunyaziwe singahlela ukuthi kususwe lowo doti kuthi umuntu onikezwe imvume abhekane nezindleko ezidaleke ngesikhathi kususwa wonke udoti wasengadini kuleyo ndawo ebalulwe emvumweni okukhulunywa ngayo.

(4) UMkhandlu ungasungula kumbe uvume iziza zokudlulisela udoti wasengadini, lapho udoti wasengadini ungabekwa khona ukuze ususwe noma ngezinhloso zokugcwalisa umhlaba kuye ngemibandela ukuthi ngaziphi izinsuku nangamaphi amahora njengokokunquma koMkhandlu futhi kukhonjiswe esazisweni esisesizeni.

(5) Akukho muntu ongangena esizeni esakhiwe kumbe esivunywe nguMkhandlu ngokwale mithetho kamasipala ukuthi kulahlwe kuso udoti wasengadini nganoma yisiphi isikhathi ngaphandle kwezinsuku nezikhathi ezivezwe esazisweni esikhonjisiwe kumbe alahle nanoma yimuphi udoti ngaphandle kukadoti ovundisa ingadi kuleso siza.

12. Amacala kanye nezinhlawulo

(1) Noma ngubani -

(i) owaphula nanoma yisiphi isihlinzekelo sale mithetho kamasipala, lokho kwaphula okungachazwanga njengecala;

(ii) owaphula nanoma yimuphi umbandela kumbe othibela ukunikezelwa kwesicelo, ukuvunywa, igunya, imvume ngokwale mithetho

kamasipala; noma

(iii) owehluleka ukuhambisana nemigomo yanoma yisiphi isaziso anikezwa sona kumbe umyalelo anikwa wona ngokwale mithetho kamasipala, uyotholakala enecala.

(2) Nanoma ngubani owaphula nanoma yimuphi kule mithetho kamasipala uyotholakala enecala futhi uyogwetshwa, aboshwe, akhokhiswe inhlawulo-

(i) engeqile enkulungwaneni yamarandi (R 1000) noma agqunywe ejele isikhathi esingeqile onyakeni owodwa kumbe kokubili, inhlawulo nokuboshwa uma kuyicala lokuqala; futhi

(ii) uma sekuyicala lesibili kumbe sekuyinsakavukela ukwenza icala elifanayo, inhlawulo engeqile ezinkulungwaneni ezimbili z amarandi (R2 000) noma ukugqunywa ejele isikhathi esingeqile eminyakeni emibili kumbe kokubili, ukukhokha inhlawulo kanye nokuboshwa.

13. Ukushayisana Kwemithetho

Uma kunokushayisana phakathi kwale mithetho kamasipala kanye nanoma yimiphi eminye imithetho kamasipala yoMkhandlu maqondana nodoti, le mithetho kamasipala yiyona eyosebenza.

UMkhandlu kaMasipala wase Richmond, usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11 uma ufundwa ngokuhambisana nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: UMthetho Wezinhlelo ZikaMasipala, wezi -2000 (UMthetho No. 32 wezi 2000), lapha ushicilela iMithetho kaMasipala yamathuna.

IMITHETHO KAMASIPALA YAMATHUNA

ISAHLUKO 1

1. IZINCAZELO

Ngaphandle uma ingqikithi ichaza okunye-

"umuntu omdala" kuchaza nanoma yimuphi umuntu oshonile oseneminyaka engaphezu kweyi- 12, ibhokisi lakhe lomngcwabo elingakwazi ukungena emgodini ombelwe abantu abadala ngokwesigaba sama- 28;
"umlotha" uchaza izinsalela zesidumbu ezisala uma isidumbu sishisiwe;

"isisebenzi esigunyaziwe "kuchaza nanoma yisiphi isisebenzi soMkhandlu esigunyazwe nguMkhandlu ukuphatha, ukwenza, kanye/ kumbe ukuqinisekisa izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala;

"amabhemu" kuchaza amatshe abekwe nguMkhandlu azungeza amathuna;

"Umgcinimathunaumgcinimathuna" kuchaza umuntu ophethe isikhundla sombheki kumbe unsumpa wanoma yimaphi amathuna kumbe owenza lowomsebenzi eMkhandlwini;

"amathuna" kuchaza noma yisiphi isiqeshana sendawo ebekwe uMkhandlu eceleni ngaphakathi kuMasipala njengendawo yamathuna omphakathi;

"ingane" kuchaza nanoma yimuphi umuntu oshonile oneminyaka eyi- 12 kumbe ngaphansi ibhokisi lakhe elingangena engcwabeni elinqunyelwe izingane ngokwesigaba sama -40 (2);

"iMenenja KaMasipala" kuchaza iMenenja kaMasipala yoMkhandlu kumbe nanoma yimuphi umuntu osebenza ngegunya lanoma yimaphi amandlaanikezwe wona;

"usonkontileka" kuchaza umuntu okhokhe nanoma iyiphi imali yokutheliswa ebiziwe, noma othole ilungelo lokwenza nanoma yimuphi umsebemzi oyisikhumbuzo kumbe othole nanoma yimaphi amalungelo noma izinzuzo abekwe kule Mithetho kaMasipala;

"uMkhandlu" kuchaza uMasipala wase-Richmond kanye nabawulandelayo ngokomthetho futhi kubandakanya noMkhandlu walowo Masipala kumbe iKomidi

lawo Eliphezulu kumbe nanoma yimuphi umgwamanda osebenza ngegunya lamandla elinikezwe wona ngokoMthetho, kanye nanoma yisiphi isisebenzi esinikwe nanoma yimaphi amandla kanye nemisebenzi iKomidi Eliphezulu i emayelana nale Mithetho kaMasipala;

"ukushiswa kwesidumbu" kuchaza ukushiswa kwanoma isiphi isidumbu somuntu noma izinsalela kubeumlotha;

"isigaba esiwunqenqema "kuchaza isakhiwo okuxhunywa kuso imisebenzi yesikhumbuzo kumbe itshe lesikhumbuzo;

"isitsha somlotha" kuchaza isitsha sokulondoloza izinsalela zomlotha woshonile esinobukhulu obungama-175mm x 185mm x 110mm;

"insimu yesikhumbuzo "kuchaza isigaba sasemathuneni, ebekwe eceleni ukugcinwa kumbe ukusakazwa komlotha;

"ingcwaba" kuchaza nanoma yiliphi ingcwaba emathuneni lapho nanoma yimuphi umuntu ethole khona ilungelo lokungcwaba isidumbu esisodwa khona;

"ucwecwe lesikhumbuzo" kuchaza ucwecwe lesikhumbuzo olunobukhulu obungama 305 mm x 210 x mm x 15 mm olwenziwe ngetshe noma ngomabhuli lase lixhunywa odongweni lesikhumbuzo endaweni efanelekile;

"udonga lwesikhumbuzo" kuchaza udonga olunezingosi ezanele zokulondolozsa izitsha zomlotha lapho kungabekwa khona ucwecwe lesikhumbuzo kuphela;

"Umsebenzi wesikhumbuzo" kuchaza itshe lethuna, uthango, ukubiya, itshe lesikhumbuzo, umbhalo wesikhumbuzo kumbe nanoma yimuphi omunye umsebenzi owakhiwe kunoma yiliphi ithuna;

"uMasipala" kuchaza uMasipala wase-Richmond;

"ingosi yesikhumbuzo" ichaza ingxenye yodonga lwesikhumbuzo ezogcina isitsha somlotha esingama- 385mm x 185mm;

"uMbhali Wabashonile" kuchaza nayinoma yimuphi umuntu oqokwe nguHulumeni WaseRiphabhuliki YaseNingizimu Afrika ukubhalisa abashonile'

"isakhamuzi" kuchaza umuntu okuthe ngenkathi eshona ebe eyisakhamuzi esijwayelekile endaweni engaphansi kukaMasipala, ngaphandle kwabantu abayiboshwa ezisezibhedlela, ezikhungweni, kumbe abantu abayizakhamizi okwesikhashana endaweni engaphansi kukaMasipala;

"imali yokutheliswa eyisibizo" kuchaza imali yokutheliswa eyisibizo enqunywa nguMkhandlu isikhathi ngesikhathi.

ISIGABA 2

OKUVAMILE

2. Ukusungulwa kwamathuna

UMkhandlu ungabeka eceleni nanoma yiyiphi indawo ngenhloso yokuthi kube isemathuneni futhi akekho umuntu okumele avunyelwe ukungcwaba kunoma yiyiphi enye indawo ngaphandle kokuthola imvume yoMkhandlu ebhaliwe.

3. Izikhathi Zokungena kwezivakashi

Wonke amathuna ayovuleleka kumphakathi ngalezi zikhathi ezilandelayo: uMsombuluko kuya kuLwesihlanu 7:30 kuya ku- 16:00; ngeMigqibelo kusukela 6:30 kuya ku- 17:00 kuthi ngamaHolidi9:00 kuya ku- 16:00. UMkhandlu uyoba namandla okuvala amathuna ukuthi kungangeni umphakathi kuwo kumbe ingxenye ethile yawo isikhathi esithile ngokubona kwawo .

4. Ukugodlwa kwamathuna

(1) Akukho muntu ongadayisa kumbe adlulisele kunoma yimuphi omunye umuntu nanoma yiliphi ilungelo elimayelana nengcwaba elitholakale ngokwale mithetho kaMasipalangaphandle kwemvume ebhaliwe ku Masipala. Uma uMkhandlu ulinikeza lelo gunya lokudlulisela ithuna kuyomele lihambisane nemibandela yokuthi onke amalungelo ahlobene nokudlulisela ingcwaba eligodliwe kumele abhaliswe ngumgcinimathuna kanye nemali yokubhalisa njengalokhu inqunywenguMkhandlu ngokwemali yokutheliswa eyisibizo.

(2) Nanoma yimuphi umuntu ogodle ithuna kodwa ehluleka ukulisebenzisa esikhathini esiyiminyaka engama-50 kusukela ngosuku lokugodlwa kwalo, noma ongawazisi uMkhandlu ukuthi akanayo inhloso yokusebenzisa ithuna, unikeza uMkhandlu ilungelo lokudayisa ithuna. Amanani asebenzayo anqunywe nguMkhandlu ayokhokhwa ngokwamathuna adayisiwe.

(3) UMkhandlu angeke uphoqwe ukuba ubuyisele nanoma yiyiphi imali maqondana nethuna elidayisiwer ngokwalesi sigatshana sesi- (2).

5. Imikhosi ephathelene nenkolo

Kuncike ezihlinzekweni zale Mithetho kaMasipala, amalungu anoma iyiphi inkolo angenza imicimbi ephathelene nenkolo maqondana nanoma yimuphi umngcwabo kumbe inkonzo yesikhumbuzo ngemvume yoMkhandlu ebhaliwe.

6. Izinhlelo zamangcwaba, iziqinti kanye nezingosi

Izinhlelo ezikhombisa amangcwaba kanye nezingosi ahlukene ezikhona zigcinwa emahhovisi oMkhandlu ukuze zihlolwe mahhala.

7. Izikhalo

Nanoma yimuphi umuntu ofisa ukufaka isikhalo esiqondene nemibandela noma nokuphathwa kwezindawo zokungcwaba uyofaka isikhalo ngokubhalela iMenenja kaMasipala.

8. Amanani /Imali yokutheliswa

Amanani email yokutheliswa njengalohku inqunywe nguMkhandlu, kumele ikhokhwe eMkhandlwini ngemisebenzi eyenziwe ngokwale mithetho kaMasipala.

9. Imvume, isaziso , umyalo

Nanoma yiyiphi imvume, isaziso kumbe umyalo okhishwe nguMkhandlu ngokwale miMithetho kaMasipala, kuyosayinwa yiMenenja kaMasipala noma ngoyimele ogunyazwe yiyona futhi kumele kube nobufakazi balokho.

10. Imiyalelo yomgcini mathuna

Wonke umuntu oyingxenye yanoma yimuphi umngcwabo kumbe umcimbi emathuneni uyothobela umyalelo/ imiyalelo yomgcinimathuna/ isikhulu esiphethe.

11. Izimbali

Umgcinimathuna engazisusa izimbali ezibekwe emathuneni uma ebona ukuthi sezibunile.

ISAHLUKO 3

OKUNGAVUMELEKILE

12. Izingane

Umuntu ongaphansi kweminyaka eyi-12 akavumelekile ukungena kunoma yimaphi amathuna ngaphandle uma ehambisana nomuntu omdala omgadile.

13. Ukugcinwa kwezindlela zokuhamba

Bonke abantu emathuneni bayosebenzisa imigwaqo, izindlela zokuhamba ezigandayiwe kanye nezindawo ezihlinzekelwe ukuhamba abantu kuphela, ngaphandle uma iMithetho kaMasipala ikuvumela lokho.

14. Izindawo zokungena nezokuphuma emathuneni

Akekho umuntu oyosebenzisa ezinye izindawo zokungena nezokuphuma amathuneni ngaphandle kwalezo ezisemthethweni ezihlinzekiwe.

15. Ukwenziwa kwemisebenzi

Akekho umuntu oyosebenzisa nanoma yimuphi umgwaqo noma indlela emathuneni ngenhloso yokuthutha izimpahla, amaphasela kumbe nanoma iyiphi impahla ngaphandle uma kuhloswe ukuba isetshenziswe ngaphakathi emathuneni.

16. *Izenzo ezingavumelekile emathuneni*

(1) Akekho umuntu -

(a) ongenza okuphazamisayo ngaphakathi emathuneni;

(b) ongagibela nanoma yisiphi isilwane, ibhayisikili, i-skateboard kumbe ama-roller skate ngaphakathi emathuneni;

(c) ongadedela nayinoma yisiphi isilwane ukuba sihambe emathuneni;

(d) ongatshala, asike, akhe kumbe asike isitshalo noma imbali emathuneni ngaphandle kwemvume yomgcinimathuna;

(e) ongabhikisha kumbe abe yingxenye yakho kunoma yimaphi amathuna;

(f) ongavimba, anqabe kumbe aphikisane nomgcinimathuna kumbe nanoma yisiphi isisebenzi esiqashwe nguMkhandlu ekwenzeni imisebenzi yaso, kumbe onganqaba ukuhambisana nomyalelo kumbe isicelo lapho umgcinimathuna enelungelo lokusenza ngokwale Mithetho kaMasipala;

(g) ongabeka uphawu, adwebe kumbe abhale nanoma yini ezindongeni noma abeke izikhangiso ezakhiweni, othangweni kumbe emasangweni kanye nasematsheni esikhumbuzo noma kunoma yini esemathuneni/ engxenyeni yawo kumbe awonakalise nganoma yingayiphi indlela;

(h) ongahlala, ame, agxume kunoma yimuphi umsebenzi oyisikhumbuzo, isango, udonga, uthango kumbe nakunoma yisiphi esinye isakhiwo emathuneni;

(i) ongaba semathuneni nomqa isigaba sawo nganoma yisiphi isikhathi ngaphandle kwezikhathi ezishiwo esigabeni sesi-3 futhi nangezikhathi umphakathi osuvalelwe ngaso ukuba ungene emathuneni, futhi

(j) ongaqhuba nanoma yiliphi ibhizinisi, ayale, abukise kumbe asabalalise amakhadi ebhizinisi kumbe izikhangiso zebhizinisi emathuneni noma endaweni yokungena emathuneni ngaphandle kwemvume ebhaliwe yoMkhandlu.

17. Okuxubile

(1) Akekho umuntu okufanele alahle isidumbu nganoma iyiphi indlela, ngaphandle kokusingcwaba emathuneni kumbe sishiswe endaweni lapho kushiswa khona izidumbu evunywe ngokwezihlinzeko zoMthetho Wasemathuneni Nasezindaweni Zokushiswa Kwezidumbu waKwaZulu-Natali, 1996 (uMthetho No.12 we-1996).

(2) Akekho umuntu oyothola nanoma iliphi ilungelo lanoma yiliphi iliphi ibala kumbe ingcwaba kunoma yimaphi amathuna, ngaphandle kwamalungelo atholakala ngokwale Mithetho kaMasipala.

18. Ukuvezwa kwezidumbu

Akekho umuntu oyothutha isidumbu esimboziwe, noma ehamba eveza isidumbu kumbe ingxenye yaso, noma asuse isivalo sebhokisi elinesidumbukunam yisiphi isitaladi, emathuneni noma endaweni yomphakathi.

19. Umculo ngaphakathi emathuneni

Umculo ophezulu awuvumelekile ukuba udlalwe ngaphakathi emathuneni ngaphandle kwemvume yoMkhandlu, futhi nangaphandle- ke kwemingcwabo yoMbuso, aMaphoyisa noma yaMasosha.

20. Ukusebenzisa indlu yokukhonza kumbe igumbi

Akekho umuntu ongabamba inkonzo yomngcwabo endlini yokukhonza kumbe kunoma yiliphi igumbi elisemathuneni amaminithi angaphezu kwangama-45.

21. Amahora okungcwaba

Awukho umgcwabo okumele ubanjwe kwehora le-9:00 noma ngemuva kwele-17:00 nganoma yiluphi usuku ngaphandle kwemvume yoMkhandlu kuqala.

22. Isibalo samathuna

Akekho umuntu oyogxumeka isigxobo kunoma yiliphi ithuna elingabiwanga kahle nguMkhandlu futhi akekho umuntu oyongcwaba isidumbu engcwabeni elingagxunyekiwe isigxobo esimakiwe esinombolo ngokusemthethweni.

23. Ukubhidlika kanye nokonakala emathuneni

Akekho umuntu oyoshiya udoti, inhlabathi, itshe kumbe noma yiyiphi enye imfucumfucu emathuneni nanoma nini kumbe nanoma yingayiphi indlela alimaze kumbe aphule nanoma yiyiphi ingxenye yethuna noma yini enye esemathuneni.

24. Isimo sezulu esingesihle

Akekho umuntu oyogxumeka kumbe abeke nanoma yimuphi umsebenzi wesikhumbuzo uma isimo sezulu sisibi noma uma inhlabathi ingekho esimweni esihle, ngokubona koMkhandlu.

25. Ukuphazamiseka kwezinsalela zomuntu

Kuncike ezihlinzekweni zomyalo wokumbiwa kwesidumbu ezikhishwe ngokoMthetho Wokuhlola izidumbu we-1959, kumbe isigaba sama-20 soMthetho Wasemathuneni Nezindawo Zokushiswa Kwezidumbu WaKwaZulu-Natali we -1996 (uMthetho No.12 we-1996); kumbe ngokwenye inhlinzeko yanoma yimuphi omunye umthetho oqondene nokumbiwa kwezidumbu, akekho umuntu ovumelekile ukuphazamisa izinsalela zomuntu kumbe indawo ezungeze zona kunoma yimaphi amathuna.

ISAHLUKO 4

IMINGCWABO

26. Ukufakwa kwesicelo sokusebenzisa ithuna

(1) Nanoma yimuphi umuntu ofisa ukungcwaba isidumbu kumbe izinsalela emathuneni kufanele ahambise ifomu efanele kumgcinimathuna ngaphambi kwesikhathi somngcwabo. Isihlobo noma umuntu osondelene kakhulu nalowo ozofihlwa kufanele asayine ifomu lesicelo sokungcwaba.

(2) Uma imali yesicelo sokufihla isikhishiwe, uMkhandlu unganikeza lowo muntu ofake isicelo indawo yokungcwaba elungile ngokwesigatshana soku-(1).

(3) Asikho isidumbu kumbe izinsalela zomuntu eziyongcwatshwa emathuneni ngaphandle kwemvume yomgcinimathuna. Le mvume iyonikezwa kuphela emva kokulethwa kwencwadi ebhaliwe equkethe umyalelo wokungcwaba, yasayinwa nguMbhali Wabashonile ogunyaza ukungcwaba, futhi kwalethwa izethulo kanye neziphakamiso ngesaziso sokungcwaba. Ezimweni zonke lapho khona kuba nomcimbi ngemuva komngcwabo, umyalelo wemantshi uzokwethulwa kumgcinimathuna.

(4) UMkhandlu ungangcwaba nanoma yisiphi isidumbu mahhala uma uceliwe, kumbe ngokwezihlinzeko zanoma yimuphi umthetho osebenzayo.

27. Ukuguqulwa kosuku lokungcwaba

Uma kwenzeka kuba nezinguquko mayelana nosuku lokungcwaba kumbe isikhathi sokungcwaba ebesibekiwe, kufanele umgcinimathuna aziswe ngalolo shintsho okungenani emahoreni angama-24 ngaphambi kwesikhathi ebesinqunyelwe ukungcwaba. Ngenhloso yalesi sigaba, kufanele kunikizwe isaziso samahora

angama- 48 uma ngabe amahora angama-24 ashiwo ngenhla ebandakanya iSonto kumbe ingxenye yalo.

28. Izilinganiso zamangcwaba nemigodi yamangcwaba

(1) Ubude nobubanzi obamukelekile bengcwaba lomuntu omdala kufanele kube yizi - 2 500mm x 1 500mm kanti elengane kufanele libe ngu-1 500mm x 1 000mm.

(2) Ubude nobubanzi obamukelekile bomgodi wengcwaba lomuntu omdala kufanele kube yizi- 2 200 mm ubude kanye ne-900 mm ububanzi kanti okwengcwaba lengane lengane kufanele kube yi- 1 200 mm ubude kanye ne- 700mm ububanzi.

(3) Nanoma yimuphi umuntu dinga ingcaba ngenhloso yokungcwaba umuntu omdala, elinomgodi omkhulu kunowamukelekile, lapho efaka isicelo sokufihla, kuyofanele asho ubungako bebhokisi. Imali efanele yokunweba umgodi iyokho khwa eMkhandlwini njengoba kuchazwe emalini yokutheliswa.

29. Uma ibhokisi lengane lilikhulu kakhulu

Uma ibhokisi lengane likhulu kakhulu lingakwazi ukungena emgodini owabelwe ingane, kufanele lifakwe emgodini womuntu omdala bese kukhokhwa imali ekhokhelwa umgodi womuntu omdala.

30. Ukujula kwethuna

Alikho ithuna lomuntu omdala okufanele ukujula kwalo kube ngaphansi kwe-1 800 mm kanti elengane lona akufanele libe ngaphansi kwe-1 500mm.

31. Ukuvalwa komhlaba

Okungenani kufanele kube nemitha elilodwa lomhlaba phakathi kwebhokisi nenhlabathi ephezulu evale ithuna. Esimeni lapho khona amabhokisi efakwa emgodini owodwa ngokulandelana, okungenani kufanele kube nama- 300 mm omhlaba phakathi namabhokisi.

32. Amabhokisi ethuneni

Akekho muntu ongabeka noma yiliphi ibhokisi elakhiwe ngenye impahla ngaphandle kwalelo elakhiwe ngokhuni kumbe ezinye izimpahla ezibolayo ezivunywe nguMkhandlu ngaphandle uma lokho kubalulwe kweminye imithetho.

33. Isibalo sezidumbu ethuneni elilodwa

Akuvumelekile ukuba izidumbu ezimbili zingcwatshwe ethuneni elilodwa ngesikhathi esisodwa.

34. Ukugodlwa kwamathuna

Nanoma yimuphi umuntu ofisa ukugodla ithuna noma, ekushoneni komuntu, ofisa ukugodla ithuna elakhelene nalo, uma likhona, uyothola ilungelo, emva kokulikhokhela imali enqunyiwe emalini yokutheliswa, lokulisebenzisa lelo thuna ngenhloso yokungcwaba okuzayo.

35. Ukungcwaba kwesibili

(1) Nanoma yimuphi umuntu ofisa ukufaka isicelo sokungcwaba okwesibili ethuneni elilodwa, angakwenza lokho kuphela uma sekuphele iminyaka emibili kusukela ngosuku afihla ngaso isidumbu sokuqala kodwa uma kungukuthi ithuna lambiwe lashona ngaphambili noma ngesikhathi kulungiselelwa umngcwabo wokuqala.

(2) Umfakisicelo ofisa ukuthi isidumbu singcwatshwe ngenhloso yokungcwaba okwesibili emgodini–

(a) uyofaka isicelo kwifomu elifanele okungenani emahoreni angama-24 ngaphambi kokungcwatshwa; futhi

(b) asuse nanoma yimuphi umsebenzi oyisikhumbuzo kulelo thuna ngezindleko zakhe futhi ahambisane nazo zonke izidingo ezibekwe ngumgcinimathuna mayelana nalokhu.

ISAHLUKO 5

UMLOTHA

36. Ukuthola izingosi

Umuntu angathola ingosi emathuneni, uma ikhona, kuncike ezihlinzekweni zale mithetho KaMasipala kanye nasekukhokheni imali enqunyiwe.

37. Ukungcwatshwa komlotha

(1) Kuncike ezihlinzekweni zale mithetho kaMasipala, umlotha ungangcwatshwa ethuneni kodwa kuyosebenza yonke imiyalelo, izihlinzeko kanye nemali efanele ngokwale Mithetho kaMasipala eqondene nokufihlwa kwesidumbu ethuneni kanye nezinguquko ezifanele kulokhu. Umgodi wethuna ungaba mncane kunomgodi okalelwe ukungcwaba isidumbu.

(2) Awukho umlotha oyongcwatshwa ethuneni ngaphambi kokugculisa uMkhandlu ukuthi lowo mlotha ungowesidumbu somuntu futhi nezincwadi ezifanele ezidingekayo zilethiwe.

(3) Umlotha ongcwatshwe ethuneni kumele ubekwe endaweni yokungcwaba.

(4) Kumele okungenani kube nomhlaba oyi -100mm phakathi kwesitsha esinomlotha kanye nenhlabathi ephezulu evale ithuna.

(5) Kuyoncika ezihlinzekweni zale mithetho kaMasipala, ukungcwatshwa komlotha ethuneni eselike lasetshenziselwa ukungcwaba kungenziwa mahhala.

38. Ukubekwa komlotha oDongeni leSikhumbuzo, Ensimini yeSikhumbuzo kumbe eNsimini yoKukhumbula

(1) Nanoma yimuphi umuntu ofisa ukubeka isitsha esinomlotha wesidumbu engosini esoDongeni LeSikhumbuzo, Ensimini yeSikhumbuzo, kumbe eNsimini yoKukhumbula kumele alethe isicelo esiphelekezelwa yiSitifiketi Sokushiswa kwesidumbu ngokubhaliwe kumbe efomini elibekiwe kumgcinimathuna. Uma umgcinimathuna eneliswa ukuthi isiginesha yomuntu osondelene noma ophilayo oyisihlobo angeke itholwe ngesikhathi, ngokubona kwakhe angagunyuza ukuba isicelo sisayinwe ngomunye umuntu.

(2) Nanoma yimuphi umuntu ofaka isicelo ngokwesigatshana soku- (1) uzokhokha inkokhelo ebekiwe njengokunquma koMkhandlu.

39. Ukumbiwa komlotha

(1) Akekho umuntu oyomba umlotha kunoma yiliphi ithuna ngaphandle kwemvume yoMkhandlu kuqala noma ngaphandle kokuhambisana nayinoma yimiphi imibandela enqunywe nguMkhandlu.

(2) Izicelo zokumbiwa komlotha kumele zilethwe eMkhandlwini ekungenani emahoreni ayi-8 okusebenza ngaphambi kokumbiwa.

40. Ukusakazwa komlotha

Ukusakazwa komlotha endaweni ebekiwe kumbe eNsimini Yesikhumbuzo kuvunyiwe uma kutholakale imvume ebhaliwe kuMkhandlu.

ISAHLUKO 6

UKUMBULULWA KWEZIDUMBU NOKUVULWA KABUSHA KWAMATHUNA

41. Ukumbululwa

(1) Kuncike ezihlinzekweni zale Mithetho kaMasipala, kanye neminye imithetho, alikho ithuna eliyophinda livulwe ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi nguMkhandlu.

(2) Kuncike ezihlinzekweni zale Mithetho kaMasipala, akekho umuntu oyombulula kumbe abangele ukumbululwa kwesidumbu ngaphandle kokuthola imvume ebhaliwe yesisebenzi esigunyaziwe futhi kumele kukhokhwe imali yokumbulula isidumbu njengoba ikalwe nguMkhandlu ngaphambi kokuthi isidumbu simbululwe. Leyo mvume kumele ilethwe kumgcinimathuna okungenani izinsuku ezimbili ngaphambi kokumbululwa kumbe ukususwa kwesidumbu.

42. Ukuvalwa kwasemathuneni ngenxa yokumbiwa

Ngesikhathi kumbululwa isidumbu engcwabeni, amathuna ayovalwa futhi umphakathi angeke wavumeleka ukuba ungene uwasebenzise.

43 Ukuvikelwa kwemisebenzi

Ithuna okuzokhishwa kulo isidumbu kumele livikelwe kahle ukuthi lingabonakali ngenkathi limbiwa futhi kumele kuhlinzekwe isitsha esifanele okuyofakwa kuso izinsalela.

44. Isisebenzi esigunyaziwe kumele sibekhona

Angeke kumbiwe uma isisebenzi esigunyaziwe singekho.

45. Ukususwa kwesidumbu kwelinye ithuna siyiswa kwelinye nguMkhandlu

Kuncike ezihlinzekweni zale Mithetho kaMasipala kanye neminye imithetho, uMkhandlu ungasusa isidumbu kwelinye ithuna usiyise kwelinye.

I SAHLUKO 7

UKUNAKEKELWA KWAMATHUNA

46. Okuvamile

(1) Asikho isitshalo, isihlahla kumbe nanoma yini enye etshalekayo esingatshalwa emathuneni ngaphandle kwegunya loMkhandlu kanti uMkhandlu ungasebenzisa ukubona kwawo ukulungisa, ukugenca, usigubha kumbe ukusisusa isitshalo, isihlahla kumbe imbali nganoma yisiphi isikhathi

(2) Akekho umuntu ongaletha emathuneni, amise, ashintshe, apende, ahlanze, avuselele, ahlobise, asuse kumbe enze nanoma yini ngaphandle uma kuhlinzekwe kule Mithetho kaMasipala.

47. Indawo yomsebenzi wesikhumbuzo

Akekho umuntu oyokwakha nayinoma imiphi imisebenzi yesikhumbuzo kunoma yiliphi ithuna ngaphandle kwendawo ebalulwe gumgcinimathuna noma lokho kuhlinzekwe yile Mithetho kaMasipala.

48. Ukulungiswa komsebenzi wesikhumbuzo

Uma usonkontileka evumela umsebenzi wesikhumbuzo ukuba udilike noma ubeka amathuna engozini nangayiphi indlela, uMkhandlu ungamyala ukuba alungise lowo monakalo. Uma ngabe ukulungiswa obekudingeka kungenziwanga kuze kube kuphela inyanga emva kokuthi isaziso sesitholakele, uMkhandlu ungawulungisa ngokwawo umonakalo noma uwususe lowo msebenzi wesikhumbuzo ngaphandle kokukhokhela usokontileka imali yesinxephezelo.

49. Ukwengayelwa komsebenzi

Noma yimuphi umuntu obamba iqhaza kunoma yimuphi umsebenzi wakunoma yimaphi amathuna kumerle enze lowo msebenzi ngaphansi kweso nangokwanelisa umgcinimathuna.

50. Ukulinyazwa kwemisebenzi yesikhumbuzo

UMkhandlu angeke wamukele isibopho sanoma yikuphi ukulimala okwenzekile kumbe okungenzeka okungenziwanga ubudedengu bezisebenzi zoMkhandlu.

51. Ukugudluzwa komsebenzi wesikhumbuzo

Nanoma yingasiphi isikhathi ngemuva kwesaziso, uMkhandlu ungaguqula isimo somsebenzi, kumbe ushintshe indawo yanoma yimuphi umsebenzi wesikhumbuzo kunoma yimaphi amathuna.

52. Ukulethwa kwempahla yokusebenza emathuneni

(1) Akekho umuntu oyoletha nanoma iyiphi impahla yokusebenza emathuneni ngenhloso yokwakha nanoma yimuphi umsebenzi wesikhumbuzo kunoma yiliphi ithuna ngaphandle-

(a) uma uhlelo lomdwebo olutshengisa ubukhulu bezingxenye zomsebenzi wesikhumbuzo, umbhalo nendawo ozobekwa kuwo sekulethwiwe futhi kwavunywa ngumgcinimathuna.

(b) uma zonke izindleko eziqondene nethuna sezikhokhiwe; futhi

(c) uma uMkhandlu unikeze imvume ebhaliwe mayelana nalokhu.

53. Ukukhishwa kwemisebenzi yesikhumbuzo nguMkhandlu

Nanoma yimuphi umsebenzi wesikhumbuzo obekiwe, owakhiwe, oguquliwe, ohlotshisiwe, opendiwe ngokungahambisani nale Mithetho kaMasipala kumbe ngokoMkhandlu, ushayisana nemithetho nosikompilo lomphakathi,

ungakhishwa nguMkhandlu ngemuva kokwazisa umnikazi walowo , nangaphandle kokukhokha nanoma yisiphi isinxephezelo.

54. Izidingo zokwakhiwa komsebenzi wesikhumbuzo

(1) Nanoma yimuphi umuntu owakha umsebenzi wesikhumbuzo kumele ahambisane nezidingo ezilandelayo:

(a) Lapho nanoma yiyiphi ingxenye yanoma yimuphi umsebenzi wesikhumbuzo izoxhunywa kwenye ingxenye, kufanele kusetshenziswe insimbi, ophini noma ukhuni oluvunyiwe ukufeza le nhloso. Ophini noma ingxenye yokhuni kufanele kunele kulezi zimbobo futhi akufanele izimbobo zibe ngaphansi kwama-50mm ukushona kwazo.

(b) Nanoma yiyiphi ingxenye yomsebenzi esenhlabathini noma etsheni kumbe kwesinye isisekelo somsebenzi siyolinganiswa kahle sibe yisikwele.

(c) amatshe okukhulunywa ngawo esigatshaneni soku- (1) akumele angalingani ngobukhulu kumbe abe namakhona angalingani.

(d) Ingxenye engaphansi yomsebenzi wesikhumbuzo iyoba okungenani ngama-50mm ngaphansi kwezinga lwenhlabathi yemvelo.

(e) Alikho itshe eliwunqenqema eyosetshenziswa engu-230mm ngaphezu komhlaba noma ngaphezu kuka-230mm ubukhulu.

(f) Wonke amatshe angasekhanda kumbe awunqenqema kumele afakwe kahle aqiniswe ngezipikili zensimbi.

(g) Wonke amatshe afakwa ngasekhanda anobukhulu kuze kufinyelele ku-15mm kufanele axhunywe esisekelweni ngendlela evunyiwe

(h) Kufanele amatshe esikhumbuzo aqedwe ngaphambi kokuba azobekwa emathuneni.

(i) umsebenzi wesikhumbuzo kufanele wakhiwe ngemabuli noma nanganoma iliphi ilitshe eliqinile elivunyiwe. Amatshe athambile awavumelekile ukuthi akhe imisebenzi yezikhumbuzo.

(j) Esimweni lapho kukhona ithuna elilodwa, isigaba esiwunqenqema kumele sibe nengxenye yodwa eqinile.

(k) Akekho umuntu ongenza umsebenzi ohlangene netshe , ukubaza njll emathuneni ongaxhumene nokwenziwa komsebenzi oyisikhumbuzo ngaphandle uma lowo msebenzi uvunyiwe eMithethweni kaMasipala.

(l) yonke imisebenzi yesikhumbuzo kufanele ibe nesisekelo sikasimende esifanele esinetshe langasekhanda, bese kuthi lapho okuhlangana khona etsheni elinonqenqema, kufanele kuhlanganiswe kahle ngosimende futhi kulingane.

(m) uma umsebenzi wesikhumbuzo unesisekelo esiphansi, leso sisekelo akufanele sibe ngaphansi kwama- 900mm ubude kodwa futhi singabi ngaphansi kwama- 300mm x 300mm

(n) zonke izinhlanvu zamagama ezisemsebenzini wesikhumbuzo kumele zidwetshwe kuwona futhi akumele zibe ziphumele ngaphandle konqenqema lo msebenzi wezikhumbuzo.

(o) Ngemvume kaSonkontileka, igama lomakhi linganamathiselwe kunoma yimuphi umsebenzi wesikhumbuzo; inqobo nje uma kungeke kufakwe ikheli kanye neminye imininingwane.

55. Izimoto namathuluzi

Nanoma yimuphi umuntu obambe iqhaza kunoma yimuphi umsebenzi wakunoma yiliphi ithuna uyohlinzeka lezo zimoto, amathuluzi kanye nezinye izinto zakhw njengalokhu engazidinga.

ISAHLUKO 8

AMACALA NEZINHLAWULO

56. Izinhlawulo

Nanoma yimuphi umuntu owaphula enye yezihlinzeko zale Mithetho kaMasipala kumbe owehluleka ukuhambisana nayo noma owehluleka ukuhambisana nemibandela yanoma yisiphi isaziso anikwe sona nguMkhandlu ngokwale Mithetho kaMasipala uyotholakala enecala futhi okungenzeka , uma eboshwa, ukuthi akhokhe inhlawulo engeqile ezi- R2000 kumbe agqunywe ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyishumi nambili, kumbe kokubili inhlawulo kanye nokugqunywa ejele.

ISAHLUKO 9

UKUSHAYISANA KWEMITHETHO

57. Ukushayisana kwemithetho

Uma kukhona nanoma yikuphi ukushayisana okuthile phakathi kweMithetho kaMasipala kanye nanoma yimiphi eminye imithetho yoMkhandlu ehlobene namathuna, kuyosebenza le Mithetho kaMasipala.

UMkhandlu kaMasipala waseRichond, usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, futhi ufundwa ngokuhambisana nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo zikaMasipala, wezi- 2000 (UMthetho No.32 wezi-2000), lapha ushicilela iMithetho yawo kaMasipala yeMigwaqo Yomphakathi kanye neMithetho kaMasipala eNgxube.

IMITHETHO KAMASIPALA YEMIGWAQO YOMPHAKATHI KANYE NEMITHETHO KAMASIPALA ENGXUBE

1. Izincazelo

Kule Mithetho kaMasipala, nanoma yiliphi igama noma isisho esichazwe eMthethweni Wezemigwaqo kaZwelonke, we- 1996 (UMthetho No. 93 we-1996) linaleyo ncazelo futhi, ngaphandle uma ingqikithi ibalula okunye-

" Isisebenzi esigunyaziwe" kuchaza nanoma yimuphi umuntu noma isisebenzi esigunyazwe ngokubhalelwa lokho nguMkhandlu.

" UMkhandlu" kuchaza uMasipala wase-Richmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo Masipala noma iKomidi lawo eliPhethe kumbe nanoma yiluphi olunye uhlaka olusebenza ngokwamandla eluiwanikwe ngokomthetho, kumbe nayinoma yisiphi isikhulu esigunyaziwe nguMkhandlu sanikwa amandla nemisebenzi maqondana nale mithetho kaMasipala;

" inqodlana ephushwayo" kuchaza inqola ephushwayo, ikalishi eliphushwayo noma yinoma yini esatafula, esasitendi noma esabhasikidi enamasondo.

" isitolo sikamasipala" kuchaza isitolo sikamasipala soMkhandlu;

"inhlawulo enqunyiwe" kuchaza imali enqunywa izikhathi ngezikhathi nguMkhandlu ngokwenkokhelo emisiwe yoMkhandlu.

"umgcinisitolo" kuchaza umuntu osebenzela uMkhandlu onesikhundla sokuba umgcinisitolo noma umuntu osebenza kuleso sikhundla;

" umgwaqo womphakathi" kuchaza indawo evulekile, umgwaqo, uphevumente, indawo ephakathi komgwaqo enotshani, umhubhe, umgwaqo obanzi, ibhuloho, umhubhe womphakathi kanye nanoma iyiphi indlela yabantu bonke etshengiswe ohlelweni olwejwayelekile lwelokishi kumbe esimweni lapho umphakathi uthole imvume kumbe ilungelo ngenye indlela egunyazwe nguMkhandlu;

"uphawu" ngesimo senqodlana, kuchaza uphawu lapho igama noma igama lebhizinisi kanye nekheli lomnikazi libonakala khona;

"umsele wamanzi" kuchaza umsele wamanzi njengoba kuchaziwe esigabeni 1 soMthetho Wezamanzi kaZwelonke, we- 1998 (UMthetho No. 36 we- 1998);

ISAHLUKO 1

IMIGWAQO YOMPHAKATHI KANYE NENGXUBE

2. Izintambo, izingcingo noma izigxobo ezivundle emgwaqweni womphakathi

Akekho umuntu okumele abeke nanoma yiyiphi intambo, ucingo noma isigxobo phezu, ngaphansi noma kuvundle kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi, kumbe agaxe noma abeke nanoma yini lapho ngaphandle kokuqala athole imvume ebhaliwe yoMkhandlu.

3. Ukucekelwa phansi kwezihlahla

Akekho umuntu okumele agibele noma aphule kumbe alimaze nanoma ngayiphi indlela adwebe noma apende kunoma yisiphi isihlahla esisemgwaqweni womphakathi osendaweni kaMasipala yoMkhandlu, futhi akekho umuntu okumele, ngaphandle kokuqala athole imvume yoMkhandlu anqume, asikasike, agence noma asuse yinoma yisiphi isihlahla esithile ngaphandle uma umuntu egunyazwe ukwenze njalo njengokusho kwale Mithetho kaMasipala noma yinoma yimiphi eminye imithetho.

4. Ucingo oluhlabayo, uthango oluyingozi nolukagesi

(1) Akekho umnikazi noma osebenzisa umhlaba-

(a) ngale komnikazi noma kosebenzisa insimu noma ipulazi, ongagxumeka kumbe abangele, noma avumele ukuba kugxunyekwe eceleni kwanoma yimuphi umgwaqo womphakathi nanoma yiluphi ucingo lokubiya oluhlabayo kumbe uthango lwezinti, udonga noma eminye imigoqo enezipikili noma ezinye izinto ezicijile kumbe ngokwesimo sokwakhiwa noma kohlobo lwazo, ezingaba yingozi kunoma yiliphi ilungu

lomphakathi elisebenzisa lowo mgwaqo womphakathi noma indawo yomphakathi;

(b) kubalwa nomnikazi noma osebenzisa insimu noma ipulazi, ongagxumeka, abangele noma avumele ukuba kugxunyekwe eceleni komgwaqo womphakathi, noma emva konyaka owodwa kusuka osukwini lokuqalisa kokusebenza kwale Mithetho kaMasipala, nanoma yiluphi uthango lukagesi, uthango lwzinti zikagesi kumbe eminye imigoqo kagesi ngaphandle uma -

(i) uthango lwezinti noma omunye umgoqo ogxunyekwe phezu kodonga olwakhiwe ngezitini, usemende, ukhonkolo noma into efana nako, lolo donga lungekho ngaphansi kwamamitha amabili ubude, futhi

(ii) uthango; uthango lwezinti noma omunye umgoqo lwakhiwe futhi lufakwe ngokuhambisana nanencasiselo eneminingilizo efanele enqunywe nguMkhandlu kanye nanoma yimaphi amazinga akhishwe ngokoMthetho Wamazinga we- 1993 (UMthetho No. 29 we-1993);

(c) ongagxumeka, abangele noma avumele ukugxunyekwa kwanoma yiluphi uthango lukagesi, uthango lwezinti, udonga noma omunye umgoqo kagesi obalulwe endimeni (b) ngaphandle kokuqala athole imvume ebhalwe nguMkhandlu, leyo mvume inikezwa ngokoMthetho WeZakhiwo kaZwelonke kanye noMthetho Wamazinga eZakhiwo (UMthetho No. 103 we- 1977)

(2) Imininingwane ephelele yobuchwepheshe yothango lukagesi, uthango lwezinti kumbe eminye imigoqo kagesi kumele ihambisane nesicelo sokunikwa imvume esihanjiswa eMkhandlwini.

5. Ukuvikelwa komgwaqo womphakathi

Akekho umuntu okumele abeke noma athululele emgwaqweni womphakathi nanoma yiziphi izimpahla ezingadala ukulimala komgwaqo womphakathi ngaphandle uma umuntu enze izaba zokuvimbela ezifanele zokuvikela ingaphezulu lomgwaqo womphakathi ekulimaleni.

6. Ukuhlanzeka kwemigwaqo yomphakathi

Akekho umuntu okumele achithe, aconsise noma abeke kumbe avumele ukuba kuchithwe, kuconsiswe noma kubekwe kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi nainoma yini kumbe okusaketshezi okungathikameza ukuhlanzeka komgwaqo womphakathi, noma kudale noma okungadala ukunyanyeka, ingozi kubantu, ezilwaneni, ezimotweni noma kwezinye izithuthi ezisebenzisa lowo mgwaqo womphakathi, ngaphandle kokuba akususe noma azame ukuba kususwe kulowo mgwaqo womphakathi ngokushesha.

7. Umbhalo obekwe esakhiweni esibheke emgwaqweni womphakathi

Akekho umuntu okumele abeke nanoma yimuphi umbhalo ongadala ukulimala noma ingozi kunoma yimuphi umuntu noma empahleni uma ungawa, kunoma yisiphi isakhiwo noma kwenye ingxenye yesakhiwo esiseduze kwanoma yimuphi umgwaqo womphakathi ngaphandle kokuthatha izinyathelo ezifanele zokuthi ungaweli engwaqweni womphakathi.

8. Ukucekelwa phansi kwempahla yoMkhandlu

Kuncike ezihlinzekweni zesigaba 10, akekho umuntu okumele adwebe ngemidwa, athikameze, alimaze, asuse noma aphazamise nanoma yingayiphi

indlela impahla noma umsebenzi woMkhandlu osemgwaqeni womphakathi noam eceleni kwawo.

9. Ukuhlanza nokukhanda emigwaqweni yomphakathi

Akekho umuntu okumele ahlanze noma akhande nanoma yiyiphi ingxenye yemoto kumbe awashe, omise noma apende nanoma yini kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi ngaphandle uma kungukukhandwa kwemoto ephukile okuphuthumayo.

10. Izindawo ezimbiwe emigwaqweni yomphakathi

(1) Akekho umuntu okumele enze noma adale ukuba kwenziwe yinoma omuphi umgodi, umsele noma uhoho emgwaqweni womphakathi noma ngaphansi kwawo noma asuse nanoma yiyiphi inhlabathi, amatshana okuqinisa umgwaqo noma amatshe awuhlwayi ngaphambi kokuqala athole imvume ebhalwe nguMkhandlu, ngaphandle uma lowo muntu egunyazwe ukwenze njalo ngokwale Mithetho kamasipala noma yinoma yimuphi omunye umthetho.

(2) Umuntu odinga imvume ebalulwe esigatshananeni (1) kumele ahambisane nezidingo ezinqunywa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi.

(3) UMkhandlu ungadinga ukuthi umuntu obalulwe esigatshaneni (2) ukuba akhokhe imali enqunyiwe noma abhaliswe eMkhandlwini.

11. Ukudweba ngemidwa, ukumakwa noma ukupendwa kwemigwaqo yomphakathi

Akekho umuntu okumele nanoma ngayiphi indlela adwebe ngemidwa, amake noma apende nanoma yimuphi umgwaqo womphakathi noma ingxenye yawo ngaphandle kokuqale athole imvume ebhalwe nguMkhandlu.

12. Imicimbi yemijaho neyemidlalo

(1) Isicelo semvume yokuba nemicimbi yemijaho noma yemidlalo kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi ngokoMthetho Wezemigwaqo kaZwelonke, we- 1996 (UMthetho No.93 we-1996), kumele sihanjiswe ngokubhalela uMkhandlu efomini elinqunyelwe lokho okungenani ezinsukwini ezingama- 60 ngaphambi komcimbi ohlongozwayo.

(2) Ofake isicelo kumele akhokhe idiphozithi enqunyiwe yezindleko ezingadaleka ngesikhathi somjaho noma semidlalo, eMkhandlwini ngaphambili kokuqalisa komjaho noma imidlalo, futhi nanoma yikuphi ukulungiswa kokuvumelana komunye nomunye kumele kwenziwe emva kokuqedwa komjaho noma kwemidlalo emva nje kokuba uMkhandlu usunqume izindleko zangempela ezidalekile eMkhandlwini.

13. Ukuzulazula emigwaqweni yomphakathi

(1) Akekho umuntu okumele -

(a) alale noma ahlale ngendlela ephazamisa ukuhamba kwezimoto kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi;

(b) ame, abuthane, alwayize, ahambe, noma- ke enze nanoma yini nganoma eyiphi indlela emgwaqeni womphakathi engaphazamisa ukuhamba kwezimoto, kumbe

(c) agudlumeze noma alwayize emamitheni angama- 20 esango lokungena lanoma iyiphi indawo yokukhonzela umphakathi ngesikhathi senkonzo noma ngesikhathi sokuhlangana endaweni yokukhonzela, noma endaweni yokuphuma yaleyo ndawo yokukhonzela ngendlea ezophazamisa noma icike nanoma yibaphi abantu abazokwethamela noma abaphuma kuleyo ndawo yokukhonza.

(2) Nanoma yimuphi umuntu owenza nanoma yiziphi izenzo ezingavunyelwe ezibalwe esigatshananeni (1) kumele, lapho eucelwa yisisebenzi esigunyaziwe ukuba ayeke ukwenze njalo, uma ehluleka ayilokho, lowo muntu uyobekwa icala lokwaphula umthetho.

14. Ukulwayiza nokuhamba ucela kubantu ezindaweni zokuzithokozisa zomphakathi

(1) Akekho umuntu okumele alwayize noma abuthane kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi emamitheni angama- 20 eduze nendawo yokungena yanoma yiyiphi indawo yokuzithokozisa yomphakathi ngendlela ezothikameza ukuhamba kwezimoto noma kwabantu abeze lapho, noma abaphuma kuleyo ndawo yokuzithokozisa, ngaphandle uma lowo muntu eyingxenye yabantu ababambe umugqa.

(2) Akekho umuntu okumele ahambe ecela kubantu noma ezicelela kubashayeli bezimoto abapake izimoto zabo ezindaweni zokuzithokozisa ngenhloso noma ngezaba zokuqapha izimoto ngesikhathi besekuleyo ndawo noma sebehamba lapho, ngaphandle kokuqala athole imvume yoMkhandlu.

15. Ukuhlonipha umphakathi

(1) Akekho umuntu okumele abonakale engagqokile kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi.

(2) Akekho umuntu okumele achame noma azikhulule noma aziphathe nganoma yiyiphi indlela engahloniphekile kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi, ngokuthi asebenzise nanoma yikuphi ukuma komzimba okungahloniphekile noma enze, acule noma abangele nanoma yimuphi umuntu ukuba enze nanoma yisiphi isenzo esinodlame, sokuchwensa noma sokungahloniphi.

(3) Akekho umuntu okumele acule yinoma yiphi iculo elinenhlamba kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi noma asebenzise yinoma yiluphi ulimi olunenhlamba, olungahloniphekile noma oluhlambalazayo.

(4) Akekho umuntu okumele nganoma yiyiphi indlela alwayize noma azicelele noma afundekele yinoma yimuphi omunye umuntu ngenhloso yokucela kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi.

(5) Akekho umuntu okumele asebenzise amagama aziswana, ahlukumezayo noma thukayo ngenjongo yokususa uthuthuva noma lapho kungathi luyadingeka khona kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi.

16. Izinqodlana eziphushwayo

(1) Umnikazi wenqodlana ephushwayo kumele anamathisele uphawu olunqunyelwe ukusetshenziswa endaweni esobala yenqodlana ephushwayo.

(2) Umnikazi noma umuntu olawula noma ogada inqodlana ephushwayo noma onikela ngayo ukuba isetshenziswe yinoma yimuphi umuntu, kumbe

oyisebenzisela nanoma yiyiphi enye inhloso, akumele ayishiye yodwa noma avumele ukuba imane ishiywe nje kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi.

(3) Nanoma yiyiphi inqodlana eshiyiwe nje kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi kumele isuswe, noma kwenziwe ukuba isuswe, yinoma yisiphi isisebenzi esigunyaziwe bese ibekwe ngaphansi konakekelo lomgcinisitolo.

(4) Umgcinisitolo kumele agcine nanoma yiyiphi inqodlana ephushwayo ebekwe ngaphansi konakekelo lwakhe ngokwesigatshana (3), esitolo sikamasipala futhi uMkhandlu kumele ashicilele isaziso emaphephandabeni amabili azungeza kuleyo ndawo kamasipala kanye ngenyanga ezinyangeni eziyishumi nanye onyakeni kubalwa kusuka ngosuku lokuqala likaMasingana, esibalula-

(a) igama lomnikazi wenqola ephushwayo, uma laziwa;
(b) inani lezinqodlana eziphushwayo ezigciniwe;
(c) ukuthi inqodlana ephushwayo ingazolandwa ngumnikazi eMkhandlwini ngokukhokha inhlawulo yokubekwa enqunyiwe;
(d) ukuthi nanoma yiyiphi inqodlana ephushwayo engalandwanga emva kwesikhathi esiyizinyanga ezintathu kusuka ekushicilelweni kwesaziso leso, ingadayiswa nguMkhandlu endalini yomphakathi yokubhida; futhi
(e) ukuthi imali etholakele endalini yomphakathi kuyoba ngeyoMkhandlu.

(5) UMkhandlu angeke ubekwe icala ngokuntshontshwa, ngokulimala noma ngokulahleka kwanoma yiyiphi inqodlana ephushwayo ngesikhathi igcinwe esitolo sikamasipala noma ngokudayiswa kwayo endalini yomphakathi.

17. Iminikelo emigwaqweni yomphakathi

(1) Ayikho iminikelo okumele ihlelwe kumbe yenziwe emgwaqeni womphakathi ngaphambi kokuthi kutholakale imvume ebhaliwe yoMkhandla kuqala.

(2) Izicelo zalezi zimvume kumele zenziwe efomini elihlinzekelwe le Nhloso nguMkhandlu.

(3) UMkhandlu unganikeza imvume okukhulunywe ngayo esigatshananeni (1) enhlanganweni noma kumuntu ukuba aqoqe umnikelo emgwaqweni womphakathi obaluliwe, osukwini nangesikhathi esibaluliwe futhi yiwo onelungelo lokunquma inani lemicimbi yeminikelo engenziwa osukwini olulodwa emgwaqeni womphakathi lowo obaluliwe.

(4) Ileyo naleyo nhlangano kumbe umuntu ozoqoqa umnikelo emgwaqeni womphakathi unelungelo lokusebenzisa amabhokisi akhe omnikelo ahlonzekayo futhi uma nanoma yiyiphi inhlangano kumbe umuntu engenawo amabhokisi, kungasetshenziswa amabhokisi omnikelo oMkhandlu emva kokukhokha inkokhelo enqunyiwe.

18. Ukulawulwa kwamanzi ezikhukhula nemisele yamanzi emgwaqweni womphakathi

(1) Akekho umuntu okumele, ngaphandle kokuqala athole imvume yoMkhandlu, lapho imvume ingaba nemibandela noma ingabi nambandela-

(a) adonsele noma akhiphele yinoma yimaphi amanzi emgwaqweni womphakathi noma ngaphezu kwawo; noma
(b) nganoma yiziphi ezinye izindlela, aphakamise izinga lamanzi kunoma yimuphi umfula, idamu noma emseleni wamanzi okungadala

ukuphazamisa noma okungalimaza nanoma yimuphi umgwaqo womphakathi.

(2) Kuncike kunoma yimiphi imithehto esebenzayo nangemva kokuthola imvume yomnikazi nosebenzisa leyo ndawo, uma ikhona uMkhandlu -

(a) ungaphambukisa yinoma yimuphi umsele wamanzi, umfudlana noma umfula uma ukuphambukisa kudingeka ukuba kuvikelwe umgwaqo womphakathi noma isakhiwo esihlangene nomgwaqo kumbe ukwakhiwa kwesakhiwo esixhumene noma okungesomgwaqo womphakathi;

(b) ungaphambukisa amanzi ezikhukhula asuka noma angaphansi kwanoma yimuphi umgwaqo womphakathi aye ayongena endaweni yomuntu ngaphandle kwendawo enezakhiwo, ezinye izakhiwo noma okulungiswayo; futhi

(c) ungakhokha isinxephezelo esifanele njengoba kuvunyelwene phakathi komnikazi noma osebenzisa leyo ndawo noMkhandlu, sanoma yimuphi umonakalo odalekile ngenxa yanoma yisiphi isinyathelo esithathwe ngaphansi kwesigaba (a) noma (b).

19. Ukuphazamisa emigwaqweni yomphakathi

Akekho umuntu ongalahla noma enze ukuba kulahlwe noma ashiye noma enze ukuba kushiywe isihlabathi, itshe, inhlabathi, izitini, amapulangwe, umcako, usemende noma enye impahla yokwakha yanoma yiluphi uhlobo kunoma yiyiphi ingxenye yanoma yimuphi umgwaqo womphakathi, onqenqemeni noma endleleni yabahamba ngezinyawo ngaphandle uma ilahlwe endaweni ebiyelwe ngokuqala kutholwe imvume ebhaliwe yoMkhandlu.

20. Imvume yokufaka isaziso ezigxotsheni ezisendleleni yabahamba ngezinyawo

(1) Nanoma yimuphi umuntu omisa, osusa, oguqula, okhanda noma openda yinoma yisiphi isakhiwo noma owenza yinoma yikuphi ukumba kunoma yiyiphi ingxenye esemgwaqweni womphakathi ngamamitha amabili, ngaphambi kokuba aqalise lowo msebenzi, kumele abiyele noma enze ukuba kubiyelwe isikhala esingaphambili kwaleyo ngxenye yesakhiwo.

(2) Uma ukubiyela kuthatha noma kuklapakela kunoma yiyiphi ingxenye yomgwaqo womphakathi, umuntu kumele afake isicelo semvume ebhalwe eMkhandlwini futhi uma umuntu ofake isicelo engeyena umnikazi wesakhiwo noma womhlaba lapho umsebenzi wenziwa khona noma uzokwenziwa khona, umnikazi kumele asayine naye isicelo leso.

(3) UMkhandlu kumele unqume ukuthi yiyiphi ingxenye yomgwaqo womphakathi edingekayo ngenhloso yokwenza nanoma yimuphi umsebenzi wesakhiwo futhi nakuzo zonke izehlo lapho kunqunywe kanjalo ukuthi umgwaqo womphakathi ungasetshenziselwaa lezo zinhloso,uMkhandlu unikeza imvume ngokubhala ubeka ngaphandle ingxenye engasetshenziselwa leyo nhloso kanye nemibandela leyo mvume ekhishwe ngaphansi kwayo.

(4) UMkhandlu yiwo onelungelo lokugodla ukukhishwa kwezimvume ezidingeka ngokwalesi sigaba kuze kube yonke imali enqunyiwe seyikhokhiwe futhi ukwamukelwa kwanoma yiyiphi imvume ngofake isicelo ngaphandle kwsiphikiso, kwenziwelwa ukukhomba ukuthi zonke izinqenqema zemigwaqo, imisele kanye neminye imisebenzi yayisesimweni esifanele osukwini okwakhishwa ngayo leyo mvume.

(5) Ileyo naleyo mvume ekhishwe nguMkhandlu yokumisa isigxobo lokufaka isaziso, uthango, isikhafula noma ukubiyela noma indlwana yamapulangwe kumele ibalule indawo kanye nesikhundla saleyo ngxenye yomgwaqo womphakathi lapho

ukubiyela, ukulenga noma ukwemboza kuvunyeliwe kanye nesikhathi imvume eyanikezwa ngaso.

ISAHLUKO 2

IZINDABA ZOKUHAMBA KWEZIMOTO

21. Ukulawula ukuhamba kwezimoto

(1) Isikhulu esigunyaziwe singalayela zonke izimoto ngezinhlabamkhosi ezigqamile nezizwakalayo futhi wonke umuntu kumele athobele leyo nhlabamkhosi.

(2) Akekho umuntu okumele aphazamise, avimbele, ahlukumeze noma aphazamise nanoma yisiphi isikhulu esigunyaziwe ekusebenziseni amandla ngokwale Mithetho kaMasipala.

22. Ukukotela ezimotweni ezihambayo

Akekho umuntu ohamba nganoma yikuphi okushovwayo, isithuthuthu, umkhunjana ogudla ulwandle, isihlibhi, isikeyiti esihamba ngamasonjwana noma enye into ethi mayifane nawo, okumele akotele kuyo noma anombele yena kumbe ibhayisikili lakhe kunoma yiyiphi enye imoto ehambayo, kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi.

23. Ukuvinjelwa kwezimoto ezidonswa yizilwane

Akekho umuntu okumele ashayele kumbe abangele ukuthi kushayelwe ikalishi elidonswa yizilwane emigwaqweni yomphakathi endaweni enqunyelwe

ukusetshenziswa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi, eceleni noma adlule kulezo zingxenye zaleyo migwaqo yomphakathi enqunywe nguMkhandlu.

24. Ukususwa kwezithiyo

(1) Uma nanoma yimuphi umuntu edala ukuthikamezeka kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi noma endaweni yomphakathi, isikhulu esigunyaziwe singatshela lowo muntu ukuba ayeke ukwenza lokho noma ukuba asuse isithiyo esishiwoyo.

(2) Lapho umuntu othikamezayo engatholakali, ehluleka noma eziba ukususa, kumbe ukuba ayeke loko kuthikameza, isikhulu esigunyaziwe singathatha izinyathelo ezifanele ukuba kususwe isithiyo noma ukuvimbela ukuqhubeka kwaso futhi uMkhandlu ungamkhokhisa lowo muntu izindleko zokususwa kwesithiyo, esimweni lapho umuntu ehluleka noma eziba ukususa noma ukunqamula ukuthikameza.

25. Imidlalo, ukujikijelwa kwamatshe emigwaqweni yomphakathi

(1) Akekho umuntu okumele aginqe yinoma yiliphi isondo noma andizise yinoma yiliphi ikhayithi noma ajikijele amatshe noma asebenzise yinoma yimuphi umtsalo nomcibisholo, noma nganoma yiyiphi indlela adedele yinoma yini ejikijelwayo ngaphezu noma inqamule kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi, noma adlale ikhilikithi, ibhola lezinyawo noma yinoma yimuphi omunye umdlalo kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi.

(2) Akekho umuntu okumele amise itende noma abeke izihlalo kumbe nanoma yiyiphi impahla emgwaqweni womphakathi ngenhloso yomngcwabo, yephathi kumbe nanoma yimuphi omunye umcimbi ngaphandle kokuqala athole imvume ebhaliwe yoMkhandlu.

26. Ukufaka izinsimbi ezinyaweni nokugeza izilwane emigwaqweni yomphakathi

Akekho umuntu okumele afake izinsimbi ezinyaweni zanoma yisiphi isilwane, kumbe ageze, agqokise, afundise, akhaphele noma athukulele izinkomo emgwaqweni womphakathi.

27. Izilwane emigwaqweni yomphakathi

(1) Akekho umuntu okumele ashiye yinoma yisiphi isilwane esilimele kakhulu, esingenamandla, esondile, esigulayo noma esifayo kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi ngaphandle uma kungokwenhloso yokufuna usizo lokususwa kwaleso silwane.

(2) Nanoma yiyiphi imfuyo ewumhlambi emgwaqweni womphakathi osendaweni kamasipala woMkhandlu ingathathwa yinoma yisiphi isikhulu esigunyaziwe siyiyise endaweni eqokwe nguMkhandlu.

(3) Nanoma yimuphi umuntu owephula isigatshana (1) uyobekwa icala, ngaphezu kokukhokha inhlawulo enqunywe nguMkhandlu, uyokhokhela uMkhandlu izindleko ongene kuzo ngokusebenza ngokuvumelana nesigatshana (2).

28. Amacala nezinhlawulo

Nanoma yimuphi umuntu-

(a) ophikisana noma ohluleka ukuhambisana nanoam yiziphi izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala

(b) ohluleka ukuhambisana nanoma yisiphi isaziso esikhishwe ngokwale Mithetho kaMasipala; noma

(c) ohluleka ukuhambisana nanoma yimuphi umyalelo osemthethweni onikezwe ngokwale Mithetho kaMasipala; kumbe

(d) othikameza noma ovimbela nanoma yimuphi umuntu omele uMkhandlu kumbe isisebenzi sawo esigunyaziwe ekwenzeni imisebenzi sawo ngaphansi kwale Mithetho kaMasipala,

Uyotholakala enecala futhi uyobhekana nokuthi akhokhe inhlawulo engeqile ezi-R2000 noma uma ehluleka ukukhokha abhadle ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyi- 12.

29. Ukuphikisana kweMithetho kaMasipala

Uma kukhona ukuphikisana phakathi kwale Mithetho kaMasipala neminye iMithetho yoMkhandlu, le Mithetho kaMasipala yiyona eyosetshenziswa.

No. 115 **1 kuLwezi 2010**

UMkhandlu kaMasipala waseRichond usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, ufundwa ngokuhlanganyelwa nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya:uMthetho Wezinhlelo zikaMasipala, wezi-2000 (uMthetho No.32 wezi-2000), lapha ushicilela iMithetho yawo kaMasipala Yokwakha Ngokungemthetho.

IMITHETHO KAMASIPALA YOKWAKHA NGOKUNGEMTHETHO

1. Izincazelo

Kule Mithetho Kamasipala, noma iliphi igama kumbe isisho esichaziwe kuMthethonqubo kaZwelonke wokwakha namazinga okwakha oMthetho, we-1977 (UMthetho No.103 we-1977), inaleyo ncazelo futhi, ngaphandle uma ingqikithi ikhomba okunye-

"isisebenzi esigunyaziwe" kuchaza noma yisiphi isisebenzi soMkhandlu esigunyazwe nguMkhandlu ukuphatha, ukwenza,kanye/noma nokuphoqelela izihlinzeko zale mithetho kaMasipala.

"UMkhandlu" kuchaza uMasipala waseRichmond kanye kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi ubandakanya uMkhandlu walowo Masipala noma iKomidi Eliphethe kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenza ngokwamandla oluwanikwe ngokomthetho kanjalo nayinoma yisiphi isikhulu esigunyazwe yiKomidi Eliphethe sanikwa amandla nemisebenzi maqondana nale Mithetho Kamasipala ;

"ukwakha ngokungemthetho" kuchaza noma iyiphi impahla ebonakalayo evimbile esakhiweni zikaMasipala, noma isiphi isakhiwo esiphethwe nguwo uMasipala noma isiphi isakhiwo okunegunya nesivumelwano sokuba sisetshenziswe noma isakhiwo olungelo laso lirejistiwe ngaphansi koMasipala.

"m" uchaza imitha ;

"mm" uchaza imilimitha ;

"Imali enqunyiwe" kuchaza imali enqunywa nguMkhandlu ngokuhamba kwesikhathi ngokohlelo olubekiwe lokutheliswa kwezimali

"umgwaqo womphakathi" kuchaza noma yimuphi umgwaqo, isitaladi noma indlela yokuhamba yezinyawo noma iyiphi indawo (okungeyona eyokuhamba abantu)

ejwayele ukusetshenziswa umphakathi nanoma iyiphi enye ingxenye noma ingxenye lapho umphakathi unegunya lokuyisebenzisa, futhi ifaka-

(a) Umkhawulo wanoma yimuphi umgwaqo, isitaladi noma indlela yezinyawo ;

(b) noma yiliphi ibhuloho, nanoma isiphi isikebhe sokuwelisa noma izibuko eliyindlela yokuwela umigwaqo,isitaladi noma indlela yezinyawo kanye

(c) Nanoma yimuphi omunye umsebenzi noma impahla eyingxenye noma ephathelene nomgwaqo, isitaladi noma indlela yezinyawo.

2. Imvume edingekile yoMkhandlu maqondana no 4(a) no (b)

(1) Akekho umuntu ongakha noma enze nanoma yimuphi umhubhe onophahla, uvulandi, umpheme, amafasitela akhiwe aphumela ngaphandle, izibani zesitubhi umbukiso noma yini ephume yalengela kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi ngaphandle kwemvume ebhaliwe.

(2) UMkhandlu unganqaba ukukhipha imvume edingekile ngokwesigatshana (1) noma ungayinika leyo mvume kungaba ngaphandle kwemibandela noma ngaphansi kwemibandela kuye ngokukhokhwa kwemali enqunyiwe yaminyaka yonke noma ukwenziwa kwemisebenzi nnjengokunquma koMkhandlu esimweni ngasinye futhi kuye ngokukhokhwa kwemali enqunyiwe.

(3) Izimali ezinqunyiwe esichazwe esigatshaneni (2) zikhokhwa ngaphambi kwesikhathi njalo ekuqaleni konyaka, zibalwa kusukela ngosuku okutholakale ngalo imvume noma ngesikhathi esinqunywa nguMkhandlu, futhi umnikazi kumele akhokhe imali enqunyiwe ngokwale Mithetho Kamasipala ngesakhiwo ngasinye esakhiwe ngokungemthetho.

(4) Umnikazi wesakhiwo esakhiwe ngokungemthetho kumele esikhathini esiyizinyanga ezintathu emva kokuqalisa kokusebenza kwale Mithetho Kamasipala afake isicelo esibhaliwe eMkhandlwini sokuxolelwa mayelana -

(a) nobukhona besakhiwo esakhiwe ngokungemthetho ;

(b) nesilinganiso sobukhulu bokuvundla kwaleso naleso sakhiwo esakhiwe ngokungemthetho- kuhambisana nomngcele womgwaqo okulengele kuwo lesi sakhiwo esakhiwe ngokungemthetho; kanye

(c) nokukhokhwa kwemali efanele.

(5) Zonke izakhiwo ezakhiwe ngokungemthetho maqondana nezakhiwo kumele zibe nesilinganiso sobukhulu bokuvundla obulingana nohlanganothi olungaphambi komgwaqo ezikuwo kumbe ezilengela kuwo lapho kunesakhiwo okukhulunywa ngaso, kuze kube uMkhandlu uyaziswa ngesilinganiso sobukhulu bokuvundla kwesakhiwo esakhiwe ngokungemthetho ngokwesigatshana(4)(b).

3. Imithetho yokwakhiwa kwezakhiwo ezakhiwe ngokungemthetho

(1) Umumo, ukuhleleka kanye nokwakhiwa kovulande, imipheme, amafasitela aphumele ngaphandle kanye nezakhiwo ezakhiwe ngokungemthetho zalengela emgwaqeni womphakathi, kanjalo nezitubhi, unqenqema lomgwaqo kanye nomsele wamanzi kumele kugculise futhi kube sezingeni elivunywe nguMkhandlu.

(2) Uma uthayela usetshenziselwe ukwemboza uvulande, ingxenye engaphezulu kumele ipendwe.

(3) Uvulandi olengele emgwaqeni womphakathi mawuhambisane, nokuphakama kanye nemininingwane yovelanda oxhunywe kubo abavele bekhona.

4. Izinsika

(1) UMkhandlu unganquma izindawo ezingaphakathi komngcele kamasipala lapho kungekho muntu ovunyelwe ukumisa izinsika zovulande ezilengele kunoma imuphi umgwaqo womphakathi noma isitubhi.

(2) Akekho umuntu onemvume yokumisa noma iyiphi insika kavulande ngaphezu kwanoma yiluphi unqenqemeni lapho lolo nqenqema lungaphansi kuka 2,6 m ububanzi.

(3) Akekho umuntu onemvume yokumisa noma iyiphi insika kavulande ngaphezu kwama-3 m ukusukela emgqeni wesakhiwo okalwe ngaphandle kwensika noma ngaphansi kwama- 3 m endaweni emaphakathi nendawo ngayinye.

(4) Akekho umuntu onemvume yokumisa insika kavulande elengela onqenqemeni olusekhoneni lomgwaqo womphakathi eyeqe isilinganiso semigqa yesakhiwo.

(5) Akekho umuntu onemvume yokumisa ingxenye yanoma iyiphi insika kavulande ebangeni elingaphansi kwama-600mm kusukela ngaphambili kuya emuva kwanoma yiluphi unqenqema lomgwaqo.

(6) Akekho umuntu onemvume yokumisa izinsika zikavulande eziphindekile zilengele kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi noma unqenqema.

(7) Esimweni lapho ovulande besekelwe ezinsikeni, izinsika mazingabi nesikwele esicijile, isisekelo masingaphumeli ngaphandle ngokungaphezu kwama-50mm ukweqa idayamitha engaphansi kwensika futhi isikalo somugqa ovundlile sewuphelele masingadluli kuma- 350 mm.

(8) Lapho uhlobo lwensika lusezingeni eliphezulu, umphini mawube nokugoba okufanelekile futhi isisibekelo nesisekelo masibe sesilinganisweni esifanelekile.

(9) Izinsika, kuhlanganisa isisibekelo nesisekelo makungabi ngaphansi kwama- 3 m noma ngaphezulu kwama- 3,6 m ukuphakama futhi kungabi ngaphezu kwama- 4,5 m kuhlanganisa nesinqe setshe eliyisisekelo.

(10) Akekho umuntu okumele abeke insika emgwaqeni womphakathi lapho kuhanjwa khona ngezinyawo noma endleleni eseceleni komgwaqo noma lapho kungenzeka kube nezintambo zikagesi, amapayipi kanye neminye imisebenzi kamasipala, ngaphandle kwemvume yoMkhandlu.

(11) isilinganiso sokuphakama kusukela endleleni yezinyawo noma onqenqemeni kuye kufike ngaphansi kwamacele omgqomo omkhulu wensimbi noma ipulangwe eliphase isakhiwo ngasekugcineni kophahla lwensika singama- 3 m.

(12) Izindleko zokulungisa isivumelwano sokusebenzisa umhlaba womuntu ngesivumelwno ezichazwe esigatshaneni (11) zikhokhwa ngumnikazi wendawo leyo encikile.

(13) Ukufakwa kwamapayipi okusobala noma ukufakwa kwezintambo makungasetshenziswa ezinsikeni ezilengele noma ezikovulande bomgwaqo womphakathi kanye nemipheme, ngaphandle uma inhloso yokumiswa yenzelwa ubuhle besakhiwo.

(14) Okokubambelela, okokuvimbela noma isibambelelo, uma sikhona, masinganwebeki ngaphansi kwama- 750 mm noma ngaphezu kwe- 1,05 m ngaphezu kwephansi lompheme.

(15) Akukho kule mithetho kaMasipala okuvimbela-

(a) ukumiswa kanye nokusetshenziswa kwengxenye yensika exhunywe kovulande ababili abancikene uma insika ime yeqa umngcele womugqa wezakhiwo zombili noma kuhlanganiswe ngokufana; noma

(b) esimweni lapho kuxhunywe khona ovulande, ukumiswa kwanoma iyiphi insika esesinqeni setshe eliyisisekelo uma kunesidingo sokulinganisa kanye nezinye izihlinzekelo zale Mithetho Kamasipala ziyabhekelwa.

5. Imipheme kanye namafasitela akhiwe aphumela ngaphandle

(1) Imipheme, amafasitela akhiwe aphumela ngaphandle noma izakhiwo ezakhiwe ngokungemthetho akumele zilengele emgwaqeni womphakathi uma ukuphakama kwazo kungaphansi kwama- 3 m ngaphezu konqenqema.

(2) Imipheme akumele yeqe nge-1, 35m ngaphezu kwanoma yimuphi umgwaqo womphakathi.

(3) Amafasitela akhiwe aphumela ngaphandle akumele eqengaphezu kwama- 900 mm ngaphezu kwanoma yimuphi umgwaqo womphakathi.

(4) Isihlanganiso sobude bokuvundla kwamafasitela akhiwe aphumela ngaphandle kunoma ikuphi ukulingana ngaphezu komgwaqo womphakathi akumele kwedlule ngobude obuyingxenye eyodwa kokuthathu mangaphambili kwesakhiwo kulowo mgwaqo.

(5) Nanoma yimuphi umpheme owakhiwe ngaphezu kwanoma yimuphi uvulande kumele uhlehle okungenani nge-1, 2 m kusukela emgqeni walowo vulande.

(6) Ayikho ingxenye yanoma yimuphi umpheme enxhunye kunoma yimuphi uvulande, engaphakanyiswa ibe nobude obungaphezu kwezitezi ezimbili ngaphezu kwezinga lonqenqema, ngaphandle uma ingxenye ephezulu yompheme inophahla

lukakhonkolo owakhe iphansi eliqondile, isibambelelo akumele seqe nge-1m ukuphakama okuvumeleke ngaphezu kokulingana kwephansi.

(7) Noma yiluphi udonga olwehlukanisayo oluvundle emphemeni ongaphezu komgwaqo womphakathi akumele lweqe nge-1 m ubude noma ngama-225 mm ukuba wugqinsi.

(8) Umpheme olengele emgwaqeni womphakathi makungabi iwona wodwa osetshenziswa njengomnyango kunoma yiliphi igumbi noma ikamelo.

(9) Akekho umuntu ongabeka noma avumele noma abe yimbangela yokubekwa kwanoma iyiphi into kunoma yimuphi umpheme olengela emgwaqeni womphakathi, ngaphandle kwezihlahla zokuhlobisa, amatafula, izihlalo, izisitha langa (blinds) kanye noseyili abangasetshenziselwa izimpawu noma izikhangiso.

(10) Lapho iphansi lesakhiwo lisetshenziselwa ukupaka izimoto kuphela, amafasitela akhiwe aphumela ngaphandle alingana nengaphansi akumele axhomeke alengele kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi ngobude obungaphezu kwe-1,35 m bengaphambili lesakhiwo kulowo mgwaqo .

6. Izinqe zamatshe ayizisekelo, izinsika ezingonxande kanye, nomhlobiso obunjwe waba yindilinga odongeni lwendlu.

(1) Akukho sinqe setshe eliyisisekelo, izinsika ezingonxande, nokunye okwakhiwe ngokungemthetho kweqa emgqeni wesakhiwo okususwa ezingeni eliphansi okuvumeleke ukuba kwakhiwe ngokungemthetho emgwaqeni womphakathi.

(2) Nanoma iyiphi insika engunxande, umhlobiso obunjwe waba yindilinga odongeni lwendlu, okuphumele ngaphandle kodonga ukwesekela ingaphezulu lesakhiwo noma isimo esidwethswe safana naso esakhiwe okungenani ngama-3 m ngaphezu komhlabathi akumele yeqe lezi zakhiwo ezakhiwe ngokungemthetho ezilengele emgwaqeni.

(a) Insika engunxande ; engama-450 mm ubungako bobude bengaphambili lensika engunxande akumele beqe okukodwa kokuhlanu kwengaphambili lesakhiwo kanye namafasitela akhiwe aphumela ngaphandle esitezi esisodwa kumele kuhlanganise izibalo zesilinganiso sobude bamafasitela akhiwe aphumela ngaphandle;

(b) Umgaxo ohlotshisiwe ovikela umlilo noma indawo eqhamile engunxantathu engaphambili kwesakhiwo elengele emnyango : 600 mm nakunoma iyiphi indawo kungabi ngaphansi kuka 2,75 m ubude ngenhla kwendlela yezinyawo noma onqenqemeni ;

(c) umhlobiso obunjwe waba yindilinga odongeni lwendlu: oyi-1,05 m lapho ungeqile ema-10,5m ngaphezu kwendlela yezinyawo noma onqenqemeni kanye nokukodwa eshumini kokuphakama kusukela endleleni yezinyawo noma onqenqemeni uma kweqile ema-10,5 ngesilinganiso se-1,8 m.

7. Ovulandi abakhiwe emakhoneni

Lapho ovulande bakhiwe emakhoneni emigwaqo omphakathi kumele bakhiwe balandele ukugwinciza kwendawo ehlukanisa umgwaqo nonqenqema.

8. Ukuvuleka kwesitubhi

(1) Akukho kuvuleka kwesitubhi okuyoba yiyona ntuba yokungena kunoma iyiphi indlwana eyakhelwe emgodini phansi kwesakhiwo noma ikamelwana phansi kwendlu.

(2) Akukho kuvuleka kwesitubhi esikunoma yimuphi umgwaqo womphakathi okumele kunwebeke kwedlule i-1,2 m ukweqa umugqa wesakhiwo.

(3) Lapho ama-flaps evumeleke khona ekuvulekeni kwesitubhi i-flap ngayinye akumele yeqe ama-square metre ayi-0,75 endawo futhi kumele ivulekele ngaphezulu uma ivulwa, kumele kuhlinzekelwe ngomshayo wensimbi oqatha kumbe izigxobo.

(4) Ukuvuleka kwama-flap kungavulwa futhi kusetshenziselwe kuphela ukwenyusa nokwehlisa izimpahla futhi kumele kuhlale kuvaliwe ngaphandle uma kusaqhubeka ukwehliswa nokwenyuswa kwezimpahla.

(5) Udonga lwangaphambili noma udonga olubhekene nonqenqema lomgwaqo kukho konke ukuvuleka kumele kwakhiwe ngendlela efanele ezoqinisa ukweneliseka koMkhandlu.

(6) Akukho kuvuleka kwesitubhi okumele kwembozwe ngesimbozo sensimbi noma icwecwe lensimbi noma ngokhuni.

9. Ukunakekelwa, ukukhishwa kanye nokuqashisa ngemixhantela

(1) Umnikazi wanoma yisiphi isakhiwo esakhiwe ngokungemthetho kumele asigcine sisesimweni esihle silungisiwe.

(2) Ukuvuleka kwezitubhi, izibani zezitubhi, izindonga kanye nezidonga zezindlu ezingaphansi kumele kwakhiwe futhi umnikazi akuvale kungangenwa manzi.

(3) Umnikazi wanoma yisiphi isakhiwo esakhiwe ngokungemthetho, ngaphansi noma ngaphezu kwanoma yimuphi umgwaqo womphakathi kumbe isitubhi noma uphawu noma nanoma yini exhunywe odongeni yalengela emgwaqeni womphakathi, uthathwa njengoqashile maqondana nesakhiwo esakhiwe ngokungemthetho, uphawu kumbe nanoma yini exhunywe odongeni, futhi uma ecelwa nguMasipala ukuba asuse okunye noma konke, kumele enze njalo ngesikhathi esifanenelekile.

10. Izakhiwo ezakhiwe ngokungemthetho phambi kwesakhiwo

Lapho kumiswe noma kwakhiwe khona isakhiwo ngokungemthetho phambi kwesakhiwo, umnikazi kuyomele ngokwezindleko zakhe -

(a) akhonke yonke indlela yezinyawo noma isitubhi ngaphansi kwesakhiwe esakhiwo ngokungemthetho noma ngaphambi kwesakhiwo lapho ukuvuleka kwesitubhi kwenziwe khona; futhi

(b) enze unqenqema lomgwaqo nomsele wamanzi futhi akhonke ngaphambi kwesakhiwo kuhambisane nobubanzi bendlela yezinyawo kumbe isitubhi.

11. Izakhiwo ezakhiwe ngokungemthetho

(1) (a) Nanoma yimuphi umuntu ngale komnikazi ofisa ukumisa noma ukwakha isakhiwo ngokungemthetho kumbe nanoma yini engakhiwa ngaphansi noma ngaphezu kwanoma yimuphi umgwaqo womphakathi, noma nanoma yiyiphi impahla engasuseki okungeya noma egunyazwe nguMkhandlu, kumele afake isicelo esisebenzini esigunyaziwe efomini elihlinzekwe nguMkhandlu ngaleyo nhloso.

(b) lapho ngokubona kwesisebenzi esigunyaziwe kudingeka imidwebo ukuze siqedele isivumelwano sokufohla, inkokhelo enqunyiwe ngaphezu kwaleyo ebikade inqunyiwe iyakhokhwa kuMkhandlu.

(2) Noma yimuphi umuntu omise, owakhe noma osohlelweni lokwakha ngokungemthetho ngaphansi noma ngaphezu kwanoma yimuphi umgwaqo womphakathi, uthathwa njengoqashile ngokwesakhiwo esakhiwe ngokungemthetho futhi , uma azisiwe nguMkhandlu ngokubhalwe phansi, ngaphansi kwesandla sesiKhulu Esilawula Izakhiwo ukuba asuse leso sakhiwo esakhiwe ngokungemthetho kumele akwenze lokho esikhathini esibekwe esazisweni.

(3) Umnikazi wesakhiwo esithintene nalapho kwakhiwe khona ngokungemthetho kumbe okuhlongozwa ukwakhiwa kuso -

(a) kumele akhokhe izindleko ezidalekile maqondana nezintambo kumbe impahla yoMkhandlu;

(c) Kumele avumele uMkhandlu ukuthi umise, noma ukuxhume esakhiweni esakhiwe ngokungemthetho noma yini edingekayo maqondana nezinto ezithinta ugesi kumbe eminye imisebenzi.

12. Imali enqunyiwe yemisebenzi ekhethekile.

Noma yimuphi umuntu odinga ukwenzelwa ngumkhandlu umsebenzi okhethekile, kuhlanganisa nokuba khona ngendlela efanele maqondana nesakhiwo esinobungozi, kule akhokhe imali enqunyiwe eqondene nomsebenzi okhethekile emkhandlwini kanjalo nemali enqunyiwe ekhokhwa kuqala ukuze uMkhandlu ukwazi ukubhekela isakhiwo njengokwesicelo noma ukuze uMkhandlu unikezele ngeseluleko ngokokusebenza kwale Mithetho Kamasipala ngokweziphakamiso esenziwe ngabadwebi bezakhiwo, abakhi noma abanikazi.

13. Amacala kanye nezinhlawulo

Noma ngubani -

(a) ophikisana noma ohluleka ukuhambisana nezihlinzekelo zale Mithetho Kamasipala; noma

(d) ohluleka ukuhambisana nanoma isiphi isaziso esikhishwe ngokwale Mithetho Kamasipala ; noma

(c) ohluleka ukuhambisana nanoma yimuphi umyalelo osemthethweni ngokwale Mithetho Kamasipala; noma;

(d) ovimbela noma othikazisa noma yimuphi umuntu ogunyaziwe omele kumbe oyisisebenzi soMkhandlu ekwenzeni imisebenzi yakhe ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala;

unecala lokwephula umthetho futhi uyogwetshwa inhlawulo yenani elingevile ezi-R2 000 noma uma ehluleka ukukhokha avalelwe ejele isikhathi esingevile ezinyangeni eziyi-12.

14. Ukuphikisana kwemithetho

Uma kukhona ukuphikisana phakathi kwale mithetho kaMasipala neminye imithetho yoMkhandlu emaqondana nezakhiwo ezakhiwe ngokungemthetho, le mithetho kamasipala iyona eyosetshenziswa.

UMkhandlu Kamasipala wase- Richmond, osebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, sifundwa ngokuhlanganyelwa nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo Zikamasipala, wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), lapha ushicilela iMithetho yawo Kamasipala Yezokulawulwa Kwemfucuza.

IMITHETHO KAMASIPALA YOKULAWULWA KWEMFUCUZA

ISAHLUKO 1
UKUHUNYUSHWA, IMIGOMO NEZINHLOSO

1. Izincazelo

Kule Mithetho Kamasipala, ngaphandle uma indikimba ikhomba okunye-

"umuntu othintekile" kusho umuntu onikezwe noma onikezwa isaziso sokuqinisa;

"ukuvunywa" uma kukhulunywa ngemigqomo, iphepha lomgqomo,izitsha, kanye nokokusonga kusho okuvunywe nguMkhandlu noma ohlinzeka ngomsebenzi ukuze kuqoqwe futhi kugcina imfucuza;

"isikhulu esigunyaziwe" kusho isikhulu esigunyaziwe esigunyazwe nguMkhandlu ngezinhloso zale mithetho kamasipala ukuba senze futhi sisebenze nanoma yimiphi kumbe yonke imisebenzi ngokwale mithetho kamasipala noma izihlinzekelo zanoma yimuphi omunye umthetho;

"UMthethosivivinywa Wamalungelo" kusho Isahluko 2 soMthethosisekelo weRiphabhulikhi YaseNingizimu Afrika, we- 1996;

"umgqomo" kusho isitsha sokufaka esivunyiwe ukugcina imfucuza engaphansi kwama-cubic metre ayi- 1,5 ezinganikezelwa nguMkhandlu

noma ohlinzeka ngomsebenzi emagcekeni ngokwale Mithetho Kamasipala;

"iphepha lomgqomo" kusho upulastiki ovunyiwe noma enye into eyisendlalo esifanelekile ukuba sisetshenziswe ngaphakathi komgqomo;

"imfucuza yokwakha" kubandakanya yonke imfucuza ekhiqizeka ngesikhathi kwakhiwa, kuguqulwa, kulungiswa noma kubhidlizwa nanoma yisiphi isakhiwo futhi kuhlanganisa imvithimvithi yokwakha, umhlabathi, izimila kanye namatshe ahlakazeka ngesikhathi salokho kwakhiwa, kuguqula, kulungiswa noma ukubhidliza;

"imfucuza eyinqwaba" kusho imfucuza yamabhizinisi noma imfucuza yasemakhaya okuthi ngenxa lesisindo sayo, umumo, ubukhulu noma inani layo kungaba yinkinga ukuthi isuswe ngendlela elandelwa uma umkhandlu lokuqoqa imizi ngemizi okwenziwa ngumkhandlu noma ohlinzeka ngomsebenzi;

"imfucuza yamabhizinisi" kusho imfucuza ngale kwemfucuza eyingozi, imfucuza enobungozi yabezempilo, imfucuza yokwakha, imfucuza yezimboni, imfucuza yasengadini, imfucuza eyinqwaba kanye nemfucuza ekhethekile yezimboni eyakheka emagcekeni asetshenziselwa izinhloso okungesizoo zokuhlalisa abantu;

"imisebenzi yezohwebo" kusho nanoma yimuphi umsebenzi kukhipha ngaphandle imisebenzi yoMkhandlu, emaqondana noma exhumene nokunqwabelanisa, ukuqoqa, ukulawula, ukukhwa kabusha ngempahla esike yasebenza, ukuhlela, ukugcina, ukuphatha, ukuthutha, ukulahla, ukuthengwa noma ukudayiswa kwemfucuza kumbe nanoma iyiphi enye indlela yokuphatha imfucuza;

"isitsha" kusho isitsha esivunyiwe esinobukhulu obungaphezu kwama-cubic metre ayi-1,5 ukuze kugcinwe imfucuza okwesikhashana ngokwale Mithetho Kamasipala;

"UMkhandlu" kusho uMasipala wase-Richmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo masipala noma iKomidi

Elilawulayo kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenzisa ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kanjalo nanoma yisiphi isikhulu esinikezwe nguMkhandlu amandla nomsebenzi maqondana nale mithetho kamasipala; stem

"Imisebenzi yoMkhandlu" kusho imisebenzi yoMkhandlu eqondene nokuqoqwa kwemfucuza kubandakanya imfucuza yasemakhaya, imfucuza yamabhizinisi neyansuku zonke, ehlinzekwa ngokukhethekile nguMkhandlu noma abahlinzek a ngemisebenzi ngokuhambisana nezihlinzekelo zoMthetho Wezinhlelo kanye neSahluko 6 sale Mithetho Kamasipala, futhi okuthi esimweni semfucuza yamabhizinisi kuqoqwa kuphela imfucuza efakwe emaphepheni omgqomo, emigqonyeni kanye nasemigqonyeni enamasondo engamalitha angama-240;

"uMthetho Wenqubo Yamacala Okwelelesa" kusho uMthetho Wenqubo Yamacala Okwelelesa we- 1977 (uMthetho No. 51 we- 1997);

"ukulinyazwa kwemvelo" kusho nanoma yikuphi ukungcoliseka, ukwehliswa amandla noma ukulinyazwa kwemvelo okungaba okubonakalayo noma okungabonakali;

"eyansuku zonke" kusho imfucuza ebolile enukayo edaleka emahhotela, ezindaweni zokudla, ezitolo zokudla, ezibhedlela kanye nasezinkantini okumele uqoqwe zikhathi zonke, ngokujwayelekile nsuku zonke ukugwema ukuthi imfucuza ingaboli bese iba wuhlupho, idale nobungozi emvelweni nakwezempilo;

"imfucuza yasemakhaya" kusho imfucuza eyakheka emagcekeni asetshenziselwa kuphela izinhloso zokuhlala kanye nezokuthi umphakathi udumise kuzo, kuhlanganisa amahholo noma ezinye izakhiwo ezisetshenziselwa ukukhonzela kodwa akubandakanyi imfucuza yamabhizinisi, yokwakha, yasengadini noma imfucuza eyinqwaba;

"ukuthulula" kusho ukubeka udoti nanoma yikuphi ngale kwasesitsheni esigunyaziwe noma indawo eqokwe njengendawo yokugcina udoti noma indawo yokuchitha udoti nguMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi;

"DWAF"*(Department of Water and Forestry)* kusho uMnyango Kazwelonke Wezamanzi Namahlathi;

"isaziso sokuqinisa" kusho isaziso esikhishwa yisisebenzi esigunyaziwe ngaphansi kwesigaba 44 sale Mithetho Kamasipala;

"imvelo" kusho amaphethelo lapho kuphila khona abantu akhiwe:

(a) umhlaba, amanzi nomkhathi womhlaba,
(b) amagciwane aphilayo, izitshalo kanye nempilo yezilwane
(c) nanoma iyiphi ingxenye noma inhlanganisela ka (a) no (b) kanye nokuhlobana okuphakathi kwabo, kanye
(d) okomzimba, izinhlayiya zamakhemikhali ezobuciko namasiko kanye nemibandela yaphambilini enomthelela empilweni kanye nenhlalakahle yabantu;

"okuphuthumayo kwemvelo" kusho nanoma yisiphi isehlo esingalindelekile noma esisheshayo esingadala noma esesidale ukulimala okunzima empilweni yabantu noma ukulimala emvelweni, ngale kokuthi amathuba okwenzeka komonakalo kusheshile noma kuthathe isikhathi;

"ifemu" kubandakanya nanoma ngubani ngokomthetho noma inhlangano yabantu esungulwe noma esebenza eRiphabhulikhi yaseNingizimu- Afrika;

"imfucuza yasengadini" kusho imfucuza eyakheka ngenxa yemisebenzi ejwayelekile yezingadi zasemakhaya, kuhlanganisa ukusikwa kotshani, amahlamvu, izihlahla, izimbali kanye nezinye izinto ezilula zohlobo olufanayo kodwa akubandakanyi amagatsha ezihlahla anobubanzi obuwugqinsi obungaphezu

kwamamilimitha angama-40 kunoma iyiphi ingxenye yobude bawo, imfucuza eyinqwaba, imfucuza yokwakha noma nanoma yiyiphi imfucuza edaleka ngenxa yokwenziwa kwemisebenzi yasengadini;

"umsebenzi wasengadini" kusho ukuhlinzekwa kwemisebenzi yasengadini ngumuntu onelayisensi kuhlanganisa ukusikwa kotshani, ukuthenwa kwezihlahla kumbe nanoma yimuphi omunye umsebenzi wokutshalwa kwezihlahla kuhlanganisa umumo obukeka kahle wezintaba nomhlaba, kunoma yimaphi amagceke amakhaya, ebhizinisi, ezohwebo noma ezimboni;

"indawo yokugcina imfucuza yasengadini" kusho indawo yokugcina imfucuza eyamukela futhi igcine okwesikhashana imfucuza yasengadini noma enye imfucuza ekwazi ukubuye isetshenziswe;

" imfucuza enobungozi" kusho imfucuza enobuthi, ene-esidi, evutha kalula uma ivulwe endaweni enelangabi elingaphansi kuka- 90° C, isiqhumane, into ekhipha ilangabi elisheshayo, ikhemikhali kumbe nanoma yiyiphi enye imfucuza ekwazi ukuba nompthelela ongemuhle kwezempilo yomphakathi noma emvelweni ngisho ithinteke kancane ngenxa yokuthi inobuthi, amakhemikhali nangendlela eyakheke ngayo.

"imfucuza enobungozi yezokwelapha" kusho yonke imfucuza enobungozi eyakheka ezikhungweni zezokwelapha ezifana nezibhedlela, imitholampilo, izikhungo zokucwaninga (laboratories), izikhungo zocwaningo lwezokwelapha, odokotela bamazinyo nabezokwelapha kanye nabezilwane;

"imfucuza yasezimbonini" kusho imfucuza eyakhekha ngenxa yokukhiqizwa, ukunakekelwa, yokwakha, yokwenza noma yokuhlukanisa okuthile, kodwa akuyibandakanyi imfucuza yezokwakha, yamabhzinisi, yansuku zonke, imfucuza eyisipesheli yezimboni, imfucuza eyingozi kanye nenobungozi yezokwelapha noma eyasemakhaya;

"ukulungiswa komhlaba oyihlane ulungele ukulima" kusho ukuchithwa kwenjimbilili yokuthakiwe okungasenamandla noma omunye imfucuza efanele wokwakha nanoma yiphi isakhiwo noma sokushintsha umumo wendalo wanoma yisiphi isiqephu somhlaba;

"izinga lomsebenzi" kusho ukuvama komsebenzi womkhandlu kanye nezinhlobo zezikhungo zomsebenzi;

"onelayisensi" kusho nanoma ngubani othole ilayisensi ngokweSahluko 7 sale Mithetho Kamasipala;

"udoti" kusho nanoma yini elahlwe ngumuntu kunoma iyiphi indawo ngale komgqomo ovunyiwe ohlinzekelwe ukufeza leyo nhloso noma endaweni yokugcina noma yokulahla imfucuza;

"umphakathi wendawo" maqondana noMkhandlu kusho lowo mgwamanda wabantu owakhiwe-

(a) yizakhamizi zoMkhandlu,
(b) abakhokhi bentelo boMkhandlu,
(c) nanoma yiziphi izinhlangano zomphakathi kanye nalezo ezingekho ngaphansi kukahulumeni, abamabhizinisi azimele noma imigwamanda ebambe iqhaza ezindabeni zendawo emkhandlwini, kanye
(d) nezivakashi kanye nabanye abantu abahlala ngaphandle kwendawo yoMkhandlu okuthi ngenxa yokuba khona emkhandlwini bahlomule emisebenzini yomkhandlu kanye nezikhungo ezihlinzekwa nguMkhandlu;

"inkathazo" kusho nanoma yikuphi ukulimala, ukonakala, ukuphazamiseka noma ukucasula omunye umuntu okwenzeka nganoma iyiphi indlela ngokuphatha noma

ngokulawula ngokungeyikho udoti, kubandkanya ukugcinwa, ukubekwa, ukuqoqwa, ukuthuthwa noma ukulahlwa kwemfucuza noma ngokuwufuhluza;

"ohlalayo khona" kubandakanya nanoma ngubani osebenzisa okwangempela umhlaba noma indawo ngaphandle kokuba netayitela lalapho ehlala khona, futhi odabeni lwendawo eqashiswe kubaqashi abehlukene, kubandakanya nomuntu owamukela irenti ekhokhwa ngabaqashile okungaba eyakhe noma njengomphatheli wanoma yimuphi umuntu ogunyazelwe lokho noma oyikhathalele;

"umnikazi" kubandakanya nanoma ngubani onetayitela lanoma iyiphi indawo noma umhlaba noma nanoma ngubani omukela irenti noma inzuzo yanoma yimuphi umhlaba noma indawo kunoma yisiphi isiqashi noma ohlala khona lapho, noma owamukela leyo renti noma inzuzo uma lowo mhlaba noma indawo yayiqashisiwe okungaba kwakungokwakhe noma njengomphatheli wanoma yimuphi umuntu owanegunya lalokho noma owayeyikhathalele ngaphandle uma "umnikazi" oqondene nezindawo eRegisteni Yokusetshenziswa Kwezingxenye Zezakhiwo evulwe njengokusho kwesigaba 12 soMthetho Yokusetshenziswa Kwezingxenye Zezakhiwo we- 1986, (UMthetho uNo. 95 we-1986), kusho umgwamanda obumbene njengoba kuchaziwe kulowo Mthetho, maqondana naleyo ndawo;

"umuntu" kusho umuntu phaqa noma ifemu futhi kubandakanya abanamalayisensi;

"ukunukubezeka" kusho nanoma yiluphi uguquko emvelweni oludalwe-

(a) yizibi, noma

(b) umsindo, iphunga, uthuli noma ukushisa okuphafuzwa nanoma yini, kubandakanya ukugcinwa nokulawulwa kwemfucuza noma izibi, ukwakhiwa kanye nokuhlinzekwa kwemisebenzi okungaba kuphethwe nanoma ngubani noma uhlaka lombuso,

lapho lolo guquko lube nomphumela ophikisana nempilo nempilo yomuntu noma inhlalakahle noma ekuhlanganisweni, ukupeteka nokuthela kwendalo noma nokuphathwa kwezinhlelo zemvelo ezibumbene noma ezintweni eziwusizo kubantu noma ezizoba nalowo mphumela esikhathini esizayo;

"indawo" kusho isiza noma nanoma iyiphi enye ingxenye yomhlaba, kubandakanya nesakhiwo esilapho noma nanoma esiphi esinye isakhiwo esisetshenziselwa ezebhizinisi, imboni nom ukuhlala;

"imali enqunyiwe" kusho imali enqunywe nguMkhandlu ngesixazululo njengokusho kwesigaba 10G(7) (a) (ii) soMthetho Wenguquko Yohulumeni Basekhaya we- 1993 (UMthetho uNo. 209 we- 1993) noma nanoma omuphi omunye uMthetho okhishwayo oqondene;

"indawo yomphakathi" kubandakanya nanoma yisiphi isakhiwo somphakathi, umgwaqo womphakathi, ibhuloho elinqamula phezu komgwaqo, umhubhe, indlela yabezinyawo, indlela, unqenqema, umgwaqwana ongumhubhe, ishashalazi, ingadi, ipaki, indawo ebiyelwe egunyazwe eMkhandlwini, kanye nanoma yimuphi umgwaqo, indawo noma indlela yabantu bonke kepha ecatshiwe esetshenziswa ngumphakathi ngokungaphazamiseki noma umphakathi onelungelo lokuyisebenzisa ;

"umgwaqo womphakathi" kusho nanoma yimuphi umgwaqo, isitaladi noma indlela yabantu bonke noma nanoma iyiphi enye indawo (okungaba indlela yabantu bonke noma cha) ejwayele ukusetshenziswa ngumphakathi noma iyiphi ingxenye yawo noma lapho umphakathi noma nanoma iyiphi ingxenye inelungelo lokuyisebenzisa futhi kubandakanya –

(a) unqenqema lwanoma yimuphi umgwaqo othile noma indlela yabantu bonke,

(b) nanoma yiliphi ibhuloho, isikebhe sokuwelisa noma izibuko elinqume kabili kunoma yimuphi umgwaqo othile, isitaladi noma endleleni yabantu bonke;

(c) nanoma yimuphi umunye umsebenzi noma into eyakha ingxenye yako noma exhumene nako noma ekungeyalowo mgwaqo, sitaladi noma indlela yabantu bonke;

"into ekhipha ilangabi elisheshayo" kusho nanoma yini equkethwe noma equkethe nanoma ekhipha ilangabi elisheshayo, okungaba elendalo noma lento eyenziwe ngokufanisa;

"imfucuza ekhipha ilangabi elisheshayo" kusho nanoma iyiphi into ekhipha ilangabi elisheshayo okuhloswe ukuba ilahlwe njengodoti;

"imfucuza ekukwazekayo ukuba ubuye wakhe into ebuye isebenze" kusho imfucuza ehlukanisiwe emgudwini kadoti, futhi wabekwa eceleni ngezinhloso zokubuye usetshenziswe, ubuyiselwe noma ubuye wakhe into ezobuye isebenze;

"umhlali" kusho ngokuphathelene noMkhandlu umuntu ongumhlali ojwwayelekile eMkhandlwini;

"ukonga umgwaqo" kusho leyo ngxenye yomgwaqo, isitaladi noma indlela yabantu bonke eyenziwe ngcono, eyakhiwe noma ebekelwe ithilafikhi lezinto ezigijimayo ephakathi kosebe lomgwaqo noma leyo ngxenye yomgwaqo, isitaladi noma indlela yabantu bonke kubandakanya indlela yabahamba ngezinyawo okungeyona indlela;

" isivumelwano sokuletha umsebenzi" kusho isivumelwano esiphakathi koMkhandlu nomhlinzekimsebenzi njengoba kusho lapho umhlinzekimsebenzi edingeka ukuba ahlinzeke izidingongqangi;

" **umhlinzekimsebenzi**" kusho nanoma ngubani ongene esivumelwananeni sokuletha umsebenzi noMkhandlu njengokusho koMthetho Wezinhlelo;

" **imfucuza yasezimbonini oyisipesheli**" kusho imfucuza equkethe okusaketshezi, udaka, okuqinile, okuphuma ekwakheni okuthile, ukuhlanzwa kwemboni moma ukulungiselela ukuba kuchithwe nanoma yimuphi imfucuza yasezimbonini noma imfucuza esaketshezi wasezimayini, okunjengokusho kwemithetho kamasipala wokuthuthwa kwendle wokuthi akumele uchithwe esitamkokweni noma epayipini lokuhambisa indle;

" **UMthetho Wezakhiwo**" kusho uMthetho Wezakhiwo Zikamasipala Wohulumeni Basekhaya, we- 1998 (UMthetho uNo. 117 we- 1998);

"**intuthuko esimeme**" kusho ukudidiyelwa kwezinto zomphakathi, zomnotho, nezemvelo ekuhlelweni, ukuqaliseni ukusebenza nokuthatha izinqumo ukuze kutholakale leyo ntuthuko ezonikezwa izizukulwane zamanje nezekusasa;

"**uMthetho Wezinhlelo**" kusho uMthetho Wezinhlelo Zohulumeni Basekhaya, we- 2000 (UMthetho uNo. 32 we- 2000);

" **okuhlosiwe**" kusho nanoma yimuphi umoya, amanzi, ikhwalithi noma amaqophelo kadoti ahlosiwe aqukethwe kunoma yimuphi umthetho okhishiwe;

" **itherifi**" kusho inhlawulo yomsebenzisi yokuhlinzekwa ngezidingongqangi, enqunywe futhi yamenyezelwa nguMkhandlu noma yafaneliswa ngumhlinzekimsebenzi njengokusho kwenqubomgomoyemithetho kamasipala yethrifi eyamukelwa ngaphansi kwesigaba 75 soMthetho Wezinhlelo;

" **udoti**" kusho nanoma yini engasafiswa noma engasafunwa yanoma iyiphi inqubo noma umsebenzi elahliwe yanqwbelaniswa noma yagcinelw ukuba ilahlwe, ibuye isetshenziswe, ibuyiselwe, ibuye yakhe into ezobuye isetshenziswe. Umkhiqizo

ongenamsebenzi okungaba okusaluketshezi noma okuqinile futhi kungabandakanya imikhiqizo equkethe okusagesi futhi okungaphuma emisebenzini yasemakhaya, yezokuhweba noma yasezimbonini, kodwa kungabandakanyi-

(a) into eyenziwe njengenxenye yemisebenzi yokuthuthwa kwendle ngaphansi koMthetho Wemisebenzi Yazamanzi (uMthetho uNo. 107 we- 1997);

(b) nanoma yimuphi umkhiqizo onegesi ongalawulwa ngumthetho okhishwe kuZwelonke noma esiFundazweni; noma

(c) Nanoma iyiphi into ekhipha ilangabi elisheshayo eyongiwe lapho le Mithetho kamasipala ikuvumela ngokukhethekile ukuba igcinwe;

" indawo yokuchitha udoti" kusho nanoma iyiphi indawo eyamukela, inqwabelanise, igcine, esebenzisa imfucuza ikwakha enye into, ehlunga, egcina noma ephatha udoti ngaphambi kokuba udluliselwe ekushisweni noma ekushabalalisweni okokugcina;

" emsebenzini" kusho nanoma iyiphi indawo lapho umuntu enza khona imisebenzi yoMkhandlu noma imisebenzi yokuhweba, futhi

" okokusonga" kusho upulastiki noma enye into efanelekile noma egunyaziwe yokumboza, evalela phakathi imishuqulu noma imfucuza ekhandene.

2. Imigomo

(1) UMkhandlu unesibopho sokuqinisekisa ukuthi wonke udoti owenzeke eMkhandlwini –

(a) uqoqiwe wachithwa noma uguqulwe wenziwa into ebuye isebenze ngokuvumelana nale Mithetho kamasipala; futhi

(b) lokho kuqoqwa kuchithwe noma ukwenziwa kokubuye kusetshenziswe kubheka ukuphathwa kokuhleleka ngokulandela ukubaluleka okubekwe esigatshaneni 2 esingenzansi.

(2) Umgomongqangi wale Mithetho kamasipala kokuphathwa kwemfucuza ngendlela, ngale ndlela elandelayo yobumqoka:-

(a) Ukugwema, ukunciphiswa nokuphungulwa kwemfucuza;

(b) Ukubuye kusetshenziswe;

(c) Ukwenziwa kwenye into ebuye isetshenziswe;

(d) ukuphinde kwenziwe ngandlela thize nokuphathwa; kanye

(e) Nokuchithwa.

(3) nanoma yimuphi umsebenzi othintekayo ekusetshenzisweni kwale Mithetho kamasipala, ngokufanelekile kumele abheke ukuhlelwa ngokulandela ukubaluleka okubalulwe esigatshaneni 2.

3. Izinhlosongqangi

(1) Izinhlosongqangi zale Mithetho kamasipala yilezi-

(a) ukulawulwa kokuqoqwa, ukulahlwa nokuguqulwa kwenziwe into ezosebenza kwemfucuza;

(b) ukulawulwa kokuhlinzekwa kwezidingongqangi ngumhlinzekimsebenzi kanye nemisebenzi yokuhweba yilabo abanamalayisensi, kanye

(c) nokwengezela intuthuko esimeme.

(2) Ukuhambisa ngehlelo lezinhlosongqangi zale Mithetho kamasipala, kanye nangokukhethekile ebekwe esigatshaneni (1) (a), uMkhandlu kumele-

(a) uzame ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi yendawo iyabandakanywa ekusungulweni kwezinhlelo zikadoti wendawo;

(b) uzame ukunciphisa ukusetshenziswa kwengcebo yemvelo;

(c) ukhuthaze ukuguqulwa kwenziwe enye into ebuye isetshenziswe nokubuye kusetshenziswe udoti;

(d) ugqugquzele ukuhlukaniswa kwemfucuza ukwelekelela ukubuye usetshenziswe nokubuye wènziwe okunye okusha okunokusetshenziswa;

(e) ukukhuthaza ukusabalalisa okuphumelelayo, ukuhlela nokuletha izidingongqangi neyezohwebo;

(f) uzame ukuzuza ukuhlelwa kwemfucuza okudidiyele endaweni;

(g) ukhuthaze futhi uqinisekise imisebenzi yezemvelo ebophezelayo neyezohwebo; futhi

(h) uzame ukuqinisekisa ukuhambisana nezimiselo zale Mithetho kamasipala.

4. Umsebenzi wonakekelo

(1) Wonke umuntu unomsebenzi wokulawula nanoma yimuphi udoti odalwe yimisebenzi yakhe noma yalabo bantu abasebenza ngaphansi komyalelo wakhe ngendlela ethize ukuthi awuyokudala ingozi empilweni yabantu noma ulimaze imvelo. Ikakhuluzi –

(a) akukho muntu okumele athole izidingongqangi nemisebenzi yokuhweba ngendlela egcina yenza ubungozi bokulimaza impilo yabantu noma yokunakalisa imvelo, ngaphandle uma nje ngemisebenzi yoMkhandlu nangokulawula imisebenzi kadoti futhi kube kugunyazwe nguMkhandlu, futhi

(b) Wonke umuntu odala udoti noma othola izidingongqangi noma imisebenzi yezohwebo kumele athathe izinyathelo ezifanelekile zokuvikela nanoma ngubani ukuba angeqi isigatshana (1) (a) esingaphezulu mayelana nodoti.

(2) Ngaphandle kokukhawulisa ubunjalo baso, isigatshana (1) sisebenza kumnikazi womhlaba, noma wempahla, umuntu olawula umhlaba noma

indawo noma impahla noma umuntu onelungelo lokusebenzisa umhlaba indawo elapho-

(a) umsebenzi noma uhlelo lwalwenziwa khona noma lwaluqhutshwa khona,

(b) noma nanoma yisiphi esinye isimo esikhona esidala noma esingadala ubungozi empilweni yabantu noma esinganakalisa imvelo.

(3) Nanoma ngubani ngokwenganyelwa ngumsebenzi obekwe esigatshaneni (1) angayalelwa nguMkhandlu noma yisikhulu esigunyaziwe ukuba athathe izinyathelo zokuqinisekisa ukuthi uyahambelana nomsebenzi.

(4) Izinyathelo okubhekiswe kuzo esigatshaneni 3 lowo muntu angayalelwa ukuba enze kubandakanya-

(a) uphenyo, ahlole kanye nokukala umthelela leyo misebenzi, lolo hlelo noma leso simo esingaba nawo emvelweni;

(b) kwaziswe futhi kufundiswe abasebenzi ngezingozi yesimo somsebenzi wabo namgendlela okumele benze ngayo imisebenzi yabo ukuze bagweme odala ukonakala kwemvelo;

(c) kunqanyulwe, kulungiswe noma kulawulwe nanoma yisiphi isenzo, uhlelo, isimo noma into edala umonakalo emvelweni;

(d) kubanjwe noma kuvinjelwe ukuhamba kokungcola noma ezinye izinto ezidala umonakalo emvelweni;

(e) kuncishiswe nanoma yimuphi umsuka womonakalo emvelweni; noma

(f) kulungiswe izinto ezingumonakalo emvelweni

ISAHLUKO 2

ISU LOKUHLELA NENQUBOMGOMO YOKULAWULA UDOTI

Ingxenye 1: Izinhlelo zikadoti wendawo

5. Ukusungulwa kwezinhlelo zikadoti wendawo-

(1) UMkhandlu kumele wenzeuhlelo lukadoti wendawo lomkhandlu onyakeni owodwa wokuqalisa kokusebenza kwale Mithetho kamasipala, okungukuthi uhlelo kumele luqalise ukusebenza iminyaka emine ekuqaliseni kokusebenza kwale Mithetho kamasipala. Izinhloso zohlelo lukadoti wendawo zibandakanya:

(2) Ukusungula indlela yokuqinisekisa ukuthi imfucuza iyaqoqwa, uphinde usetshenziswe wenziwe into ezobuye isebenze noma ulahlwe ngaphandle kokudala umonakalo empilweni yabantu noma umonakalo emvelweni futhi ikakhulukazi ngokungabi

(a) nangozi emanzini, emoyeni, enhlabathini, ezitshalweni noma ezilwaneni;
(b) udale inkathazo ngokuba nomsindo noma nephunga; noma
(c) yingozi enkulu ezindaweni zasemakhaya noma zasedolobheni noma ezindaweni ezikhethekile;

(3) ukusungula ukuxhumana okudidiyele kokulawula udoti nezindawo zokuchitha imfucuza ikuze kuqinisekiswe ukuthi-

(a) imisebenzi kamasipala neyezohwebo enxube neyanele iyasungulwa emkhandlwini;
(b) ukuchithwa kwemfucuza kuyenzeka ezindaweni okufinyeleleka kuzo zokuchitha udoti, kanye
(c) nezindlela ezifanelekile nobuchwepheshe buyasetshenziswa ukuze kuqinisekiswe izinga eliphezulu lokuvikela nokugwema umonakala emvelweni kanye nokulimala kwempilo yabantu;
(d) ukugqugquzela ukuncishiswa kwemfucuza;

(e) Ukukhuthaza ukubuyiswa kwemfucuza ngokuba kwenziwe ngawo izinto ezibuye zisebenze noma uphinde usetshenziswe ngokusebenzisa ubuchwepheshe obuvivinywe kokunye; futhi

(f) Nanoma iyiphi into engakhulisa intuthuko esimeme.

6. Ububanzi, ukuhlelwa nokuchitshiyelwa kohlelo lukadoti lwendawo-

(1) Uhlelo lukadoti lwendawo lubandakanya kodwa lungavimbeli izinto ezilandelayo-

izinhlobo zabantu nentuthuko okusemkhandlwini;

(a) ukuhlolwa kwazo zonke izimbangela ezigqamile kanye nezinto ezibanga udoti ezikhona emkhandlwini;

(b) ukuhlolwa kwamanani kanye nezinhlobo zikadoti odalekayo okwamanje futhi okubonakala ukuba uzodaleka emkhandlwini;

(c) ukuhlolwa kwezimakethe ezikhona, izidingongqangi, imisebenzi yokuhweba nokuphathwa kwemfucuza kanye nezindawo zokuchitha udoti ngohlobo lukadoti ngalunye;

(d) ukuhlolwa kwezinye izindlela ezikhona zokunciphisa, zokulawula nokuchitha udoti ezikhona emkhandlwini;

(e) ukuhlolwa kwenani labantu abasemkhandlwini abangazitholi izidingongqangi kanye namasu ohlongoziwe nokuhlosiwe ukuba kuhlinzekwe lezi zidingongqangi kulabo bantu;

(f) amasu ahlongoziwe nokuhlosiwe ukulawulla nokunciphisa udoti emkhandlwini kanye nokuchitha udoti okuyimpumelelo, lowo ongazokuphinde usetshenziswe noma ubuye wenziwe okuthile okuzobuye kusebenze;

(g) Amasu emfundiso ngodoti kanye nemizamo yokwahlukanisa udoti esizindeni sawo;

(h) Amasu okudlondlobalisa ulwazi ngezindaba zokuphatha udoti;

(i) Amasu okusungula uhlelo lolwazi njengoba ludingeka esigabeni 7;

(j) Uhlelo lokuqalisa ukusebenza oluhlonza izikhathi izinqunyiwe ezidingekayo, izinsizakusebenza nezibopho zokuzuza la masu nokuhlosiwe;

(k) Indlela yokulawula ukwenziwa komsebenzi kalula kwalezinto ezihlosiwe namasu okusebenza;

(l) Izindleko zamanje nezilindelwe zokuqoqa, zokuthutha, zokudlulisela nezokuchitha udoti

(m) Ukubheka ukuthi uhlelo lukadoti lwendawo luhambelana kanjani nezinye izinhlelo ezihambisana nalo zomkhandlu; futhi

(n) Lezo ezinye izindaba ezingayalelwa ngeminye imithetho ekhishwayo, umthetho noma izinkombandlela.

(2) Ekuhleleni uhlelo lukadoti lwendawo uMkhandlu kumele-

(a) ucabange nganoma oluphi uhlelo lwentuthuko edidiyele noma izinhloso zentuthuko yezemihlaba zoMkhandlu kanye nokudingwa nanoma yimuphi umthetho okhishwayo noma inqubomgomo kaZwelonke noma yesiFundazwe

(b) uxhumane nomphakathi wendawo, njengoba kuyalelwa eMthethweni Wezinhlelo;

(c) uthathe izinyathelo ezifanele ukwazisa ngohlelo lukadoti lwendawo olusaluhlaka umphakathi wendawo ngokuba umeme izincomo ngalo kumalunga omphakathi wendawo. Esikhathini esingangaphansi kwezinyanga ezimbili kumele uvunyelwe ukuba wemukise lezo zincomo futhi ukuqedelwa kohlelo lukadoti lwendawo kumele emva kokuba nanoma yisiphi isincomo esitholiwe esiphuma emphakathini wendawo sicutshunguliwe;

(d) uthumele amakhophi ohlelo lukadoti lwendawo olusaluhlaka kuNgqongqoshe Wezemvelo nakuNgqongqoshe Wezamanzi Namahlathi nakomasipala abangomakhelwane ukuze kutholakale uvo lwabo; futhi

(e) uthumele ikhophi yohlelo lukadoti lwendawo olusaluhlaka esiFundazweni saseMpumalanga Kapa ukuze uncome bese uqedela uhlelo lukadoti lwendawo emva kokuba ucubungule leso sincomo.

(3) UMkhandlu ungachibiyela uhlelo lukadoti lwendawo ngezikhathi ngezikhathi futhi kumele ubuyekeze uhlelo okungenani njalo eminyakeni emihlanu. Lezo zichibiyelo noma izibuyekezo kumele kuqhutshwe ngokuxhumana nomphakathi wendawo.

(4) UMkhandlu kumele umemezele umbiko kanye nyanyaka wokuqalisa kokusebenza kohlelo. Umbiko kumele ubandakanye-

(a) uhlobo lwemisebenzi nezinyathelo ezithathiwe ukuze kuzuzwe izinhloso zohlelo;

(b) inkomba yokuthi kungabe izinhloso zohlelo zizuziwe yini, futhi uma cha, incazelo yezinkinga ezenzele phansi ukuzuzwa kwezinhloso;

(c) imininingwane yokungahambisi kahle ngaphansi kwale Mithetho kamasipala;

(d) nohlobo lwezehlakalo ezibonakalayo zokufuhluza.

Ingxenye 11: Uhlelo Lokwazisa

7. Ukusungulwa kohlelo lokwazisa-

(1) UMkhandlu kumele usungule futhi ugcine uhlelo lokwazisa oluqopha ukuthi ulawulwa kanjani emkhandlwini.

(2) Uhlelo lokwazisa lungabandakanya nanoma yiluphi ulwazi olumayelana noma oluhambisana nokulawulwa kwemfucuza emkhandlwini.

(3) Imininingwane ephathelene nokuqaliswa kokusebenza kohlelo lokwazisa iyobekwa ohlelweni lukadoti lwendawo okubhekiswe kulo esigabeni 5.

(4) Umphakathi wendawo unelungelo lokukwazi ukufinyelela ngokulingene olwazini oluqukethwe ohlelweni lokwazisa ngokwenganyelwa nanoma yimiphi imikhawulo ebekwe ngumthetho. Ekugcineni leli lungelo uMkhandlu kumele-

(a) ngokucela ilunga lomphakathi wendawo, uhlinzeke ulwazi oluqukethwe ohlelweni lokwazisa;

(b) uthathe izinyathelo zokuqinisekisa ukuthi ulwazi oluhlinzekwe lusesimweni esifanele abafundi abangabantu-nje; futhi

(c) unqume imali yokuhlinzeka lolo lwazi ukuze ubuyise izindleko zokuhlinzeka ulwazi oluceliwe.

8. Inhloso yohlelo lokwazisa-

(1) Inhloso yohlelo lokwazisa ngeyoMkhandlu ukuba-

(a) uqophe ulwazi oluphathelene nokuqaliswa kokusebenza kohlelo lukadoti lwendawo kanye nokulawulwa kwemfucuza emkhandlwini;

(b) uqophe ulwazi olugodlwe nguMkhandlu olumayelana nanoma yiziphi izindaba okubhekiswe kuzo esigatshenaneni 6 (1) (a) –(j);

(c) unikeze ngolwazi oluceliwe noma njengoba kuyalelwe ngumthetho kuhulumeni wesiFundazwe nokaZwelonke;

(d) uqoqe ulwazi olumayelana nadala udoti kakhulu, abahlinzekimsebenzi nabanamalayisensi;

(e) uhlinzeke ngolwazi kwabadala udoti, kubahlinzekimsebenzi, kwabanamalayisensi nasemphakathini wendawo ukuze-

(i) balekele ukulawula ukusebenza koMkhandlu, abahlinzekimsebenzi, nabanamalayisensi, futhi lapho kufanelekile abadala udoti

(ii) baqhubezele ucwaningo, futhi

(iii) balekelele uMkhandlu ukuba uzuze izinhlosongqangi zale Mithetho kamasipala.

9. Ukuhlinzekwa kolwazi-

(1) UMkhandlu, ngaphansi kwezimiselo zanoma yimuphi omunye uMthetho kubandakanya umthetho wenqubo evamile oyalela noma yimuphi odala udoti, onelayisensi, umhlinzelimsebenzi noma umuntu obandekanyekayo noma ohlanganiswa nokuhlinzekwa kwezidingongqangi noma imisebenzi yezohwebo ekhona eMkhandlwini ukuba banikezele ngolwazi emkhandlwini olungadingeka ngokufanele lohlelo lokwazisa. Lolo lwazi lungaphathelana-

(a) nezizinda ezigqamile ezidala udoti nokuhlonzwa kwabadala udoti;

(b) namanani nezigaba zikadoti owenzekile;

(c) nokulawulwa kwemfucuza ngabadala udoti;

(d) nokugadwa kwemfucuza nezindawo zokuwulahla;

(e) izinhlobo zabantu nezentuthuko;

(f) nemibiko ngokuqhubeka ekuzuzeni nanoma yiziphi izinhloso zokulawulwa kwemfucuza;

(g) nokulawulwa kwemfucuza okhipha ilangabi;

(h) nanoma yiluphi ulwazi oluqongelelwe ngokuvumelana nesigatshana 8 (1) (e);

(i) nokudayiswa kwemfucuza ngezigaba noma ngezinhlobo zawo;

(j) nanoma oluphi olunye ulwazi oludingwa ngumthetho okhishiwe, umyalelo noma izinkombandlela.

(2) UMkhandlu ngokubona kwawo unganquma isikhathi nokuthi kumele kube kangaki ukuba ulwazi lunikezelwe.

10. Indlela yokubamba iqhaza emizamweni yokunciphisa udoti

Nokho isidingo sokukhuthaza ukuncishiswa kwemfucuza, ukwenza into ezobuye isebenze nokubuye usetshenziswe, akukho muntu ongaqhuba izizamo yokunciphisa udoti ngendlela ethile engacishe idale noma yandise ubungozi empilweni yabantu noma umonakalo emvelweni.

ISAHLUKO 3

IZIDINGONGQANGI

Ingxenye1: Ukuhlinzeka ngokukwazi ukufinyelela kuzidingongqangi

11. Umsebenzi wokuhlinzeka ngokukwazi ukufinyelela kuzidingongqangi

(1) UMkhandlu unesibopho emphakathini wendawo sokuqinisekisa ukukwazi ukufinyelela kuzidingongqangi ezilingene, ezikhonekayo ngokwenani, ezomnotho nezisimeme.

(2) Lo msebenzi ngokwenganyelwa-

(a) yisibopho somphakathi wendawo sokukhokha inhlawulo enqunyiwe yokuhlinzekwa kwezidingongqangi, okumele ilinganiswe ngokuhambelana nanoma yimaphi amazinga namaqophelo ezinhlawulo zezidingongqangi nehlelo lokuthela lukaZwelonke; kanye

(b) negunya loMkhandlu lokuhlukanisa phakathi kwezinhlobo zabasebenzisi nezindawo uma kubekwa amaqophelo namazinga omsebenzi okuhlinzeka ngezidingongqangi. Ekusebenziseni ilungelo kulesi gatshana, uMkhandlu kumele uhambelane nomthetho okhishwayo kuZwelonke futhi ubuke nezinto ezibekwe esigatshaneni3.

(3) UMkhandlu kumele ubheke lezi zinto ezilandelayo ukuqinisekisa ukukwazi ukufinyelela kwizidingongqangi:

(a) uhlelo lokulandelana ngokubaluleka lokuphathwa kwemfucuza olubekwe esigabeni 2;

(b) isidingo sokusebenzisa izinsizakusebenza ngokonga;

(c) isidingo sokuba namandla okuthenga;

(d) okudingekayo kokusebenza ngekhono;

(e) okudingekayo kwendinganiso; kanye

(f) nesidingo sokuvikela impilo yabantu nemvelo.

12. Ukuhlinzekwa kwezidingongqangi

(1) UMkhandlu kumele ngokushesha okukhulu nangokwenganyelwa yizihlinzekelo zale Mithetho kamasipala-

(a) uhlinzeke ngokuqoqwa kwemfucuza wasezindlini noma wasemabhizinisini njalo ngezikhathi ezifanayo, futhi

(b) uhlinzeke ngezikhungo ezisebenzisa imfucuza ikwakha okunye okubuye kusetshenziswe ngezindleko zokuqeda abazisebenzisayo abanqunywe ngokuvumelana nenhlawulo enqunyiwe emenyezelwe ngumkhandlu-

(2) Mayelana nezidingongqangi uMkhandlu unganquma-

(a) amanani kadoti ozokuqoqwa;

(b) ukuthi yiziphi izindawo zokuhlala nezebhizinisi ezidinga izidingongqangi ikakhulu ngaphezu kokuqoqwa kwanjalo kwezikhathi ezifanayo, ngezizathu zezempilo, zokuphepha nezokuvikela imvelo;

(c) Isilinganiso sokugcina sesamba sikadoti ongabekelwa ukuba uqoqwe ngaphandle kokuhlinzekwa komsebenzi owengeziwe noma ngokubela intelo eyengeziwe, kanye

(d) Nokukhomba okudingekayo kokuhlinzekwa kwezindawo zokugcina udoti kanye nokukwazi ukufinyelela kulezo zindawo ngezimo zezindawo ezintsha ezakhiwe emva kokuqalisa kokusebenza kwale Mithetho kamasipala.

(3) UMkhandlu ungahlinzeka noma uyalele odala imfucuza ikuba ahlinzeke isitsha sokufaka esigunyaziwe sokugcina imfucuza yasezindlini, wasemabhizinisini nowansukuzonke olindele ukuthathwa. Lapho leso sitsha sokufaka esihlinzekwe nguMkhandlu sihlala kuyimpahla yoMkhandlu.

(4) Ekuhlinzekeni izidingongqangi uMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi anganquma noma ukhombe-

a. izinhlelo zokuthathwa;

b. izindawo zokubeka izitsha zokufaka ezigunyaziwe ukuze zithathwe;
c. ukuthi yiziphi izinhlobo zikadoti ezidalwa ngabasebenzisa nanoma yiziphi izindawo zikadoti obuye usetshenziswe ukwakha okunye futhi unqume izimo zokuwugcina noma zokuwuthatha; nokuthi
d. yiziphi izinto eziwudoti ezingakufanele ukuthathwa.

(5) UMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi ungayalela odala imfucuza yansukuzonke nowamabhizinisi ukuba ahlanganise leyo ngxenye kadoti enokuhlanganiswa. Lowo myalelo ungabekwa lapho ubuningi bukadoti wansukuzonke nowamabhizinisi odaleka ezindaweni udinga ukuthuthwa zonke izinsuku okungaba olingana nemigqomo eyisishiyagalombili engamalitha angama- 240 futhi lapho ngokubona koMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi ingxenye enkulu yalowo doti inokuhlanganiseka. Osebenzisa leyo ndawo angaqoka ukuhlanganisa nanoma yimuphi umthamo walowo doti bese ewufaka esitsheni sokufaka esigunyaziwe noma esembozweni esigunyaziwe nguMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi. Ngaphandle uma-

(a) ubukhulu bento yokwemboza kungezokweqa emalitheni angama-85 futhi isisindo sento yokwemboza nokuphakathi kungezukweqa kumakhilogremu angama- 35;
(b) emva kokuba imfucuza ihlanganisiwe wase ufakwa entweni yokwemboza kumele ufakwe esitsheni sokufaka esigunyaziwe futhi kumele ugcine nganokuthi kugwenywe ukulimala kwesembozo noma nanomaiyiphi inkathazo engaqhamuka kuze kube uyathathwa, futhi

(6) Nanoma yisiphi isitsha sokufaka esigunyaziwe esisetshenziswa njengokusho kwesigatshana 3 singathathwa sithululwe bese siyabuyiselwa endaweni yaso nguMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi ngezikhathi ezithile ezingabonwa zifanelekile.

(7) UMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi ungabuyekeza nanoma yiziphi izinqumo ezithathiwe njengokusho kwesigatshana 4 nganoma yisiphi isikhathi.

(8) UMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi kumele wazise bonke abadala udoti wasezindlini, wasemabhizinisini nowansukuzonke nganoma yiziphi izinqumo ezithathiwe njengokusho kwezigatshana (4) no (5) ngokubabhalela.

Ingxenye II: Ukusebenzisa imisebenzi yoMkhandlu

13. Izibopho zabadala imfucuza yasezindlini, wasemabhizinisini nowansukuzonke

(1) Nanoma ngubani odala imfucuza yasezindlini, wasemabhizinisini nowansukuzonke (ngale kwemfucuza okhonjwe nguMkhandlu njengalowo osebenziswa ukwakha enye into) kumele kufakwe imfucuza yasezindlini, wasemabhizinisini nowansukuzonke esitsheni sokufaka esigunyaziwe.

(2) Akukho muntu okumele avumele isilwane okungesakhe ukuba siphazamise, sigingqe noma silimaze isitsha sokufaka esibekelwe ukuthuthwa.

(3) Osebenzisa indawo kumele aqinisekise ukuthi-

(a) awukho umlotha oshisayo, ingilazi engagoqiwe noma omunye udoti wasezindlini, wasemabhizinisini nowansukuzonke ongadala ukulimala esitsheni sokufaka esigunyaziwe noma ongalimaza umsebenzi womkhandlu noma womhlinzekimsebenzi ngesikhathi benza imisebenzi yabo njengokusho kwale Mithetho kamasipala, okumele ufakwe esitsheni sokufaka esigunyaziwe ngaphambi kokuba izinyathelo ezifanelekile zithathiwe ukugwema lowo monakalo noma ukulimala.

(b) Ayikho into, kubandakanya nanoma yini esaketshezi, okungaba yimbangela yesisindo sayo noma esinye isimo okungenzeka ukuthi leso sitsha sokufaka esigunyaziwe ukuba kunikeze ubunzima

kubasebenzi boMkhandlu noma bomhlinzekimsebenzi ukuuba basibambe noma basiphathe, uma kufakwe kuso;

(c) Zonke izitsha zokufaka ezigunyaziwe ezisemagcekeki zigcinwa zivaliwe uma imfucuza ifakwe phakathi noma uthululelwa khona, futhi zonke kumele zigcinwe zisesimweni esihlanzekile;

(d) Isitsha sokufaka esigunyaziwe esilethwa nguMkhandlu esisetshenziselwa nanoma yiziphi izinhloso ngale kokugcinwa kwemfucuza wasezindlini, wasemabhizinisini nowansukuzonke futhi ikakhulukazi akumele kokhelwe umlilo emgqomeni nasesiqukathini;

(e) Isitsha sokufaka udoti esigunyaziwe sibekwa ngaohandle kwasekungeneni kwaleyo ndawo ngaphambi kwesikhathi nangosuku lwesonto olubalulwe nguMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi ngesaziso kumnikazi noma kosebenzisa leyo ndawo, ngaphandle lapho, ngokwesicelo esibhalelwe uMkhandlu, uMkhandlu ukhombise ngokubhala ukuthi wenelisekile ngokuthi umuntu ubuthakathaka ngokomzimba noma ngokunye engakhoni uhambelana nesaziso; futhi

(f) Isitsha sokufaka esigunyaziwe esibekwe ngokuhambisana nesigatshana (3) (e) kumele singalinyazwa futhi sihlsle sivaliwe ngci ukuze sivikele ukuphephuka kokuqukethwe.

(4) Umnikazi noma osebenzisa indawo kumele ahlinzeke ngesikhala kanye nanoma yiziphi izindawo ezibonakala zifanelekile nguMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi endaweni yokugcina isitsha sokufaka esigunyaziwe.

(5) Isikhala esihlinzekiwe njengokusho kwesigatshana (4) kumele-

(a) sibe sendaweni ethile egcekeni ezovumela ukubekwa kwezitsha zokufaka ezigunyaziwe ngaphandle kokuba zibonakale usemgwaqweni noma endaweni yomphakathi;

(b) lapho imfucuza yansukuzonke unqwabelana egcekeni;

(i) ezisesimweni lapho kuzovumela ukuthi ukuthathwa nokuthuthwa kwalowo doti ngabasebenzi boMkhandlu noma bomhlinzekimsebenzi ngaphandle kokuphazamiseka; futhi

(ii) ungabi kude ngamamitha angama- 20 kusuka ekungeneni kwasendaweni esetshenziselwa ukuthatha udoti nguMkhandlu noma ngumhlinzekimsebenzi;

(c) ubekwe lapho uzokuvumela ukufinyelela ngokukhululeka nokuphuma kuleyo ndawo kwezinto zokuthutha odoti zoMkhandlu noma zomhlinzekimsebenzi;

(d) ihambelane nanoma yimiphi imiyalelo eqondene engale ebekwe nguMkhandlu noma ngumhlinzekimsebenzi ngesaziso kumnikazi noma kosebenzisa indawo; futhi

(e) yakhiwe ngokuhambisana nokudingwa nanoma iyiphi imithetho ekhishiwe yezakhiwo eqondene.

(6) Osebenzisa indawo kumele abeke noma enze ukuba kubekwe isitsha sokufaka esigunyaziwe endaweni ehlinzekiwe njengokusho kwesigatshana (5) futhi ngazo zonke izikhathi kumele zihlale zibekwe lapho, ngaphandle

(a) kodaba lapho izakhiwo zigxunyekwa noma izakhiwo, amapulani ezakhiwo egunyaziwe ngaphambi kokuqala kokusebenza kwale Mithetho kamasipala; noma

(b) esikhathini soMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi engakwazi ukuthatha nokuthuthela udoti endaweni ehlinzekiwe njengokusho kwesigatshana (5) (b) (ii),

uMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi ngokubheka ukugwenywa kwenkathazo nokubalula ukuthathwa kwemfucuza, ungakhomba indawo engaphakathi noma ngaphandle kwegceke lapho isitsha sokufaka esigunyaziwe kumele sibekwe khona ngendlela yokuthi ezikhathini ezithile nangokwesikhathi esithile njengoba uMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi engayalela.

14. Inhlawulo enqunyiwe yezidingongqangi

UMkhandlu ungabiza amareyithi ngesakhiwo noma unganquma intelo (noma kokubili) ngokuhlinzekwa kwezidingongqangi.

15. Isibopho sokukhokhela izidingongqangi

(1) Umnikazi wendawo unesibopho eMkhandlwini sokukhokha inhlawulo enqunyiwe ngokuhlinzekwa kwezidingongqangi, futhi akanalo igunya lokuxolelwa ekubeni necala lokukhokha inhlawulo enqunyiwe ngesizathu sakhe sokungasebenzi, noma sokusebebenzisa kancane izidingongqangi noma kungabe uMkhandlu uhlinzeke leyo misebenzi ngokwawo noma ngokomhlinzekimsebenzi.

(2) Inhlawulo enqunyiwe ifaneleka ukuba ikhokhwe ngosuku olufanayo nokuhlolwa kwentelo ebiziwe.

ISAHLUKO 4

IMISEBENZI YOKUHWEBA

Ingxenye 1: Ukuhlinzekwa kwemisebenzi yokuhweba ngabanamalayisensi kanye nokulawula ukuqhubeka kwezinto

16. Ukuhlinzekwa kwemisebenzi yezokuhweba ngabanamalayisensi-

(1) Ukonga uma kwenzeka imfucuza yasengadini, onelayisensi kuphela ongahlinzeka imisebenzi yekuhweba.

(2) Nanoma ngubani odinga imisebenzi yokuhweba kumele azigculise ukuthi usonkontileka onelayisensi lokuqoqa nokulahla uhlobo udoti oludalekele futhi kumele athathe izinyathelo ezifanelekile ukuqinisekisa ukuthi

imfucuza efanele uyaqoqwa futhi uchithwe njengokusho kwale Mithetho kamasipala.

17. Ukuhlinzekwa kolunganiso lokuchithwa kwemfucuza

UMkhandlu ungayalela, ngesaziso esishicilelwe kwiGazethi yesiFundazwe saseMpumalanga Kapa, ukuthi uhlobo lukadoti ozochithwa endaweni ethile noma ezaleni. Akukho muntu okumele achithe lowo doti ngale kokubalulwe esazisweni esishicilelwe kwiGazethi ngaphansi kwalesi sigaba noma njengoba kubaluliwe nguMkhandlu ngaphansi kweminye imithetho ekhishwayo enikeza amandla ngaphambi kokuba kuqalise ukusebenza kwale Mithetho kamasipala.

Ingxenye 11: Imfucuza yamabhizinisi, wezimboni nokukwazeka ukuba ubuye wenziwe enye into.

18. Ukugcinwa kwemfucuza wamabhizinisi, wezimboni nobuye usetshenziselwe ukwakha enye into ezosetshenziswa

(1) Umnikazi noma osebenzisa indawo lapho udoti webhizinisi, wezimboni noma obuye usetshenziselwe ukwakha enye into wenzeka khona kumele kuqinisekiswe ukuthi kuze kube yisikhathi esithile njengoba lowo doti uqoqwe ngonelayisensi usuke ezindaweni lapho wenzeke khona -

(a) imfucuza igcinwa esiqukathini esikhulu noma kwesinye isitsha sokufaka esigunyaziwe; futhi

(b) akukho nkathazo kubandakanya kodwa ngale kothuli, oludalwa ngudoti ngesikhathi sokwenza, sokuwugcina noma sokuwuqoqa.

19. Ukuqoqwa nokuchithwa kwemfucuza wezimboni, wamabhizinisi nokubuye usetshenziswe ukwakha enye into-

(1) Umnikazi noma osebenzisa leyo ndawo edala udoti webhizinisi, wemboni nobuye usetshenziswe ukwakha enye into ezosetshenziswa kumele aqinisekise ukuthi –

(a) isiqukathi lapho imfucuza igcinwe khona akumele sigcinwe endaweni yomphakathi ngaphandle uma kudingeka sithathwe;

(b) imfucuza iqoqwa ngonelayisensi ngesikhathi esifanekekile emva kokuba udalekile; futhi

(c) ukuthi umsebenzi owenziwe ngonelayisensi kumele kube ngawaleyo ngxenye kadoti webhizinisi, wezimboni noma obuye usetshenziselwe ukwakha enye into ogunyazwe elayisensini lawo.

(2) Onelayisensi kumele achithe udoti webhizinisi, wemboni noma obuye usetshenziswe ukwakha enye into endaweni yokuwugcina noma yokuchitha udoti eqokwe nguMkhandlu njengendawo yokuchitha udoti njengokuhambisana nesigaba 18 esingenhla futhi ngokuhambelana nezimiselo zesigaba 19.

Ingxenye 111: Imfucuza yasengadini noyimfucumfucu

20. Ukugcinwa, ukuqoqwa nokuchithwa kwemfucuza wasengadini noyimfucumfucu-

(1) Umnikazi noma osebenzisa indawo lapho imfucuza yasengadini wenzeka khona angawenza umquba imfucuza yasengadini egcekeni, ngaphandle uma lokho kwennza umquba kungazokudala inkathazo.

(2) Osebenzisa indawo lapho imfucuza yasengadini wenzeka khona futhi ungenziwa umquba noma lapho imfucuza eyimfucumfucu wenzeka khona

kumele aqinisekise ukuthi lowo doti uyaqoqwa futhi uyachithwa ngesikhathi esifanele emva kokuba wenzekile.

(3) Nanoma ngubani noma onelayisensi angasusa imfucuza yasengadini noyimfucumfucu, ngaphandle uma kuphela lowo doti sowuqoqiwe endaweni lapho wawenzeke khona, sowubekwe endaweni yokugcina imfucuza yasengadini ngokuhambelana nezimiselo zesigaba 28.

(4) Esicelweni esibhaliwe sosebenzisa indawo uMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi ngokuzicabangela yedwa ungaletha isitsha sokufaka udoti esigunyaziwe ngenhloso yokugcina imfucuza yasengadini ngaphezulu kwanoma yisiphi isitsha sokufaka esasilethwe endaweni sokugcina udoti wasendlini. Izihlinzekelo eziqukethwe esigabeni 13 ezifundeka nezinguquko ezifanele, kumele zisebenze esitsheni sokufaka esigunyaziwe esalethwa ngokuhambisana nalesi sigaba kodwa okumele sisetshenziselwe ukugcina imfucuza yasengadini.

(5) Lapho esikhathini sokuhlinzekwa kwezidingongqangi, uMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi ohlinzeka umsebenzi enombono wokuthi kuzokwenza kube lukhuni kumalunga omphakathi hhayi ngesikhathi esifanayo ukuba kuthuthwe imfucuza yasengadini noyimfucumfucu, uMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi ungathuthwa lowo doti, uma ufakwe esitsheni sokufaka esigunyaziwe okubhekiswe kuso esigabeni 13 endaweni eqokelwe imfucuza yasendlini, lapho inhlawulo ehlawuliselwa imfucuza yasezindlini ifundeka neziguquko ezifanele, kumele isebenze.

Ingxenye IV: Udoti wokwakha

21. Ukwenzeka kwemfucuza wokwakha-

(1) Umnikazi noma osebenzisa indawo lapho udoti wokwakha uzokwenzeka khona kumele azise uMkhandlu ngokuwubhalela, ngenhloso yokwenza udoti wokwakha futhi nangendlela ehlosiwe yokuwususa nokuwuchitha

okungenani ezinsukwini eziyi-14 ngaphambi kokuqala kokwenziwa kwalowo doti okuhlosiwe.

(2) Umnikazi noma osebenzisa leyo ndawo kumele aqinisekise ukuthi –

(a) kuze kube uyachithwa, wonke udoti wokwakha kuhlanganisa neziqukathi ezisetshenziselwe ukuwugcina, ukuwuqoqa nokuwuchitha zigcinwa endaweni lapho udoti wenzeke khona;

(b) indawo lapho udoti wokwakha wenzeke khona ayizokuba ngengabukeki noma idale inkathazo ngenxa yokunqwabelana kwemfucuza wokwakha;

(c) Nanoma yimuphi udoti wokwakha ophephukile endaweni uzobuyiselwa ngokushesha; futhi

(d) njenganoma yimiphi imiyalelo yoMkhandlu, nanoma yisiphi isakhiwo esifanelekile sokuqukatha udoti wokwakha sizokwakhiwa.

22. Ukugcinwa kwemfucuza wokwakha –

(1) Umnikazi noma osebenzisa indawo angafaka isicelo eMkhandlwini semvume ebhaliwe sokubeka isitsha sokufaka esigunyaziwe sokugcina nokuqoqa udoti wokwakha emgwaqweni obekelwe isikhathi saleyo mvume.

(2) Nanoma iyiphi imvume enikeziwe njengokusho kwesigatshana (1) kungaba ngokwenganyelwa yileyo mibandela uMkhandlu ongayibona ifanelekile.

(3) Zonke izitsha zokufaka ezigunyaziwe njengokusho kwesigatshana (1) futhi ezisetshenziselwa ukuthuthwa kwemfucuza wokwakha, kumele-

(a) ziqoshwe ngokugqamile igama, ikheli nenombolo yocingo yomuntu olawula leso sitsha sokufaka esigunyaziwe;

(b) zifakwe izimpawu ezibonisayo noma izinto ezikhanyayo ezizofanekisa ngokugcwele ingaphambili nengemumva lwazo; futhi

(c) zimbozwe ngazo zonke izikhathi ngaphandle uma kufakwa noma kuthululwa lowo doti ukuze kungabibikho ukuhlakazeka kokuyiqukethe okungenzeka.

23. Ukuqoqwa nokuchithwa kwemfucuza wokwakha-

(1) Umnikazi noma osebenzisa indawo lapho udoti wokwakha wenzeka khona kumele aqinisekise ukuthi uchithwa ngonelayisensi.

(2) Wonke udoti wokwakha kumele uchithwe endaweni yokuchitha udoti ekhonjelwe leyo nhloso nguMkhandlu njengokusho kwesaziso ngaphansi kwesigaba 17, ngaphandle uma uMkhandlu unikeze imvume ebhaliwe yokuba udoti wokwakha usetshenziselwe inhloso yokubuyisela umhlaba noma yokuwusebenzisa ukwakha enye into ezobuye isetshenziswe.

Ingxenye V: Imfucuza eyisipesheli wezimboni, oyingozi noma onobungozi empilweni

24. Ukwenzeka kwemfucuza oyisipesheli wezimboni, oyingozi noma onobungozi empilweni

(1) Akukho muntu okumele aqhube umsebenzi ongadala ukuba kwenzeke imfucuza eyisipesheli wezimboni, oyingozi noma onobungozi empilweni, ngaphandle kokuba azise uMkhandlu ngaphambi kokwenza lowo doti, kokuhlanganisa lowo doti, ubuningi obulinganiselwe bokuzokwenzeka, indlela yokuwugcina, isikhathi esihlongoziwe sokuwugcina, indlela ozoqoqwa nozochithwa ngayo kanye nokuhlonzwa konelayisensi ozothutha lowo doti: Ngaphandle uma lowo doti wenzeke

ngenxa yemisebenzi eqalise ngaphambi kokuqalisa kokusebenza kwale Mithetho kamasipala, owenzile kumele azise uMkhandlu kungakapheli izinyanga eziyi- 6 zokuqalisa kokusebenza kwale Mithetho kamasipala.

(2) Uma kudingwa kanjalo nguMkhandl, isaziso okubhekiswe kuso esigatshaneni (1) singaqiniswa ngokuhlaziywa kokwenziwe umquba kwalowo doti okufungelwe ngusokhemisi wasembonini okufundele.

(3) Umuntu okubhekiswe kuye esigatshaneni (1) kumele azise uMkhandlu ngokuwubhalela nganoma yiziphi izinguquko ezenzekayo ezimayelana nokwenzeka nokwenziwa komquba nesamba nendlela nendawo lapho kuchithwe khona imfucuza eyisipesheli wasembonini, oyingozi nonoobungozi empilweni.

25. Ukugcinwa kwemfucuza oyisipesheli wezimboni, oyingozi noma onobungozi empilweni

(1) Nanoma ngubani oqhuba umsebenzi ongadala udoti oyisipesheli wasezimbonini, oyingozi noma onobungozi empilweni kumele aqinisekise ukuthi imfucuza ewenzeke endaweni ubekwa futhi ugcinwa lapho kuze kube uyaqoqwa, ususwe endaweni.

(2) Imfucuza eyisipesheli wasezimbonini, oyingozi nonobungozi empilweni ogcinwe egcekeni kumele ugcinwe ngendlela yokuthi awubi inkathazo noma udale ubungozi empilweni yomuntu noma umonakalo emvelweni, futhi ngokuhambelana nokudingekayo kwanoma yimiphi imithethonqubo yezakhiwo eqondene noma imithetho kamasipala eyengeziwe.

(3) Imfucuza eyisipesheli, oyingozi noma onobungozi empilweni kumele ugcinwe esitsheni sokufaka esigunyaziwe isikhathi esingeqi nanoma

yisiphi isikhathi esiphelele esinqunyiwe esilayezelwe nguMkhandlu ngaphambi kokuqoqwa.

(4) UMkhandlu ungamisa imithetho kamasipala eyengeziwe ehlinzeka ngezinkombandlela zokulawulwa kwemfucuza onobungozi empilweni.

26. Ukuqoqwa nokuchithwa kwemfucuza oyisipesheli wezimboni, oyingozi noma onobungozi empilweni -

(1) Abanamalayisensi kuphela abangathutha imfucuza eyisipesheli wezimboni, oyingozi noma onobungozi empilweni futhi kumele benze njalo ngokuhambelana nokudingwa nguMkhandlu, okumiswe emibandeleni yelayisensi noma emithethweni kamasipala eyengeziwe, ngokohlobo lwemoto, izimpawu nangendlela yokwakhiwa kwaleyo moto, izimo zokuphepha nezenhlanzeko kanye nencwadi ephathelene nomsuka, ukuthuthwa nokuchithwa kwalowo doti, anye nokudingwa nanoma yimiphi eminye imithetho ekhishwayo.

(2) Onelayisensi ogunyazelwe ukuqoqa nokuchitha udoti oyisipesheli wezimboni, oyingozi noma onobungozi empilweni kumele azise uMkhandlu kulezo zikhawu, uMkhandlu ungamisa kwilayisensi noma kokunye, mayelana nokuthuthwa kwemfucuza oyisipesheli wasembinini, onobungozi noma oyingozi empilweni usuku lwalokho kuthuthwa, isamba, inhlanganisela kadoti othuthwayo kanye nendawo lapho udoti uchithwe khona.

(3) Onelayisensi kumele achithe imfucuza eyisipesheli wasembonini, onobungozi noma oyingozi empilweni endaweni yokuchitha udoti eqokwe nguMkhandlu njengendawo yokuchitha udoti.

ISAHLUKO 5

UKUTHWALWA NOKUCHITHA KWEMFUCUZA

27. Ukuthwalwa kwemfucuza

(1) Yize noma izihlinzekelo zanoma yimiphi eminye imithetho ekhishwayo, akekho umuntu okumele -

(a) asebenzise imoto ukuthwala udoti emgwaqweni ngaphandle uma imoto leyo unomzimba onobukhulu abanele nesakhiwo sohlobo lokuthwala udoti..

(b) ahluleke ukugcina izimoto ezisetshenziswa ukuthwala udoti zisesimweni esihlanzekile nesilungele ukuhamba emgwaqweni ngazo zonke izikhathi;

(c) adale noma avumele nanoma yimuphi imfucuza ikuba uthuthelwe, noma phakathi emkhandlwini ukuze uthukululwe, uvuze noma uwe emotweni ewuthwele ngaphandle kwasendaweni yokuchitha udoti;

(d) achithe ngamabomu udoti endaweni yokuchitha udoti engavunyelwe ukwamukela lowo doti.

28. Ukuchithwa kwemfucuza-

(1) Imfucuza ewenzeke phakathi eMkhandlwini kumele uchithwe endaweni yokuchitha udoti evunyelwe ukwamukela nokuchitha udoti njengokusho kwesigaba 17 futhi ngokuhambelana nezimiselo zanoma yimuphi omunye umthetho olawula ukuchithwa kwemfucuza.

(2) Akukho muntu okumele ashise udoti noma endaweni yomphakathi noma yomuntu ngaphandle kwaseziko lokushisa eligunyaziwe elisetshenziswa ngonelayisensi, noma ngale kwasendaweni eqokelwe leyo nhloso nguMkhandlu.

(3) Ngale kwezimiselo zesigatshana (1), nanoma ngubani angachitha lezo

(4) zinhlobo zikadoti obuye usetshenziswe ukwakha into ebuye isebenze obalulwe nguMkhandlu esazisweni njengokusho kwesigaba 17 noma kwenye indawo esezindaweni zokugcina imfucuza yasezingadini eqokiwe, kodwa angenza njalo kuphela uma wonke lowo doti ulethwe esikhungweni yizimoto ezikwaziyo ukuthwala umthwalo olingene ngokugcwele wethani elilodwa noma ngaphansi.

(5) Ukuchithwa kwemfucuza kunoma yisiphi isikhungo sokuchitha udoti, ngaphezu kwanoma yimiphi imibandela ebekwe yisiphathimandla esifanele, angaba ngokwenganyelwa yimibandela ethile njengoba uMkhandlu ngezikhathi ngezikhathi ungabalula, kubandakanya izikhathi zokuvula nokuvala, uhlobo lukadoti okumele uchithwe, indawo lapho nanoma yimuphi lowo doti esikhungweni sokuchitha imfucuza ekumele ubekwe kuyo kanye nanoma yiziphi ezinye izindaba uMkhandlu ongazibona zifanelekile ukuqinisekisa ukulawulwa okuyikho kwendawo kadoti.

(6) Wonke umuntu ongena esikhungweni sokuchitha udoti kumele-

(a) angene esikhungweni sokuchitha udoti entubeni yokungena enqunywe ngolawula isikhungo sokuchitha udoti;

(b) ngokucela, ahlinzeke uMkhandlu noma umlawili wesikhungo sokuchitha udoti nganoma yiluphi ulwazi oluphathelene nokuhlanganiswa kwemfucuza; futhi

(c) alandele yonke imiyalelo ekhishwe ngumlawuli wesikhungo sokuchitha udoti maqondana nokufinyelela endaweni eyiyo, kanye nendlela imfucuza ekumele ufakwe ngayo.

(7) Akukho muntu okumele-

(a) alethe nanoma iyiphi into esatshwala noma edakayo noma elalisayo esikhungweni sokuchitha udoti noma angene kuleso sikhungo edakiwe;

(b) angene esikhungweni sokuchitha udoti nganoma iyiphi inhloso ngale kokuchitha udoti njengokusho kwale Mithetho kamasipala, ngaphandle uma egunyazwe ukwenza njalo ngumlawuli wesikhungo sokuchitha udoti

noma nguMkhandlu bese kube ngokwezikhathi nangezimo ezithile njengoba uMkhandlu noma umlawuli engazinquma ngezikhathi ngezikhathi;

(c) achithe udoti esikhungweni sokuchitha udoti esingavunyelwe lowo doti; noma

(d) aphembe nanoma yimuphi umlilo kunoma iyiphi indawo yokuchitha noma eduze kwayo ngaphandle kokugunyazwa.

(8) Nanoma ngubani owephula isigatshana 28 (6) uyokubekwa icala lazo zonke izindleko ezidalekele uMkhandlu ngokususa noma ngokunye kulungiswa ukuchithwa ngokungeyikho kwemfucuza esikhungweni sokuchitha udoti.

(9) UMlawuli wesikhungo sokuchitha imfucuza ingayalela nganoma yisiphi isikhathi imoto noma isiqukathi esisemotweni engena esikhungweni sokuchitha udoti ngenhloso yokuzochitha imfucuza ikuba ikalwe emshinini wokukala izimoto.

(10) UMkhandlu, umlawuli wesikhungo sokuchitha udoti, umsebenzi ogunyaziwe noma nanoma ngubani ngokufaneleyo ogunyazwe nguMkhandlu okumele ahlole okuqukethwe nanohlobo lukadoti ozochithwa noma ozosetshenziswa ngandlela thize futhi angathatha amasampula bese ehlola nanoma yimuphi imfucuza etholakele kunoma iyiphi imoto ukuze zisise inhlanganisela yawo.

(11)Nanoma ngubani owephula nanoma yiziphi izihlinzekelo zalesi sigaba anganqatshelwa ukungena noma asuswe esikhungweni sokuchitha udoti.

ISAHLUKO 6

ABAHLINZEKA NGEMISEBENZI

29. Isivumelwano, ukunikezwa kwamandla nencwadi enikeza imvume kahulumeni yabathengi

(1) UMkhandlu ungafeza nanoma yiziphi zezibopho zawo ngaphansi kwesigaba 12 sale Mithetho kamasipala ngokungena esivumelwananeni sokuletha umsebenzi nomhlinzekimsebenzi noma abahlinzekimsebenzi njengokusho koMthetho Wezinhlelo.

(2) Ngokwenganyelwa yizihlinzekelo zoMthetho Wezinhlelo noma nanoma yimuphi omunye umthetho okhishwayo, uMkhandlu ungabela umhlinzekimsebenzi nanoma yimaphi amandla okungawoMkhandlu ngaphansi kwale Mithetho kamasipala: Ngaphandle uma umsebenzi udinga ukuba umhlimzekimsebenzi afeze isibopho ngaphansi kwesivumelwano sokuletha umsebenzi.

(3) Nanoma yikuphi okubhekiswe kuko kule Mithetho kamasipala " uMkhandlu noma umhlinzekimsebenzi" kumele kufundwe njengokuthi "uMkhandlu" uma uMkhandlu engangenanga esivumelwaneni sokuletha umsebenzi, futhi kumele kufundwe njengokuthi " umhlinzekimsebenzi" uma uMkhandlu ungenile esivumelwaneni sokuletha umsebenzi.

(4) Abahlinzekimsebenzi kumele bahlinzeke imisebenzi ngokuhambelana nencwadi enikeza imvume kahulumeni yabathengi okumele ihlanganiswe ngokuxhumana noMkhandlu futhi okumele-

(a) ivumelane nezimiselo zale Mithetho kamasipala;

(b) ifinyelele emphakathini;

(c) kusungulwe imibandela yomsebenzi, kubandakanya izikhathi zokulanda; futhi

(d) kuhlinzekelwe izimo lapho izidingongqangi zingaba nomkhawulo.

ISAHLUKO 7

ABANAMALAYISENSI

Ingxenye 1: Ukubhaliswa

30. Okudingekayo ekubhaliseni-

(1) Nanoma ngubani ohlinzeka noma ohlose ukuhlinzeka ngemisebenzi yokuhweba emkhandlwini kumele abhalise emkhandlwini.

(2) Ukubhalisa kumele kube ngesaziso esibhalelwe uMkhandlu, futhi kumele sibalule-

(a) igama nekheli lalapho ehlala khona neleposi lomuntu ohlinzeka ngemisebenzi yekuhweba, futhi uma kuyinkampani enamalunga angeqile kwayi-10, inombolo yayo yokurejista, amagama abaqondisi bayo noma amalunga kanye nekheli lenhlokohhovisi elirejistiwe;

(b) uhlobo lomsebenzi wokulawula imfucuza eluhlinzekiwe noma oluhlongoziwe ukuhlinzekwa ngumuntu;

(c) uhlaka lomsebenzi oluzobalula inani lamakilayente azonikezelwa noma okuhloswe ukunikezelwa ngesikhathi sokubhalisa, umumo wendawe yokusebenza kanye nemali okuhloswe ukuba isetshenziswe, noma ezosetshenziswa ekwenzeni umsebenzi; kanye

(d) nezindawo zokuchitha okungezakhe noma ahlose ukuzisebenzisa ukuchitha udoti awuqoqayo noma awenzayo.

(3) UMkhandlu kumele uhlinzeke ngobufakazi bokubhalisa obubalula igama nekheli lalapho ehlala khona neleposi lomuntu obhalisiwe, futhi oluchaza uhlobo lwemisebenzi yokuhweba ehlinzekwayo noma okuhloswe ukuba ihlinzekwe yilowo muntu.

(4) Lapho umuntu obhalisiwe njengokusho kwesigatshana (1), bese umuntu -

(a) ezuza ifemu ehlinzeka ngemisebenzi yekuhweba;

(b) ehlangana nabanye abantu abahlinzeka ngemisebenzi yokuhweba;

(c) eshintsha ubunikazi;

(d) eshintsha isimo sezwe;

(e) eshintsha uhlobo lwemisebenzi yezohwebo ayihlinzekayo;

(f) Ehlosa ukunqamula ukuhlinzeka leyo misebenzi;

(g) Ebandakanyeka ekuqedeleni osekwenziwa; noma

(h) Ekhuphula intela yakho konke osekuthengisiwe kodwa sekususwe zonke izindleko;

futhi- ke lowo muntu kumele azise uMkhandlu ngaleso senzeko kanye nokonga ezimweni ezibekiwe ezigatshananeni (4) (f) noma (g), ophinde abhalise ngokuvumelana nezimiselo zesigatshana (1).

Ingxenye 11: Ilayisensi Yokuhlinzeka imisebenzi yokuhweba

31. Okudingekayo kwelayisensi –

(1) Ngokwenganyelwa yisigaba 35, akukho muntu okumele ahlinzeke imisebenzi yekuhweba ngaphandle kokuqala athole ilayisensi.

(2) Amalayisensi akhishwa ngaphansi kwemithetho kamasipala-

(a) aqondene nomuntu onelayisensi futhi angakwazi ukunikela noma ukwabela ngaphandle kokuqala athole imvume ebhaliwe yoMkhandlu;

(b) angaba semthethweni isikhathi esikhonjwe elayisensini, okuyisikhathi okungamele seqe eminyakeni emihlanu; futhi ngokufaka isicelo njengokusho kwale Mithetho kamasipala singavuselelwa siqhutshezelwe phambili nguMkhandlu; futhi

(c) angamiswa noma angachithwa nguMkhandlu, uma onelayisensi ephule nanoma yiziphi izihlinzekelo zale Mithetho noma nanoma yisiphi isikhathi esikhonjwe elayisensini.

32. Ukufakwa kwesicelo selayisensi

(1) Izicelo zelayisensi zokuhlinzeka ngemisebenzi yokuhweba kumele kube ngezibhaliwe efomini elinqunywe nguMkhandlu. Ifomu kumele lubalule ulwazi okumele lufakwe esicelweni nesikhathi esikhona sokwenza isicelo, leso sikhathi akumele sibe ngaphansi kwezinyanga ezimbili ubude.

(2) UMkhandlu kumele ubheke isicelo ngasinye, ngokubuka lokhu okulandelayo:

(a) ikhono lezimali, lobuchwepheshe, lokuphatha kanye nesipiliyoni sofake isicelo;

(b) amarekhodi endawo yokuhlala, empilo nokuphepha kofake isicelo;

(c) uhlobo lomsebenzi wokulawula imfucuza ekumele luhlinzekwe; kanye

(d) nanoma yiziphi ezinye izinto uMkhandlu ungazicabanga ziqondene.

(3) Emva kokubheka isicelo njengokusho kwesigatshana (2), uMkhandlu kumele –

(a) ugunyaze isicelo ngokukhipha ilayisensi ngaphansi kwemibandela nezimo zokwenza umsebenzi, noma

(b) uchithe isicelo, lokho kuchithwa kumele kuhambisane nezizathu.

33. Imibandela nezimo zelayisensi

(1) Uma kunikezelwa ilayisensi njengokusho kwesigaba 32, uMkhandlu ngaphansi kwezimiselo zesigatshana (2) ungabeka nanoma yimiphi imibandela yelayisensi ongayibona ifanelekile.

(2) Amalayisensi anikezelwa nguMkhandlu kumele-

(a) achaze umumo wendawo yokusebenzela yonelayisensi;

(b) abalule isikhathi selayisensi kanye nendlela yokuvuselelwa kwanoma iyiphi ilayisensi;

(c) abalule uhlobo noma izinhlobo zokadoti onelayisensi okumele a azilawule;

(d) aqukathe umyalelo wokuthi onelayisensi okumele ahambelane nale Mithetho kamasipala, kanye nemithetho ekhishwayo esetshenziswa esiFundazweni nakuZwelonke;

(e) ayalele onelayisensi ukuba agcine amarekhodi anyanga zonke amayelana –

(i) namanani kadoti awemukelile, izindawo zezizinda ezidala udoti, igama lodala udoti kanye nalapho onelayisensi elawula izinhlobo ezihlukene zikadoti, inano lohlobo ngalunye olulawulwayo;

(ii) amaleveli okuphuma lapho onelayisensi elawulwa iziko lokushisa izinto elinelayisensi;

(iii) umsebenzi ophathelene nokuzuzwaa kwezinhloso zendawo zesiFundazwe noma zikaZwelonke lapho lezo zinhloso zisophiwe, futhi kumele zibandakanye imiphumela yokuqapha lowo msebenzi;

(iv) imisebenzi yanoma yikuphi ukuncishiswa kwemfucuza noma yokubuye usetshenziselwe ukwakha enye into lapho onelayisensi ebandakanyeka khona;

(v) izibalo zokuphakelwa kwabathengi; kanye

(vi) nezikahlo ezitholwa ngumphakathi;

(f) ayalele onelayisensi ukuba abe nendawo efanelekile futhi enomshuwalense enokubekwa icala nganoma yikuphi ukuchithwa kwemfucuza noma ngokuphatha izikhungo okungezakhe ngokuvumelana nohlelo lomshuwalense olugunyazwe nguMkhandlu ngaphansi kwelayisensi, lapho ukuguvunyazwa kungeke kube ngokoMkhandlu, nanoma yikuphi ukubekwa icala uma uhlelo lomshuwalense lubonakalisa ngokunganele;

(g) uvumele onelayisensi ukuba aqhube nanoma yiliphi elinye ibhizinisi elingahambisani ngokomthetho oselayisensini ngaphandle uma lelo bhinisi lingaphazamisi noma lingaphambani nezibopho zonelayisensi ezingaphansi kwelayisensi, le Mithetho kamasipala noma nanoma yimiphi eminye imithetho futhi ngaphandle uma leyo misebenzi ingaqondene naye ngqo;

(h) ulayezele ngezindlela zokuchibiyela ilayisensi;

(i) ulayezele izimo lapho ilayisensi ingachithwa noma ihoxiswe nguMkhandlu futhi ubeke uhlelo lokuzikhalela;

(j) unqume ukukhokhwa kwemali yelayisensi;

(k) uyalele onelayisensi ukuba athathe izinyathelo ezifanele zokuvikela abasebenzi bakhe ekwenzeni nanoma yisiphi isenzo noma iphutha ngesikhathi sokuqashwa kwabo, okungadala ubungozi kubantu noma umonakalo emvelweni;

(l) uyalele onelayisensi ukuba aqinisekise ukuhambisana nale Mithetho kamasipala kanye nemibandela ngabasebenzi bakhe, umphatheli kanye nezinkontileka ezingaphansi kwakhe futhi aqinisekise ukuthi izinkontilaki ezingaphansi kwakhe zinamalayisensi okugcina, ukuqoqa,

okuthutha nokuchithwa kwanoma yimuphi udoti abanikezwe inkontilaki ukuba bawulawule; futhi

(m) uqukathe nanoma yisiphi isimiselo noma umbandela uMkhandlu ongazibona ziqondene.

34. Ukuziphatha okungavunyelwe-

(1) Abanamalayisensi akumele:

(a) banqamule ukusebenza esikhungweni sokuchitha udotingaphandle kohlelo lokuvala olugunyazwe nguMnyango Wezamanzi Namahlathi noMnyango Wezemvelo Nezokuvakasha noma nanoma yisiphi esinye isiphathimandla esifanele;

(b) bashiye isikhungo sokuchitha udoti noma isikhungo sokugcina udoti;

(c) basebenze ngokuphambana nezimiselo nemibandela yamalayisensi abo;

(d) bahluleke noma banqabe ukunikeza ngolwazi, noma banikeze ulwazi olungamanga noma oludukisayo lapho beyalelwa ukwenza njalo njengokusho kwale Mithetho kamasipala;

(e) bahluleke ukuthatha zonke izinyathelo ezifanele zokugwema isenzeko noma iphutha lomsebenzi lapho umsebenzi ekhona noma ayebambele onelayisensi ngesikhathi leso senzeko noma iphutha lingenza icala uma kwakuyisenzeko noma iphutha lonelayisensi;

(f) balahle imfucuza yasezimbonini oyisipesheli onobungozi nanoma kanjani ngale kokuwulahla esikhungweni sokuchitha udoti esivumyelwe ukuchitha lolu hlobo lukadoti.

35. Izimiso zenguquko nokuxolelwa

(1) Nanoma ngubani ohlinzeka ngokusemthethweni imisebenzi yokuhweba emkhandlwini ngesikhathi isicelo selayisensi senziwa,

angaqhubeka nokuhlinzeka imisebenzi yokuhweba ngesikhathi isicelo selayisensi sisacutshungulwa nguMkhandlu.

(2) UMkhandlu ngokubona kwawo wodwa futhi nangokubheka inhlosongqangi yale Mithetho kamasipala kanye nohlelo lwawo lukadoti lwendawo, ungakhipha izimiso zeSahluko 7 zale Mithetho kamasipala futhi kumele ukhombise izihlinzekelo nendawo yokusebenza yanoma yikuphi ukuxolelwa eszisweni esishicilelwe kwiGazethi yesiFundazwe saseMpumalanga Kapa.

ISAHLUKO 8

IZINTO EZILAHLIWE, EZICHITHIWE KANYE NEZISHIYIWE

36. Umsebenzi wokuhlinzeka ngezindawo zokulahla-

(1) UMkhandlu noma umnikazi odabeni lomhlaba okungowomnikazi, kumele uthathe izinyathelo eziphathekayo ukuqinisekisa ukuthi izitsha ezanele zokufaka ezivunyiwe ziyahlinzekwa ukuze kulahlwe udoti olahlwe ngumphakathi, kunoma iyiphi indawo lapho umphakathi ukwazi ukufinyelela kuyo.

(2) UMkhandlu, noma umnikazi womhlaba okungowomnikazi, kumele uqinisekise ukuthi zonke izitsha ezivunyiwe ezibekwe emagcekeni ukuze ziqoqele udoti -

(a) zigcinwa zisesimweni esihle;
(b) zikalwa futhi zigxunyekwe ngokufanele ukuze zingaginqeki ngokungenhloso;
(c) zakhiwe ngendlela ezoqinisekisa ukuthi aziphazanyiswa yisimo sezulu futhi azingenwa yizilwanyana;

(d) zinobukhulu obulingene ukuqukatha wonke udoti okungenzeka ukuthi wakheke emagcekeni kanye nangabantu abawasebenzisayo;

(e) zibekwa ezindaweni ezizosebenziseka kalula kuzo yilabo abazisebenzisayo noma abahlala emagcekeni ukunqanda ukulahlwa kukadoti noma yikuphi noma ukwanda kwemfucuza engenampilo; futhi

(f) zithululwe, zihlanzwe zikhathi zonke noma uma sezigcwele. Ukuthululwa nokuhlanzwa kwezitsha ezivunyiwe kumele kwenziwe njalonjalo futhi kwanele ukuze kuqinisekiswe ukuthi asikho isitsha noma okuphakathi okuyoba wuhlupho noma kuholele ekutheni kube nezizathu ezifanele zokuba nezikhalo.

(3) Kunoma iyiphi indawo yomphakathi lapho kubekwe khona isitsha esivunyiwe ukuze sifake udoti, umkhandlu ungabeka izaziso mayelana nokulahla udoti.

37. Ukulahla okungavunyelwe –

(1) Akukho muntu okumele-

(a) adale ukungcola;

(b) ashanelele nanoma yiyiphi imfucuza emseleni wamanzi, eceleni komgwaqo noma kunoma iyiphi enye indawo yomphakathi;

(c) athikameze nanoma yini kumbe asuse nanoma yini ephakathi noma ekunoma yisiphi esibekwe ngenhloso yokuqoqa udoti ngendlela ethile engadala ukuthi okuphakathi esitsheni kusaphazeke noma kuwele phansi eduze naso; futhi

(d) avumele nanoma ngubani ongaphansi kolawulo lwakhe ukuba enze nannoma yisiphi sezenzo eziningwe ezindimeni (a), (b) noma (c) ngenhla.

(2) Ngale kwezihlinzekelo zesigatshana (1), uMkhandlu noma umnikazi uma kungumhlaba womnikazi umphakathi okwazi ukufinyelela kuwo,

kumele esikhathini esithile esifanele emva kwanoma yikuphi ukulahlwa kukadoti, ukuchithwa noma ukushiywa, asuse lowo doti noma enze ukuba ususwe. Ngokwenhloso yalesi sigaba, isikhathi esifanele singachaza leso sikhathi esingaphambi kokuthi udoti ube yinkathazo noma udale ukukhonona.

38. Ukuchithwa nokushiywa kwezinto okungavunyelwe-

(1) Akukho muntu, ngaphandle kokugunyazwa, oyobeka noma avumele ukubekwa kwanoma iyiphi imfucuza kungaba uzothola inzuzo noma umklomelo noma okunye, kunoma yimuphi umhlaba noma kunoma yisiphi isakhiwo okungesakhe noma ahlalayo kuso ngaphandle uma lokho kubeka kwenziwe ngokuhambisana nezihlinzekelo zale Mithetho Kamasipala.

(2) Ngokwanoma yiziphi izihlinzekelo eziphambene nokuqukethwe yile Mithetho Kamasipala, akukho muntu oyoshiya nanoma yini kumbe avumele nanoma yini okungeyakhe ukuba ishiywe endaweni ngenhloso yokuyilahla.

(3) Akukho muntu oyochitha imfucuza.

(4) Nanoma yini, ngale kwemoto ebonakala ishiyiwe njengokusho kwesigaba 114 soMthetho Wezomgwaqo, we- 1989 (uMthetho No. 29 we-1989), isobala kuleyo ndawo etholakale kuyo, isikahthi esisihlalile kuleyo ndawo nangesimo saleyo nto, uMkhandlu uyithatha njengokuthi ilahliwe, ingasuswa futhi ichithwe nguMkhandlu uma ubona kufanelekile.

(5) UMkhandlu ungasusa futhi uchithe nanoma iyiphi into ekinatelwe noma eboshelwe kunoma yisiphi isigxobo, emitheni lokupaka noma kunoma iyiphi indawo okungeyoMkhandlu ngaphandle kwemvume njengoba ungabona kufanelekile.

ISAHLUKO 9

IZIHLINZEKELO ZOKUQINISWA KWEZOKUPHATHA

Ingxenye 1: Ukuqokwa kwezikhulu ezigunyaziwe

39. Ukuqokwa kwezikhulu ezigunyaziwe

(1) UMkhandlu ungaqoka izikhulu ezigunyaziwe ezizonikezwa amandla -

(a) okufeza ilungelo lomkhandlu lokukwazi ukungena emagcekeni ngokwesigaba 101 soMthetho Wezinhlelo;

(b) okukhipha isaziso sokuqinisa ngaphansi kwesigaba 44;

(c) okuphoqelela isaziso sokwaphulwa komthetho ngokwesigaba 45; kanye

(d) nawokusebenzisa amandla esikhulu esigunyaziwe ngokwezihlinzekelo zanoma yimuphi omunye umthetho osebenzayo.

(2) Isikhulu esigunyaziwe assona isikhulu sokuthula ngokwezihlinzekelo zoMthetho Wenqubo Yamacala Okwelelesa futhi asinawo amandla okubopha maqondana necala elenziwe kule Mithetho kamasipala.

(3) Ekuqokeni isikhulu esigunyaziwe uMkhandlu kumele ubuke:

(a) ukuqonda komuntu ubuchwepheshe nesipiliyoni sezinto eziphathelene nokuphathwa kwemfucuza; kanye

(b) nanoma iyiphi enye into emaqondana nokuphatha nokuqiniswa kwale mithetho kamasipala, okungaba okobuchwepheshe noma okokuphatha.

(4) Isikhulu esigunyaziwe kungaba yisisebenzi somkhandlu kumbe nanoma yimuphi umhlinzekimsebenzi woMkhandlu: Inqobo nje uma esimeni somhlinzekimsebenzi kungeke kube nokushayisana kwezintshisekelo phakathi komsebenzi womuntu njengesikhulu esigunyaziwe kanye nokuba yisisebenzi somhlinzekimsebenzi.

(5) Ngesikhathi sokuqokwa, izikhulu ezigunyaziwe kumele zinikezwe nguMkhandlu into yokuzichaza (lapha ebizwa ngokuthi "umazisi") ezobalula igama nomsebenzi wesikhulu esigunyaziwe, futhi kumele ifake isithombe sesikhulu. Isikhulu esigunyaziwe, esisebenza ngokwamandla esinikwe wona yile mithetho kamasipala sidingeka ukuba siveze umazisi uma ufunwa yilungu lomphakathi wendawo.

Ingxenye 11: Amandla Ezikhulu Ezigunyaziwe

40. Amandla okwenza umsebenzi kanye nokuhlola izimoto namagceke

(1) Ngaphezu kwamandla esinawo isikhulu esigunyaziwe njengesithunywa esigunyaziwe soMkhandlu ngaphansi kwesigaba 101 soMthetho Wezinhlelo kumbe nanoma yimuphi omunye umthetho, isikhulu esigunyaziwe-

(a) singangena kunoma yimuphi umhlaba noma igceke ukuze senze umsebenzi noma ukuhlola; futhi

(b) singasesha nanoma iyiphi imoto kumbe enye into yokuthutha ngemvume yomnikazi noma yomuntu osebenzisa leyo imoto.

(2) Ukusesha okwenziwe ngokwale Mithetho Kamasipala kumele kwenziwe ngendlela evumelana nezidingo zoMthethosivivinywa Wamalungelo kanye nanoma yimuphi omunye umthetho, ikakhulu, kumele kwenziwe kuqashelwa ukuhlonipheka nokuhleleka, ukuhlonishwa kwesithunzi somuntu, inkululeko nokuphepha kanye nokuba nobumfihlo.

(3) Kuze kube sezingeni lapho ukufinyelela emagcekeni kungasangeni ngaphansi kwendawo elawulwa yisigaba 101 soMthetho Wezinhlelo kumbe nanoma yimuphi omunye umthetho, isikhulu esigunyaziwe esinezizathu eziphathekayo ukusola ukuthi kukhona isimo esiphuthumayo kwezendawo kanye nokuthi nanoma yikuphi

ukubambezeleka ekutholeni imvume yokusesha kungadala umonakalo omkhulu empilweni yobantu noma umonakalo emvelweni, singangena siseshe ngaphandle kwemvume nanoma yimaphi amagceke okunesimo esiphuthumayo kuwo: Ngaphandle uma ukungena kanye nokusesha kwenziwe ngokuvumelana nezidingo zoMthethosivivinywa Wamalungelo kanye nanoma yimuphi omunye umthetho futhi ikakhulu, kuqashelwe ukuhlonipheka nokuhleleka, ukuhlonishwa kwesithunzi somuntu, inkululeko nokuphepha kanye nokuba nobumfihlo.

(4) Lapho ngokubona kwesikhulu esigunyaziwe, nanoma yikuphi ukuseshwa kwemoto njengoba kuningwe kule Mithetho Kamasipala, kwenza kuqondakale ukuthi ukuba khona kwemfucuza kuleyo moto kuyingozi enkulu nengenzeka ngaleso sikhathi empilweni yabantu noma emvelweni, isikhulu esigunyaziwe singayivimba leyo moto ukuze kugwenywe noma uma lokho kungenzeke, ukuze kuncishiswe ubungozi empilweni yabantu noma umonakalo emvelweni.

(5) Esimweni lapho imoto ivinjwa khona ngaphansi kwesigatshana (4) umkhandlu kumele-

(a) khona lapho uthatha izinyathelo zokulahla leyo mfucuza ukuze kugwenywe, futhi lapho lokho kungelula, kuncishiswe ubungozi empilweni yabantu noma umonakalo emvelweni; futhi

(b) uphindisele emuva leyo moto okukhulunywa ngayo esikhathini esingamahora angama- 48 emva kokulahlwa kwaleyo mfucuza, ukulawula onelayisensi noma umuntu ethathwe ikuye kumbe ibhekwe nguye.

41. Amandla angaqondakali-

(1) Ukuze kuqashwe noma kuqiniswe ukuhambisana nale Mithetho Kamasipala, kuya ngokwezidingo isikhulu esigunyaziwe ngokwenganyelwa yimiyalelo yoMthethosivivinywa Wamalungelo kanye nanoma yimuphi omunye umthetho kubandakanya nomthetho wabo bonke abantu, singayalela onelayisensi kumbe nanoma ngubani ukuba adalule ulwazi, okungaba ngokomlomo noma ngokubhaliwe, eyedwa noma kukhona ufakazi, nganoma yiluphi udaba le Mithetho Kamasipala eqondene nalo, oludinga ukuba ludalulwe ngokwenza isifungo noma ukuqinisekisa.

(2) Isikhulu esigunyaziwe singaphelezelwa ngutolika kanye nanoma yimuphi omunye umuntu okungaba nesidingo sokuthi asize isikhulu esigunyaziwe ekwenzeni ukuhlola.

(3) Isikhulu esigunyaziwe kumele, uma sicelwa, siveze umazisi waso njengesikhulu esigunyaziwe.

42. Ukulawulwa kwabanamalayisensi-

(1) Izikhulu ezigunyaziwe kumele zihlole indawo yokusebenzela yomuntu onelayisensi izikhathi ezingengaphansi kwezimbili ngonyaka futhi isikhulu esigunyaziwe sinegunya lokungena endaweni yokusebenzela yomuntu onelayisensi ngokwale nhloso.

(2) Ukuseshwa okunjalo kumeke kwenziwe kuhambisane nezidingo zoMthethosivivinywa Wamalungelo kanye nanoma yimuphi omunye umthetho, ikakhulu, uma isikhulu esiginyaziwe sisesha ngaphansi kwesigatshana (1) kumele senze kanjalo siqaphela ukuhlonipheka nokuhleleka, ukuhlonishwa kwesithunzi somuntu, inkululeko nokuphepha kanye nokuba nobumfihlo.

(3) Uma isikhulu esigunyaziwe sinombono, emva kwalokho kuhlola, wokuthi onelayisensi uyahambisana nalė Mithetho Kamasipala kuya ngokwezihlinzekelo sesigatshana (2), singanikeza onelayisensi isitifiketi esiqinisekisa ukuhambisana, okumele sibalule -

(a) igama nekheli lendawo kanye neleposi lomuntu onelayisensi;
(b) isikhathi, usuku kanye nendawo ehloliwe; kanye
(c) nanoma yimaphi amazwi okuphawula, ngokubona kwesikhulu esigunyaziwe angahambisana.

(4) Uma onelayisensi ehluleka ukuthola isitifiketi esiqinisekisa ukuhambisana ekuhlolweni okuthathu esikhathini esiyiminyaka emibili, isikhulu esigunyaziwe singaphakamisa ukuthi umkhandlu ubuyekeze ilayisensi, futhi uma kuba nezizathu eziphathekayo, umkhandlu ungayichitha ilayisensi ngokwesigatshana 31(2) (c): Ngaphandle uma ukuhlolwa okulandelanayo kwenzeke ngezigamu ezingekho ngaphansi kwezinyanga ezine (4).

(5) Izikhulu ezigunyaziwe kumele zigcine irejista ebhala ukuhlolwa ngakunye okwenziwe.

43. Ukulawulwa kwabanikazi kanye nabahlalayo-

Abanikazi kanye nabahlalayo kumele bagcine izindawo zabo zihlanzekile futhi zingenayo imfucuza okuthi ngokombono wesikhulu esigunyaziwe ungadala inkathazo, ubungozi empilweni yomuntu noma umonakalo emvelweni, futhi kumele bathathe izinyathelo ezifanele ukugwema isisebenzi esibasebenzelayo ekwenzeni izenzo ezingadala inkathazo, ubungozi empilweni yomuntu noma umonakalo emvelweni.

Ingxenye 111: Izaziso zokuqinisa kanye Nezokwaphula imithetho

44. Izaziso zokuqinisa

(1) Uma, ngokombono wesikhulu esigunyaziwe, umuntu-

(a) edala inkathazo, ubungozi empilweni yomuntu noma umonakalo emvelweni; noma

(b) enelayisensi, ehluleka ukuhambisana nezimiso zelayisensi ayinikezwe ngokwale Mithetho Kamasipala; noma

(c) engumnikazi noma engohlalayo, ehlulekile ukwenelisa isibopho ngokwesigaba 43 sale mithetho kamasipala; noma

(d) isikhulu esigunyaziwe singanikezela noma senze ukuba kunikezelwe kulowo muntu isaziso sokuqinisa ngokwalesi sigaba.

(2) Isaziso sokuqinisa esinikezelwe ngaphansi kwalesi sigaba kumele sibalule-

(a) igama nekheli lendawo kanye neleposi, uma aziwa womabili, lomuntu othintekayo;

(b) uhlobo lwenkathazo, ubungozi empilweni yomuntu noma umonakalo emvelweni, oludalwa yilowo muntu othintekayo noma okungenzeka ukuthi ayidale;

(c) izinyathelo ezidingekayo ukugwema noma ukwenza ngcono inkathazo, ubungozi empilweni noma umonakalo emvelweni ngemininingwane eyanele ukuze kulandelwe isaziso sokuqinisa;

(d) ukuthi umuntu othintekayo kumele zingapheli izinsuku ezingama-21 kusukela osukwini isaziso sokuqinisa esinikezelwa ngalo athathe izinyathelo zokuhambisana nesaziso;

(e) ukuthi ukwahluleka ukuhambisana nezidingo zesaziso sokuqinisa esikhathini esiningwe esigabeni (d) kungaholela ekutheni izindleko zikhokhwe nguye; futhi

(f) ukuthi isethulo esibhaliwe singaqondiswa emkhandlwini ngokwesigaba 47, noma ekomidini eliqokiwe noma esisebenzini sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile esinikezwe amandla ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala, endaweni ethile, esikhathini esiyizinsuku ezingama- 21 isaziso samukelwe.

(3) Uma umuntu othintekayo ehluleka ukuhambisana nesaziso sokuqinisa, umkhandlu kumbe nanoma ngubani ogunyazwe nguMkhandlu, angathatha izinyathelo ezidingeka esazisweni sokuqinisa, ngaphandle uma umkhandlu wenza kanjalo ngokuvumelana nezidingo zoMthethosivivinywa Wamalungelo kanye nanoma yimuphi omunye umthetho, ikakhulu, isikhulu esigunyaziwe kumele senze ngendlela enomthetho oqinile nehlelekile, ukuhlonipha isithunzi, inkululeko nokuphepha kanye nelungelo lomuntu lobumfihlo.

(4) Lapho umkhandlu ungena kunoma yiziphi izindleko ngenxa yokuthatha lezo zinyathelo, umkhandlu ungazifuna lezo zindleko kumuntu owehlulekile ukwenza njengoba eyalelwe noma, lapho izenzo zobugebengu zingenziwanga, ngokwezinhlelo zomphakathi.

(5) Nanoma yimuphi onelayisensi owenza icala ngokwesigatshana 1(1) (b) futhi eminyakeni eyisihlanu edlule ebekade enze icala elifanayo, uyomenyezelwa njengesaphulamthetho ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala futhi ilayisensi lakhe liyochithwa ngokushesha.

45. Izaziso zokwaphula umthetho

(1) Uma, ngokombono wesikhulu esigunyaziwe, umuntu -

(a) ephula izigatshana 34(1)(a) kuya ku-(g), 37 (1) (a) kuya ku- (d), 38 (1) kuya ku- (5), noma (44) (1) (a) kuya ku-(c) zale Mithetho Kamasipala

(b) evumela imfucuza engesiyo imfucuza yasemakhaya noma yansukuzonke ukuba isale ingaqoqiwe,

isikhulu esugigunyaziwe singanikezela noma senze ukuba kunikezelwe kulowo muntu isaziso sokwaphula umthetho ngokwalesi sigaba esikhundleni sesaziso okuningwe ngaso esigabeni 56 soMthetho Wenqubo Yamacala Okwelelesa.

(2) Isaziso sokwaphula umthetho kumele-

(a) sibalule isikhathi esinikezelwe ngaso isaziso, igama kanye nekheli lendawo kanjalo nekheli leposi, uma aziwa womabili, alowo muntu onikezwa isaziso sokwaphula umthetho;

(b) sisho imininingwane yokwaphula umthetho;

(c) sibalule inani lenhlawulo ekhokhwayo maqondana nalokho kwaphula umthetho kanye nendawo lapho izokhokhwa khona inhlawulo futhi leyo nhlawulo engeke yeqe ezi-R5000 (izinkulungwane ezinhlanu zamarandi); futhi

(d) sazise umuntu onikezwe isaziso sokwaphula umthetho ukuthi zingakapheli izinsuku ezingama- 28 emva kosuku lokunikezelwa kwesaziso sokuphula umthetho,

(i) angakhokha inhlawulo; noma

(ii) azise umkhandlu ngokubhaliwe ukuthi ukhetha ukuthi icala lakhe lithethwe enkantolo ngokuthweswa icala ngaphansi kwesigaba 51.

(3) Lapho umuntu eekhetha ngaphansi kwesigatshana (2)(d)(ii), kuyosebenza inqubo ebekwe esigabeni 46.

46. Izikhalo-

Nanoma ngubani angafaka isikhalo esikhulwini esigunyaziwe, kumbe nganoma yimuphi omunye umgudu osungulwe ngumkhandlu, ukuthi nanoma ngubani omunye odala ubungozi empilweni yomuntu noma umonakalo emvelweni ngokwenza imisebenzi yomkhandlu noma yezokuhwebelana, okuthi lapho isikhulu esigunyaziwe, ngaphandle uma sinezizathu eziqinile zokukholwa ukuthi isikhalo asinasisindo noma ukusetshenziswa budedengu kwezinto ezinqala zale Mithetho Kamasipala ezibekwe esigabeni 3, kumele siphenye ngesikhalo, futhi kumele uma sigculiseka ukuthi lobo bungozi budalekile noma bungacishe budaleke, singanikeza isaziso sokuqinisa noma sokwaphula isaziso, kuya ngokuthi yikuphi okungafaneleka.

47. Ukumeleleka

(1) Nanoma ngubani othintekayo angafuna ukumeleleka emkhandlwini, noma ekomidini eliqokiwe noma esisebenzini sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile emkhandlwini umkhandlu onikezele kuwo amandla, ngendlela ebalulwe esazisweni sokuqinisa

(2) Ukumeleleka kumele kwenziwe ngokuthumela isitatimende esifungelwe noma isiqinisekiso emkhandlwini, ekomidini eliqokiwe noma esisebenzini sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile esikhathini esiyizinsuku ezingama-21 kulethwe isaziso.

(3) Nanoma yikuphi ukumeleleka okungafakiwe esikhathini esiyizinsuku ezingama-21 akumele samukelwe, ngaphandle uma umuntu othintekile

etshengise ubuqotho futhi umkhandlu, ikomidi eliqokiwe noma isisebenzi esenza isisebenzi sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile sikuvumela ukufakwa kokumeleleka sekwedlule isikhathi.

(4) UMkhandlu noma ikomidi eliqokiwe noma isisebenzi sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile kumele ubhekelele ukumeleleka kanye nanoma yiyiphi impendulo yesikhulu esigunyaziwe kumbe nanoma ngubani, futhi ngokuzikhethela kwawo, wenze nanoma yiluphi olunye uphenyo ukufakazela amaqiniso uma ungukuthi ngokubona kwawo kuyadingeka. Uma uMkhandlu noma ikomidi eliqokiwe noma isisebenzi sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile singenza nanoma yiluphi olunye uphenyo, imiphumela yalolo phenyo kumele yenziwe akwazi ukuyithola umuntu othintekayo, okumele anikezwe ithuba lokuziphendulela uma efisa, futhi uMkhandlu noma ikomidi eliqokiwe noma isisebenzi sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile kumele sikubhekelele lokho kuziphendulela.

(5) Emva kokuba uMkhandlu, ikomidi eliqokiwe noma isisebenzi sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile sigculiseka ukuthi okudingwa yisigatshana (4) kuyenelisa, uMkhandlu noma ikomidi eliqokiwe noma isisebenzi sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile kumele sikhiphe umyalelo ngokubhala futhi sinikeze umuntu othintekayo ikhophi ecacisa ngesikutholile. Lowo myalelo kumele-

(a) uqinisekise, uguqule noma ubeke eceleni konke noma ingxenye, isaziso sokuqinisa; futhi

(b) kumele ubalule isikhathi umuntu othintekayo okumele ngaso ahambisane nanoma yimuphi umyalelo

(c) uma isaziso sokuqinisa siqinisekisiwe, ngokugcwele noma ingxenye, noma siguquliwe kodwa singabekiwe eceleni, umkhandlu , noma ikomidi eliqokiwe noma isisebenzi sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile kumele sazise umuntu othintekile ukuthi angaqoka ukuthi icala lakhe lithethwe

enkantolo, noma kumele achithe izibopho ezibekwe esazisweni sokuqinisa.

(6) Uma umuntu othintekile ekhetha ukuba icala lakhe lithethwe enkantolo kumele azise umkhandlu, noma ikomidi eliqokiwe noma isisebenzi sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile ngokukhetha kwakhe ezinsukwini eziyisikhombisa, futhi ngesikhathi umkhandlu noma ikomidi eliqokiwe noma isisebenzi sangaphakathi esenza umsebenzi onganakekile samukela leso saziso, izihlinzekelo zesigaba 48 ziyosebenza.

(7) Uma umuntu othintekayo engakhethi ukuthi icala lakhe lithethwe enkantolo, kumele achithe izibopho ezibekwe esazisweni sokuqinisa ngendlela emisiwe nangesikhathi esinqunyiwe.

(8) Uma umuntu othintekayo ecela ukumeleleka noma ekhetha ukuthi icala lakhe lithethwe enkantolo, nanoma yikuphi okudingekayo ngokwesigaba 44 sale Mithetho Kamasipala okudinga ukuthi kuhambisane nesaziso sokuqinisa, kungamiswa, ngaphandle uma ngokubona komkhandlu, umuntu othintekayo edale isimo esiphuthumayo emvelweni ngalolku daba ngaphandle kokujivazwa kwanoma yiliphi ilungelo umuntu othintekayo angaba nalo, noma angaba nalo esikhathini esizayo, ngokomthetho ovamile noma ngaphansi kwanoma yimuphi omunye umthetho, kunoma yiluphi uhlobo lokukhululeka, umuntu othintekayo kumele ngokushesha ahambisane nanoma yikuphi okudingekayo kulokho ayalelwe khona , ngomlomo noma ngokubhaliwe nguMkhandlu ukuba akwenze.

(9) Uma kunesimo esiphuthumayo emvelweni futhi uma umuntu othintekayo, ngale kokuthi uthola umyalelo osemthethweni ngokwesigatshana (8), ehluleka ukuhambisana nalowo myalelo, umkhandlu ungazenzela ngokwawo ukuba leso simo esiphuthumayo simiswe, sihlehliswe noma sincishiswe, kulokho umkhandlu ungamangalela ukubuyiswa kwanoma yiziphi izindleko ezifanele ezidalekile noma ezingadaleka ngokwenza lokho kunqandwa, ukuhlehlisa noma ukuncishiswa.

ISAHLUKO 10

IZIHLINZEKELO ZOKUQINISWA KOKWAHLULELWA

48. Ukunikezelwa kwemibhalo kanye nezinhlelo

Ngokwezinhloso zokunikezelwa kwanoma yisiphi isaziso, umyalelo noma omunye umbhalo maqondana nokungakhokhelwa kokuhlinzekwa kwemisebenzi yomkhandlu, ikheli lomnikazi Wamagceke okwakheka kuwo imfucuza yasemakhaya kanye neyansuku zonke lithathjwa njengendawo okunganikezelwa kuyo imibhalo nohlelo lwalowo mnikazi.

49. Ukunikezwa kwezaziso

(1) Lapho nanoma yisiphi isaziso noma omunye umbhalo kudingeka ngokwale Mithetho Kamasipala ukuba sinikezelwe kunoma ngubani ngale kwezinhloso zokuqhutshwa kwamacala obugebengu-

(a) kumele sinikezelwe kuye mathupha, uma kwehlulekeka singanikezelwa kunoma yiliphi ilungu lomndeni wakhe elineminyaka eyi-16 noma ngaphezulu, lisayinele ukwamukela leso saziso endaweni elihlala kuyo noma elisebenzela kuyo, futhi

(b) uma sithunyelwa ngeposi elirejistiwe ekhelini lalowo muntu njengoba kuningwe esigabeni 48, Sihambisana nokunikezela ngokwesigaba 7 soMthetho Wezokutolika, we-1957 (uMthetho No. 33 we-1957).

50. Ukuthethwa kwecala

Uma umuntu ekhetha ukuthi icala lakhe liye enkantolo ngokwesigatshana 47 (6) noma 47(8), wazisa umkhandlu ngokukhetha kwakhe, isikhulu esigunyaziwe kumele

ezinsukwini eziyi- 10 sithathe zonke izinyathelo ezifanele njengoba kuveziwe eMthethweni Wenqubo Yamacala Okwelelesa, ukuze siqinisekise ukuba khona kanye nokushushiswa kommangalelwa, okungenzeka ukuthi esimweni esinjalo isaziso sokuqinisa noma sokwaphula umthetho kumele sihoxiswa.

51. Amacala kanye nezinhlawulo

Nanoma ngubani, kuhlanganisa nomuntu othintekayo noma onelayisensi,-

(a) owephula noma owehluleka ukuhambisana nanoma yiziphi izihlinzekelo zale Mithetho Kamasipala;

(b) owehluleka ukuhambisana nanoma yisiphi isaziso esikhishwe ngokwale Mithetho Kamasipala; noma

(c) owehluleka ukuhambisana nanoma yimuphi umyalelo osemthethweni okhishwe ngokwale Mithetho Kamasipala; noma

(d) ophazamisa noma ovimbela nanoma yisiphi isithunywa noma isisebenzi somkhandlu ekwenzeni imisebenzi yaso ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala, uyotholakala enecala futhi abhekane nenhlawulo noma uma ehluleka ukuyikhokha agqunywe ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyisi-6.

ISAHLUKO 11

IZIHLINZEKELO EZIJWAYELEKILE

52. Ubunikazi-

(1) Umuntu onemvume yokusebenzisa isikhungo sokulahla imfucuza uthathwa njengomnikazi wemfucuza elahlwe kuleso sikhungo sokulahla imfucuza.

(2) Lowo osisebenzisayo unelungelo lokuphunyuka-

(i) kunoma ngubani obangela ukuthi kulahlwe imfucuza esikhungweni sokulahla imfucuza lapho lowo muntu ebe nolwazi kwathi ngale kolwazi losisebenzisayo alahle

imfucuza ukuthi azi kahle ukuthi leso sikhungo asivunyelwe ukuwamukela lowo doti, futhi engamazi osilawulayo;

(ii) Nanoma ngubani odala udoti ebeka ngamabomu udoti ngaphandle ukuze uqoqwe ongekho esigabeni sokuba uqoqwe

54. Ukushayisana kwemithetho

Uma kunokushayisana phakathi kwale mithetho kamasipala kanye nanoma yimiphi eminye imithetho kamasipala yomkhandlu ephathelene nodoti, le mithetho kamasipala iyona eyosetshenziswa.

No. 117 **1 kuLwezi 2010**

UMkhandlu kaMasipala waseRichmond, usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba se-11, ofundwa ngokuhambisana nesigaba sama-98 soHulumeni Basekhaya, uMthetho woHlelo loMasipala,2000 (Umthetho No.32 wezi-2000), lapha ushicilela iMithetho KaMasipala Yezimpawu Zokukhangisa.

IMITHETHO KAMASIPALA YEZIMPAWU ZOKUKHANGISA

1. Izincazelo

Kule Mithetho kaMasipala, ngaphandle uma umongo wendaba ukhomba okunye okwehlukile.

"isikhangiso" sichaza noma yikuphi okubonakalayo okumele uhlamvu, igama, into kumbe ukufingqwa kohlamvu kumbe igama, kumbe noma yiluphi uphawu okungahlosiwe ngalo kuphela ukukhanyisa kumbe isexwayiso ngengozi;

"isikhulu esigunyaziwe" kuchaza noma yisiphi isikhulu soMkhandlu esigunyazwe nguMkhandlu ukusebenzisa, ukwenza njengoba kunqunyiwe kumbe aphoqelele izihlinzeko zale Mithetho ;

"isikhulu esiphethe ibhilidi" kuchaza noma yimuphi umuntu oqashiwe kumbe ozoqashelwa ukuba isikhulu esiphethe ibhilidi nguMkhandlu ngokwesigaba sesi-5 soMthetho kaZwelonke Wokulawula ezoKwakha kanye neMigomo yokwakha,we-1997(Umthetho we-103 we-1997);

"uMkhandlu" uchaza uMasipala waseRichmond kanye nabalandelayo ngokomthetho , futhi kufaka noMkhandlu kaMasipala noma iKomidi Lesigungu Esiphethe nanoma yiyiphi enye inhlangano esebenza ngamandla ewanikezwe ngokomthetho, kanye nanoma yisiphi isikhulu lapho uMkhandlu unikeze khona amandla kanye nemisebenzi maqondana nale Mithetho kaMasipala;

"Ikhathileji" kuchaza yonke indawo engaphansi ngaphakathi komngcele wesigaba kumbe izahlukaniso ezakha isiza sanoma yisiphi isakhiwo kumbe ibhilidi eliphakanyisiwe;

"ukubonisa maqondana nesikhangiso", kuchaza ukubonisa isikhangiso ngaphakathi emphakathini;

"uphawu oluyisicaba" kuchaza nanoma ngabe yiluphi uphawu lwasodongeni futhi olungenayo indawo ephume ngaphezu kwamamilimitha angama-230 ukusuka odongeni;

"uphawu olusemhlabathini " kuchaza noma yiluphi uphawu olususiwe ebhilidini lwagxunyekwa emhlabathini;

"uphawu lwebhodi oluphumile" kuchaza noma yiluphi uphawu lwebhodi olunamathiselwe odongeni futhi kunoma yiyiphi indawo luphume ngaphezu kwamamilimitha angama-230 ukusuka odongeni;

"uphahla" kuchaza noma yiluphi uphahla lwebhilidi kodwa okungafaki ingxenye yophahla okunguvulandi kumbe ibhalikhoni;

"ibhodi lophawu" kuchaza ibhodi lophawu,isakhiwo kumbe okuthize, okusetshenziswa kumbe okuhloswe noma okwenzelwe ukubonisa kukho isikhangiso;

"uphawu lwebhodi olusesibhakabhakeni" kuchaza noma yiluphi uphawu lwebhodi olubekwe phezu kophahla noma phezu kwepalaphethi yophahla;

"inani lentela" kuchaza inani lentela elinqunywe uMkhandlu izikhathi ngezikhathi;futhi

"udonga" kuchaza udonga olungaphandle kwebhilidi, kodwa olungafaki isibambelelo sephalaphethi kumbe uthango lukavulandi noma ibhalikhoni.

2. Ukusebenza kwemithethonqubo

(1) Kuncike ezinhlinzekweni zesigatshana sesi-(2),le Mithetho kaMasipala iyakusebenza ngokuhambisana nazo zonke izikhangiso ezikhonjiswayo kumbe eziyakukhonjiswa ngaphakathi endaweni yoMkhandlu.

(2) Lezi nhlobo zezikhangiso ezilandelayo kuyomele, kuncike esigatshananeni sesi-3(3), ziyakukhululwa ezinhlinzekweni zale Mithetho kaMasipala:

(a) Isikhangiso esikhonjiswe ngaphakathi kwendawo ngesikhathi kuqhubeka ukwakha (kubandakanya ukuxhunywa kwamapayipi,,ukuxhunywa kukagesi,ukupenda kanye nokulungisa kabusha) kuleyo ndawo ebizwa ngokujwayelekile ngoukuthi"amabhodi abakhi" kumbe "amabhodi osonkontileka".

(b) Isikhangiso esihambisana nokudayiswa kwephepha emgaqweni womphakathi; ngaphandle uma isikhangiso singaphazamisi ukuhamba kwezimoto kumbe ukuhamba kwabantu kumbe imigqa lapho bebona khona abashayeli kumbe abahamba ngezinyawo abasebenzisa umgwaqo lapho isikhangiso sigxunyekwe khona kumbe abasebenzisa umgwaqo oseduze kumbe umgwaqo oxhumayo .

(c) Isikhangiso esivumelekile ukuthi sikhonjiswe ngokomthetho.

(d) Isikhangiso esikhonjiswe emotweni esetshenziswa emgwaqweni womphakath;ngaphandle uma inhloso enkulu yokuthi kusetshenziswe imoto kungekhona ukukhombisa isikhangiso..

(e) Isikhangiso esifakwe saba yisicaba kumbe sapendwa kunoma yiyiphi ingxenye yebhilidi ngaphandle kwendlu yokuhlala eveza kuphela igama kumbe ikheli lebhilidi lelo kumbe umhlali noma umnikazi wayo, enayo kumbe engenayo incazelo esabalele ngohlobo lwebhizinisi oluqhubekayo ngokusemthethweni ebhilidini elinjalo, izikhathi zokusebenza kumbe zebhizinisi kanye nenombolo yocingo yebhizinisi, ngaphandle uma isikhangiso sinjalo, kubandakanya noma yiliphi ibhodi lophawu lapho lukhonjiswe khona, lungabi ngaphezu kwe-0,8m endaweni ,futhi ingaphumi ngaphezu kwamamilimitha ayi-100 kusuka lapho linamatheliswe khona.

(f) Isikhangiso esikhonjiswe ngaphakathi endlini yokuhlala esikhomba kuphela igama kumbe ikheli lendlu yokuhlala noma umhlali kuyo; ngaphandle uma isikhangiso esinjalo, kubandakanya noma yiliphi ibhodi lophawu olukhonjisiwe, malungabi ngaphezu kwe- 0,8 m^{2} ubungako bendawo.

(g) Isikhangiso esikhonjiswe ngaphakathi endaweni (eyenzelwe kuphela indlela ye, kumbe eyesicelo noma isexwayiso, kunoma yimuphi umuntu ongenayo endaweni) ngaphandle uma isikhangiso esinjalo, kubandakanya noma yiliphi ibhodi lophawu olukhonjisiwe, lungabi ngaphezu kwe- 0,8 m^{2} ubungako bendawo.

(h) Isikhangiso esikhonjisiwe ngaphakathi kwempahla engasuseki olukhangisa indali kumbe ukuqasha kwempahla, kumbe impahla enjalo seyidayisiwe; ngaphandle uma isikhangiso, kubandakanya ibhodi lophawu lapho lukhonjiswe khona , lungabi ngaphezu kwe- 0,8 m^{2} ubungako bendawo.

(i) Isikhangiso esikhonjiswe ngaphakathi kwanoma yiliphi ibhilidini elizunguzwe izindonga, amafasitela kanye neminyango.

(3) Izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala kumele zengeze kwi- futhi azingeni endaweni yanoma yisiphi isihlinzeko soMthetho

Wokukhangisa Emgaqweni kanye NokuThuthukiswa kweWibhini we-1940 (Umthetho wama-21 we-1940).

3. Izikhangiso zesikhashana kanye neziphathekayo

(1) Noma yisiphi isikhangiso -

(a) okuhloswe ngaso ukukhombisa kuphela kumbe mayelana nomkhosi othize, umsebenzi, indali,kumbe umcimbi, okubandakanya ukhetho kumbe inhlolovo;

kumbe

(b) esikhonjiswe kunoma yiliphi ibhodi lophawu okuhloswe kumbe olwenzelwe ukuba luthatheke kumbe luthuthuke,

Luyokhonjiswa kuphela ngemvume ebhalwe phansi isikhulu esigunyaziwe futhi kuncike emigomeni ethize angayibeka.

(2) Isikhangiso esinjalo, kubandakanya noma yiliphi ibhodi lophawu olukhonjisiwe kulo, lungabi ngaphezu kwe- 0,8 m^2 ubungako bendawo.

(3) Asikho isikhangiso esikhangisa umkhosi othize, umsebenzi, indali kumbe umcimbi ngaphandle kokhetho kumbe inhlolovo,ngaphandle kokuthi isikhangiso esinjalo sikhishwe ngaphansi kwesigaba sesi-2(2)kumbe qha, ingakhonjiswa ngaphezu kwezinsuku eziyi-14 ngaphambi kosuku eqala ngalo kumbe ngaphezu kwezinsuku ezi-3 emva kosuku lokugcina;ngaphandle uma isikhangiso esikhangisa impahla engasuseki seyidayisiwe ingakhonjiswa isikhathi esingangezinsuku eziyi-14.

(4) Akukho zikhangiso zokhetho kumbe inhlolovo eyokhonjiswa isikhathi esingaphezu kwezinsuku ezeluliwe kusukela ekuqaleni kosuku lokuphakanyiswa/inhlolovo kuze kube usuku lwesithathu emva kokhetho kumbe osukwini lokuphela kwenhlolovo.

Mayelana nalowo muntu oqokiwe izikhangiso mazingabi ngaphezu kwama-200 kumbe amaphepha esikhangiso sokhetho akhonjiswe ngokwezindawo kanye nemibandela enqunywe isikhulu esinegunya.

(5) *Noma yiyiphi indwangu,*amaphepha,amaphepha axovwe namanzi ukuze kubunjwe ngawo kumbe enye impahla efana nayo engasetshenziswa

ukukhombisa isikhangiso kumele iboshelwe kahle ngokuvikelekile ebhodini eliphathekayo.

(6) Noma yisiphi isicelo semvume ngokwesigatshana soku-1 kumele siphelezelwe idiphozithi eshiwo kwinani lentela.

(7) Idiphozithi ekhokhwe ngokwesigatshana sesi-(6) kumele, kuncike ezihlinzekweni zesigatshana sesi-(8), imali iyakubuyiswa uma zonke izikhangiso ezixhumene nazo sezisusiwe ngokwaneleseka kwesikhulu esigunyaziwe.

(8) Noma yimuphi umuntu okhombise kumbe owenza ukuthi kukhonjiswe isikhangiso mayelana nalapho imvume isinikeziwe ngaphansi kwesigatshana soku-(1),ehluleka ukususa kumbe enze ukuthi zisuswe ngaphakathi kwesikhathi esifanele esishiwo esigatshananeni sesi-(3) kumbe se-(4), uyotholakala enecala futhi nesikhulu esigunyaziwe siyakuba namandla okususa isikhangiso esinjalo futhi angahlephula imali kwidiphozithi ekhokhiwe ngokwesigatshana sesi-(6) inani elishiwo kwisithelelo sentela mayelana naleso naleso sikhangiso esisusiwe uma isamba esishiwo, uMkhandlu uyakunikezwa amandla ukuqoqa isamba esingaphezulu kumuntu onjalo futhi isamba esinjalo siyakuba isikweletu somphakathi esifanele ukukhokhelwa uMkhandlu, ngaphandle uma noma siphi isikhangiso sisuswa ngokwale mithethonqubo uMkhandlu uyakuba namandla okucekela phansi isikhangiso esinjalo ngale kokunikeza isexwayiso kunoma ubani, emva kwesikhathi esiyizinsuku eziyi-14 kusukela osukwini lokususa.

(9) Noma yimuphi umuntu okhombisa kumbe owenza,ovumela kumbe ovumela ukukhonjiswa kwanoma yisiphi isikhangiso esishiwo esigatshaneni soku-(1) futhi noma yimuphi umuntu, ngaphandle kwephoyisa kumbe umuntu onikwe amandla okuphoqelela le mithethonqubo, ogunyazwe ngumuntu obhekelele ukukhonjiswa kwesikhangiso ukusisusa okumele abe ngumkhangisi ngalokhu uma nje sisakhonjisiwe.

(10) Kunoma yikuphi ukumangalelwa okumayelana nesikhangiso esikhonjisiwe kungaba ngokuhambisana kumbe ngokwephula izihlinzeko zalo mthethonqubo, kuyomele kuthathwe ngokuthi isikhangiso esinjalo sakhonjiswa umuntu kumbe abantu,ikilabhu kumbe umzimba wabantu abaxhasile,abaphakamisa kumbe abagqugquzela kumbe abaphethe umhlangano,umsebenzi kumbe umcimbi omaqondana kumbe okhethiwe isikhangiso sokhetho esimaqondana naye kumbe umuntu onjalo, ikilabhu kumbe umzimba owenza kumbe ovumela isikhangiso esinjalo ukuthi sikhonjiswe, njengoba kungaba njalo, ngaphandle

uma kungafakazelwa okuphikisayo .

(11) Isikhulu esigunyaziwe siyakuba namandla, ngaphandle kokunikeza isaziso kunoma ubani, okususa kumbe enze ukususwa kwesikhangiso esikhonjisiwe ngaphandle kwemvume yakhe ngokwesigatshana soku (1) kumbe ngokwephula izihlinzeko zale mithethonqubo kumbe okwakha nganoma yiyiphi indlela ukuphulwa kwale mithethonqubo futhi nomuntu okhombisa isikhangiso esinjalo kumbe enze kumbe avumele ukuthi sikhonjiswe kumbe obukeka ngokwesigatshana sesi-(9) kumbe se-(10) ukuthi wenje njalo kuyofanele akhokhele uMkhandlu isamba njengoba sishiwo ezinhlawulweni zentela ngokwesikhangiso ngasinye esisusiwe isikhulu esigunyaziwe.

(12) Akekho umuntu okumele abeke kumbe abeke kunoma yimuphi umgwaqo womphakathi isikhangiso esikhangisa indali kumbe ukuqashwa kwempahla engahambi kumbe ukuthi impahla enjalo isidayisile; ngaphandle uma lesivimbelo singeke sisebenze mayelana nesikhangiso esinjalo.

(a) esigxunyekwe ngoMgqibelo,ngeSonto kumbe ngeholidi lomphakathi ngokwesikhashana soMgqibelo, seSonto kumbe iholidi lomphakathi, kumbe izinsuku ezimbili kumbe ezingaphezulu zilandelana:

(b) kubandakanya noma yiliphi ibhodi lophawu olukhonjisiwe olungekho ngaphezu kwe- 0,8 m^2 ngokwendawo;

(c) okunikeza indlela futhi nokukhangisa okwaziwa njengokuthi indlu yombukiso;

(d) engavimbeli ukuhamba kwezimoto kumbe kwabahamba ngezinyawo kumbe ukubonakala kwemigqa kubashayeli kumbe kwabahamba ngezinyawo abasebenzisa umgwaqo lapho isikhangiso sigxunyekwe khona kumbe emgwaqeni oseduze kumbe oxhumayo;futhi

(e) engakhonjisiwe ebhodini lophawu efakiwe kumbe egqitshwe emhlabathini.

4. Ukungavumeleki ukukhonjiswa kwezikhangiso zesikhathi eside

Akekho umuntu ongakhombisa kumbe owenza ukukhombisa kwesikhangiso sesikhathi eside,endaweni engaphansi koMkhandlu ngaphandle uma isikhangiso esinjalo sivunyelwe ngokubhalwe phansi nguMkhandlu futhi sikhonjiswe ngokwale Mithetho kaMasipala.

5. Ukusebenza kwezikhangiso zesikhathi eside

(1) Noma yimuphi umuntu ohlose ukwakha, ashintshe kumbe akhombise isikhangiso sesikhathi eside lapho imvume ebhalwe phansi idingeka eMkhandlwini, kumele ayicele imvume enjalo esikhulwini esigunyaziwe efomini lesicelo elinqunyiwe (Uhlelo loku-1). Ifomu elinjalo kumele lisayinwe umfakisicelo kanye nomnikazi (uma engesiyena umfakisicelo) wendawo lapho isikhangiso esinjalo sizobekwa khona.

(2) Isicelo esinjalo esishiwo esigatshaneni soku-(1) kumele sihambisane-

(a) Isicaciso esiphelele esikhombisa isilinganiso sobukhulu bophawu olunjalo, indawo kumbe indawo ephakamiswayo ebhilidini kumbe esinye isakhiwo esilekelelayo, impahla yokwakha, igama kanye nekheli lomkhiqizi, uma kudingeka, inombolo yamalambu kagesi kanye neminingwane kagesi mayelana nalakho.

(b) Umdwebo ephepheni eliqinile elikhomba indawo yophawu olunjalo endaweni esikhaleni esingekho ngaphansi kuka- 1: 50, ekhombisa wonke umbhalo,umbala wempahla,indawo eyakhiwayo, ubungako obuphelele kanye nendlela yokunamathelisa ukumisa kwesikhashana kumbe ukulekelela futhi, uma kudingwa isikhulu esigunyaziwe, umfakisicelo kumele anikeze ngeminingwane engeziwe mayelana nesicelo njengoba kungadingeka;

(c) esimweni sezimpawu zasemhlabathini,ulwazi mayelana nazo zonke izibalo lapho ubukhulu buncike khona;

(d) Imali yesicelo engama-30.00 amarandi.

(3) UMkhandlu unganqaba kumbe unikeze isicelo ngaphansi kwemibandela(ngokungahambisani nemithethonqubo) njengoba ungacabanga ukuthi kufanele, kubandakanya inkokhelo yokuqasha lapho uphawu oluphakanyisiwe lufakiwe ohlakeni olunikezwe uMkhandlu.

6. Ukubhekelelwa kwesicelo sokukhombisa ngezikhangiso zesikhathi eside

(1) UMkhandlu unganikeza kuleyomibandela njengoba inganqunywa, kumbe enqabe isicelo njengoba kushiwo esigabeni sesi-5, kodwa uMkhandlu ngeke unikeze isicelo uma ngokubona , ngokubheka isimo somfanekiso, umbala

kumbe obunye ubunjalo besikhangisi ekukhulunywa ngaso, indawo ephakanyiswayo ngokwebhilidi kumbe isakhiwo lapho kumbe lapho ikhonjiswe khona futhi nasempahleni eseduze,isikhangiso esinjalo sihoxisa kumbe singaveza kabi ukubukeka kwebhilidi kumbe indawo leyo noma impahla eseduze,kumbe ingabonakali.

7. Amabhodi ezimpawu ezinamathelisiwe emabhilidini

(1) Lamabhodi alandelayo ezimpawu futhi azikho ezinye ezinga, kuncike ezihlinzekweni zale Mithetho kaMasipala, ezinganamatheliswa emabhilidini:

1. Amabhodi ophawu oluyisicaba,

2. Amabhodi aphawu oluphumile, kanye

3. Namabhodi ophawu olusesibhakabhakeni

(2) Alikho ibhodi lophawu oluyisicaba okumele -

(a) lululeke ngaphezu kumbe ngale kwecala lodonga lapho lunamatheliswe khona;

(b) luphume kunoma yiyiphi ingxenye ngaphezu kwamamilimitha ayi-100 kusuka odongeni lapho lunamatheliswe khona ;

(c) lube ngaphezulu ngamaphesenti ayi-15 ngobude bebhilidi ophahleni kumbe amaphesenti ayi-15 endawo yodonga lapho inamatheliswe khona.

(3) Alikho ibhodi lophawu okumele -

(a) lunamatheliswe ngaphandle kwe-engele engama-90 emigqeni womgwaqo;

(b) lunamatheliswe ebudeni obusobala obungekho ngaphansi kwamamitha ama-2,5;

(c) lube ngaphezu kwamamilimitha angama-225 uhlonze;

(d) lululeke ngaphezu kodonga lapho lunamatheliswe khona;

(e) luphume ngengxenye ngaphezu kwemitha eli-1,5 ukusuka odongeni lapho lunamatheliswe khona;

(f) lululeke ngaphezu kumbe lube seduzane ngemitha eli-1,2 kunoma yiziphi izintambo zikagesi ezihamba phezulu kumbe amakhebuli;

(g) lunamatheliswe ngaphandle kwendawo ebheke phezulu.

8. Isikhangiso esipendwe emabhilidini

(1) Lezi zikhangiso ezilandelayo futhi azikho ezinye okumele, kuncike ezihlinzekweni zale Mithetho kaMasipala, ezipendwe emabhilidini;

(a) Izikhangiso ezipendwe ezindongeni zamabhilidi.

(b) Izikhangiso ezipendwe ophahleni lwebhilidi olusetshenziswa mayelana nemboni kumbe umshikashika wokukhiqiza..

(2) Asikho isikhangiso esipendwe odongeni lwebhilidi okumele sibe ngaphezu kwamaphesenti ayi-15 ebudeni bebhilidi ophahleni kumbe amaphesenti ayi-15 endaweni yodonga lapho lupendwe khona.

(3) Isikhangiso esipendwe ophahleni lwebhilidi luyoquketha kuphela igama (kumbe izinciphiso lapho) zomuntu ,ifemu, inkampani, ibandla kumbe inhlangano esebenzisa ibhilidi elinjalo.

9. Amabhodi aphansi ophawu

(1) Amabhodi aphansi ophawu ezinsimbini ezingamapali, kojantshi kumbe ezigxotsheni futhi azikho ezinye, kuncike ezihlinzekweni zalo Mthetho kaMasipala, eziyokwakhiwa kunoma yiziphi izindawo.

(2) Yilelo bhodi lophawu lwaphansi -

(a) kumele lilekelelwe izinsimbi ezingamapali kumbe ojantshi kumbe izigxobo, umsuka wazo kumele ugxile futhi unamathele emhlabathini futhi lizimele, liqonde futhi linganyakazi kalula;

(b) lingabi ngaphezu kwamamitha ama-2 ephindaphindwe ngemitha -0,3 ngaphandle njengoba kuhlinzekwe esigatshaneni sesi-3 ngezansi;

(c) uma ingekho ingxenye kumbe ephumela ngaphandle komugqa womgwaqo;

(d) lingekho ngaphezu kwamamitha ayi-6,5 ubude futhi ingavumeleka

emhlabathini,

(3) Izimpawu zasemhlabathini zingavumeleka ebudeni obukhulu obungamamitha ayi-6 futhi nobude obungamamitha ama-3 ngaphandle uma uphawu lungezobanga ingozi ezindaweni eziseduze futhi nemvume yeBhodi isitholakele.

(4) Noma yimuphi umuntu ohlose ukwakha uphawu ngaphandle kwemingcele yendawo lapho uyodinga imvume kaNjiniyela oMkhulu futhi kumele akhokhe imali yonyaka njengoba ibekiwe kwiSheduli yeZimali.

10. Izikhangiso eziphayizayo

UMkhandlu uyakuvumela kuphela izikhangiso eziphayizayo kumbe ezisazilwane uma ubona ukuthi, sewubhekile indawo ephakanyisiwe kanye nobunjalo besikhangiso,ukukhonjiswa kwesikhangiso kungeke kuphazamise abantu abasebenzisa umgwaqo womphakathi kumbe udale izimo eziningwe esigabeni se-11(2).

11. Izivimbelo ezivamile ezihambisana nezikhangiso

(1) Akekho umuntu okumele akhombise noma yisiphi isikhangiso ukuze asithe intuba yomlilo kumbe aphazamise noma agxambukele kunoma yiliphi ifasitela kumbe imbobo edingeka ngezinhloso zokungenisa umoya.

(2) Akekho umuntu okumele akhombise noma yisiphi isikhangiso –

(a) endaweni evimba, ephazamisa kumbe igxambukele kunoma yiluphi uphawu lomgwaqo kumbe olungavimba,luphazamise noma lugxambukele ngenye indlela;

(b) esikhanyayo futhi esinemibala,ebomvu,eluhlaza kumbe owodwa noma eminingi imibala enjalo, ngaphandle uma uphawu olunjalo lunobude obusobala bamamitha ayi-6 kumbe uma uphawu olunjalo lungaphezu kwamamitha ayi-15 (olulinganiswe ngokuqondile) emigqeni oqondile womgwaqo ekhoneni lomgwaqo womphakathi;

(b) Uma ukukhanya okuqine kanjalo kungaphazamisa izakhamuzi kumbe abahlali abaseduze kumbe ebhilidini lokuhlala eliseduze.

11. (a) Izimpawu ezikhomba indlela akumele zakhiwe ezakhiweni zokugodlwa komgwaqo ngaphandle kwamabhodi akhomba indlela angakhiwa iziphathi mandla zasekhaya,ekukhokhweni kwemali eshiwo enkokhelweni yentela,

izimpawu ezinjalo ezikhomba indlela kumele zibe ngamamitha ama-2 ubude futhi zibe ngamamilimitha awu-0,3 (300) ukuphakama futhi zakhiwe kweneliseke uNjiniyela oMkhulu.

(b) Ibhodi lophawu olukhomba indlela akumele libe ngaphezulu kwamamitha ama-4 ubude kusuka emhlabathini kugcineke njengoba kusho imvume yoMkhandlu ngokubhalwe phansi.

12. Izidingo zokwakha amabhodi ophawu

(1) Noma yiliphi ibhodi lophawu kumele lakhiwe ngobunono futhi lakhiwe kahle futhi liphothulwe ngendlela enhle yokusebenza kube khona ukweneliseka kwesikhulu esilawula ibhilidi.

(2) (a) Noma yiliphi ibhodi lophawu elinamatheliswe ebhilidini (kumbe odongeni)kumele liqine futhi linamatheliswe ngendlela ephephile ukuze kuphephe futhi ukuhamba kwanoma yiyiphi indlela kumiswe.

(b) Indlela yokunamatheliswa kumele ibe nakho ukuvikela. Ukusiza kanye nokugcina kungabi ngaphansi kwesisindo sebhodi lophawu lolo ngokwengeza noma yimaphi amandla uphawu olungazithola lukuwo.

(c) Ukusetshenziswa kwezipikili kumbe izinsimbi ezihlanganisayo ngenhloso yokuhlanganisa kanye nokwelekela ibhodi lophawu akuvumelekile.

(3) Noma yiliphi ibhodi lophawu oluphumile kumele, ngaphandle uma isikhulu esiphethe ibhilidi sivuma, akufanele sibe nokungaphansi kokune kokwelekelela-

(a) kube ngokwensimbi;

(b) noma yikuphi okubili okungakwazi ukwelekelela isisindo sebhodi lophawu;

(c) isilinganiso sokuqina uma sihlanganiswe ndawonye siyakubalwa ngesisindo silinganiswa kokubili esisindweni sebhodi lophawu olubekiwe ngokwendlalekile ngengcindezi yomoya yoku-1,5 kPa;

(d) lwakhiwa kahle njengenxenye ebalulekile yesilinganiso sebhodi lophawu kumbe ngaphandle kwalolo olusithiwe ukuthi lubonakale.

(4) (a) Wonke amabhodi ezimpawu anamatheliswe emsebenzini wesitini,isakhiwo samatshe abaziwe kumbe ukhonkolo kumele kuphephe futhi kunamatheliswe kahle lapho ngokusebenzisa amabhawodi afakwe ngokuphephile esitinini, ematsheni abaziwe kumbe kukhonkolo kumbe ihambe entweni efanayo futhi evikelekile ecaleni elingaphesheya.

(b) Amabhawodi anjalo kumele abe nobukhulu kanye nokuqina okuzoqiniseka ukuthi kuyahambisa kahle nesigatshana sesi-(2) kumbe sesi-(3).

(5) Noma yiliphi ibhodi lophawu elikhanyayo futhi noma yiliphi ibhodi lophawu lapho ugesi usetshenziswa khona kumele-

(a) lakhiwe ngempahla engashi ;

(b) kube nenkinibho yangaphandle yokulawula ugesi endaweni ekufinyeleleka kalula kuyo evunyiwe isikhulu esiphethe ibhilidi lapho ukuhamba kukagesi kuya ebhodini lophawu kungafike kucishwe;

(c) kufakwe ugesi futhi kwakhiwe njengoba kweneleseka isikhulu esiphethe ibhilidi.

(6) Zonke izinto ezakhiwe ngensimbi ezisobala zebhodi lophawu kumele zipendwe kumbe ngaphandle uma ziphekwe ukuvimbela ukubola kanye nokuhlaselwa izinambuzane futhi emva kwalokho zipendwe.

(7) Akukho bhodi lophawu lwesikhathi eside okumele lakhiwe ngokuphelele kumbe lube ingxenye yendwangu,ingilazi,useyili,ikhadibhodi,iphepha,kumbe impahla enjalo.

13. Ukunakekelwa kwezikhangisi zesikhathi eside

Umuntu onako kumbe olawula isikhangiso sesikhathi eside kumele,uma isikhangiso esinjalo sisakhonjiswa,ngaso sonke isikhathi anakekele isikhangiso, kubandakanya noma yiliphi ibhodi lophawu lapho likhonjiswe khona, lilungiswe kahle futhi libe sendaweni evikelekile.

14. Izinguquko kanye nokwengezwa okungenziwa ezikhangisweni zesikhathi eside

(1) Akukho muntu ongaguqula kumbe engeze kunoma yisiphi isikhangiso sesikhathi eside, kubandakanya noma yiliphi ibhodi lophawu lapho lukhonjiswe

khona, ngaphandle kwemvume ebhaliwe yoMkhandlu.

(2) Noma yimuphi umuntu one kumbe olawula isikhangiso sesikhathi eside futhi ofisa ukuguqula kumbe engeze kuso kumele acele eMkhandlwini ngokubhala ukuthi athole imvume.

(3) Isicelo esishiwo esigatshaneni sesi-(2) kumele sicacise ubunjalo futhi nezinguquko kanye nokwengezwa okuhlongozwayo.

(4) Umuntu ofake isicelo ngokwesigatshana sesi-(2) ukuthola imvume yoMkhandlu kumele anikeze imininingwane engeziwe ngokuhambisana nesicelo njengoba uMkhandlu udinga.

15. Ukususwa kwezikhangiso zesikhathi eside

(1) Uma kukhonjiswe isikhangiso sesikhathi eside -

(a) lapho imvume ingazange inikezwe ngaphansi kwesigaba sesi -4; kumbe

(b) futhi kungahambisani nezilinganiso kumbe izimo ezinqunyiwe kunoma yiyiphi imvume enikeziwe lapho kumbe kunoma yiyiphi ingxenye eqondene nayo kumbe ikhonjiswe ngendlela kumbe endaweni noma ezimweni ngaphandle kwalezo ezinqunyiwe kunoma yiyiphi into yokuphatha kumbe umthethonqubo, uMkhandlu ngokunikeza isaziso esibhalwe phansi,ungaqondisa umuntu ngokuba ne kumbe ukulawula isikhangiso ukusisusa kumbe enza kube khona ukususwa kumbe ukuguqulwa esikhathini esinjalo (okungamele kube ngaphansi kwezinsuku eziyishumi nanye kusukela osukwini lapho isaziso sinikeziwe) njengoba kungacaciswa esazisweni: Ngaphandle uma uMkhandlu ungeke,esikhathini esiyizinyanga ezintathu kusukela osukwini lokushicilelwa kwalo Mthetho, unikeze indlela mayelana nesikhangiso ebesikade sikhonjisiwe osukwini lokugcina futhi lukhonjiswe ngokuqhubeka endaweni efanayo.

(2) Uma umuntu isaziso esinikezwe kuye ngokwesigatshana soku-(1) ehluleka ukuhambisana nesiyalo esiqukethwe kuleso saziso esikhathini esicacisiwe lapha, uMkhandlu unga, kunoma yisiphi isikhathi emva kokuphela kwesikhathi, ngokusebenzisa igatsha eligunyazwe nguMkhandlu, angene endaweni lapho isikhangiso esihambisana nesaziso, sikhonjiswe khona futhi asuse isikhangiso kumbe enze izinguquko ezinqunyiwe esazisweni.

(3) UMkhandlu ungalanda zonke izindleko ezibekhona ngenxa yesinyathelo esithathiwe ngaphansi kwesigatshana sesi-(2) kunoma yimuphi umuntu isaziso esinikezwe yena, ngaphandle uma eveza ubufakazi-

(a) ukuthi akazange, ngesikhathi ethola isaziso,noma ngesinye isikhathi emva kwalokho, akhombise isikhangiso, kumbe;

(b) ukuthi akazange athathe indawo ebalulekile ekukhonjisweni kwesikhangiso futhi anganikezi imvume kunoma yimuphi umuntu ukukhombisa futhi akazange athole ukucutshungulwa okubalulekile mayelana nokukhonjiswa kwesikhangiso, futhi akakwazi ukukhiqiza indaba kumbe aphathe, alawule kumbe aphathe ibhizinisi kumbe umsebenzi oxhumene nesikhangiso.

16. Ukudluliselwa kwamandla okuphatha oMkhandlu

(1) UMkhandlu ngesiphakamiso unganikeza amandla esikhulwini esiphethe ibhilidi, noma yimaphi amandla anikezwe yile Mithetho kaMasipala ngokwemibandela enganqunywa nguMkhandlu.

(2) Noma yikuphi ukudluliswa kwamandla ngaphansi kwesigatshana soku-(1) akumele kuvimbe ukusetshenziswa kwamandla afanele nguMkhandlu uqobo.

17. Ukushayisana kwemithetho

Uma kunokushayisana phakathi kwale Mithetho kaMasipala kanye nanoma yimiphi eminye iMithetho kaMasipala yoMkhandlu ehlobene nezimpawu zokukhangisa, le Mithetho kaMasipala yiyona eyosebenza

ISHEDULI YOKU-1

Mina, ozosayina ngezansi.....ngicela imvume yokwakha noma yokufaka uphawu e /eduze nase..... ngokuhambisana ngokugcwele nesichasiso esingezansi futhi nemidwebo ifakiwe,kanye nezihlinzeko zemithethonqubo ehlobene nokukhangisa kanye nokukhokha imali yokufaka isicelo ka .....

1. **Imininingwane yophawu**

1. Uphawu lwakhiwe nge .....

2. Loluphawu linobuso OBUBODWA/OBUBILI (susa okungalungile)

3. Uhlobo lophawu OLWASEMHLABATHINI/OLWASODONGENI/OLUPHUMILE/UVULANDA/OLWASESIBHAKABHAKENI

4. Izilinganiso (a) Ubude obuphelele ngaphezu komhlabathi .....

(b) izinga elicacile ngaphezu komhlabathi .....

(c) ubude ..... imitha

(d) Ububanzi .... imitha

5. Okuphumile ebhilidini ..... imilimitha

6. Umbala (a) Isendlalelo .....

(b) Okubhaliwe .....

7. Indawo ezakhiweni (chaza).....

.....

8. Izimpawu zasesiBhakabhakeni (a) Isibalo yezitezi .....

(b) Ubude bebhilidi bonke .....

9. Shono ukuthi uphawu lungavikeleka, lulekelelwe, lusekelwe, lufakwe amabhawodi, nokunye.

.....

10. Uyacelwa ukuthi unamathelise umfanekiso wophawu oluhlongozwayo kanye nesithombe esiveza ngokumnyama indawo yophawu oluhlongozwayo.

Ngiyazibophezela ukunakekela uphawu, ukulifaka futhi nokulekelela ukuthi lube sendaweni nasesimweni esigculisayo kanye nokungafaki uMkhandlu ecaleni nganoma ngakuphi futhi nangazo zonke izibizo ezingaqhamuka ngomphumela, kumbe mayelana, nokwakhiwa futhi/kumbe ukukhonjiswa kophawu.

Ibhalwe ..... ngalolu .....suku lonyaka wezi-
..... 20.....

.....
Isiginesha yomfakisicelo

Ofakazi Ikheli .....

1 .....

2. ....

Mina ozosayina..... mnikazi wophawu okukhulunywa ngalo ngenhla,ngiyavuma ukuthi ngiyifundile imibandela ebekiwe futhi ngiyavuma ukuyilandela noma ngabe izothikameza mina nenkampani yami.

Ibhalwe..... ngalolusuku .....enyangeni ka.....onyakeni wezi-20.....

..... Umnikazi wophawu olushiwo ngasenhla, ngiyavuma ukuthi ngiyifundile imibandela futhi ngiyavuma ukuhambisa uma nje .....unyaka wezi-20.....

.....
Isiginesha yomnikazi wophawu

No. 118 **1 kuLwezi 2010**

UMkhandlu kaMasipala waseRichmond, usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, futhi ufundwa ngokuhlanganyela nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: UMthetho Wezinhlelo zikaMasipala, 2000 (UMthetho No. 32 wezi- 2000) lapha ushicilela iMithetho kaMasipala Yabangcwabi yawo.

IMITHETHO KAMASIPALA YABANGCWABI

1. Izincazelo

Ngaphandle uma ingqikithi ibalula ngokunye

"ukungena komoya nokukhanya okwanele" kuchaza ukungena komoya nokukhanya okwanele njengokuningwa eMthethweni Kazwelonke weMithethonqubo Yezokwakha kanye Namazinga, we-1997 (uMthetho No. 103 we-1977), njengoba kuchitshiyelwe noma njengokokusebenza kweMithetho Kamasipala Yezempilo endaweni yokusebenza eyenganyelwe nguMkhandlu;

"isikhulu esigunyaziwe" kuchaza isisebenzi soMkhandlu ogunyazwe nguMkhandlu ukuphatha, ukwenza isebenze kumbe ukuqinisa nanoma yiziphi izihlinzeko zale mithetho kaMasipala;

"uMkhandlu" uchaza uMasipala wase- Richmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi ubandakanya uMkhandlu walowo Masipala noma iKomidi Eliphethe kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenza ngokwamandla oluwanikwe ngokomthetho kanjalo nayinoma yisiphi isikhulu esigunyazwe yiKomidi Eliphethe sanikwa amandla nemisebenzi maqondana nale Mithetho Kamasipala ;

"isitifiketi sekhono lokusebenza" kuchaza umbhalo oningwe esigabeni 5;

"isikhulu esibhekele ukuhlanzeka kwendawo" kuchaza umuntu oyisisebenzi / oqashwe uMkhandlu futhi obhalise eMkhandlwini Wochwepheshe Kwezempilo waseNingizimu Afrika futhi onikezwe amandla ngokwesigaba 31 (1) soMthetho Wezempilo, 1997 (uMthetho No. 63 we-1977);

"amagceke abangcwabi akhona" kuchaza izindawo ezikhona zabangcwabi ezisetshenziselwa lokho kusukela ngosuku lokuqala kokusebenza kwale Mithetho Kamasipala;

"amagceke abangcwabi" kuchaza lezo zindawo ezisetshenziselwa kumbe ezizosetshenziselwa ukulungisa kanye/ kumbe ukugcina isidumbu;

"umnikazi" kuchaza umuntu isitifiketi sekhono lokusebenza esikhishwe ngegama lakhe ;

"amagceke abangcwabi amasha" kuchaza izindawo zabangcwabi eziqala ukusebenza lo msebenzi ngemuva kosuku lokuqala kokusebenza kwale Mithetho Kamasipala;

"isicefe" kuchaza nayinoma isiphi isimo, into, isenzo noma ukweqiwa okuthukayo noma okungadala ingozi empilweni noma okuhlose ukucekela phansi ukuphepha, ukuhleleka noma impilo yendawo;

" ukulungiselela" kuchaza nayinoma isiphi isenzo esihlose ukulungiselela isidumbu ukuba singcwatshwe noma sishiswe futhi kubandakanya nokufakwa komaka okhomba ukuthi isidumbu sizokwenziwa kuphi kokubalwe ngenhla ,kanti

"ukulungisa" kuchaza nayinoma iliphi igama elisukela egameni elithi ukuhlela elinencazelo ehambisanayo naleli gama;

"isitifiketi sekhono lokusebenza sesikhashana " kuchaza umbhalo okukhulunywa ngawo esigabeni 7

"amanzi angathakwe nalutho " kuchaza amanzi ahlanzekile futhi angathakwe nalutho angenayo i-Escherichia coil organisms futhi angenawo umthamo wamakhemikhalu anobungozi empilweni yomuntu.

"ukuvinjelwa komhlambi wezinambuzane" kuchaza ukuvinjelwa komhlambi wezinambuzane njengoba kubekiwe emithethweninqubo eqondene nokuVinjelwa Kwemihlambi Yezinambuzane kanye Nokugcinwa Kokusanhlamvu, iFolishi, njll, ezindaweni zasemakhaya nasemadolobheni eRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika emenyezelwe yiSaziso sikaHulumeni R. 1411 sangomhla zingama- 23 kuMandulo we- 1966;

"uMthetho" uchaza uMthetho Wezempilo we-1977 (uMthetho No. 63 we-1977) kanye nayinoma iliphi igama elinikezwe incazelo yayo eMthethweni lizoba naleyo ncazelo, ngaphandle uma ingqikithi ikhomba okunye ;kanti

"i-themometha" ichaza ithuluzi elikwazi ukunikeza ukufundwa kwezinga lokushisa nokubanda okukhulunywe ngakho eMithethweni Kamasipala, ukuhlanganisa ubuqiniso baleyo themometha kanye namazinga ayo okushisa nokubanda – ukuzwela izinga lokushisa nokubanda kulinganiselwa ku-0.5° C.

2. Izidumbu kumele zilungiselwe ezindaweni zabangcwabi kuphela lezo ezikhishelwe isitifiketi sekhono lokusebenza.

Ngaphandle uma kuhlinzekelwe ngokunye kule Mithetho kaMasipala, akukho muntu oyolungisa futhi/noma alondoloze nayinoma isiphi isidumbu kwenye indawo ngaphandle kwasezindaweni zabangcwabi lezo ezikhishelwe isitifiketi sekhono lokusebenza futhi ezisebenzayo.

3. Ukukhululwa

(1) UMkhandlu ungakhulula ngokubhalwe phansi nanoma ngubani ekuhambisaneni nayo yonke noma eminye yale Mithetho kaMasipala, lapho ngokubona koMkhandlu ukungahambisani neMithetho kaMasipala akunasicefe noma angeke kubange isicefe.

(2) Lokho kukhululwa kuzohambisana nemibandela enjalo , futhi kuzoba semthethweni isikhathi esiyomiswa nguMkhandlu esitifiketini sokukhululwa.

4. Isicelo sokukhishwa nokwedluliswa kwesitifiketi sekhono lokusebenza

(a) Nanoma ngubani ofisa ukufaka isicelo sesitifiketi sekhono lokusebenza maqondana nendawo entsha yabangcwabi, kumele esikhathini esingaba yizinsuku ezingama-21 athumele isicelo sakhe eMkhandlwini kwenzele ukuthi isaziso senhloso yakhe sikhishwe ngolimi lwesiZulu, isiNgisi nesiBhunu ephephandabeni elitholakala endaweni lapho kuzokwakhiwa khona lezi zindawo kumbe lapho zakhiwe khona.

(b) Leso sicelo kumele sibe nolwazi olumayelana nokuthi isicelo sokukhishwa kwesitifiketi sekhono lokusebenza ngokwale Mithetho kaMasipala kumele sithunyelwe eMkhandlwini nokuthi nanoma ngubani ofisa ukuphikisa ukusetshenziswa okunjalo afake ukuphikisa kwakhe, kuhambisana nokumeleleka okucacile, kuMkhandlu ngokubhalwe phansi ezinsukwini ezingama-21 kusukela osukwini lokushicilelwa kwaleso saziso.

(2) (a) Isicelo sokukhishwa kwesitifiketi sekhono lokusebenza kumele senziwekuMkhandlu ngokubhaliwe efomini elisemthethweni bese siphezelwe yilokhu okulandelayo-

(i) incazelo ngamagceke kanye nendawo azoba kuyo, kubalwa impahla yokusebenza, izindawo zokulondoloza, izindawo zokulungiselela kanye nezindlu zangasese.

(ii) ipulani ephelele yokwakhiwa okuhlongozwayo noma yezakhiwo esezivele zikhona ngokwesikalo sika: 1:100 kuhlanganisa nohlelo lokuthuthwa kwemfucuza esaketshezi.

(iii) ipulani yamagceke lapho ingxenye yangasenyakatho ikhonjiswa isondelene nemanye amagceke asevele esetshenziswa ngumfakisicelo kumbe abanye abantu kanye nenhloso lawo magceke asetshenziselwa yona noma azosetshenziselwa yona;

(iv) imininingwane yanoma ngubani ngaphandle komfakisicelo kumbe izisebenzi zakhe ezilungisa noma ezizolungisa izidumbu kulawo magceke; kanye

(v) nohlelo lokuqapha ingozi engahle ivele maqondana nokulondolozwa kwezidumbu esimweni sokungasebenzi kweziqandisi kumbe kwendlu yamakhaza.

(vi) uhlelo lokuhlanza nokulwa namagciwane

(3) UMkhandlu, uma ubheka udaba lokukhishwa kwesitifiketi sekhono lokusebenza, ungacela olunye ulwazi oluthe xaxa oludingekayo kumfakisicelo kumbe kunoma yimuphi omunye umuntu.

(4) UMkhandlu angeke ukhiphe kumbe wedlulise isitifiketi sekhono lokusebenza ngaphandle uma sekwenziwe ukuhlolwa okuphelele kwamagceke athintekayo yisikhulu esiqokwe nguMkhandlu futhi nombiko waso mayelana nokuhlolwa, kuhlanganisa neziphakamiso zaso mayelana nokukhishwa noma ukwedluliswa, ususezandleni zoMkhandlu .

5. Ukukhishwa noma ukudluliswa kwesitifiketi sekhono lokusebenza

Uma uMkhandlu wenelisekile ukuthi lawo magceke athintekayo-

(1) ayahambisana nazo zonke izidingo ezibekwe kule Mithetho kaMasipala kanye neminye imithetho esebenzayo;

(2) akulungele ngayo yonke indlela ukulungiselelwa kwezidumbu; Futhi

(3) angeke alulaze nanoma ngubani ohlala emagcekeni akhelene nalawo magceke,

ezimweni lapho ngokokubona kwawo maqondana namagceke abangcwabi, uyokhipha isitifiketi sekhono lokusebenza egameni lomfakisicelo ngefomu elibekiwe noma, ngokufaka isigxivizo sokugunyaza, uyokwedlulisela isitifiketi sekhono lokusebenza esivele sikhona kumnikazi omusha, kuye ngesimo.

6. Ukuba semthethweni kanye nokwedluliselwa kwesitifiketi sekhono lokusebenza

Isitifiketi sekhono lokusebenza, ngaphandle kwesitifiketi sekhono lokusebenza sesikhashana , uma sesigxivizwe nguMkhandlu, siyodluliselwa sisuswa kumnikazi sinikezwa umnikazi omusha futhi leso sitifiketi uma sigxiviziwe kanjalo, siyoba semthethweni kusukela ngosuku esiyokhishwa ngalo kuze kube siyachithwa noma siyamiswa ngokwale Mithetho Kamasipala .

7. Ukukhishwa kwesitifiketi sekhono lokusebenza sesikhashana

(1) Uma kungukuthi uMkhandlu awunelisekile njengalokhiu kuningwe esigabeni 4 mayelana namagceke abangcwabi afakelwe isicelo sesitifiketi sekhono lokusebenza, uMkhandlu, esimweni samagceke abangcwabi futhi kuncike kuleyo mibandela enqunywe nguMkhandlu, ungakhipha isitifiketi sekhono lokusebenza sesikhashana maqondana nalawo magceke.

(2) Isitifiketi okukhulunywe ngaso esigatshaneni (1) siyokhishwa kuphela uma uMkhandlu ugculiseka ukuthi ukusetshenziswa kwalawo magceke abangcwabi akubangi sicefe futhi angeke kubange sicefe, futhi sizokhishelwa isikhathi eslinganiselwa ezinyangeni eziyisithupha ukuze umfakisicelo akwazi ukuguqula lawo magceke ukuze ahambisane nezihlinzeko zale Mithetho kaMasipala.

(3) Uma emva kwesikhathi okukhulunywe ngaso esigatshaneni (2), amagceke awahambisani nezihlinzeko zale Mithetho kaMasipala, uMkhandlu ungasichitha isitifiketi sekhono lokusebenza sesikhashana.

8. Imisebenzi yomnikazi

(1) Umnikazi kuyomele azise uMkhandlu ngokubhalwe phansi ngokushesha uma kunezinguquko emininingwaneni kumbe ezimweni ezazaziswe uMkhandlu ngesikhathi kwenziwa isicelo sesitifiketi sekhono lokusebenza .

(2) Umngcwabi angeke alahle isidumbu noma kuphi nje ngaphandle kwasemathuneni noma endaweni yokushisa izidumbu ngokoMthetho waKwaZulu-Natli Wezamathuna Nezindawo Zokushisa Izidumbu,we-1996 (uMthetho No.12 we-199).

(3) Umnikazi uyohambisana nezihlinzeko zale Mithetho kaMasipala, imithetho esebenzayo kanye neminye imibandela ebekwe nguMkhandlu.

9. Ukumiswa noma ukuchithwa kwesitifiketi sekhono lokusebenza noma isitifiketi sekhono lokusebenza sesikhashana

(1) Uma uMkhandlu unombono, ngokwesisindo sombiko wokuhlola kanye/noma isiphakamiso esenziwe yisikhulu sezokwelapha ngokwezempilo noma isikhulu esibhekele ukuhlanzeka kwendawo, wokuthi kunezizathu eziqinile zokusola ukuthi -

(a) amagceke abangcwabi athintekayo asetshenziswa ngendlela edala ubungozi noma izimo ezinobungozi ezakhiweni zomngcwabi noma;

(b) amagceke athintekayo asetshenziswa ngokungqubuzana nezihlinzeko zoMthetho Wezempilo,1977 (uMthetho No. 63 ka-1977), le Mithetho kaMasipala noma eminye imithetho esebenzayo noma eminye imibandela ephoqwa yisitifiketi sekhono lokusebenza noma isitifiketi sesikhashana sekhono lokusebenza, uMkhandlu ngokubona kwawo –

(i) maqondana nemibandela ebekwe esigabeni 9 (1)(a) lapho khona ubona ukuthi ubungozi bempilo obubonakalayo bungadala ingozi yangempela uMkhandlu ungasihoxisa isitifiketi.

(ii) maqondana nanoma yikuphi ukungqubuzana nezimiso okukhulunywe ngakho esigabeni 9(1)(b) ukumiswa kwesitifiketi sekhono lokusebenza noma kwesitifiketi sekhono lokusebenza sesikhashana esithintekayo ngaleso sikhathi njengokunquma koMkhandlu, kusiza umnikazi ukuze akwazi ukuhambisana nemithetho evele isebenza kanye/noma nemibandela efakiwe, uma umnikazi ehluleka ukuhambisana nemigomo esikhathini sibekwe esazisweni sokumiswa, uMkhandlu ungachitha leso sitifiketi sekhono lokusebenza kumbe isitifiketi sesikhashana sekhono lokusebenza;

(iii) ungamisa isitifiketi sekhono lokusebenza kumbe isitifiketi sesikhashana sekhono lokusebenza isikhathi esiyonqunywa nguMkhandlu, ukunika umnikazi isikhathi sokuthi ahambisane nemithetho esebenzayo kanye/ kumbe imibandela ebekiwe, inqobo nje uma umnikazi ehluleka ukuhambisana esikhathini

esibekiwe esazisweni sokumiswa, uMkhandlu ungachitha isitifiketi leso ngaphandle kokukhipha esinye isaziso.

(2) Isaziso esikhishwe nguMkhandlu ngokwesigaba 9(1) kumele sikhishwe ngokubhaliwe, bese sinikezwa umnikazi.

(3) Ukumiswa noma ukuchithwa kwesitifiketi sekhono lokusebenza noma kwesisitifiketi sekhono lokusebenza sesikhashana ngokwalo Mithetho kaMasipala kuyoqala kusukela ngosuku lwesaziso sokumisa noma sokuchitha -

(a) akukho kulungiselelwa kwesidumbu okuzokwenziwa emagcekeni athintekayo ;

(b) akukho sidumbu esizokwamukelwa emagcekeni athintekayo ; futhi

(c) akukho sidumbu esizogcinwa emagcekeni athintekayo futhi zonke izidumbu ziyosheshe zikhishwe emakhazeni alawulwa nguHulumeni, ukuphathwa kwesifundazwe noma uMkhandlu kumbe ezinye izindawo zabangcwabi ngaphandle uma lo Mthetho Kamasipala ungeke usebenze futhi nesaziso okukhulunywe ngaso singeke saziwe njengesithibelo kunoma yimuphi umsebenzi webhizinisi maqondana nomsebenzi wobungcwabi kuhlanganisa ukudayiswa kwamabhokisi emingcwabo kanye nemishwalense.

(4) Uma uMkhandlu unombono wokuthi umbandela okuyiwo obangele ukuthi kuchithwe isitifiketi njengoba kuningwe kulo Mthetho kaMasipala walungiswa emva kwalokho kuchithwa, ngokwesicelo esibhalwe phansi ngumnikazi noma egameni lakhe, uyoqeda ukuchithwa okunjalo bese kuthi ngesicelo esibhalwe phansi ngumnikazi noma egameni lakhe kuqedwe lokho kuchithwa ngokuthi kugxivizwe leso sitifiketi esithintekayo.

10. Izidingo ezihlobene namagceke abangcwabi

(1) Ukuhlinzekelwa kokulandelayo kuyokwenziwa emagcekeni abangcwabi :

(a) igumbi lokulungiselelwa kwezidumbu

(b) amagumbi okushintshela, ahlukaniswe ngokobulili, asetshenziswa yizisebenzi eziqashwe kula magceke;

(c) izindawo zamakhaza ukuze kugcinwe izidumbu

(d) izindawo zokugeza nokuhlanza amathuluzi nezinto zokusebenza ngaphakathi esakhiweni.

(e) izindawo zokuhlanza izimoto emagcekeni .

(f) izindawo zokulayisha nokwehlisa izidumbu njengoba kuningwa endinyaneni 10(6).

(2) Alikho igumbi ezakhiweni zomngcwabi elizosetshenziselwa enye inhloso ngaphandle kwenhloso elihlelelwe yona.

(3) Igumbi lokulungisela-

(a) kumele lakhiwe ngendlela yokuthi -

(i) lehlukaniswe kuwo wonke amanye amagumbi asemagcekeni omngcwabi futhi ingakwazi ukuxhumana ngqo nayinoma iliphi ihhovisi noma igumbilokudayisa : Ngaphandle uma igumbi lokulungisela elisemagcekeni omngcwabi avele esebenza likwazi ukuxhumana, indawo yokungena kufanele ingabi sobala ngendlela yokuthi ingxenye engaphakathi ingabonakali nhlobo kubantu abasehhovisi elxhumene nayo kumbe abasegumbini lokudayisa;

(ii) livumele ukuthi iphunga eligqabula ukhakhayi kanye nomhwamuko lilawuleke kahle futhi likwazi ukungenisa umoya nokukhanya okwanele.

(b) kumele libe nephansi-

(i) elimboza indawo engekho ngaphansi kwamaskwemitha ayi-6 ethebula lokuqala elifana nelisesigabeni 10(3)(e) kanye amaskwemitha ayisi-8 ethebula ngalinye elengeziwe;

(ii) elakhiwe ngosimende noma ngempahla engangenwa manzi enengaphezulu elibushelelezi, elingasheleli, okulula nokulihlanza futhi lithi ukwehlela kancane ukuqininisekisa ukuthi nanoma yikuphi ukugeleza kuyochithekela ohlelweni lokulahla okusaketshezi oluvunywe nguMkhandlu; futhi

(iii) uma lakhiwe noma lifakwe ngemuva kosuku lokuqalisa kwale Mithetho Kamasipala, lizohlinzekwa ngodaka lokugcwalisa oluyingxenye yendilinga (half round filling) lapho lihlangana khona nodonga;

(c) kumele libe nezindonga, ingaphezulu lengaphakathi lazo libe bushelelezi futhi lipendwe ngopende onombala okhanyayo futhi owasheka kalula kumbe nanoma iyiphi impahla efannele, ebushelelezi, engangenwa manzi, enombala okhanyayo futhi ewasheka kalula;

(d) lizohlinzekwa ngosilingibhodi ongekho ngaphansi kwamamitha ama-2,4 ngaphezu kwephansi, lowo silingi kumele ungangenwa thuli futhi upendwe ngopende onombala futhi owasheka kalula.

(e) kumele libe namatafula angaphezu kwelilodwa ensimbi kumbe nanoma yiyiphi impahla efanele, afakwe umphetho ngaphandle, umpompi onamanzi abandayo lapho kungaxhunywa khona ipayipi elibuye likhishwe kanye nesitamkoko esixhumene nohlelo lokulahla oluvunyiwe;

(f) kumele lingabi nosinki owodwa itafula ngalinye, owakhiwe ngensimbi noma enye impahla efanele enendawo yokusebenzela engaphezulu layo lenziwe ngempahla efanayo, ompompi abanamanzi ashisayo nabandayo kanye nesitamkoko esixhunywe ngokuphelele ohlelweni lokulahla oluvunyiwe, futhi lihlinzekwe ngamathawula asetshenziswa kanye alahlwe, ibhulashi lezinzipho kanye nensipho;

(g) kumele lingabi nompompi owodwa okuzoxhunywa kuwo ipayipi elibuye likhishwe, elide ngokwanele ukufinyelela kuwo wonke amakhona alelo gumbi, kumele lixhunywe ukuze kuhlanzwe ingaphakathi; futhi

(h) kumele libe neminyango ekuvuleka kwawo kungekho ngaphansi kwamamitha angu-0, 82 ububanzi kanye namamitha ama-2 ubude ukuze kube lula ukufaka nokukhipha izidumbu kulelo gumbi .

4. Igumbi ngalinye lokushintshela kumele okungenani libe nalokhu okulandelayo:

(a) usinki owodwa onompompi onamanzi ashisayo nabandayo, ozosetshenziswa yizisebenzi eziyisithupha noma ingxenye yazo.

(b) amathawulwa alahlwayo ngemuva kokusetshenziswa, insipho,amabhulashi ezinzipho kanye nezibulali magciwane

(c) izindlu zangasese ezingaphezu kweyodwa zezisebenzi zesilisa eziyi-15 kumbe ingxenye yazo kanye neyezesebenzi zesifazane eziyi-15 noma ingxenye yazo eziqashwe endaweni yomngcwabi othintekayo, ngaphandle uma kunendawo yokuchama yabesilisa eseceleni , kufanele kube nendlu yangasese eyodwa yabesilisa kanye nendawo yokuchama engasetshenziswa ngabesilisa abangama-30 noma ingxenye yabo

(5) Izindawo zamakhaza njengeziqandisi kumbe amagumbi amakhaza okugcina izidumbu, kumele zakhiwe phakathi noma eduze kakhulu kwegumbi lokulungiselela futhi-

(a) Lapho kusetshenziswa khona iziqandisi, kumele zakhiwe ngempahla engangenwa umswakama, ihlinzekwe ngamathileyi akhiphekayo futhi yakhiwe ngendlela yokuthi akwazi ukugelezisela amanzi esitamkokweni esivunyiwe futhi kube lula ukuwahlanza futhi -

(b) yakhiwe ngendlela yokuthi izinga lokubanda kwanoma yisiphi isidumbu lingabi ngaphezu kuka-5° C emahoreni ama-3 samukelwe futhi lingabi ngaphezu kaka-15° C ngesikhathi silungiselelwa. Kumele kuhlinzekwe i-themomitha eshaya emhloleni esiqandisini noma igumbi lamakhaza futhi ihlale isebenza isebenza zikhathi zonke;

(c) ezimeni lapho kusetshenziswa amagumbi amakhaza kufanele lihambisane nezigaba 10(3)(a)(ii), (b)(ii), (c), (d) no- (h) futhi kumele lihlinzekelwe ngamashalofu akhiqizwe ngempahla engangenwa umswakama futhi okulula ukuyihlanza ; futhi

(d) izidumbu akufanele zibekwe phezu kwezinye futhi kufanele zigcinwe ngazinye emathileyini noma emashalofeni.

6. Izindawo zokuhlanza, zokwehlisa nezokwethulwa kwezidumbu kumele zibe nendawo enonqenqema, esithekile emphakathini, enesitamkoko esiya odongeni oluxhumeke ohlelweni lokuthutha ukungcola eligunyazwe nguMkhandlu.

7. Ukulayishwa nokwethulwa kwezidumbu kanye nokugezwa kwezimonto angeke kwenzeke nanoma yikuphi ngaphandle kwendawo ebalulwe esigabeni 10 (6).

8. Amagceke abangcwabi kumele avikeleke emagundaneni nezinambuzane.

11. Ukuhlanzeka

(1) Udoti oqinile emagcekeni omngcwabi uzogcinwa emiqgonyeni evalwayo futhi kuzobhekwana nawo ngokuhambisana nezidingo zoMkhandlu.

(2) Bonke abanikazi bezitifiketi zolwazi oluqondene nezakhiwo zomngcwabi bazokwenza okulandelayo –

(a) bazohlinzeka izingubo ezihlanzekile zokuvikela ezihambisana namagilavu, amabhutsi, amaphinifa eplastiki, ama-maski asebusweni nama-ovaroli kubo bonke abasebenzi kanye nakubo bonke abantu ababamba iqhaza ekuhlelweni kwezidumbu kanti bonke ababamba iqhaza uma benza umsebenzi wokuhlela izidumbu kufanele bazigqoke lezi zimpahla ezihlinzekiwe;

(b) bazogcina amagceke enganawo amaphela nezinambuzana ngaso sonke isikhathi.

(c) ngemuva kokuhlela nayinoma isiphi isidumbu, kufanele bahlanze indawo abebekade besebenzela kuyo kungakapholi maseko;

(d) kufanele bahlanze zonke izinto abebezisebenzisa futhi baqinisekise ukuthi bayawabulula amagciwane ezintweni abebesebenza ngazo ngenkathi behlela isidumbu;

(e) kufanele bahlanze izimpahla zokuvikela ebekade zisetshenziswa ezakhiweni nsukuzonke;

(f) kufanele bagcine amagceke ehlanzekile futhi eqoqokile zikhathi zonke; futhi

(g) uma ngabe isidumbu sithuthwe ngaphandle kokuvalwa kufanele ukuthi imoto ebithwele isidumbi igezwe ngemuva kokuba isidumbu sesehlisiwe.

12. Izinhlawulo

Nanoma yimuphi umuntu –

(1) owephula kumbe ohluleka ukuhambisana nanoma yiziphi izinhlinzeke zale mithetho kaMasipala;
(2) owephula kumbe ohluleka ukuhambisana nanoma yisiphi isaziso esikhishiwe noma umbandela obekiwe ngokwale mithetho kaMasipala;
(3) ngenhloso yale mithetho kaMasipala, okhipha isitatimende esingesilo iqiniso ebe azi ukuthi asisilo iqiniso kumbe anike ulwazi olungasilo iqiniso kumbe oluholela ophathe ngabomu isisebenzi noma isikhulu esigunyaziwe;
(4) osabisa, anqabe, aphazamise kumbe avimbele isikhulu esigunyaziwe kumbe isisebenzi soMkhandlu ekusebenziseni amandla aso kumbe ekwenzeni umsebenzi waso ngaphansi kwale mithetho kaMasipala, uyotholakala enecala bese kuthi lapho egwetshwa kuyomele akhokhe inhlawulo ye- R10 000.00 kumbe agqunywe ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni ezingamashumi aambili kumbe kokubili inhlawulo kanye nokugqunywa ejele.

13. Ukushayisana kwemithetho

Uma kukhona nanoma yikuphi ukushayisana phakathi kwale mithetho kaMasipala kanye nanoma yiyiphi eminye imithetho kaMasipala yoMkhandlu emayelana nabangcwabi, kuyomele kusebenze le mithetho kaMasipala.

UMkhandlu kaMasipala waseRichond, usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, futhi ufundwa ngokuhambisana nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo zikaMasipala, wezi-2000 (UMthetho No.32 wezi-2000), lapha ushicilela iMithetho yawo kaMasipala Yesikidi.

IMITHETHO KAMASIPALA YESIKIDI

1. Izincazelo

Kule Mithetho kamasipala, ngaphandle uma kuphambene nengqikithi-

"isilwane" kuchaza nanoma yisiphi isilwane esisahhashi noma esisankomo, noma yinoma yiyiphi imbongolo, imvu, imbuzi, ingulube noma intshe efuyiwe, noma yini ezalwa yingxubevange yalezo zilwane, noma yiziphi izinkukhu nezinyoni zasekhaya;

" UMkhandlu" kuchaza uMasipala wase-Richmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo Masipala noma iKomidi lawo eliPhethe kumbe nanoma yiluphi olunye uhlaka olusebenza ngokwamandla eluiwanikwe ngokomthetho, kumbe nayinoma yisiphi isikhulu esigunyaziwe nguMkhandlu sanikwa amandla nemisebenzi maqondana nale mithetho kaMasipala;

" isilwane esiboshiwe" kuchaza nanoma yisiphi isilwane esifakwe esikidi njengalokhu kushiwo esigabeni 5;

" umnikazi" maqondana nanoma yisiphi isilwane kubandakanya nomphatheli womnikazi noma yinoma yimuphi umuntu onelungelo ngokomthetho lokugcina isilwane;

" umnikazi" maqondana nanoma yimuphi umhlaba kubandakanya umnikazi obhalisiwe, umqashi kanye nanoma yimuphi osebenzisa leyo ndawo ngokusemthethweni leso silwane;

" isikidi" kuchaza nanoma yiyiphi indawo lapho kusungulwe khona isikidi nguMkhandlu noma uMkhandlu usisungulelwe khona ukuze kuboshwe khona izilwane ngokwale Mithetho kaMasipala ;lisungulwe khona ngokoMkhandlu lokubophela izilwane ngaphansi kwale Mithetho kamasipala, futhi

" imenenja yesikidi" kuchaza umuntu oqokwa izikhathi ngezikhathi nguMkhandlu ukuba alawule isikidi esisungulwe nguMkhandlu kanye nonoma yimuphi omunye umuntu oqokwe yilo muntu ukuba abambe esikhundleni sakhe ngesikhathi engekho esikidini.

" imali enqunyiwe" kuchaza imali enqunywa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi ezinhlawulweni zentelo yoMkhandlu

" indawo yomphakathi" nanoma yiyiphi indawo lapho umphakathi ukwazi ukungena khona ngokukhululeka, kubandakanya nanoma yiyiphi indawo evulekile, ipaki, inkundla yokungcebeleka, inkundla yezemidlalo, ibhishi, inxanxathela yezitolo esemhlabeni kamasipala, umhlaba ongasetshenzisiwe / umhlaba kamasipala ongenalutho noma amathuna, kanye

" umgwaqo womphakathi" kuyochaza umgwaqo womphakathi njengoba kuchaziwe ngaphansi kwesigaba 1 soMthetho Wezemigwaqo, we- 1996 (UMthetho No. 93 we-1996).

2. Ukusetshenziswa

Akukho okuvimbela nanoma yisiphi isilwane esiboshiwe ngokwale Mithetho kaMasipala ukuba sifakwe esikidi noma endaweni ethi mayifane naso esungulwe yinoma yimuphi omunye umasipala, uhulumeni wesiFundazwe noma omunye umaziphathe osemthethweni.

3. Ukusungulwa kwesikidi

(1) UMkhandlu ungasungula isikidi kunoma yiyiphi indawo engaphansi kwawo, futhi uMkhandlu ungaphelisa isikidi nanoma yinini lapho uMkhandlu ubona kufanele.

(2) UMkhandlu uyonikeza isaziso sokusungulwa kwesikidi, noma sokupheliswa kwaso, ngokushicilela isaziso okungenani emaphephandabeni amabili aphuma endaweni elawulwa nguMkhandlu.

4. Ukubanjwa nokuthuthwa kwezilwane

(1) Yinoma yisiphi isilwane –

(a) esitholakale singene ngokungemthetho endaweni, noma

(b) esihlanhlathayo noma esizulazula singabhekiwe emgwaqweni womphakathi noma kwenye indawo yomphakathi, singabanjwa futhi sithuthelwe esikidi ngumnikazi waleyo ndawo, yisisebenzi soMkhandlu, yilungu lombutho wezaMaphoyisa aseNingizimu Afrika noma imenenja yesikidi.

(2) Nanoma yimuphi umuntu obambe isilwane ngenhloso yokusibopha asifake esikidi kumele-

(a) athuthele leso silwane esikidi kungakapheli amahora angama- 24 emva kokusibamba; futhi

(b) aqinisekise ukuthi uyasinakekela ngokuyikho isilwane esibanjiwe kuze kube isilwane siyamukelwa ephawundi

5. Ukwamukelwa kwezilwane

(1) Nanoma yimuphi umuntu othuthela isilwane esikidi kumele ahlinzeke imenenja yesikidi -

(a) ngegama lakhe kanye nekheli lalapho ehlala khona ngokugcwele;

(b) isikhathi nendawo lapho ebambe khona isilwane, kanye

(c) nembangela asibophele yona isilwane.

(2) Imenenja yesikidi kumele, ngesikhathi yamukela isilwane esiboshiwe –

(a) ibhale phansi imininingwane enikeziwe ngokwesigaba 5 (1) futhi enze okufanayo nasebhukwini eligcinelwe leyo nhloso;

(b) inikeze umuntu olethe isilwane irisidi elikhombisa-

(i) igama lakhe;

(ii) uhlobo lwesilwane; kanye

(iii) nosuku nesikhathi sokwamukelwa kwesilwane esikidi, futhi

(c) agcine ikhophi lerisidi ngalinye elikhishwe ngokwesigaba 5(2)(b).

(3) Akekho umuntu okumele adedele noma azame ukudedela, ngale kokuhambisana nale Mithetho kaMasipala, nanoma yisiphi isilwane ebesamukelwe esikidini.

6. Ukunakekelwa kwezilwane

(1) Imenenja yesikidi kumele inakekele yinoma yisiphi isilwane esiboshwe ngokwale Mithetho kaMasipala.

(2) Imenenja yesikidi akumele isebenzise noma idale noma ivumele ukuba kusetshenziswe yinoma yisiphi isilwane esiboshiwe ngokwale Mithetho kaMasipala.

(3) Esehlakalweni sokulimala noma sokufa kwanoma yisiphi isilwane esiboshiwe, imenenja yesikidi kumele ibhale phansi imbangela yalokho kulimala noma ukufa futhi kumele igcine nanoma yisiphi isitifiketi sikadokotela wezilwane esikhishiwe.

(4) Imenenja yesikidi kumele igcine amarekhodi anoma yiziphi izindleko ezidaleke maqondana nesilwane esiboshiwe kubandakanya kodwa kungagcini, ekunakekelweni ngokudla nangodokotela kwezilwane.

7. Ukudedelwa kwezilwane

Imenenja yesikidi kumele inikezele isilwane esiboshiwe kunoma yimuphi umuntu-

(1) oyigculisile ukuba ungumnikazi wesilwane esiboshiwe;
(2) okhokhe izindleko zokusithwala nezasesikidi ezinqunyiwe, futhi
(3) okhokhe izindleko zanoma yimuphi udokotela wezilwane noma ezinye ezidaleke ekuboshweni kwesilwane.

8. Ukuchithwa kwezilwane

(1) Imenenja yesikidi ingadayisa endalini yomphakathi futhi nangokuthola imali nanoma yisiphi isilwane esiboshiwe esingalandwanga ezinsukwini ezingama-30 siboshiwe, futhi uma kungukuthi-

(a) uMkhandlu uthathe zonke izinyathelo ezifanelekile zokuthola nokwazisa umnikazi;
(b) umnikazi akatholakalanga noma, nakuba kade esenikezwe isaziso sezinsuku eziyi- 10, ehlulekile ukulanda isilwane esiboshiwe, futhi
(c) izinsuku eziyi-10 ngaphambi kwesaziso sendali ehlongoziwe sinikeziwe ngokwesigaba 8(2).

(2) Indali yesilwane esiboshiwe kumele ikhangiswe ngokubeka isaziso ebhodini lezaziso zomphakathi endaweni eqokwe nguMkhandlu ngaleyo nhloso-

(a) esichaza isilwane, ubulili baso, ubudala baso obuhlawumbiselwayo kanye nanoma yiluphi uphawu noma umaka esinawo; futhi
(b) esibalula ukuthi isilwane sizodayiswa endalini yomphakathi uma singalandwa ezinsukwini eziyi- 10.

(3) Imali etholakele endalini iyosetshenziselwa ukukhokha izinhlawulo nezindleko ezibalulwe esigabeni 7 bese kuthi eyosala, uma ikhona, iyodliwa nguMkhandlu uma ingalandwanga ezinyangeni ezintathu ngumuntu oyogculisa imenenja yesikidi ukuthi ungumnikazi wesilwane esiboshiwe.

(4) Uma imenenja yesikidi, nganoma yisiphi isizathu, ingakwazi ukudayisa yinoma yisiphi isilwane esiboshiwe noma uma, ngokubona kwemenenja yesikidi, isilwane siyingozi kakhulu, sinesifo noma sigula kakhulu noma sisesimweni esidinga ukuba sibulawe, imenenja yesikidi ingenza ukuba isilwane sibulawe noma uma kungenjalo kube ukushabalaliswa kwesilwane ngendlela egunyazwe nguMkhandlu.

(5) Nanoma yiyiphi imali eshodayo phakathi kokuqhutshwa kwendali, uma kubekhona, kanye nezinhlawulo nezindleko okukhulunywe ngakho esigabeni 7, noma izindleko zokuphazamiseka njengoba zishiwo emshwaneni 8(4) kungafunwa nguMkhandlu kumnikazi.

9. Isivikelo

UMkhandlu, imenenja yesikidi kanye nanoma yisiphi isikhulu, isisebenzi, umphatheli noma ikhansela loMkhandlu akuyokubekwa cala lokufa noma lokulimala kwanoma yisiphi isilwane okwenzeke ngenxa yokubanjwa,

ukuboshwa noma ukudedelwa, kumbe okwenzeka ngesikhathi sokuboshwa kwaso.

10. Amacala nezinhlawulo

Nanoma yimuphi umuntu owephula noma ohluleka ukuhambisana nanoma yiyiphi nhlizeko yale Mithetho kaMasipala uyobekwa icala lokwaphula umthetho futhi uyohlawuliswa inhlawulo engeqile ezi- R2000 noma abhadle ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyisithupha kumbe kokubili, inhlawulo kanye nokubhadla ejele.

11. Ukuphikisana kwemithetho

Uma kukhona ukuphikisana phakathi kwale Mithetho kaMasipala neminye Mithetho yoMkhandlu, le Mithetho kaMasipala yiyona eyosetshenziswa.

No. 120 **1 kuLwezi 2010**

UMkhandlu kaMasipala waseRichmond, usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11 sifundwa ngokuhlanganyela nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo zikaMasipala, wezi-2000, (UMthetho No.32 wezi- 2000) lapha ushicilela iMithetho yawo kaMasipala yokusetshenziswa kwezinsiza zomphakathi, zobuciko kanye namasiko.

IMITHETHO KAMASIPALA YOKUQASHA KANYE NOKUSETSHENZISWA KWEZINSIZA ZOMPHAKATHI, ZOBUCIKO KANYE NAMASIKO

1. Izincazelo

Kule Mithetho kaMasipala, ngaphandle uma ingqikithi ichaza okunye-

"ubuciko" kuchaza zonke izinhlobo kanye nemidanso yesintu, imidlalo yeshashalazi ,umculo, inkundla yomculo, ubuciko obubonwayo, imisebenzi yezandla, imidwebo, ubucikomazwi obubhalwayo nobukhulunywayo, ifilimu yamabhayisikobho, ubuciko bomphakathi namasiko, konke okusebenza njengendlela yokuveza ikhono lomuntu ngamunye noma ikhono leqoqo labantu futhi livezwa indlela abasebenza ngayo, izethulo, imibukiso, ukudlulisela kwabanye kanye nokufunda;

"iciko" kuchaza nanoma ngubani ozibandakanya ekwakhiweni noma ekukhiqizweni komculo, umdanso, ithiyetha, imisebenzi yezandla, amafilimu, amabhayisikobho, ubuciko bomphakathi kanye namasiko, ithiyetha yomculo kanye nobucikomazwi;

"izinto ezisetshenziswa ukwelekelela emisebenzini ethile" kuchaza nanoma yikuphi ukufakwa noma izimpahla ezisebenza ngogesi ezakhiweni futhi kuhlanganisa ngaphandle kokujivazayo okuyimvama okuhamba phambili, okuyinoma iziphi izikhiye izingidi, amafasitela, amapani enkuncunkuncu, izitsha, ompompi bamanzi kanye nemifakelo futhi "izinto ezisetshenziswa ukwelekelela emisebenzini ethile"unenye incazelo efanayo;

"isisebenzi esinegunya" kuchaza isisebenzi soMkhandlu esinikezwe amandla kanye/ kumbe imisebenzi okumele siyenze;

"isikhungo" kuchaza ibhilidi eliphethwe noma elisetshenziswa nguMkhandlu, noma ngabe lifaka ihholo lomphakathi noma cha, lapho imisebenzi yamaqembu emidlalo yangaphakathi, engeyamasiko noma engekaqedisizungu iqhutshelwa khona.

"UMkhandlu" kusho uMasipala waseRichmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo masipala noma iKomidi Elilawulayo kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenzisa ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kanjalo nanom a yisiphi isikhulu esinikezwe nguMkhandlu amandla nomsebenzi maqondana nale mithetho kamasipala;

"Isiko" kuchaza izinto ezibonakalayo ezihlukanisayo, ngokomoya, ngokwezinto eziphathekayo, ngokwengqondo kanye nangokwemizwa ngokuhlangane ezibonakalisa umphakathi kumbe iqembu lomphakathi futhi kufaka ukugcinwa kolimi kanye namagugu (okungabalwa imyuziyemu, indlu yokulondoloza imilando yesizwe, imitapo yolwazi , izindawo ezinomlando wezwe kanye namatshe ezikhumbuzo);

"imisebenzi yamasiko" kuchaza nanoma yimiphi imisebenzi yamasiko, imihlangano yamasiko, imigubho, ukudayiswa kwezimpahla esezisebenzile, umbukiso kanye nanoma imiphi eminye imisebenzi yamasiko;

"izinsiza" kuchazwa izinsiza zezobuciko namasiko ezingaphansi kokuphathwa nokulawulwa kuMkhandlu futhi kubalwa konke okusetshenziswa ekwelekeleleni emisebenzini ethile;

"umsebenzi weqembu" kuchaza umsebnzi owenzeka ngobuciko, ngokwesiko kumbe ngokwemidlalo edlalelwa ngaphakathi, lapho idlanzana lamalungu eqembu abanentshisekelo kulolo hlobo lomsebenzi bazibandakanya kungaba ndawo kumbe ngamaqenjana, noma ngokulandelana, okungaba ngozimela ngabodwana kumbe ngamathimu:

"Isiqashi" kuchaza umuntu ofaka isicelo, akhokhe bese ethola imvume yokusebenzisa izinsiza;

"umuntu" kuchaza umuntu qobo lwakhe noma umuntu ngokubuka komthetho nangokuguquka futhi kufaka nenhlangano yokuzithandela yabantu qobo lwabo kumbe yabantu ngokubuka komthetho;

"amagceke" kuchaza nanoma yimuphi umhlaba, amabhilidi noma isakhiwo kumbe ingxenye yomhlaba , yebhilidi kumbe yesakhiwo okwenzelwa kuyo imisebenzi yobuciko kanye namasiko ehanjiswa ngokwale Mithetho yaMasipala noma lapho kwakhiwe khona isikhungo;

"imali enqunyelwe umsebenzi" kuchazwa inkokhelo enqunywa nguMkhandlu izikhathi ngesikhathi kuzinhlelo zawo zezinkokhelo ezimisiwe;

"indawo" kuchazwa indawo lapho amagceke noma amabhilidi oMkhandlu akhiwe khona.

2. Amalungelo kanye nomumo wamaciko

UMkhandlu kumele uwazise amalungelo awo wonke amaciko okwenza uhlobo lobuciko eliwakhethile kanye nelungelo lawo lokukhululek lokubeka imibono ngokukhululeka ngezindlela ezivumelana nokusebenza kwanoma yimiphi eminye imithetho efaneleyo.

3. Ukubambisana phakathi kweMinyango yoMkhandlu

Yonke iMinyango yoMkhandlu enamandla phezu noma enesibopho sanoma insiza yomphakathi yokwenza izinto ezinhlobonhlobo kumele ibambisane neminye iMinyango ekuqinisekiseni ukuthi

(a) leso sikhungo sinakekelwa ngendlela elungele izinhloso esasakhelwe sona noma esisetshenziselwa sona yini; kanye nokuthi

(b) ayikho ingxenye yaleso sikhungo eqashiselwa abantu abangaphezu koyedwa ngesikhathi esisodwa.

4. Ukufaka isicelo sokuqasha izinsiza

(1) Nanoma ngubani ofisa ukufaka isicelo sokuqasha izinsiza kumele–

(a) alethe isicelo sikwifomu elibekelwe lokhu nguMkhandlu,

(b) alethe leso sicelo eMkhandlwini futhi acacise ukuthi ufuna ziphi izinsiza, izihlalo, izindawo zokuhlala, kanye nempahla yokusebenza edingakalayo kanye nesikhathi lapho izakhiwo kanye nezinsiza njengalokhu kushiwo kule ndima zidingeka ngaso;

(c) aqiniseke ukuthi lelo fomu lokufaka isicelo litholwa nguMkhandlu esikhathini esingekho ngaphansi kwamasonto amabili ngaphambi kosuku amagceke kanye nezinsiza kudingwa ngakho okokuqala ngumfakisicelo.

(2) uMkhandlu unganqaba ukuqashisa ngamagceke noma ngezinsiza ngokwesigatshana (1) noma wesule nanoma yikuphi ukubekisa ngendawo okukhona uma-

(a) amagceke noma izinsiza zizosetshenziselwa izinhloso ezingekho emthethweni; kumbe

(b) amagceke noma izinsiza lezo zicelwayo zidingwa nguMkhandlu ngokwemisebenzi kaMasipala ngaikhathi esifanayo.

(3) Asikho isinxephezelo esikhokhwa nguMkhandlu kulowo oqashile ngokulahlekelwa okungenzeka ngokwesizathu soMkhandlu ngokusebenza ngokwesigatshana (2): Ngaphandle uma uMkhandlu ungazithathela isinqumo sokubuyisela yonke inkokhelo ebisikhokhelwe wona maqondana nesicelo.

(4) Isiqashi sinqunyelwe ukusebenzisa izinsiza ezicaciswe encwadini yesicelo futhi akumele sisebenzise ezinye izinsiza singazange sifake isicelo.

(5) Izinsiza kanye nendawo yokuhlala eqashiwe angeke ikwazi ukusetshenziselwa ezinye izinjongo ngaphandle kwalezo ezicaciswe encwadini yesicelo ngaphandle kokutholakala kwemvume ebhaliwe nguMkhandlu kuqala,

(6) Awekho amagceke noma izinsiza eziqashiswe nguMkhandlu ezingasetshenziselwa nanoma yiyiphi inhlobo yokudumisa ngokwenkolo, ngaphandle uma kuqale kwatholakala imvume ebhaliwe yoMkhandlu; inqobo nje uma kungukuthi-

(a) lokhu kusetshenziswa kungenziwa emagcekeni kuphela ngezikhathi ezibalulwe kwinkontileka yokuqasha kumbe encwadini yokugunyaza; futhi

(b)uMkhandlu unelungelo lokungavumi ngphandle uma ugculiseka ukuthi lokho kusetshenziswa angeke, ngesizathu sokucula, ukuhuba, ukuhalalisa, noma ezinye izinhlobo zokudumisa ezibanga umsindo, kube isiphazamiso esingafanele esingaguqula ukuthokoza okujwayelwe ngabanye abahlali basebhilidini noma abahlali bamabhilidi angomakhelwane.

5. Imali Yenkokhelo emisiwe

UMkhandlu unganquma inani elifanele lentela yemisebenzi kanye nezinsiza ezihlinzekwe uMkhandlu ngokwale Mithetho kaMasipala isikhathi ngesikhathi.

6. Ukukhokhwa kwenkokhelo

Akukho muntu ovumelekile ukusebenzisa amagceke noma izinsiza ngaphandle uma imali enqunyiwe isikhokhwe ngokugcwele. UMkhandlu ungakhulula nanoma ubani kumbe inhlangano, ngesihle, ekukhokheni ingxenye noma yonke imali enqunyiwe

7. Isikhathi sokuqasha

Ngaphandle kokumisa nanoma yikuphi okunqunywe nguMkhandlu maqondana nezinsuku kanye nesikhathi amagceke kanye/ noma izinsiza ezingaqashwa ngazo, uMkhandlu ungavumela umqashi ukuba aangene ezinsizeni ngokufanele ngaphambi kosuku lokuqala kwesikhathi sokuqashisa, ukuze umqashi akwazi ukwenza amalungiselelo kanye nohlelo oludingekayo emagcekeni.

8. Ukulungiswa kwesikhathi sokuqasha

(1) Nanoma ubani ofaka isicelo sokusebenzisa amagceke kanye/ noma izinsiza ngokwezihlinzeko zesigaba 4 angafaka isicelo sokuhlehlisa ukubekiswa

kwendawo kuye kolunye usuku, emva kokuvunywa kwesicelo leso kanye nokubekiswa kwalawo magceke, ngaphandle kwenhlawulo noma kokulahlekelwa ilungelo. UMkhandlu ungenqaba ukuhlehlisa uma amagceke kanye/ kumbe izinsiza sezibekelwe ukusetshenziswa omunye umuntu noma abanye ngosuku okuhlehliselwe kulo.

(2) Nanoma yimuphi umuntu osesifakile isicelo sokubekisa amagceke noma izinsiza angahoxisa lokho kubekisa . Kepha- ke, uma -

(a) ukubekiswa kusulwe kusasele inyanga eyodwa noma ngaphezulu ngaphambi kokuqalisa kosuku lokubekisa lokho, umqashi kumele abuyiselwe ngokugcwele imali enqunyiwe ebisikade ikhokhiwe;

(b) ukubekiswa kuhoxiswa ngaphezu kwezinsuku eziyi- 15 kepha ngaphansi kwenyanga eyodwa ngaphambi kosuku lokuqalisa kwalokho kuqasha, umqashi kumele abuyiselwe ama __% email enqunyiwe.

(c) ukubekisa kuhoxiswa eziinsukwini eziyi-15 noma ngaphansi ngaphambi kosuku lokuqalisa ukubekisa lokho, umqashi asinalungelo sobuyiselwa nanoma yiyiphi imali enqunyiwe.

(3) Nanoma ngubani anganezela isikhathi sokuqasha amagceke kanye/ noma izinsiza ngokufaka isicelo esibhalwe phansi kuMkhandlu, inqobo nje uma kungukuthi amagceke lawo kanye / noma izinsiza ezithintekayo ngaleso sikhathi azikabekelwa ukusetshenziswa omunye umuntu noma abantu.

9. Ukuqasha ngokuhlanganyela

(1) UMkhandlu ungaqashisa nanoma yimaphi amagceke kumbe ingxenye yawo kubaqashi abehlukene ukuba bawasebenzise ngezikhathi esifanayo futhi esimweni esinjalo umqashi ngamunye kumele asebenzise zonke izinsiza ezisekelayo ezisetshenziswa yizingxenye ezahlukene zamagceke ngokuhlanganyela nabanye abasebenzisi futhi ngendlela evumela nabanye abaqashi, izivakashi zabo, amakhasimende kanye nabaqaphi abehlukene ukuba bathokozele okusebnzisa izinsiza bngaphandle kokwephula amalungelo okusebenzisa abanye abasebenzisi.

(2) Izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala, zifundwa kanye nezinguquko ezidingekayo, zisebenza kubasebenzisi abahlanganyele bamagceke eqashiwe.

10. Ukuqashisa isibili

Umqashi akanakuqashisa nanoma yimuphi amagceke kumbe izinsiza kunoma yimuphi omunye umuntu noma inhlangano kumbe futhi umqashi akanakunikela, athembise noma ayekele nje ngokusiza omunye umuntu nanoma yimaphi amalungelo noma izibopho zakhe ngaphansi kwale Mithetho kaMasipala kumbe avumele nanoma yimuphi omunye umuntu ukuba asebenzise amagceke ngaphandle kokuqala athole imvume ebhaliwe yoMkhandlu.

11. Isimo samagceke

(1) Umqashi kumele ahlole izinsiza eziqashiwe , kubalwa konke okufakiwe, izinto ezisebenza ngogesi, okwengeziwe, imihlobiso kanye nefenisha ngaphambi kokuba aqale asebenzise lokhu okufakiwe, izinto ezisebenza ngogesi, okwengeziwe, imihlobiso kanye nefenisha, futhi uma umqashi ethola ukuthi kukhona okwalezi zinto ezibaliwe okungekho esimweni esilungile, umqashi kumele abikele uMkhandlu.

(2) Uma iumqashi ehluleka ukuhlola izinsiza ngokwesigatshana (1), noma ehlukeka ukubika nanoma yimuphi umonakalo otholakele, kuyothathwa ngokuthi ngesikhathi umqashi eqala ukusebenzisa izinsiza yonke into emagcekeni ibisesimweni esifanele.

12. Imisebenzi yomqashi

Wonke umuntu oqasha amagceke eMkhandlwini kumele-

(a) athathe zonke izinyathelo ezifanele ukugcina wonke amapayipi okuthutha indle, ompompi bamanzi kanye nemisele engaphakathi kumbe eseva amagceke engenazithiyo ukuvaleka okubangelwa imisebenzi yokuqasha kwakhe;

(b) ngazo zonke izikhathi agcine amagceke ehlanzekile, ecocekile futhi esesimeni esinempilo;

(c) angafaki kumbe anamathisele nanoma yiziphi izaziso kumbe ezinye izinto emagcekeni ngaphambi kokuthola imvume yoMkhandlu: Inqobo nje uma umqashi ezozikhipha zonke izinto ebezinanyathelisiwe ngesikharthi sekuphela ukuqasha kwakhe;

(d)angafiphazi nanoma iluphi ucwecwe lwamawindi engilazi ngokupenda kumbe ngokunye;

(e) angashayisi izindonga kumbe isahlukaniso sezakhiwo noma izicabha zezakhiwo kanye nazo izikafulo kumbe izipikili;

(f) bangashintshi kumbe bagxambukele noma baxhume ngokweqile noma yiziphi izintambo zika gesi ezakhiweni;

(g) bangasusi kumbe bakhiphe ezakhikhiweni nanoma yiyiphi ifenisha kumbe impahla noma eyahlobo luni okungeyoMkhandlu,

(h) bangavimbeli kumbe bagxambukele noma baqgashule imishini ekala izinga lokushisa kumbe imishini yokuletha umoya ezakhiweni kumbe kunoma yiliphi ibhilidi lapho lezi zakhiwo zitholakala khona;

(i) bangasunguli kumbe bafake noma ini engaphephanga noma impahla esindayo,ifenisha,impahla efakelwayo, kumbe impahla ngokombono wesisebenzi esinegunya kungalimaza izakhiwo nanoma yiyiyiphi ingxenye: Uma isisebenzi esinegunya singasungula enye impahla,lezo zimo zifanele ukuqikelela ukuphepha kwezakhiwo kanye nabantu abazisebenzisayo;

(j) bangafaki imishini eletha umoya kumbe izilinganiso zomoya kumbe izinto zokusebenza ezakhiweni ngaphandle kwemvume yoMkhandlu;

(k) bangavumeli ukugcinwa kwezimoto kumbe noma yini esusekayo yanoma yiluphi uhlobo onqenqemeni ngaphandle kumbe ezindaweni zokungena, ehholo ,ezitebhisweni kumbe emaphaseji ezakhiwo;

(l) bangenzi noma yini kwizakhiwo, kumbe bavumele kwenziwe noma yini engahambisani nanoma yimuphi umyalelo ofanele kumbe isivimbelo esikhishwe yisisebenzi ;

(j) bangapaki izimoto kumbe bavumele ukupakwa kwezimoto zezisebenzi zeziqashi, izimenywa, abasebenzeli, abaqondisi kumbe noma abanye abakhulumeli noma yikuphi kwizakhiwo ngaphandle kwezindawo eziklanyelwe ukupaka okufanele kwizakhiwo ezikhonjwe yisisebenzi esinegunya

13. Ukulimala kwesakhiwo

Isiqashi esihluleka ukugcina futhi sinakekele izakhiwo kanye nezinsiza aziqashile kanye nokuzibuyisela kumkhandlu ngendlela ebeziyiyo kanye nesimo ebeziyiso ngesikhathi eziqasha, ngokwengeza kunama yiziphi izixazululo ezikhona kuMkhandlu emthethweni ovamile, ulahlwa yicala futhi uyokhokha nenhlawulo ebalulwe kule Mithetho kaMasipala.

14. Izikhangiso kanye nemihlobiso

(1) Akukho muntu ofake isicelo sokuqasha izakhiwo futhi/kumbe izinsiza bangamemezela emphakathini kumbe bakhangise noma yimuphi umsebenzi kumbe umcimbi oqondene nesicelo sokuqasha izakhiwo futhi/kumbe izinsiza ngokwale Mithetho kaMasipala sezenziwe ngaphambi kokuba uMkhandlu wazise abantu ngokubhalwe phansi ukuthi isicelo sivunyiwe.

(2)Zonke iziqashi kumele, ngaphambi kokuphuma kwizakhiwo ebeziziqashile ekupheleni kwesikhathi sokuqasha kwanoma yisiphi isizathu, zisuse wonke amaphepha ezaziso,izimemezelo, imihlobiso,amafulegi,izibonakaliso,izimpawu nanoma ini enye yokukhangisa kumbe ukukhombisa okwakhiwe kumbe okufakwe uye, futhi alungise noma yimuphi umonakalo owenziwe ilokhu kususa

15. Ukwamukelwa kanye nokudayiswa kwamathikithi

Isiqashi sinomsebenzi wawo wonke amalungiselelo amayelana nokwamukelwa kwamalunga omphakathi kunoma yimiphi imicimbi yamasiko noma eminye kwizakhiwo; kanye nokuhlinzekwa kwabasizi kanye nabanye abantu abadingekayo ukulawula ukwamukelwa kwabantu kwizakhiwo, kanye nokudayiswa kwamathikithi.

16. Ukuminyanisa

(1) Akukho ukuminyaniswa kwezakhiwo kumbe izinsiza eziyovumeleka noma yingasiphi isikhathi ngesikhathi sokenzeka komcimbi wamasiko wesiqashi futhi isiqashi kumele silandele izidingo zoMkhandlu ezinquma inombolo yabantu abavumelekile kwizakhiwo ngesikhathi somcimbi wamasiko.

(2) Ngaphandle kokuhoxiswa kwezidingo ezivamile ezishiwo kwisigatshana soku-(1), isiqashi akumele samukele abanye abantu kwizakhiwo abangaphezu kwenani lezihlalo ezikhona kumbe, lapho indawo yokuhlala ingahlinzekwanga, inani elipheleleyo labantu elinqunywe yisaziso kwizakhiwo kumbe njengoba kubalulwe kwisivumelwano sokuqasha.

17. Ukudayiswa kokudla okubandayo

(1) Akukho muntu ongadayisa ukudla noma iziphuzo ezithambile kunoma yiziphi izakhiwo eziqashiwe ngesikhathi sanoma yimiphi imisebenzi eqashelwe

yona ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi nguMkhandlu.

(2) UMkhandlu ungavumela ukudayiswa kwezidlo ezibandayo noma ukudla yilowo muntu okungenzeka avunyelwe emva kokuthi usuthole isicelo esibhalwe phansi okudasisa lezo zinto, fuithi uMkhandlu kumele unikeze indawo eyanele kulowo muntu osevunyelwe ukudayisa impahla, ifenisha, izinsizakusebenza, okufakiwe kanye nezincwadi ezifanele ezidingekayo kulowo mcimbi kumele zibhekelelwe.

(3) Izihlinzeko zesigatshana soku-(1) kanye (2) azisebenzi lapho ukusatshalaliswa kanye nokudayiswa kwezidlo ezibandayo kumbe ukudla kuyingxenye ebalulekile yemicimbi yamasiko yesiqashi.

(4) Izihlinzeko zesigatshana se-19 (1) kanye (2), ezifundeka noshintsho olufanele, zisebenzamayelana nanoma yikuphi ukulahleka, ukuntshontshwa noma ukulimala okutholwe yisiqashi noma omunye umuntu mayelana nephuzu elishiwo kwisigatshana sesi-(2).

18. Imisebenzi

(1) Ubunjalo bemisebenzi kaMasipala okumele ihlinzekwe kwizinsiza nguMkhandlu, izisebenzi zawo, abakhulumeli abanegunya boMkhandlu kumbe abahlinzeki bemisebenzi ngokubona koMkhandlu

(2) Noma ngabe uMkhandlu kumbe izisebenzi zawo noma abakhulumeli abanegunya kumbe abahlinzeki bemisebenzi yibona ababhekene nokungalethwa kumbe ukungathunyelwa kwezimpahla, izinto ezithunyelwe ngeposi kumbe izinto zesiqashi, futhi yibona ababhekene nanoma yini yesiqashi, izisebenzi zaso, izimenywa, umsebenzeli, iziphathimandla noma abakhulumeli okungenzeka babambise noma bazishiye ezakhiweni noma kunoma iyiphi ingxenye.

(3) UMkhandlu ungazithatha izinyathelo angazibona zinesidingo ngokubona kwawo ukuze kunakekelwe ngendlela futhi kusebenze noma yiziphi izindawo ezijwayelekile ezakhiweni.

(4) Umkhulumeli onegunya woMkhandlu angawuthamela umcimbi wesiqashi ukuqinisekisa ukuthi noma yiziphi izihlinzeko zeMithetho-kaMasipala ziyalandelwa.

(5) Isiqashi asinalo ilingelo lemisebenzi esemthethweni yanoma yisiphi isisebenzi esinegunya kumbe abkhulumeli boMkhandlu abathamela umcimbi

wesiqashi ngokwesigatshana sesi-4.

(6) Isiqashi asinalo ilungelo lokuthola ukuhlanzelwa mahhala noma eminye imisebenzi yoMkhandlu mayelana nemicimbi yesiqashi kusukela ngesikhathi kusalungiselelwa umcimbi noma ngesikhathi umcimbi sewenziwa.

19. Ukusilela amacala lokukhokha

(1) UMkhandlu, izisebenzi zawo kanye nabahlinzeki bemisebenzi abanamacala oku-

(a) ukulimala noma ukulahleka okwenziwe yinoma yimuphi umuntu ngenxa yokwentuleka kumbe ukuphazamiseka kwemisebenzi kaMasipla ezakhiweni noma ngenxa yanoma yisiphi isenzo noma ukusalela engxenyeni yoMkhandlu, izisebenzi zawo, izisebenzi ezinegunya noma abakhulumeli noma abahlinzeki bemisebenzi uma uMkhandlu ubona isidingo sokuphazamisa ukuze ukwazi ukusebenzisa noma yimaphi amalungelo awo kumbe ukuqhuba izibopho zawo *ngaphansi kwale Mithetho kaMasipala kumbe ngaphansi kweminye imithetho* yobuciko;

(b) noma ikuphi ukulahleka, ukuntshontshwa noma ukulimala okwenzeke empahleni edayiswayo, ifenisha, izinsizakusebenza, okufakiwe, izincwadi, amaphepha, izingubo noma ezinye izimpahla zanoma yikuphi ukubaluleka ezigcinwe ezakhiweni eziqashiwe yisiqashi kumbe omunye umuntunoma ngabe kumayelana nebhizinisi esiqashi noma cha;

(c) noma yikuphi ukulahlekelwa okwenzeke kwisiqashi noma omunye umuntu ngokusebenzisa izinsiza ezakhiweni eziqashile kumbe ngenxa yemvula, isichotho,ukubanika,umoya,umlilo,isiphepho, isidumo noma okuphathelene nesiphithiphithi kumbe ukulahleka kwezimpilo kumbe ukulimala kwesiqashi kumbe omunye umuntu ongaphakathi ezakhiweni;

(d) ukulahlekelwa okutholwe yisiqashi noma omunye umuntu ngenxa yanoma yikuphi ukuhluleka noma ukulimala kwanoma yiziphi izinsiza ezakhiweni eziqashiwe: Uma lokho kwahluleka kumbe ukulimala kungenziwanga ngamabomu kumbe iphutha engxenyeni yoMkhandlu,

(2) Zonke iziqashi kumele, ngaso sonke isikhathi sokuphetha isivumelwano sokuqashwa kwezakhiwo kanye/noma izinsiza eziceliwe, zigcwalise bese zisayina

ifomu lokuzazisa elidingwa uMkhandlu ngokusiza uMkhandlu, izisebenzi zawo, kanye nabahlinzeki bemisebenzi.

20. Ukubhidlizwa kwezakhiwo

(1) UMkhandlu ungachitha ukuqashiwa kwezinsiza uma -

(a) izinsiza ziyalinyazwa noma zonakele ngendlela yokuthi ngeke zisakwazi ukusetshenziswa; noma

(b) kunokulimala kwizinsiza ngendlela yokuthi yize isigatshana soku- (1) (a) singasebenzi, izakhiwo esekuthiwe angeke zisasetshenziswa ngenxa yokungatholakali kumbe ukulethwa kwezidingo zemisebenzi kaMasipala noma izinto ezenza kubelula ukuhlala khona; kumbe

(c) kunokubhidlizwa kwezakhiwo ezilimele noma ingxenye yalapho noma kumabhilidi angomakhelwane, noma ngabe izakhiwo eziqashiwe ziyathinteka noma cha futhi uMkhandlu unquma ukungaqhubeki nokuqashisa izakhiwo ukuze baqale ukwakhiwa kabusha , ukulungisa noma ukwakha kabusha kumbe ngezizathu zokuphepha.

(2) Noma yisiphi isinqumo esenziwe ngokwesigatshana soku-(1) kumele saziswe ngokubhalwe phansi nguMkhandlu siya kwisiqashi ngesikhathi esifaneleyo sokwenziwa komcimbi oshiwo esigatshaneni soku-(1) (a) esenza ukuhoxiswa; uma indaba yesaziso sinikeziwe ngokwale sigatshana soku- (1) (b) kanye (c) , leso saziso siyothathwa njengesisebenzayo kusukela kulolo suku ukulimala noma ukubhidlizwa okwenzeke ngalo.

(3) Akukho siqashi esingamangalela uMkhandlu, izisebenzi zawo noma abakhulumeli abanegunya noma abahlinzeki bemisebenzi okuvela

(4) ekulimaleni kumbe ekudilizweni kwezakhiwo kumbe noma yiyiphi ingxenye ngokulahlekelwa kumbe ngokuhlomula kwesiqashi ngezakhiwo.

21. Ukuhoxiswa kwesivumelwano ngenxa yokungalandeli imigomo yaso

UMkhandlu ungachitha ukuqashisa ngezinto zokusiza noma yingasiphi isikhathi uma umqashi ehluleka ukuhambisana nezihlinzeko ngokwale Mithetho -

kaMasipala futhi uMkhandlu awunacala lokulimala noma lokulahleka okwenziwe yinoma yimuphi umuntu ngenxa yokuhoxiswa kwesivumelwano. Esimeni salokho kuhoxiswa, uMkhandlu awuvimbekile ukusebenzisa amalungelo awo kanye nezikhalo uMkhandlu ongaba unazo esiqashini ngaphansi kwanoma yisiphi isihlinzeko ngokwale Mithetho kaMasipala kumbe ngokomthetho ojwayelekile.

22. Ukuvalwa kokuqasha

(1) Phezu kokuvalwa kwesikhathi sokuqasha nganoma yisiphi isizathu. Isiqashi kumele siphindise izakhiwo kanye nezinsiza zisesimeni esihle nesifanele eMkhandlwini futhi uma kukhona ezilimele noma eziphukile kumele sizenze sibe zinhle futhi sizikhande ngezindleko zaso noma okunye esingakwenza ukuhlawula kuMkhandlu ngesamba esithile sokuzibuyisela, nokukhanda kumbe ukubuyisela izimpahla eziphukile, ezilimele kumbe ezilahlekile

(2) Zonke iziqashi kumele zaphume kwizakhiwo eziziqashile uma kuphela isikhathi sokuqasha njengoba kubhaliwe kwifomu lesicelo kumbe kwinkontileka yokuqasha. Uma umqashi ehluleka ukulandela izihlinzeko zalesigatshana, uMkhandlu uyoba nelungelo lentela ephinde yanqunywa yesikhathi esingeziwe ngesikhathi umqashi eqhubeka ehlala kwisakhiwo emuva kokuphela kwesikhathi sokuqasha. Izihlinzeko zale sigatshana azivimbeli uMkhandlu ukuba uthathe izinyathelo zomthetho ukuthola incwadi ekhipha noma yisiphi isiqashi kwizakhiwo

(3) Zonke iziqashi kumele zilandele yonke imiyalelo efanele nesemthethweni mayelana nokuhlanzwa kwezinsiza kusebenza uma kuphuma iziqashi kwizakhiwo.

(4) Zonke iziqashi kumele zilandele yonke imiyalelo efanele nesemthethweni yoMkhandlu mayelana nokuphuma kwizakhiwo kanye nokuphindisa izinsiza kusebenza

23. Izingozi zomlilo kanye nomshwalense

(1) Iziqashi kunoma yisiphi isikhathi akumele alethe kumbe avumele ukulethwa kumbe ukugcinwa kwezinto kwizakhiwo, noma enze kumbe avumele ukuba kwenziwe kwizakhiwo, noma yini, into kumbe umsebenzi lapho umlilo

kumbe umshwalense webhilidi elithintekayo ungasasebenzi lapho inkokhelo yalowo mshwalensi isikhushuliwe.

(2) Uma inkokhelo yomshwalense ikhushulwa ngenxa yanoma yimuphi umthetho kumbe ukushiya okuningwe kwisigatshana soku-(1), uMkhandlu, ngokubona kwawo, ungavumela lomsebenzi futhi umqashi angabuyisela inani elifanele mayelana nanoma yiyiphi inkokhelo eyengeziwe kumshwalense futhi umqashi kumele alikhokhe leli nani ngokuphuthuma ngokwaziswa uMkhandlu kumbe inkampani yomshwalense kusukela inkokhelo seyengeziwe .

(3) UlMkhandlu kunoma esiphi isikhathi ngokubona kwawo ungadinga umqashi ukuba athathe umshwalense wezakhiwo eziqashiwe enkampanni yomshwalense egunyazwe uMkhandlu, ukuzivikela ekulahlekeni kumbe ekulimaleni okungenziwa umlilo kumbe ongadalwa yinoma yini ngesikhathi somcimbi lapho izimpahla ziqashiwe

24. Izinto zokugcina

UMkhandlu awubhekene nokuhlinzeka ngezinsiza zokugcina impahla yomqashi, kumbe izisebenzi zomqashi, izivakashi, abasekeli kumbe abasebenzeli nganoma yisiphi isikhathi ngaphambi, ngesikhathi kumbe emuva komcimbi yamasiko

25. Izinsiza kusebenza

Umqashi odinga uMkhandlu umnikeze noma yiziphi izinsiza kusebenza azozisebenzisa ngesikhathi somcimbi, angazisebenzisa lezo zinsiza kuphela ngemvume yoMkhandlu futhi ngokuqashwa yisisebenzi esinegunya. Uma umqashi enza umonakalo kwizinsiza kumbe esuse kumbe edala ukuba impahla isuswe kwizakhiwo ngaphandle kwemvume kumbe, isuswe ngemvume, ahluleke ukuyibuyisela, umqashi kumele azilungise kumbe akhokhe imali yokuzibuyisela.

26. Ilungelo lokungena

(1) Kuncike kwizihlinzeko ezisebenza kumthetho kazwelonke kanye nakwiSifundazwe, uMkhandlu noma umkhulumeli onegunya woMkhandlu kumbe umhlinzeki womsebenzi angangena ezakhiweni ngazo zonke izikhathi ezifanele-

(a) ukuzohlola izakhiwo nokuzoqhuba ukulungisa noma ukushintsha noma ukungeza noma ukuguqula kumbe ukuthuthukisa ezintweni zokusiza noma ezakhiweni.

(b) ukuze kuqinisekiseke ukuthi izimo zokuqasha izakhiwo kanye nezihlinzeko zale Mithetho - kaMasipala ziyalandelwa.

(2) Umqashi akanakumangalela ukuncipha kwenkokhelo ekhokhelwa ukuqasha izinto zokusiza, isinxephezelo, umonakalo, kanye nokunye okumayelana nokusetshenziswa kwamalungelo oMkhandlu ngaphansi kwalesi gatshana (1).

(3) UMkhandlu, umkhulumeli onegunya woMkhandlu noma umhlinzeki womsebenzi unelungelo lokumisa isibhaxa sokukhwela, ukuqongelela kanye nezinto zokusebenza ebhilidini ngaphakathi, eduze,noma ngaphambi kwezakhiwo kanye nakwezinye iziceba ezidingwa umthetho kumbe ezingalungiswa abaklami bokwakhiwa kwezindlu boMkhandlu uma kunesidingo sokuqhuba lokho kulungiswa okuningwe kwisigatshana soku-(1)(a)

27. Ukuhlola

Ngasekugcineni kwemisebenzi yomqashi nangasekupheleni kwesikhathi sokuqasha kumbe ekupheleni kokuqasha ngaphansi kobuciko bezihlinzeko zale Mithetho kaMasipala, umkhulumeli onegunya woMkhandlu kanye nomqashi kumbe lowo amkhethile kumele bahlole izakhiwo kanye nezinto zokusiza eziqashiwe , ngenhloso yokuhlola noma yimuphi umonakalo noma ukulahlekelwa.

28. Imithethonqubo

Umqashi kumele alandele imithethonqubo yoMkhandlu elawula ezokuvikela umlilo okungenziwa isikhathi ngesikhathi mayelana nezakhiwo.

29. Inkathazo

(1) Akukho muntu ozothamela umcimbi wamasiko ezakhiweni eziqashiwe ongaziphatha ngendlela engenanhlonipho, nenyanyisayo kumbe abange inkathazo kumbe ukucanuka kwabanye abantu abangaphakathi noma abasebenzisa izakhiwo kumbe kubahlali bezinye izingxenye zebhilidi kumbe

amabhilidi angomakhelwane.

(2) Isisebenzi esinegunya soMkhandlu nganoma yisiphi isikhathi somcimbi wamasiko omqashi, singalayela umqashi ukuthi akasuse noma ubani emagcekeni obonakalayo ukuthi udakiwe futhi oziphethe ngendlela engafanele nenyanyekayo kwabanye abantu abangaphakathi noma abasebenzisa izakhiwo kumbe kubahlali bezinye izingxenye zebhilidi kumbe amabhilidi angomakhelwane-

(3) Isisebenzi esinegunya soMkhandlu, nganoma isiphi isikhathi somcimbi wamasiko omqashi, singalayela umqashi ukuvikela ukungena kwezimpahla eziqashwe yinoma yimuphi umuntu odakiwe futhi oziphatha ngendlela engamukelekile kumbe ngendlela enyanyisayo kumbe owenza inkathazo kumbe ocasula abanye abantu ngaphakathi kumbe abasebenzisa izakhiwo, kumbe abahlali bezinye izindawo zebhilidi kumbe amabhilidi angomakhelwane.

30. Amacala kanye Nezinhlawulo

Noma yimuphi umuntu-

(a) owaphula kumbe ohluleka ukulandela noma yiziphi izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala;

(b) ohluleka ukulandela noma yisiphi isaziso esikhishwe ngokwale Mithetho kaMasipala;

(c) ohluleka ukulnandela noma yimuphi umyalelo opsemthethweni onikezelwe ngokwale Mithetho kaMasipala, kumbe

(d) othiya kumbe ovimbela noma yimuphi umkhulumeli onegunya kumbe isisebenzi soMkhandlu ekwenzeni imisebenzi yaso ngaphansi kwale Mithetho kaMasipala- ulahlwa yicala futhi uyokhokha inhlawulo engeqile kwizi -R2000.00 kumbe ngephutha lokungakhokhi angavalelwa etilongweni isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyishumi nambili.

31. Ukushayisana kweMithetho

Uma kukhona ukushayisana phakathi kwale Mithetho kaMasipala kanye nanoma yimiphi eminye imithetho kamasipala woMkhandlu emayelana nokuqasha kanye nokusetshenziswa kwezinsiza zomphakathi, ubuciko kanye nobuciko, le Mithetho kaMasipala yiyona eyosebenza.

UMkhandlu Kamasipala wase-Richmond, osebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, sifundwa ngokuhlanganyelwa nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo Zikamasipala, wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), lapha ushicilela iMithetho Kamasipala ebhekele ukuLawulwa Nokuqoqwa Kwezikweletu.

IMITHETHO KAMASIPALA YOKULAWULWA NOKUQOQWA KWEZIKWELETU

ISAHLUKO 1

1. Izincazelo

Ngokwenhloso yale Mithetho Kamasipala, nanoma yiliphi igama noma isisho esinikezwe incazelo eMthethweni kumele sibe nencazelo efanayo kule mithetho kamasipala ngaphandle uma ingqikithi ikhomba okunye-

"i-akhawunti" kusho nanoma yiyiphi i-akhawunti ekhishwa ngemisebenzi esuke ihllinzekelwe umasipala:

"uMthetho" kusho oHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo Zikamasipala wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), njengokokuchitshiyelwa kwawo izikhathi ngezikhathi;

"okuyikhona okusetshenzisiwe" kusho isikalo sokusetshenziswe sanoma yiliphi ikhasimende;

"izinhlawulo ezifanele" kusho inani, inhlawulo, intela, inani elilingene kumbe imali yokwelekelela enqunywa ngumkhandlu kamasipala;

" isilinganiso sokusetshenzisiwe" kusho isilinganiso sokusetshenzisiwe sekhasimende ngemisebenzi kamasipala ngesikhathi esithile, lokhi okusetshenzisiwe kubalwa ngokwahlukanisa ngokuthathu isamba sesikalo sokusetshenzisiwe saleyo misebenzi kamasipala esikhathini esiyizinyanga ezintathu ezandulele;

" **isivumelwano"** kusho ubudlelwano ngokwesivumelwano phakathi kukamasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kanye nekhasimende, singaba ngesibhaliwe noma esicatshangwayo

" **indawo yokusabalalisa"** kusho nanoma yiyiphi indawo eyenganyelwe ngumasipala lapho kuhlinzekwa khona umsebenzi noma imisebenzi kamasipala;

" **ukwedlulelwa yisikhathi**" kusho nanoma yisiphi isamba semali engakakhokhwa, ekweletwayo noma okumele ikhokhwe yikhasimende maqondana nemisebenzi kamasipala engakhokhiwe ngosuku olungumnqamulajuqu;

" **isithunywa esigunyaziwe"** kusho –

(a) nanoma yimuphi umuntu ogunyazwe nguMkhandlu ukwenza nanoma yisiphi isenzo noma umsebenzi ngokokusetshenziswa kwamandla ngaphansi noma ngokwale mithetho kamasipala; kanye / noma

(b) nanoma yimuphi umuntu onikezwe nguMkhandlu amandla okusebenzisa amalungelo athile, imisebenzi kanye nezibopho ezithile maqondana nokuhlinzeka ngemisebenzi yemali eyinzuzo; kanye/ noma

(c) nanoma yimuphi umuntu oqokwe nguMkhandlu ngokwesivumelwano esibhaliwe njengohlinzeka ngomsebenzi ukuba ahlinzeke ngemisebenzi yemali eyinzuzo kumakhasimende egameni lawo kuye ngokwegunya;

"ikhasimende lezohwebo" kusho ikhasimende ngaphandle kwekhaya kanye nabathengi abahlwempu, kubandakanya ngale kwemikhawulo, ibhizinisi, uhulumeni kanye namakhasimende ezezinhlangano;

"ukuxhumana" kusho indawo lapho ikhasimende likwazi ukufinyelela khona emisebenzini kamasipala;

" **uMkhandlu"** kusho uMasipala wase-Richmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo masipala noma

iKomidi Elilawulayo kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenzisa ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kanjalo nanom a yisiphi isikhulu esinikezwe nguMkhandlu amandla nomsebenzi maqondana nale mithetho kamasipala;

" ikhasimende" kusho umuntu ongene esivumelwaneni nomasipala kumbe isithunywa esigunyaziwe maqondana nokuhlinzekwa kwemisebenzi kamasipala.

" ongakhokhile" kusho ikhasimende elikweleta imali esidlulelwe yisikhathi;

"usuku olungujuqu" kusho usuku lapho imali okumele ikhokhelwe ama-akhawunti iqala khona ukuba yisikweletu futhi kumele ikhokhwe yikhasimende, lolo suku akumele yisikhathi esiyizinsuku eziyi- 14 emva kosuku lokukhokhwa kwe-akhawunti;

" isimo esiphuthumayo" kusho nanoma yisiphi isimo okuthi uma sivunyelwa ukuthi siqhubeke sidale ubucayi kumbe okungenzeka kube bucayi kwezezimali zikamasipala kumbe emisebenzini ethile kamasipala;

" isilinganiso sokusetshenzisiwe" kusho okucatshangwa ukuthi kusetshenziswe yikhasimende elingazange likalelwe elikusebenzisile ngesikhathi esithile, leso silinganiso sokusetshenzisiwe kuvamise ukunqunywa ngokubhekelela okungenani ukusetshenziswa kwemisebenzi kamasipala ezingeni elithile lomsebenzi ngesikhathi esithile endawe yokusabalalisa kamasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe;

" ikhasimende lendlu" kusho ikhasimende elihlala endlini esakhiweni sokuhlalisa abantu;

" ukuxhuma ngokungemthetho" kusho ukuxhumana kunoma yiluphi uhlelo okuhlinzekwa ngalo imisebenzi ngokungemthetho kumbe okungavunywanga ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe;

" ikhasimende elihlwempu" kusho ikhasimende lendlu elivumelekile futhi elibhalisile kumasipala ngokuthi liyahlupheka ngokokuhambisana nale mithetho kamasipala;

" izindleko zezomthetho" kusho izindleko zezomthetho ngokwesikalo samakhasimende abameli;

" imenenja kamasipala" kusho umuntu oqokwe ngumkhandlu kamasipala njengemenenja kamasipala ngokwesigaba 82 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlaka zikaMasipala we- 1998 (uMthetho No. 117 we- 1998) futhi kubandakanya nanoma ngubani-

(a) obambe kuleso sikhundla; futhi

(b) onikezwe yimenenja kamasipala amandla noma umsebenzi maqondana nalawo mandla noma umsebenzi onikezelwe;

"imisebenzi kamasipala" ngokwezinhloso zale mithetho kamasipala kusho nanoma yimiphi imisebenzi ehlinzekwa ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe, kubandakanya imisebenzi yokuthuthwa kukadoti, yokufakelwa kwamanzi, yokuthuthwa kwendle, kanye nekagesi;

"ohlala khona" kubandakanya nanoma yimuphi umuntu okunguyena ohlala okwangempela kuleyo ndawo ngale kokuthi aze abe netayitela lalapho ehlala khona, futhi esimweni lapho igceke lihlukanisiwe lavulelwa ukuqashisa, kuhlanganisa nomuntu owamukela imali yerenti ekhokhwa ngabaqashile kungaba kweyakhe i-akhawunti noma eyesithunywa somuntu onelungelo lendawo;

" umnikazi" kusho

(a) umuntu onikezwe itayitela lendawo ngokomthetho;

(b) esimweni lapho umuntu onikezwe itayitela lendawo ngokomthetho esenenkinga yokukhokha izikweletu noma eshonile, kumbe ephila nanoma yisiphi isimo sokukhubazeka ngokomthetho, lowo muntu onikezwe ukuphathwa kanye nokulawulwa kwalawo magceke egunyazwe njengomgcini, olawula izimali

ezisesikhwameni esithile egameni lomunye, obhekele, umphathi, imenenja yezomthetho, umqoqi wezikweletu kumbe omunye ummeli ngokomthetho;

(c) kunoma yisiphi isimo lapho umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe singakwazi ukuhlonza lowo muntu, umuntu onelungelo lokuhlomula ekusebenziseni leyo ndawo noma isakhiwo noma izakhiwo lezo;

(d) emagcekeni okunesivumelwano sokuqashiselana seminyaka engama- 30 noma ngaphezulu okungenwe kuso, nalowo oqashile;

(e) maqondana -

(i) nesiqephu somhlaba esicaciswe ngomdwebo epulanini yesakhiwo erejistwe ngokoMthetho Wamatayitela Ezingxenye Zezindawo, we-1986 (uMthetho No. 95 we- 1986), umthuthukisi noma inhlangano ebhekele inhlalakahle maqondana nesakhiwo; noma

(ii) ingxenye njengoba kuchaziwe eMthethweni Wamatayitela Ezingxenye Zezindawo, we- 1986 (uMthetho No. 95 we- 1986), umuntu okubhaliswe ngegama lakhe itayitela laleyo ngxenye futhi kubandakanya nesithunywa salowo muntu esiqokwe ngokomthetho; noma

(f) umuntu ohlala kulowo mhlaba ongaphansi kwerejista eyenganyelwe ubukhosi;

" umuntu" kusho nanoma yimuphi umuntu, umkhandlu noma isigungu sohulumeni basekhaya, inkampani noma umfelandawonye ovunywe ngaphansi kwanoma yimuphi umthetho, isigungu sabantu esivunyiwe noma esingavunyiwe, isigungu sezomthetho, isigungu sokusebenza komphakathi, inhlangano ezinikele kumbe isikhwama;

" isaziso somphakathi" kusho umbhalo odluliswe ngendlela efanele ongahlanganisa okunye kwalokhu okulandelayo(okukodwa noma nangaphezulu):-

(a) umbhalo wesaziso, ngezilimi ezisemthethweni ezinqunywe ngumkhandlu kamasipala,

(i) ephephandabeni lendawo noma emaphephandabeni asendaweni kamasipala; noma

(ii) ephephandabeni noma emaphephandabeni azungeza endaweni kamasipala anqunywe ngumkhandlu kamasipala njengamaphephandaba erekhodi; noma

(iii) ngokukhishwa emsakazweni olalelwa endaweni kamasipala; noma

(iv) ngokukhangisa isaziso emahhovisi afanele nasezindaweni zikamasipala noma zezithunywa zawo ezigunyaziwe okuholwa kuzo; noma

(b) ukuxhumana namakhasimende ngokubamba imihlangano yomphakathi kanye neyekomidi lesigceme;

"okusetshenziswe ngokuhlanganyela" kusho ukusetshenziswa okwenziwa yikhasimende lezidingo zikamasipala ngesikhathi esithile, lokho kusetshenziswa kubalwa ngokuhlukanisa isamba samamitha asebenzile alowo msebenzi kamasipala kuleyo ndawo yokusabalalisa lapho kwakhe khona ikhasimende ngaleso sikhathi ngenani lamakhasimende akhele leyo ndawo yokusabalalisa ngaleso sikhathi;

"**umsebenzi oxhaswe ngemali**" kushoumsebenzi kamasipala ohlinzekelwa ikhasimende njengezinga elifanele elingaphansi kwezindleko zokuhlinzekwa kwangempela komsebenzi kuhlanganisa imisebenzi ehlinzekelwa amakhasimende mahhala;

"**indawo yokusabalalisa** " kusho indawo, enqunywa ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe, lapho kuhlinzekelwa khona wonke amakhasimende ngemisebenzi kusukela emthamweni ofanayo wokusabalalisa, kanti

" **imisebenzi engagunyaziwe**" kusho ukwamukela noma ukusebenzisa nanoma yimiphi imisebenzi engahambisani nesivumelwano noma engagunyaiwe kumbe engavunywanga ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe.

ISAHLUKO 2
UKUHLINZEKWA KWEMISEBENZI KAMASIPALA KUMAKHASIMENDE NGAPHANDLE KWALAWO AHLWEMPU

Ingxenye 1: Ukufakwa kwesicelo seMisebenzi Kamasipala

2. Ukufaka isicelo semisebenzi

(1) Ikhasimende elikulungele ukubizwa ngekhasimende elihlwempu kumele lifake isicelo semisebenzi njengoba ibekiwe eSahlukweni se-4 ngenzansi.

(2) Akekho umuntu oyoba nelungelo lokufinyelela emisebenzini kamasipala ngaphandle kokuthumela isicelo futhi sivunywe ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe;

(3) Uma, ekuqaliseni kokusebenza kwale mithetho kamasipala noma nganoma yisiphi esinye isikhathi, imisebenzi kamasipala ehlinzekwa iphinde yamukelwe ngaso futhi kungekho sivumelwano esibhaliwe esikhona maqondana naleyo misebenzi, kuyocatshangwa ukuthi-

(a) isivumelwano ngokwesigatshana (7) sikhona; futhi
(b) izinga lomsebenzi ohlinzekiwe kulawo makhsimende yizinga lemisebenzi eqokiwe,

kuze kufike isikhathi lapho ikhasimende lingena khona esivumelwananeni ngokwesigatshana (2).

(4) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele lapho kunesicelo sokuhlinzekwa kwemisebenzi kamasipala azise umfakisicelo ngamazinga emisebenzi abevele ekhona kanye nentela kanye/noma inhlawulo ehambelana nezinga ngalinye lomsebenzi.

(5) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziweuphoqeleke kuphela ukuhlinzeka izinga elithile lomsebenzi eliceliwe uma umsebenzi usaqhubeka nokuhlinzekwa futhi uma umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe unezinsizakusebenza kanye nekhono lokuhlinzeka lelo zinga lomsebenzi.

(6) Ikhasimende lingafaka isicelo nganoma yisiphi isikhathi ukuguqula izinga lomsebenzi oqokiwe ngokwesivumelwano elingene kuso, inqobo uma lelo zinga lomsebenzi elicelwayo likhona nokuthi nanoma yiziphi izindleko ezihambisana nokuguqulwa kwezinga lemisebenzi zikhokhwwa yikhasimende.

(7) Isicelo semisebenzi esithunyelwe yikhasimende esivunywe ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele sibe nesivumelwano phakathi kukamasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kanye nekhasimende futhi leso sivumelwano kumele siqale ukusebenza ngosuku okukhulunywe ngaso kumbe esichazwe kuleso sivumelwano.

(8) Uma kugcwaliswa ifomu lokufaka isicelo semisebenzi kamasipala, umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele aqinisekise ukuthi umbhalo kanye nohlelo lokuxhumana nomnikazi, ikhasimende kumbe nanoma yimuphi omunye umuntu owenza leso sicelo uqondwa kahle ngumnikazi, ikhasimende kanye nanoma yimuphi omunye umuntu bese umeluleka ngezinto angakhetha kuzo ukubhalisa njengekhasimende elihlwempu.

(9) Esimweni lapho kunabantu abangakwazi ukufunda nokubhala noma ababencishwe amathuba, umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele uthathe izinyathelo ezifanele ukuqinisekisa ukuthi lowo muntu uyazi futhi uyakuqonda okuqukethwe yifomu lokufaka isicelo futhi kumele amlekelele ekugcwaliseni lelo fomu.

(10) Imisebenzi kamasipala enikezelwa kumakhasimende iya ngokwezihlinzekelo zale mithetho kamasipala, nanoma yimiphi imithetho kamasipala esebenzayo kanye nemibandela equkethwe esivumelwaneni.

(11) Uma umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe-

(a) usinqaba isicelo sokuhlinzeka ngemisebenzi kamasipala noma umsebenzi othile kumbe izinga lomsebenzi;

(b) ungakwazi ukwenza leyo misebenzi noma umsebenzi othile kumbe izinga lomsebenzi ngosuku olucelelwe ukuthi kuqale ukuhlinzekwa; noma

(c) ungakwazi ukunikezela ngemisebenzi kamasipala noma umsebenzi othile kumbe izinga lomsebenzi,

umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele, ngesikhathi esifanele, wazise ikhasimende ngalokho kwenqaba kanye/noma ukungabi namandla okwenza, isizathu salokho futhi, uma sikhona, uma umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe uzokwazi ukuhlinzeka ngaleyo misebenzi kamasipala noma umsebenzi othile kumbe izinga lomsebenzi.

3. Izivumelwano eziyisipesheli zemisebenzi kamasipala

Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ungangena esivumelwaneni esiyisipesheli sokuhlinzekwa kwemisebenzi kamasipala nalowo ofake isicelo-

(a) endaweni yokusabalalisa, uma imisebenzi kamasipala efakelwe isicelo ukuze ivulele ukubekwa kwemibandela engekho efomini elisetshenziswayo noma kule mithetho kamasipala;

(b) othola imisebenzi exhaswe ngezimali; futhi

(c) uma amagceke okumele athole lowo msebenzi akhiwe ngaphandle kwendawo yokusabalalisa, inqobo nje uma umasipala owengamele lawo magceke engaphikisani naleso sivumelwano esiyisipesheli. Isibopho siba ekhasimendeni ukuba lazise umasipala oqondene ngaleso sivumelwano esiyisipesheli.

4. Ushintsho enhlosweni yokusetshenziswa kwemisebenzi kamasipala

Lapho inhloso noma izinga lokusetshenziswa kwemisebenzi kamasipala lishintshile, kuba ngumthwalo nesibopho sekhasimende ukwazisa umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ngalolo shintsho kanye nokungena esivumelwaneni esisha nomasipala kumbe isithunywa sawo esigunyaziwe.

Ingxenye 2: Izinhlawulo ezisebenzayo

5. Izinhlawulo ezisebenzayo zemisebenzi kamasipala

(1) Zonke izinhlawulo ezisebenzayo ezikhokhelwa imisebenzi kamasipala, kubandakanya kodwa yize kungenamkhawulo wokukhokhwa kwezinhlawulo zokuxhuma, inhlawulo engaguquki noma inhlawulo eyengeziwe kumbe inzalo izobekwa ngumkhandlu ngokuhambisana -

(a) nenqubomgomo yentela kamasipala kanye nentela;

(b) nenqubomgomo yokulawula nokuqoqwa kwezikweletu;

(c) nanoma yimiphi imithetho kamasipala ngesimo sayo; kanye

(d) nanoma yimiphi imithethonqubo ngokwemthetho kazwelonke neyesifundazweni.

(2) Izinhlawulo ezisebenzayo zingahluka phakathi kwemikhakha yamakhasimende, abasebenzisi bemisebenzi, izinhlobo namazinga emisebenzi, ubuningi bemisebenzi, isidingo sengqalasizinda kanye nengezimo zezindawo.

(3) Imisebenzi iyomiswa ngenxa yokungakhokhwa ngokwemigomo nemibandela njengoba kubekiwe kwinqubomgomo yokulawulwa nokuqoqwa kwezikweletu.

(4) Ukuhlehliswa kokukhokhelwa kwama-akhawunti emisebenzi kunganikezwa amakhasimende ngokwamandla omkhandlu owanikiwe kanye nemibandela egunyaziwe kunqubomgomo yokulawula nokuqoqwa kwezikweletu.

(5) Umasipala angahlanganisa nanoma yiziphi izikweletu ezihlukene zababantu okumelwe bakhokhele umasipala futhi angaveza ukukhokhwa kwayo yonke imali eyamukelwe kulowo muntu yanoma yimuphi umsebenzi kanye nendlela yokwenza umsebenzi njengoba kunqunywe ngumkhandlu izikhathi ngezikhathi kwinqubomgomo yawo yokulawulwa nokuqoqwa kwezikweletu.

6. Izinhlawulo ezikhona zemisebenzi kaMasipala

UMkhandlu, ngaphezu kwentela noma inhlawulo ebekelwe imisebenzi kamasipala ehlinzekiwe ngempela, ungabeka inhlawulo engaguquki yanyanga zonke, inhlawulo engaguquki yaminyaka yonke noma inhlawulo eyisamba engaguquki ekhokhwa kanye lapho kunemisebenzi kamasipala khona, noma ngabe leyo misebenzi isetshenziswe noma cha.

7. Imisebenzi exhaswe ngezimali

(1) UMkhandlu ungaqalisa ukusebenza koxhaso lwezimali lwemisebenzi kamasipala izikhathi ngezikhathi futhi kuhambisane nenqubomgomo kazwelonke kodwa kuye ngemigomo yokuzinzisa kanye nokukwazi ukwenzeka ngokukhipha isaziso somphakathi.

(2) UMkhandlu ekuqaliseni ukusebenzisa uxhaso lwezimali, ungahlukanisa phakathi kwezinhlobo zamakhasimende ezindlu, izinhlobo kanye namazinga emisebenzi, ubuningi bemisebenzi, izimo zezindawo kanye nezimo zezommnotho womphakathi.

(3) Isaziso somphakathi ngokwesigatshana (1) kumele sibe okungenani nale minininingwane elandelayo maqondana noxhaso lwemali oluthile:

(a) Amakhasimende ezindlu azohlomula oxhasweni lwemali;

(b) uhlobo, izinga nobuningi bomsebenzi kamasipala ezoxhaswa ngemali;

(c) indawo lapho uxhaso lwemali luzosebenza kuyo;

(d) intela kamasipala (ekhomba izinga loxhaso lwemali);

(e) indlela yokuqalisa kokusebenza koxhaso lwemali; kanye

(f) nanoma yimiphi eminye imigomo nemibandela eyisipesheli ezosebenza oxhasweni lwemali.

(4) uma ukusetshenziswa kwemisebenzi kamasipala yikhasimende lendlu-

(a) kungaphansi komsebenzi oxhaswe ngemali, ingxenye engasetshenzisiwe angeke iqongelelwe yikhasimende futhi angeke inike ikhasimende ilungelo lokuthola imali ewukheshi noma ukubuyiselwa imali maqondana nengxenye engasetshenzisiwe; futhi

(b) imisebenzi exhaswe ngemali yeqile, ikhasimende liyona nesibopho sokukhokhela lokho kusetshenziswa okweqile ngenani elifanele.

(5) ukuqalisa kokusebenza koxhaso lwemali ngokwesigatshana (1) kungahoxiswa kumbe kuguqulwe nganoma yisiphi isikhathi ngokokubona koMkhandlu kuphela, emva-

(a) kokunikezelwa kwesaziso njengoba kuningwe esigabeni 115 soMthetho kumuntu othintekayo ngokuhloswe ngumkhandlu ukubhekela lokho kuhoxiswa noma ukuguqulwa; kanye

(b) nokubhekela koMkhandlu kwanoma yimiphi imibono noma izicelo ezamukelwa kumuntu othintekayo.

(6) Amakhasimende ezindlu angeke avumeleke ukuthola imisebenzi exhaswe ngemali.

(7) Imisebenzi kamasipala exhaswe ngemali kumele iyonikwa imali ethathwe engxenyeni yemali engenile eqongelelwe kuzwelonke eyabelwe umasipala futhi uma lokho kulekelewa ngemali kungenele, imisebenzi ingalekelelwa ngemali ephuma emalini engenile etholakale ngentela kamasipala, izimali kanye nezinhlawulo maqondana nemisebenzi kamasipala.

8. Igunya lokubuyisa izindleko nezinhlawulo ezengeziwe

(1) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe, ngale kwezihlinzekelo zanoma yisiphi isigaba esiqukethwe kule mithetho kamasipala, unegunya lokubuyisa nanoma yiziphi izindleko ezengeziwe okungenwe kuzo maqondana nokuqalisa kokusebenza kwale mithetho kamasipala kwi-akhawunti yekhasimende, kuhlanganisa nalokhu okulandelayo yize kungenamkhawulo –

(a) zonke izindleko zezomthetho, kubandakanya abameli kanye nezindleko zamakhasimende (clients) ezidaleke ngokubuyiswa kwezimali esezidlulelwe yisikhathi zizothathwa kwi-akhawunti yekhasimende ezidlulelwe yisikhathi; kanye/noma

(b) izindleko ezisemqoka ezidaleke maqondana nanoma yisiphi isinyathelo esithathwe kufunwa inkokhelo ekhasimendeni noma kukhunjuzwa ikhasimende, ngocingo, ngefeksi, nge-imeyili, ngencwadi noma ngenye indlela.

INGXENYE 3: UKUKHOKHA

9. Ukukhokhwa kwemali eyisibambiso (deposit)

(1) UMkhandlu unganquma ngezikhathi ngezikhathi, imali eyisibambiso ehlukene ngemikhakha ehlukene yamakhasimende, abasebenzisi bemisebenzi, abakweletayo, imisebenzi kanye namazinga omsebenzi, ngaphandle uma imali eyisibambiso ingeke ibe ngaphezu kokubili enanini lemali yalokho

kusetshenziswa kwenyanga okusanda kukalwa emagcekeni lawo afakelwe isicelo.

(2) Ikhasimende kumele esicelweni sokuhlinzekwa ngemisebenzi kamasipala futhi nangaphambi kokuba umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe uhlinzeke ngaleyo misebenzi, likhokhe imali eyisibambiso, uma umkhandlu kamasipala sewuyinqumile imali eyisibambiso.

(3) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ungabuyekeza minyaka yonke imali eyisibambiso ekhokhwa ngokwesigatshana (2) futhi ngokuhambisana nalokho kubuyekezwa kudingeka ukuthi isamba esengeziwe sifakwe ebhange yikhasimende uma imali eyisibambiso ingaphansi kwaleyo esanda kunqunywa nguMkhandlu.

(4) Uma ikhasimende lisilele emuva ngokukhokha, umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ungafuna ukuthi ikhasimende -

(a) likhokhe imali eyisibambiso uma lelo khasimende lalingazane licelwe ukuba likhokhe imali eyisibambiso phambilini; futhi

(b) likhokhe imali eyisibambiso eyengeziwe lapho imali eyisibambiso ekhokhwe yikhasimende ingaphansi kwaleyo esanda kunqunywa nguMkhandlu.

(5) Kuya ngokwesigatshana (7), imali eyisibambiso ngeke ithathwe njengekhokhela i-akhawunti.

(6) Ayikho inzalo okumele ikhokhwe ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kunoma iyiphi imali eyisibambiso ebanjiwe.

(7) Imali eyisibambiso, uma ikhona, iyabuyiselwa kwikhasimende lapho sekumiswa isivumelwano. Imali eyisibambiso iyacwila kumasipala uma ingazange ibizwe yikhasimende ezinyangeni eziyi-12 kumiswe isivumelwano

10. Izindlela zokunquma izamba zemali ekweletwayo nekhokhwayo

(1) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele maqondana nemisebenzi kamasipala engakalwa ngamamitha, uzame kanzima ukukala ngamamitha usebenzisa imali nezisebenzi ezikhona konke ukuxhunywa okwenzelwe amakhasimende kanye/noma ufunde wonke amamitha zikhathi zonke kuye ngokwesigatshana (2)

(2) Uma umsebenzi ungakalwanga, umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ngale kwesigatshana (1), unganquma isamba esikweletwayo nokumele sikhokhwe yikhasimende ngemisebenzi kamasipala enikezelwe kulo, ngokubala-

(a) ukusetshenziswa ngokwabelana, uma kwenzekile; noma

(b) ukusetshenziswa okucatshangelwe.

(3) Uma umsebenzi ukalwa ngamamitha, kodwa ungeke ufundwe ngenxa yezingqinamba zezinsizakusebenza zezimali nezezisebenzi noma ngezimo ezingaphezu kwamandla kamasipala kumbe isithunywa sawo esigunyaziwe, kanti ikhasimende likhokhiswe ngokwesilinganiso sokusetshenziswa kulandelwa ukufundwa kwemitha ngokusetshenzisiwe, kumele kuvezwe umehluko phakathi kokusetshenziswe ngempela kanye nesilinganiso sokusetshenzisiwe, kanye nesikweletu esiphumayo noma ukulinganisela isikweletu.

(4) Lapho imisebenzi yokusatshalaliswa kwamanzi ihlinzekwa ngohlelo lokuhlanganyela komphakathi (umpompi womphakathi), isamba esikweletwayo nokumele sikhokhwe ngamakhasimende akwazi ukufinyelela emisebenzini yokusatshalaliswa kwamanzi ngokusebenzisa lolo hlelo lwemisebenzi yokuhlanganyela komphakathi, kumele isuselwe ekusetshenzisweni kwamanzi

ngokwabelana kumbe ngokucabangela okusatshalaliswa ngalolo hlelo lwamanzi.

(5) Lapho ngokombono kamasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kungenasizathu kumbe kudla imali ukufaka amamitha kuzo zonke izindawo okuxhunyelwe kuzo amakhasimende kanye/noma nokufunda kwawo wonke amamitha endaweni enqunyiwe, uMkhandlu ngokweziphakamiso zikamasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe, unganquma intela eqondile okumele ikhokhwe ngamakhasimende kuleyo ndawo, ngale kwalokho okusetshenziswe ngempela.

(6) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele wazise amakhasimende ngendlela yokunquma izamba ezikweletwayo nokumele zikhokhwe maqondana nemisebenzi kamasipala ehlinzekiwe ezizosebenza maqondana nokusebenzisa kwawo noma izindawo zokusabalalisa.

11. Ukukhokhelwa kwemisebenzi kamasipala ezihlinzekiwe

(1) Ikhasimende liyoba nesibopho sokukhokhela yonke imisebenzi kamasipala esetshenziswe yilo kusukela ngokusuku lokuqalisa kokusebenza kwesivumelwano kuze kube ikhokhelwa ngokugcwele i-akhawunti yalo futhi umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele babuyise yonke inhlawulo efanele okumele ikhokhelwe umasipala.

(2) Uma ikhasimende lisebenzisa imisebenzi kamasipala lizisebenzisela okunye kunalokhu umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe azihlinzekele khona ngokwesivumelwano nangokwemiphumela likhokhiswa kancane kunokufanele kukhokhwe, umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe angalungisa isamba senhlawulo bese ebuyisa umehluko ngokuwuthatha kwikhasimende.

(3) Uma izichibiyelo zenhlawulo efanele ziba ngezisebenzayo osukwini oluphakathi kwezikalo ngenhloso yokwenza i-akhawunti maqondana nezinhlawulo ezifanele kanye nosuku lokukhokha,-

(a) Kuyothathwa ngokuthi ubungako obufanayo bemisebenzi kamasipala bahlinzekwa ngesikhathi esisodwa samahora angamashumi amabili nane ngezikhawu phakathi kwezikalo; futhi

(b) nanoma iyiphi inhlawulo engaguquki iyobalwa ngokulinganisela ngokuhambisana nenhlawulo esetshenziswa ngokushesha ngaphambi kokuchibiyela okunjalo kanye naleyo nhlawulo efanele echitshiyelwe.

12. Ukukhokwa okuphelele nangokugcwele kwe-akhawunti

(1) Lapho i-akhawunti ingakhokhiwe ngokugcwele, nanoma yisiphi isamba esingaphansi esibekiwe nesamukelwe angeke sathathwa njengesikhokhwe ngokuphelele kuleyo akhawunti.

(2) Isigatshana (1) siyolokhu sikhona ngale kokuthi leyo nkokhelo engaphansi kwebekiwe noma eyamukelwe ngokuphelele nangokugcwele, ngaphandle uma imenenja kamasipala noma isithunywa semenenja kamasipala esigunyaziwe senze lokho kwamukelwa ngokubhaliwe.

13. Isibopho ngemali ekweletwayo kanye nekhokhwayo

Ngale kwezihlinzekelo zanoma yisiphi isigaba sale mithetho, umnikazi wegceke uyoba nesibopho sokukhokha nanoma yisiphi isamba esikweletwayo nokumele sikhokhwe kumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe maqondana neminyaka emibili eyandulelayo, lapho umnikazi engesilo ikhasimende futhi umasipala noma isithunywa sawo

esigunyaziwe emva kokuthatha izinyathelo ezifanele zokubuyisa nanoma yiziphi izimali ezikweletwayo nokumele zikhokhwe yikhasimende kusukela lapho kwakugcinwe khona, ngeke akwazi ukubuyisa lezo zimali.

14. Inkokhelo engavunywanga

Lapho nanoma yiyiphi inkokhelo ebhekiswe kumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe eyenziwe ngesheke kamuva kutholakale ukuthi elivunywa yibhange, umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe –

(1) ungabuyisa isilinganiso sezinhlawulo zebhange ezidaleke ngokwenqatshwa kwesheke kuleyo akhawunti yekhasimende; futhi

(2) Uyothatha leso sehlo njengokwahluleka ukukhokha.

15. Izinhlelo zokukhuthaza

UMkhandlu ungasungula izinhlelo zokukhuthaza ezizogqugquzela ukukhokha kanye nokuklomelisa amakhasimende akhokha ama-akhawunti ngendlela efanele nangesikhathi esiyiso.

16. Izikhungo zokukhokha kanye nezithunywa ezivunyiwe

(1) ikhasimende kumele likhokhele ama-akhawunti alo ezikhungweni zokukhokha, ezibalulwe ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe izikhathi ngezikhathi, noma ezithunyweni ezivunyiwe zikamasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe

(2) umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele wazise ikhasimende ngezindawo zezikhungo zokukhokha ezibaluliwe kanye nezithunywa ezivunyiwe zokukhokhwa kwama-akhawunti.

INGXENYE 4: IZIKWELETU

17. Izikweletu

(1) Izikweletu ziyonikezelwa njalo ngenyanga kumakhasimende ekhelini elagcina lirekhodwe kumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe. Ikhasimende lingathola ama-akhawunti angaphezu kweyodwa emisebenzi kamasipala uma enama-akhawunti ahlukene.

(2) Ukwehluleka ukuthola noma ukwamukela i-akhawunti akulikhululi ikhasimende esibophweni sokukhokha nanoma yiyiphi imali ekweletwayo nokumele ikhokhwe.

(3) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele, uma kungenzeka, unikeza ikhasimende ingxenye ye-akhawunti efana ncamashi ne-akhawunti uma liyicela ngesikhathi likokha imali njengoba kumisiwe ezinhlawulweni zentela yoMkhandlu

(4) Ama-akhawunti kumele akhokhwe lungakadluli usuku lokugcina lokukhokha olubalulwe kuleyo akhawunti.

18. Isikweletu esihlanganisiwe

(1) Uma i-akhawunti eyodwa ikhishelwe imisebenzi engaphezu kowodwa kamasipala ehlinzekiwe, imali ekweletwa yikhasimende iba yisikweletu esihlanganisiwe futhi uma inkokhelo eyenziwe yikhasimende ingaphansi kwemali ekweletwayo, izobalwa njengokubona kukamasipala ngokwesikweletu somsebenzi

(2) Uma i-akhawunti ikhishelwe umsebenzi owodwa kamasipala ohlinzekiwe, nanoma iyiphi inkokhelo eyenziwe yikhasimende ingaphansi kwemali ekweletwayo, izobalwa njengokubona kukamasipala.

(3) Ikhasimende angake likhethe ukuthi i-akhawunti kumele ikhokhelwe kanjani uma ingakhokhelwe ngokugcwele noma isidlulelwe yisikhathisikweletu angasikhokha kanjani uma singakhokhiwe ngokugcwele noma kukhona imali esilele.

INGXENYE 5: IMIBUZO, IZIKHALO KANYE NOKWEDLULISWA KWEZIKHALO

19. Imibuzo noma izikhalo mayelana nama-akhawunti

(1) Ikhasimende lingafaka umbuzo noma isikhalo mayela nobuqiniso bemali ekweletwayo nokumele ikhokhwe maqondana nemisebenzi ethile kamasipala njengoba kuveziwe kwi-akhawunti.

(2) Umbuzo noma isikhalo kumele kufakwe kumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ngaphambi kosuku lokukhokhwa kwe-akhawunti.

(3) Umbuzo noma isikhalo kumele kuphelezelwe yinkokhelo eyisilinganiso okungenani yezinyanga ezintathu ezedlule uma ukhona umlando nge-akhawunti noma isisilinganiso semali ehlinzekwe ngumasipala, ngaphambi kosuku lokukhokha kuze kube udaba aluxazululeki.

(4) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe uyobhalisa umbuzo noma isikhalo bese uhlinzeka ikhasimende ngenombolo eyinkomba.

(5) UMkhandlu noma isithunywa sawo esigunyaziwe-

(a) kumele uphenye noma uholele ekutheni umbuzo noma isikhalo kuphenywe; futhi

(b) kumele wazise ikhasimende, ngokubhalwe phansi, ngalokho okutholile esikhathini esiyinyanga kusuka mhla umbuzo noma isikhalo kubhalisiwe.

(6) Ukwehluleka ukukhokha leyo mali okuvunyelwe ngayo yesikhashana kuzoholela ekutheni ikhasimende libhekane nokunqanyulelwa ewuhlinzekwa.

20. Ukwedluliswa kwezikhalo mayelana nokutholwe ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe maqondana nemibuzo noma nezikhalo

(1) Ikhasimende lingadlulisa isikhalo esibhalwe phansi mayelana nokutholwe ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ngokwesigaba 19.

(2) Ukwedluliswa kwesikhalo kanye nesicelo ngokwesigatshana (1) kumele kubhalwe phansi futhi kufakwe kumasipala ezinsukwini ezingama- 21 emva kokuba ikhasimende lazile ngalokho okutholakele okukhulunywe ngakho esigabeni 19 futhi kumele-

(a) kubeke isizathu sokwedluliswa kwekhalo; futhi

(b) kuphelezelwe nanoma yisiphi isibambiso esinqunyelwe ukuhlola into yokukala, uma kufanele.

INGXENYE 6: IMALI ESIDLULELWE YISIKHATHI

21. Inzalo

(1) Inzalo iyobizwa emalini esidlulelwe yisikhathi ngesilinganiso sezinga lenzalo elikhona elimiswa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi.

(2) Izindleko eziqondene nemikhawulo kumbe ukunqanyulwa kwemisebenzi kamasipala iyoba yizindleko zekhasimende futhi iyofakwa kwi-akhawunti emva kokuxhunyelwa kabusha.

22. Izikweletu esedlulelwe yisikhathi ngezinsuku ezingama- 30

(1) Uma i-akhawunti enikezelwe ekhasimendeni ihlala ingakhokhiwe isikhathi esiyizinsuku ezingamashumi amathathu (30), uMkhandlu noma isithunywa sawo esigunyaziwe unga-

(a) thatha izinyathelo zomthetho maqondana nekhasimende ukuze kubuyiswe imali esidlulelwe yisikhathi; futhi
(b) ungadlulisela i-akhawunti yekhasimende kumqoqi wezikweletu noma ummeli ukuba aqoqe.

(2) Ikhasimende linesibopho sokukhokha nanoma yiziphi izindleko zehhovisi, izindleko ezidaleka ngokuthathwa kwezinyathelo zokubuyiswa kwemali esidlulelwe yisikhathi nezinhlawulo, kubandakanya nokukhokha imali eyisibambiso ephezulu, njengoba inganqunywa nguMkhandlu kamasipala izikhathi ngezikhathi.

INGXENYE 7: ISIVUMELWANO SOKUKHOKHWA KWEMALI ESIDLULELWE YISIKHATHI

23. Izivumelwano

(1) Isivumelwano esilandelayo sokukhokhwa kwemali esidlulelwe ukukhokhwa ngezigamu, kungangenwa kuso:

(a) Ngokuvuma isikweletu.
(b) Ngemvume yokwahlulelwa.
(c) Ngesinqumo sokukhokhwa kwesikweletu.

(2) Ikhasimende kumele livume ukuthi inzuzo izobizwa ngezinga elinqunyiwe.

(3) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele ufune ukuthi ikhasimende likhokhe okungenani leso sikweletu sangaleso sikhathi kungenwa esivumelwaneni sokukhokha imali esidlulelwe yisikhathi ngezigamu.

(4) Umasipala unelungelo lokwenyusa imali eyisibambisoeyisidingo kwabakweletayo abafuna izivumelwano.

24. Ikhophi yesivumelwano sekhasimende

Ikhophi yesivumelwano kumele yenziwe ikhasimende likwazi ukuyithola.

25. Ukwehluleka ukuhlonipha izivumelwano

Uma ikhasimende lehluleka ukuhambisana nesivumelwano sokukhokha ngezigamu imali esidlulelwe yisikhathi , inani lezimali ezingakhokhiwe, kubandakanya imali esidlulelwe yisikhathi, nanoma iyiphi inzalo, imali yezindleko zehhovisi, izindleko ezidalwe ukuthatha izinyathelo ezifanele, nezinhlawulo, kubandakanya ukukhokha kwemali eyisibambiso ephezulu, izosheshe ibe yisikweletu futhi kumele ikhokhwe, ngale kwesaziso noma incwadi futhi umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe unga-

(a) nqamula imisebenzi yokufakelwa kwamanzi ehlinzekelwa ikhasimende;

(b) thatha izinyathelo zomthetho ukubuyisa imali esidlulelwe yisikhathi; futhi

(c) ungadlulisela i-akhawunti yekhasimende kumqoqi wezikweletu noma ummeli ukuba aqoqe.

26. Ukuxhunywa kabusha kwemisebenzi

(1) Isivumelwano sokukhokha ngezigamu isamba semali esidlulelwe yisikhathi, okungenwa kuso emva kokuba imisebenzi yezamanzi ibekelwe imikhwulo noma inqanyuliwe, angeke siphethe ngokuthi imisebenzi ibuyiselwe kuze kube-

1. imali esidluelwe yisikhathi, nanoma iyiphi inzalo engenile, imali yezindleko zehhovisi, izindleko ezidaleke ngokuthatha izinyathelo ezifanele kanye nezinhlawulo, kubandakanya nokukhokhwa kwemali eyisibambiso ephezulu, ikhokhwa ngokugcwele; noma
2. ngaphezu kokukhokhwa okubalulwe esigatshaneni (1) ikhasimende kumele likhokhe imali emisiwe yokuxhunyelwa kabusha njengoba inqunywa ngumasipala izikhathi ngezikhathi, ngaphambi kokuba imisebenzi kamasipala ixhunywe kabusha ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe.

ISAHLUKO 3

INTELA KAMASIPALA YOKUHLOLA

27. Isamba okumele sikhokhelwe intela kamasipala yokuhlola

(1) Izihlinzekelo zeSahluko 3 zizosebenza maqondana nokubuyiswa kwentela kamasipala yokuhlola.

(2) Yonke intela kamasipala yokuhlola ekweletwa yikhasimende ikhokhwa ngosuku olungaguquki njengoba lunqunywe ngumasipala enqubwenimgomo yawo yokulawulwa nokuqoqwa kwezikweletu.

(3) Abangabanikazi besakhiwo ngokuhlanganyela banesibopho sokukhokha ngokuhlanganyela intela kamasipala yokuhlola

.

(4) Intela kamasipala yokuhlola ingabizwa ngezigamu ezilinganayo nyanga zonke, isamba esikhokhwayo siyohlanganiswa kwi-akhawunti kamasipala

(5) Umnikazi wesakhiwo uyohlala enesibopho sokukhokha intela kamasipala yokuhlola kuhlanganisa nama-akhawunti kamasipala, ngale kokuthi-

(a) Umnikazi akahlali esakhiweni leso; kanye/noma

(b) I-akhawunti kamasipala ibhaliswe egameni lomuntu ongeyena umnikazi wesakhiwo.

ISAHLUKO 4

UKUHLINZEKWA KWEMISEBENZI KAMASIPALA KUMAKHASIMENDE AHLWEMPU

28. Ukufaneleka ukubhaliswa njengekhasimende elihlwempu

Yonke imizi lapho kuhlanganiswa khona inzuzo engenayo yawo wonke amalungu omndeni aneminyaka eyi-18 yobudala ingaphansi ihlanganiswa yawo wonke amalungu ingaphansi kwesamba esiyonqunywa nguMkhandlu, ifanelekile ukubhalisa njengamakhasimende ahlwempu abampofu.

29. Ukufaka isicelo sokubhalisa

(1) Umndeni ofanelekile njengekhasimende elihlwempu kumele ugcwalise ifomu lokufaka isicelo elimiselwe.

(2) Nanoma yisiphi isicelo ngokwesigatshana kumele sihambisane -

(i) Nencwajana ewubufakazi bemali engenayo, njengencwadi evela kumqashi wekhasimende, incwadi yeholo, ikhadi lempesheni, ikhadi likapoyinandi, noma

(ii) incwadi efungelwe edalula ukungasebenzi noma imali engenayo, kanye

(iii) nencwadi yokugcina yesikweletu sikamasipala yekhasimende;

(iv) ikhophi eqinisekisiwe kamazisi wekhasimende; kanye

(v) namagama kanye nezinombolo zomazisi zabo bonke abantu abahlalayo abaneminyaka yobudala engaphezu kweyi-18 abangabahlala kuleso sakhiwo

(3) Ikhasimende elifaka isicelo sokubhaliswa njengekhasimende elihlwempu kuyodingeka ukuthi lifunge ukuthi lonke ulwazi oluhlinzekwe efomini lokufaka isicelo nakweminye imibhalo kanye nolwazi oluhlinzekwe maqondana nokufakwa kwesicelo luyiqiniso futhi luyilo.

(4) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele nawo usayine ifomu lokufaka isicelo futhi uqinisekise ukuthi imiphumela kanye nemibandela yaleso sicelo sekhasimende lichazelwe ngayo ikhasimende kanye nokuthi ikhasimende likuvezile ukuthi likuqonde kahle okuqukethwe yisifungo.

30. Ukuvunywa kwesicelo

(1) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ungathumela ummeli ogunyaziwe emagcekeni noma emzini ofake isicelo sokubhaliswa njengamakhasimende ahlwempu ukuba ayokwenza ucwaningo lwendawo ngolwazi oluhlinzekwe ngaphambi kokuvunywa kwesicelo.

(2) Isicelo siyovunywa isikhathi esiyizinyanga eziyi-12 kuphela.

Uxhaso lwemali luyophelelwa yisikhathi uma ofake isicelo ehluleka ukuletha ubufakazi bemali ayitholayo noma ukuphinde afake isicelo soxhaso.

31. Imibandela

Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ngesikhathi uvuma isicelo noma nganoma yisiphi isikhathi emva kwalokho ungabeka umkhawulo emisebenzini yokusatshalaliswa kwamanzi kumakhasimende ahlwempu ibe ngeyokusabalalisa okujwayelekile okungekho ngaphansi kwamakhilolitha ayisithupha (6) ngenyanga.

32. Ukufaka isicelo njalo ezinyangeni eziyi-12

(1) Ikhasimende elihlwempu kumele lifake kabusha isicelo sokwesekwa kwabahlwempu njalo ezinyangeni eziyi- 12, ukwahluleka ukwenza lokhu kuyoholela ekutheni ukwesekwa kuvele kuzinqamukele.

(2) Izihlinzekelo zesigaba 33 no 34 ziyosebenza kunoma yisiphi isicelo ngokwesigatshana (1).

(3) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe angeke uqinisekise ukuvuselelwa kokwesekwa kwabahlwempu.

33. Imisebenzi exhasiwe yamakhasimende ahlwempu

(1) Njengengxenye yohlelo lwawo lwesabelomali, uMkhandlu minyaka yonke unganquma imisebenzi kanye namazinga okuyiwona ezothola uxhaso maqondana namakhasimende ahlwempu ngokuhambisana nenqubomgomo kazwelonke, kodwa kuye ngemigomo yokusimamisa nokuzinzisa.

(2) UMkhandlu kumele ngesikhathi kunqunywa imisebenzi kamasipala yamakhasimende ahlwempu ezoxhaswa, ubhekelele kuqala ukuxhasa okungenani le misebenzi elandelayo :

(a) imisebenzi yokusatshalaliswa kwamanzi angamakhilolitha ayisi-6 umuzi ngamunye ngenyanga;

(b) imisebenzi yokuhlanza noma yokuthuthwa kwmfucuza kwansukuzonke kumbe ukukhulisa ukungena komoya ezindlini zangasese zomgodi umuzi ngamunye njalo ngenyanga nanoma yikuphi umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ongaba namandla okukwenza;

(c) imisebenzi yokuthuthwa kukadoti okungaba ukuthuthela umuzi ngamunye kanye ngeviki; kanye

(d) nayo yonke ientela kamasipala yezakhiwo nomhlaba okunenani elingaphansi kwezi-R20 000 ngokukamasipala: inqobo nje uma kunesimo sesakhiwo noma umkhakha wesakhiwo; kungeke kwenzeka ukukala isilinganisomali noma ukukala leso sakhiwo, okumele kususelwe kukho lapho kunqunywa intela kamasipala yezakhiwo, kuyoba njengoba kuchazwe nguMkhandlu.

(3) Umasipala kumele, lapho wenza isinqumo ngokwesigatshana (1) ukhiphe isaziso somphakathi ngaleso sinqumo.

(4) Isaziso somphakathi ngokwesigatshana (3) kumele siqukathe okungenani lokhu okulandelayo:

(a) izinga noma ubungako bomsebenzi kamasipala ozoxhaswa ngemali;

(b) izinga lemali yokuxhasa;

(c) indlela yokubala imali yokuxhasa; kanye

(d) nanoma yimiphi imigomo nemibandela ezizosebenza oxhasweni, engahlinzekelwanga kule mithetho kamasipala.

(5) Nanoma yimiphi eminye imisebenzi kamasipala eyenziwa ngumasipala noma imisebenzi kamasipala ezisetshenziswa ngokweqa amazinga noma amanani anqunywe esigatshananeni (1) kumele ihlawulelwe futhi ikhasimende ompofu kumele abophezeleke ukukhokha leyo nhlawulo ehlawuliselwa lokho kusebenzisa ngokweqile.

(6) Izimiselo zesahluko 3 zimele zisebenze ngokuguquguquka okudingekayo ezambeni ezimele ukuba zikhokhwe njengokusho kwesigatshana (5).

34. Ukwesekwa ngezimali kwemisebenzi exhaswe nguhulumeni

(1) Imisebenzi exhaswe ngemali okukhulunywe ngayo esigabeni 33 iyofakelwa imali ethathwe emalini engenayo eqoqwe kuzwelonke eyabelwe umasipala futhi uma lokho kufakwa kungenele imisebenzi ingafakelwa imali ethathwe emalini engenayo eqoqwe ngentela kamasipala, izimali kanye nezinhlawulo maqondana nemisebenzi kamasipala.

(2) Isamba semali yoxhaso lokumele ifakelwe ithathwe emalini engenayo eqoqwe kuzwelonke yabelwa umasipala iyobalwa nokuhlukanisa isamba esabelwe ngokulinganisa inani lamakhasimende akulungele ukubhalisa njengamakhasimende ahlwempu.

35. Imali esilele emuva evele ikhona

Izimali esilele emuva maqondana nama-akhawunti kamasipala amakhasimende ngaphambi kokubhaliswa njengamakhsimende ahlwempu kungenzeka –

(a) zicinywe; noma

(b) kuzanywe ukuthi zibuyiswe ngokulandela umgudu wezomthetho kanye/ noma kwenziwe izinhlelo zokwelula isikhathi.

36. Ukucwaningwa kwamabhuku

Umasipala ungacwaninga amabhuku njalo njalo okuyokwenziwa ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ukuze-

(a) uqinisekise ulwazi oluhlinzekwe ngamakhasimende ahlwempu;
(b) urekhode nanoma yiziphi izinguquko ezimweni zamakhasimende ahlwempu; futhi
(c) wenze izincomo ekwesulweni ekubhalisweni kwekhasimende elihlwempu.

37. Ukwesula ekubhalisweni

(1) Nanoma yiliphi ikhasimende elihlinzeka noma ohlinzeke ulwazi olungamanga efomini lokufaka isicelo kanye/ noma nanoma yimuphi umbhalo nolwazi mayelana nesicelo uyovele esulwe ekubhalisweni njengekhasimende elihlwempu ngale kwesaziso, kusukela ngosuku umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe uthola ukuthi lolo lwazi lungamanga.

(2) Ikhasimende elihlwempu kumele lisheshe licele ukwesulwa ekubhalisweni ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe uma isimo sakhe sesishintshile kwaba ngangokuthi angeke esakwazi ukuhlangabezana nokufaneleka okubekwe esigabeni 28.

(3) Ikhasimende elihlwempu liyovele lizesulekele ekubhalisweni uma isicelo ngokuhambisana nesigaba 29 singenziwanga noma uma leso sicelo singavunywanga.

(4) Ikhasimende elihlwempu liyovele lizesulekele ekubhalisweni uma ucwaningo mabhuku noma ubufakazi bukhomba ukuthi isimo sezimali sekhasimende elihlwempu sesishintshile ngangokuthi angeke esakwazi ukuhlangabezana nokufaneleka okubekwe esigabeni 28.

(5) Ikhasimende elihlwempu nganoma yinini lingacela ukwesulwa ekubhalisweni.

ISAHLUKO 5
AMABHIZINISI ANAMATHENDA KUMASIPALA

38. Inqubomgomo Yokuphathwa Kokusatshalaliswa Kwempahla kanye nemibandela yamathenda

Inqubomgomo Yophathwa Kokusatshalaliswa Kwempahla kanye nemibandela yamathenda ingahlinzeka ukuthi-

1. uma kumenywa amathenda okuhlinzeka ngemisebenzi noma ukulethwa kwezimpahla, osonkontilaki abafanelekile bangaletha amathenda kuye ngokombandela wokubhekela nokuhlolakungaveza isidingo sokuthi onikwe ithenda athole isitifiketi kumasipala esibalula ukuthi wonke ama-akhawunti kamasipala akweletwa ngothole ithenda kumbe abaqondisi benkampani yakhe, abanikazi noma abalingani asekhokhiwe noma kunezinhlelo ezifanele (ezibandakanya ilungelo lokuhoxa esimweni lapho kungalandelwanga imigomo) ezenziwe zokukhokhela nanoma iyiphi imali esidlulelwe yisikhathi.
2. i-akhawunti kamasipala isho nanoma iyiphi inhlawulo yomsebenzi kamasipala, intela noma nanmona iyiphi imali yenhlawulo noma yesigwebo ekweletwa

ngokwesivumelwano noma intela evunyiwe kumbe intela kamasipala, ekwelethwa emva kosuku lokugcina evamise ukuvela kwi-akhawunti edidiyele noma esidlulelwe yisikhathi ngokwesivumelwano kumbe nngokwanoma yiluphi usuku lokugcina oselwedlule, futhi

3. imibandela yamathenda inombandela ovumela umasipala ukuba uzithathele izimali ezikweletwa umasipal ezinkokhelweni zesivumelwano ngokwezinhlelo ezifanele ezenziwa nokweletayo.

ISAHLUKO 6
IMISEBENZI ENGAGUNYAZIWE

39. Imisebenzi engagunyaziwe

1. Akekho umuntu ongafinyelela emisebenzini kamasipala ngaphandle uma kungokwesivumelwano angene kuso nomasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ngokwenziwa kwaleyo misebenzi.
2. Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe, ngale kwanoma yisiphi isinyathelo esithathelwe umuntu ngokwale mithetho kamasipala ngesaziso esibhaliwe ungayalelela lowo muntu osebenzisa imisebenzi engagunyaziwe -

(c) ukufake isicelo saleyo misebenzi ngokweSahluko 2 ingxenye 1;

(d) ukuqhuba lowo msebenzi njengoba kudingeka ukuqinisekisa ukuthi ukufakelwa kwekhasimende okutholakale ngakho ukufinyelela kuyahambisana

nezihlinzekelo zale mithetho kamasipala kumbe eminye imithetho kamasipala efanele.

40. Ukuphazamisa ingqalasizinda yokuhlinzekwa kwemisebenzi kamasipala

1. Akukho muntu ngale kukamasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe oyophatha, asebenzise noma agcine ingqalasizinda okuhlinzekwa ngayo imisebenzi kamasipala.

3. Akukho muntu ngale kukamasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe oyoqalisa ukuxhumana nengqalasizinda okuhlinzekwa ngayo imisebenzi kamasipala.

41. Ukuvinjwa kokufinyelela engqalasizindeni yokuhlinzeka imisebenzi kamasipala

(1) Akekho umuntu ongavimbele noma athibele ukufinyelela ngokomzimba engqalasizindeni okuhlinzekwa ngayo imisebenzi kamasipala.

(2) Uma umuntu ephikisana nesigatshana (1), umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe-

(a) ngokukhipha isaziso esibhalwe phansi esifuna lowo muntu ukuthi akhokhele ukufinyelela ngezindleko zakhe esikhathini esithile; noma

(b) uma kubonakala ukuthi leso simo siyaphuthuma, ngale kokuphuma kwesaziso kuqala ungamisa ukufinyelela ubuyise izindleko kulowo muntu.

42. Ukuxhunywa kabusha ngokungemthetho

(1) Umuntu ozixhumela kabusha ngokungemthetho nangenhloso noma ngokunganaki imisebenzi noma othikameza ngokungemthetho nangenhloso noma ngokunganaki ingqalasizinda okuhlinzekwa ngayo imisebenzi kamasipala, emva kokuba lokho kukufinyelela kwamakhasimende emisebenzini kamasipala sekubekelwe umkhawulo kumbe kunqanyuliwe, kuyonqanyulwa ngokushesha.

(2) Umuntu ophinde azixhumele imisebenzi kamasipala ezimweni ezibalulwe esigatshaneni (1) uyobhekana nezindleko ezimaqondana nanoma yikuphi okusetshenzisiwe, yize zingayekiwe nanoma yiziphi ezinye izinyathelo ezingathathelwa lowo muntu.

43. Ukunqanyulwa ngokushesha

Ukuhlinzekwa kwemisebenzi kamasipala kunganqanyulwa ngokushesha uma nanoma yimuphi umuntu-

(a) ethikameza ngokungemthetho nangenhloso noma ngokunganaki ingqalasizinda lapho umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe uhlinzekela khona imisebenzi kamasipala;

(b) ehluleka ukuhlinzeka ulwazi noma ehlinzeka ngolwazi olungamanga oludingwa ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe.

ISAHLUKO 7

AMACALA

44. Amacala

Nanoma yimuphi umuntu -

(1) ohluleka ukunikezela ngokufinyelela okudingwa ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ngokwale mithetho kamasipala;

(2) olekelela nanoma ngubani ekuhlinzekeni ulwazi olungamanga kumbe olukhohlisayo noma olekelela ngokuthanda ukufihla ulwazi;

(3) osebenzisa, ongenelela noma ophazamisa impahla kamasipala, impahla yokusabalalisa umsebenzi, ubuxhakaxhaka bezintambo noma ukusetshenziswa kwemisebenzi enikezelwayo;

(4) ohluleka noma owenqaba ukunika umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe lolo lwazi njengoba kungadingeka ngenhloso yokusebenzisa amandla noma umsebenzi ngaphansi kwale mithetho kamasipala noma onikeza lowo masipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ulwazi olungamanga noma oludukisayo, ebe azi ukuthi lungamanga noma luyadukisa;

(5) owephula noma ohluleka ukuhambisana nokuhlinzekelwe kule mithetho kamasipala;

(6) ohluleka ukuhambisana nezimiso zesaziso esinikezelwe kuye ngokwale mithetho kamasipala,

uyotholakala enecala lokwephula umthetho futhi uyobhekana nesigwebo sesikhathi esingekho ngaphezu kwezinyanga eziyisithupha esejele noma asebenzele umphakathi noma akhokhe inhlawulo, engeqile ezi- R 2000. 00, noma kube yinhlanganisela yalokhu osekubalwe phambilini.

ISAHLUKO 8

IMIBHALO

45. Ukusayinwa kwezaziso nemibhalo

Isaziso noma umbhalo okhishwe ngumasipala ngokwale mithetho kamasipala nosayiwe yisisebenzi sikamasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe uyothathwa njengokhishwe ngokufanele futhi kumele ekukhishweni kwawo wamukelwe njengobufakazi yinkantolo yomthetho.

46. Izaziso kanye nemibhalo

(1) isaziso noma umbhalo okhishwe ngumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ngokwale mithetho kamasipala uyothathwa njengogunyazwe ngokufanele uma usayinwe yisithunywa esigunyaziwe.

(2) nanoma yisiphi isaziso kumbe omunye umbhalo onikezwe umnikazi, ikhasimende noma omunye umuntu ngokwale mithetho kamasipala uthathwa njengenikezelwe-

(a) uma uhanjisiwe mathupha kulowo muntu;

(b) uma ushiywe endaweni lapho lowo muntu ehlala khona, enzela khona ibhizinisi noma eqashwe eRiphabhulikhi, kumuntu oneminyaka yobudala engaphezu kweyi- 16;

(c) uma ithunyelwe ngeposi elirejisitwe noma elifungelwe ekhelini lalowo muntu elagcina laziwa kwiRiphabhulikhi futhi kumele kutholakale ukuvunywa kokwamukelwa kwayo eposini;

(d) uma ikheli lalowo muntu laziwa kwiRiphabhulikhi, uma uhanjiswe esithunyweni salowo muntu noma ommele ngendlela ehlinzekwe esigatshaneni (a); (c); noma

(e) uma ikheli lalowo muntu noma isithunywa kumbe ommele laziwa, uma kusendaweni esobala isakhiwo kumbe amagceke, uma kukhona, okuhlobene nakho.

(3) uma nanoma yisiphi isaziso noma omunye umbhalo kumele ugunyazwe noma unikezelwe kumnikazi, ohlalayo noma umnikazi wanoma yisiphi isakhiwo kuyenela uma lowo muntu echaziwe esazisweni kumbe embhalweni njengomnikazi, ohlalayo noma umnikazi wesakhiwo noma ilungelo okukhulunywa ngalo, futhi akudingeki igama lomuntu.

(4) esimweni lapho kudingeka ukuthi kube nokuhambisana nesaziso esikhathini esiyizinsuku ezithile ezibaluliwe zokusebenza, leso sikhathi siyothathwa ngokuthi kumele siqale ngosuku okulethwe kumbe okuthunyelwe ngalo leso saziso.

47. Ukuveza ubuqiniso bemibhalo

Yonke imiyalelo, isaziso kumbe nanoma yimuphi umbhalo edinga ubufakazi bobuqiniso kumasipala kumele iveze ubufakazi obanele bobuqiniso, uma isayinwe yimenenja kamasipala noma isikhulu sikamasipala esigunyaziwe noma isithunywa sikamasipala esigunyaziwe, lelo gunya elinikeziwe ngokwesinqumo sikamasipala; ngesivumelwano esibhaliwe noma ngemithetho kamasipala.

48. Ubufakazi obungaba yiqiniso

Ekulalelweni kokuthethwa kwamacala kamasipala kumbe egameni likamasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe, isitifiketi esiveza isamba semali ekweletwayo nokumele ikhokhwe kumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe, ngaphansi kwesandla semenenja kamasipala, noma isisebenzi esifanelekile sikamasipala esigunyazwe yimenenja kamasipala noma isithunywa semenenja kamasipala esigunyaziwe, kuyothi ngesikhathi

sokukhishwa kwaso samukelwe nanoma iyiphi inkantolo yomthetho njengobufakazi besikweletu obungaba yiqiniso.

ISAHLUKO 9
IZIHLINZEKO EZIVAMILE

49. Amandla okungena kanye nokuhlola

Umasipala kumbe isithunywa sawo esigunyaziwe angangena futhi ahlole nanoma yimaphi amagceke nganoma iyiphi inhloso exhumene nokuqaliswa kokusebenza noma ukuqiniswa kwale mithetho kamasipala, emva kunikezwa kohlalayo kulawo magceke isaziso esibhaliwe senhloso yokwenza njalo.

50. Ukuxolelwa

Umasipala, ngokubhalwe phansi ungaxolela umnikazi, ikhasimende, nanoma yimuphi omunye umuntu kumbe uhlangothi lomnikazi, amakhasimende, abakhokhi bentela kamasipala, abahlomula emisebenzini ekuhambisaneni nesihlinzekelo sale mithetho kamasipala, kuye ngokwemibandela engavela, uma kubonakala ukuthi isicelo noma ukusebenza kwaleso sihlinzekeloangeke kulunge, ngaphandle uma umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe ungeke ukhiphe imvume yokumxolela kunoma yisiphi isigaba sale mithetho kamasipala okungagcina-

(a) ngokumosheka noma ukusetshenziswa ngokweqile kwemisebenzi kamasipala;
(b) ngokugwema noma ukuziba izithibelo zezamanzi;
(c) ngokuba nomthelela ongemuhle empilweni yomphakathi, ukuphepha kumbe isimo sendawo
(d) ngokungakhokhelwa kwemisebenzi;
(e) uMthetho noma eminye imithethonqubo eyakhelwe lokho, ingalandelwanga.

(2) Umasipala nganoma yisiphi isikhathi emva kokunikezwa kwesaziso esibhaliwe sezinsuku okungenani ezingama- 30, uhoxisa nanoma yikuphi ukuxolelwa okwakunikezwe ngokwesigatshana (1).

51. Ukutholakala kwemithetho kamasipala

(1) Ikhophi yale mithetho kamasipala izofakwa kwiNqubo kaMasipala yomasipala njengoba kudingeka ngokomthetho.

(2) Umasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe kumele athathe izinyathelo ezifanele ukwazisa amakhasimende ngokuqukethwe yimithetho kamasipala yokulawulwa nokuqoqwa kwezikweletu.

(3) Ikhophi yale mithetho kamasipala kumele itholakale ukuze ihlolwe emahhovisi kamasipala noma emahhovisi esithunywa sawo esigunyaziwe ngazo zonke izikhathi ezifanele.

(4) Ikhophi yemithetho kamasipala ingatholakala ngokuthi ikhokhelwe imali njengoba inqunyiwe ezimalini ezikhokhelwa uMkhandlu kumasipala noma isithunywa sawo esigunyaziwe.

52. Ukushayisana kwemithetho

Uma kukhona ukushayisana phakathi kwale mithetho kamasipala kanye neminye imithetho kamasipala yoMkhandlu ephathelene nokulawulwa kanye nokuqoqwa kwezikweletu, le mithetho kamasipala iyona ezosebenza.

UMkhandlu kaMasipala waseRichmond, usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, ufundwa ngokuhambisana nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: UMthetho Wezinhlelo zikaMasipala, wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), lapha ushicilela iMithetho yawo kaMasipala Yokuphathwa Kwezikweletu.

IMITHETHO KAMASIPALA YOKUPHATHWA KWEZIKWELETU

Izincazelo

Ngaphandle uma ingqikithi ibalula ngokunye-

"igaranti yebhange" kuchaza ukuzibophezela okungenamibandela kwesikhungo sezimali lapho kunegaranti efinyelela enanini lokugcina elibaluliwe okumele likhokhwe uma umkweleti omkhulu (ikhasimende) lihluleka ukukhokha,

"imali ebaliwe" kuchaza imali ebalwe yiMenenja Yamasu Okusebenza: Yezezimali okumele umthengi ayikhokhele uMkhandlu mayelana nokunikezelwa kwemisebenzi kaMasipala efaneleyo nanoma yingasiphi isikhathi lapho inani eliyilo lomsebenzi onikezelwe lingekwazi ukuthi liqagulwe ngokuyikho nganoma yingasiphi isizathu, bese kuthi lithathelwe ezibalweni ezivamile ,uma zikhona, zomsebenzi onikezelwe kumthengi ezinyangeni ezintathu ngokushesha ngaphambi kwaleso sikhathi esiqalayo; kumbe- ke uma kuhlulekeka ukutholakala kwalolo lwazi, kube izibalo ezivamile zokunikezelwa komsebenzi osuwenziwe esakhiweni kumbe ezakhiweni ezithi azilingane futhi zifane endaweni lapho umthengi ehlala kumbe eqhuba khona ibhizinisi.

"Isikhulu Esiphezulu" kuchaza umuntu oqashwe njengeMenenja kaMasipala ngokwaHulumeni Wasekhaya: uMthetho Wezinhlelo ZikaMasipala, wezi- 2000, kumbe nanoma yimuphi umuntu osebenza njengebambela kuleso sikhundla;

"i- akhawunti ehlanganisiwe" kuchaza i- akhawunti eyodwa ehlanganisiwe yayo yonke imisebenzi kaMasipala, izinhlawulo ezingaphezulu, intela yendawo kanye namanani ayisisekelo akhokhwayo;

"ihkasimende" kuchaza nanoma yimuphi umuntu owenzelwa kumbe owenzelwe umsebenzi nguMkhandlu bese kuthi "imisebenzi yokhasimende" kunencazelo

ehambisanayo;

"amamita kagesi nawamanzi ajwayelekile" kuchaza amamita kagesi nawamanzi, lokhu okungenzeka, asetshenziswa ukubona ukuthi ugesi namanzi kusetshenziswe kanganani futhi afundwa njalo ngenyanga kumbe ngezikhathi ezithile ezibekiwe;

"uMkhandlu" kuchaza uMasipala waseRichmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo Masipala noma iKomidi Eliphethe kumbe nanoma yiluphi olunye uhlaka olusebenza ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kumbe nayinoma yisiphi isikhulu esigunyazwe nguMkhandlu sanikwa amandla nemisebenzi maqondana nale mithetho kaMasipala;

"usuku lokugcina" kuchaza usuku olubekwe e-akhawuntini futhi olunqunywe nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi njengosuku lokugcina lokuthi kungakhokhelwa ngalo i- akhawunti, uma singekho isivumelwano eesashiwo phakathi koMkhandlu nomthengi;

"abathengi abavele bekhona" kuchaza abathengi asebevele bangene esivumelwaneni sokuthi banikezelwe ngemisebenzi kaMasipala;

"unyaka wezimali" kuchaza kusukela mhla lulu- 1 kuNtulikazi kuya mhla zingama- 30 kuNhlangulana wonyaka ozayo;

"izindleko zecala" kuchaza izindleko zecala njengokwesikali esibakhona phakathi kommeli nekhasimende lakhe;

"ucwaningo lwamamitha" kuchaza uphenyo olubakhona lokuqinisekisa ukunikezelwa kukagesi noma amanzi ngempela kunjengoba kushiwo yini;

"amahora asehhovisi ajwayelekile" kuchaza amahora lapho amahhovisi eMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali esuke evuliwe ukuthi umphakthi ukwazi ukungena kuwo kusukela ngoMsombuluko kuya ngoLwesihlanu, ngaphandle uma kungamaholide omphakathi;

"umnikazi" kuchaza -

(a) umuntu okunguye onikezwe ilungelo ngokomthetho kulawo magceke, izikhathi ngezikhathi;

(b) esimweni lapho umuntu onelungelo elisemthethweni esehlwempu kumbe eshona, noma eba nanoma yikuphi ukukhubazeka ngokomthetho, umuntu okunguye onikwe amandla okuphatha nokulawula njengomphathi, umabi wamafa, imenenja eyahlulelayo, umkhokhisi wezikweletu zomuntu kumbe omunye ommele ngokusemthethweni;

(c) kunoma yisiphi isimo lapho uMkhandlu ungeke ukwazi ukuthola ukuthi ubani lowo muntu, umuntu onelungelo lokuthi azuze ekusebenziseni lawo magceke kumbe ibhilidi noma amabhilidi;

(d) esimweni lapho amagceke alapho kungenwe khona esivumelwaneni sokuqashisa seminyaka engama- 30 nangaphezulu, isiqashi; kanye

(e) maqondana no (1) isigaba somhlaba esichazwe ngoMthetho Wamatayitela, we-1986 (uMthetho No. 95 we- 1986), umakhi kumbe inhlangano eqondene nesakhiwo esijwayelekile; noma (2) isigaba njengalokhu sichazwe kulo Mthetho, umuntu isigaba esirejistwe egameni lakhe ngaphansi kwetayitela futhi kubandakanya nomele ukuqashwa okusemthethweni kwalowo muntu;

“intela yesakhiwo” kuchaza amareyithi kanye/ noma izintela ezimaqondana nesilinganiso-mali sesakhiwo engasuselwa emalini yokutheliswa kwisilinganiso-mali somhlaba noma sokulungiswa kabusha kumbe kokubili, futhi kunencazelo efanayo njengeyamareyithi okuhlola;

“ukuhleshulwa kwemali” kuchaza isaphulelo kunoma yiyiphi intela yesakhiwo kumbe

imali yomsebenzi enqunywa nguMkhandlu isikhathi ngesikhathi;

"Imali yokuxhuma kabusha" kuchaza imali ekhokhelwa ukuxhuma kabusha ukunikezelwa kukagesi/ amanzi lapho lokhu kunikezelwa kwakukade kunqanyuliwe ngenxa yokungakhokhi, leyo mali iyonqunywa ngezikhathi ezithile nguMkhandlu futhi iyoba ingxenye yemali yokutheliswa kamasipala;

"inani elidingekayo" kuchaza isamba senani lonke elibaliwe likagesi/amanzi asetshenzisiwe ngesikhathi sokuthikameza, kanye nemali yokuthikameza;

"ama-akhawunti omsebenzi" kuchaza ama-akhawunti amayelana nokusebenzisa ugesi kanye/ kumbe amanzi;

"isivumelwano somsebenzi" kuchaza isivumelwano sokusebenzisa ugesi kanye/ kumbe amanzi;

"Imenenja Yamasu Okusebenza Ezezimali: kuchaza iNhloko yoMnyango ebhekene nezindaba zamafa oMkhandlu, kanye nanoma yimuphi umuntu ogunyazwe nguye ukusebenza endaweni yakhe ngokwesikhundla esibaluliwe;

"Imali yokuthikameza" kuchaza imali ekhokhelwa ukunqanyulwa okungekho emthethweni, ukulungisa, kumbe ukunqanyulwa kokusetshenziswa kwemitha noma umbhobho wokufakela ugesi kumbe ukufakela amanzi endaweni engenamamitha lapho imali iyonqunywa njalo ngonyaka ngesikhathi sohlelo lwesabelomali futhi iyoba ingxenye yemali yokutheliswa kaMasipala;

"i-akhawunti evaliwe" kuchaza i-akhawunti yokugcina yemisebenzi emva kokuthi ikhasimende selihambile emagcekeni, noma ngabe ikhasimende lisilethile isaziso sokunqamula ukunikelwa kwemisebenzi noma cha;

"ithuluzi eliguqukayo elivimba ukuvuza kwamanzi" kuchaza into efakwa lapho kuxhunywa khona amanzi evumela ukuthi amanzi akhawulwe kumbe avalwe; kanye

"Ukukhishwa kwamaganishi ngokuthanda/ ukuphoqwa kwenkokhelo" kuchaza umyalelo

wenkantolo ukuthi kubanjwe isamba esithile semali emholweni kumbe kwenye imali engenayo yekhasimende.

2. **Isivumelwano semisebenzi**

(1) Ngaphambi kokuthi unikezwe ugesi, amanzi kanye/ kumbe ezinye izidingo zekhasimende nanoma yiliphi ikhasimende kumele lingene esivumelwaneni semisebenzi noMkhandlu lapho, phakathi kwezinye izinto, ikhasimende lizobe livuma ukuthi uhlelo oluthile lokukhokhela ugesi noma amanzi lungasetshenziswa ukuqoqa izikweletu esezidlulelwe isikhathi mayelana nenkokhelo yomsebenzi.

(2) Lapho ikhasimende lihlulekile ukungena esivumelwaneni semisebenzi noMkhandlu, amanzi kanye/ kumbe ugesi uyovalwa, unqanyulwe kumbe uncishiswe njengoba izimo zingaphoqa kuze kube isikhathi esithile lapho kuzobe sekungenwe esivumelwaneni futhi nediphosithi efanele isikhokhiwe. Ikhasimende liyobhekana nezindleko ezibaliwe.

3. **Ama-akhawunti**

(1) UMkhandlu uyokhokhisa abahlali kanye nabanikazi besakhiwo kanye nabantu abahlala kuleso sakhiwo esingaphansi kwendawo yawo intela yesakhiwo kanye nemisebenzi kamasipala abanikezwa yona nguMkhandlu ngezikhathi ezifanele noma ezinqunywe ngokomthetho.

(2) Umnikazi wesakhiwo nguye obhekene nezindleko zokukhokhela ukuthuthwa kukadoti kanye nendle.

(3) UMkhandlu ungathumela ngeposi kumbe uhambise ngesandla ama-akhawunti ahlanganisiwe kumakhasimende ahloniphekile ekhelini elaziswe yikhasimende ngalinye, ukuze lifinyelele kwikhasimende ngaphambi kosuku lokugcina olubhalwe kwi-akhawunti. Uma kukhona ushintsho ekhelini lolo shintsho luqala ukusebenza kuphela uma isaziso sesifikile futhi savunywa nguMkhandlu.

(4) Ikhasimende kumele likhokhe, ngokugcwele, inani lemali lemisebenzi enikezelwe ngosuku noma ngaphambi kosuku lokugcina. Uma lihluleka ukuhambisana nalesi sigaba kungenza ukuthi lithathelwe izinyathelo zokuqoqa izikweletu, bese kuthi ihlawulo eyonqunywa nguMkhandlu isikhathi ngesikhathi kumbe noma yikuphi ukunquma, njengoba kunqunywe emthethweni iyokhokhwa kusukela ngosuku i-akhawunti okwakumele ikhokhelwe ngalo.

4. Amadiphozithi

(1) Amadiphozithi kumele anqunywe yiMenenja Yamasu Okusebenza Ezezimali: lokho kunqunywa kuyoncika ekukhokheni inani lelo seliphindwe kabili kanye nohhafu ngaphezulu ngemisebenzi elethwe kuleyo ndawo noma ngabe inqunywe ngokuyikho noma njengenani elibaliwe.

(2) Ekunqumeni idiphozithi echazwe esigabeni sesi-4 (1),IMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali: iyohlukanisa phakathi kwezindawo ukutshengisa ukuthi kukhona umehluko emazingeni omsebenzi kanye nokusetshenziswa.

(3) IMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali: ingahlola kabusha amadiphozithi amakhasimende kumakhasimende amasha ohwebo kanye nawezimboni ezinyangeni ezintathu emva kosuku lwediphozithi yokuqala, futhi ,ngokomphumela wokuhlola kabusha, ingadinga ukuthi lelo khasimende lengeze idiphozithi.

(4) IMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali kumele ibuyekeze onke amadiphozithi kabili ngonyaka kumbe uma izidingo zekhasimende sezinqanyuliwe noma zivaliwe ngenxa yokungakhokhi. Umphumela walokhu kubuyekeza uyokwaziswa ikhasimende esimweni lapho kukhona ushintsho olwenzekayo mayelana nendlela yokudiphositha edingekayo. Uma idiphozithi ebalulwe esigabeni sesi- 4(2) noma sesi- 4(3) kutholakala ukuthi ayanele, ikhasimende liyovunyelwa ukwenza izinhlelo zokukhokha imali eyengeziwe

neMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali.

(5) Amadiphozithi amakhasimende kumele akhokhelwe yonke imisebenzi yamamitha ehlukene.

(6) Amadiphozithi amakhasimende kumele akhokhelwe amanzi kanye nogesi kuphela.

(7) Amadiphosithi kumele akhokhwe ngokheshi noma ngesheke. uMkhandlu uyoyivuma igaranti yasebhange esimweni lapho idiphosithi ingaphezu kwezi-R 2 000-00. Igaranti yasebhange kumele ihanjiswe ngesandla kwiMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali ngesikhathi esijwayelekile sokusebenza.

(8) Yonke idiphozithi kumele ikhokhwe okungenani ezinsukwini ezimbili ngaphambi kokuthi kuqalwe kuhlalwe esakhiweni kuleyondawo kumbe usuku imisebenzi leyo eyodingeka ngalo,uma ingezodingeka ngosuku lomsebenzi.Ukwahluleka ukulandela lo mthetho kamasipala kungalibazisa ukuxhunywa kwemisebenzi,futhi uMkhandlu angeke ubhekane nezindleko zokulahleka kumbe ukulimala okungenzeka.

(9) Akukho diphosithi yomsebenzi edingekayo uma kufakwe imitha elikhokhelwa ngaphambili lomsebenzi othile.

(10) Lapho kufakwa ugesi omusha ojwayelekile kanye/ noma amamitha amanzi kumakhasimende avele asebenzisa uhlelo lokukhokhela ngaphambili, lawo makhasimende angangena esivumalwaneni esibhaliwe noMkhandlu ukuqedela isikweletu, ngesikhathi esingeqile ezinyangeni eziyi-6, kubalwa nediphozithi.

5. Ukunqanyulelwa ngenxa yokungakhokhi

(1) Okuvamile

Imali yokuxhuma kabusha iyokhokhwa esimweni lapho amakhasimende

athola eminye imisebenzi kamasipala yanoma yiluphi uhlobo futhi asilela emuva nokukhokhela leyo misebenzi futhi nokunikezelwa kwamanzi kanye/ kumbe nogesi, okukhokhelwa ngaphambili kumbe okujwayelekile, sekunqanyuliwe noma kuncishisiwe.

(2) Izaziso kumakhasimende

(a) UMkhandlu, ngokubona kwawo, ungakhipha isaziso sokugcina noma ezinye izikhumbuzo kumakhasimende anama-akhawunti asilele emuva, ngaphambi kokuthi unqanyulwe.

(b) UMkhandlu ungakhipha incwadi yokugcina ephoqelela ukukhokhwa kwemali esilele mayelana nama-akhawunti ezikweletu aveza ukuthi kunemali esilele engakhokhiwe kwaze kwaphela izinsuku ezingaphezu kwama- 30, emva kwalokho i-akhawunti iyodluliselwa kubaqoqizimali, ngokwesigaba se-10, ngaphezu kuokuthi kunqanyulwe ukunikezelwa kwezidingo.

(3) Amanzi.

(a) UMkhandlu uyokhipha isaziso esibhalwe phansi kumakhasimende anamamitha amanzi ajwayelekile mayelana na-akhawunti kamasipala asilele emuva, uchaza izinhloso zawo zokunciphisa ukunikezelwa kwamanzi izinsuku ezibekiwe njengoba kuningwe esigabeni sesi-4 soMthetho Wokunikezelwa Kwamanzi we-1997 (uMthetho No. 108 we-1997) kanye/ kumbe iMithetho kaMasipala Yamanzi

(b) Ukunikezelwa kwamanzi kumakhasimende anamamitha amanzi ajwayelekile avezwe esigabeni sesi-5 (4) azokhawulwa emva kwesikhathi sokukhishwa kwesexwayiso ngokwe sigaba sesi-5 esingasasebenzi. Lawo makhasimende ayokhokhiswa imali efanele yokuxhuma kabusha.

(c) Ezimweni lapho ukulethwa kwamanzi sekukhawuliwe noma kunqanyuliwe, uMkhandlu ungafaka uhlelo lokuvimba ukuconsa kwamanzi ukwelekelela

ukuxhuma kabusha kanye nokukhawula. Umsebenzi ogcwele angeke wenziwe kabusha ngaphambi kokuthi i-akhawunti yemisebenzi kamasipala ikhokhwe ngokugcwele kumbe kwenziwe izinhlelo neMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali ngokweNqubomgomo Yokulawulwa Kwezikweletu kuphela uma lezo zinhlelo sezigunyaziwe.

(d) UMkhandlu akufanele uphoqeleke ukudayisela amakhasimende amanzi ngamamitha akhokhelwa ngaphambili uma ama-akhawunti abo nomasipala engakakhokhelwa ngokugcwele noma uma kunezinhlelo ezifanele ngokwesigaba sesi-7 zenziwe neMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali: futhi lezo zinhlelo sezigunyaziwe.

(e) Uma kunesidingo, wonke amanzi anqanyuliwe nalawo avinjwe emamitheni ayobekwa umaka ngokucacile ukuvimbela ukuthi amamitha avaliwe nanqanyuliwe abikwe njenganesici.

(f) Izisebenzi ezixhuma amapayipi, abafundi bamamitha kanye nosonkontileka abahlale belinde umsebenzi abavunyelwe ukusiza amakhasimende ngaphandle kwegunya elibhalwe phansi elivela oPhikweni Lokuqoqa Izikweletu loMkhandlu.

(g) Ezimweni lapho kutholakala ukuthi amanzi ayavuza emitheni lekhasimende futhi akakusukumeli ngokushesha ukulungiswa kwenkinga, kuyosetshenziswa ithuluzi eliguqukayo elivimba ukuvuza kwamanzi ukuze angamosheki futhi kuvimbeke inani lamanzi azokhokhelwa yikhasimende.

6. **Ukuthikameza**

(1) Lapho ukunikezwa kwamanzi kutholakala ukuthi kuthikanyeziwe noma imitha kweqisiwe, uMkhandlu, kuncike kule mithetho kamasipala kanye nomthetho osebenzayo, unganqamula ukunikezelwa futhi ukhokhise ikhasimende imali efanele yokuthikameza, inani elibaliwe okumele likhokhwe kanye nemali yokuxhuma kabusha ezimweni lapho ukunikezelwa kuhlukanisiwe kanye

nemali yokuxhuma ezimweni lapho ukunikezelwa kukhishiwe.

(2) Ezimweni lapho ubufakazi bushayisana phakathi kokusetshenziswa kwamanzi kanye nomlando wokuthenga impahla ethile, izaphulamthetho ziyojeziswa ngale ndlela elandelayo:

(i) Kuncike endimeni yesi-(ii) ukunikezelwa kuyohlukaniswa ngesikhathi sokuwufaka uma kusayicala lokuqala futhi ukhishwe uma sekujwayelekile.

(ii) Isaziso esibhalwe phansi siyonikezwa ikhasimende silazisa ngokwahlukaniswa kumbe ukukhishwa kanye nemali okumele ikhokhwe mayelana nokunqamula/ ukuxhuma kabusha kanye nenani okumele likhokhwe.

(iii) UMkhandlu uyobuyisela kuphela izidingo uma inani okukhulunywa ngalo endimeni yesi-(ii) isikhokhiwe.

(3) Ezimweni lapho ukuthikanyezwa okubukhoma kokunikezelwa kwamanzi kubonakele, izaphulamthetho ziyojezizwa ngale ndlela elandelayo:

(i) Ukunikezelwa kuyomiswa ngokushesha uma kusayicala lokuqala bese kususwa uma sekuyicala lesibili kumbe elilandelayo.

(ii) Isaziso esibhalwe phansi siyonikezwa ikhasimende, silazisa ngokumiswa kumbe ukususwa, kanye nemali okumele ikhokhwe mayelana nokuthikameza, ukuxhuma kabusha/ ukuxhuma kanye nenani elibaliwe.

(iii) UMkhandlu uyobuyisela izidingo kuphela uma imali okukhulunywa ngayo endimeni yesi-(ii) isikhokhiwe.

(4) Ngaphezu kwezihlinzeko zalo mthetho kamasipala, uMkhandlu ungaphoqelela nanoma yimaphi amanye amalungelo kumbe usebenzise

amandla onikwe wona uMthetho Obhekele Ezempilo kanye Nezokuphepha we-1993 (uMthetho No.85 we-1993) uMthetho Wemisebenzi Yamanzi we-1997 (uMthetho No. 108 we-1997), iMithetho kaMasipala Yezamanzi, kanye nanoma yimuphi omunye umthetho osebenzayo.

7. Izivumelwano kanye nezinhlelo zamakhasimende asilele emuva ngokukhokha

(1) IMenenja Yamasu okusebenza: Ezezimali kumbe isithunywa sayo bavumelekile ukungena ezivumelwaneni namakhasimende asilele kuma-akhawunti awo ukuthi babasize ngokuthi kwengezwe isikhathi sokukhokha kulawo asalele.

(2) IMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali inganquma, ngokubheeklela isisindo secala ngalinye, imali yokuqala okumele ikhokhwe njengengxenye yaleso sivumelwano kanye nesibalo senani elizokhokhwa njalo ngenyanga kuze kuphelele imali ebisilele kanye nesikhathi inkokhelo ezokwenziwa ngaso.

(3) IMenenja Yamasu okusebenza: Ezezimali ,kwamanye amacala futhi ngemvume yeMenenja kaMasipala, inganezela isikhathi sokukhokha ekukhulunywa ngaso esigabeni sesi-7 (2).

(4) Esikhathini lapho IMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali yenelisekile, ngesikhathi sokwenza izinhlelo futhi emva kocwaningo, ukuthi ikhasimende elinobufakazi beqiniso angeke likwazi ukukhokhela izidingo elizisebenzisile, imininingwane yalelo khasimende kumele irikhodwe futhi izinyathelo zomthetho ezizobe zithathelwe lelo khasimende ziyohlehliswa kumbe zihoxiswe, njengoba iMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali inganquma.

8. Ukuvuma isikweletu

(1) Yilabo bakweleti kuphela abakwazi ukuveza omazisi babo osemthethweni kumbe umsizi ogunyazwe ngamandla abameli abayovunyelwa ukugcwalisa isivumelwano sokuvuma isikweletu.

(2) Isivumelwano sokuvuma isikweletu kumele sibe nazo zonke izinhlelo zokukhokhela ama-akhawunti asalele. Ikhophi eyodwa yomqingo kumele ihanjiswe ekhasimendini futhi enye kumele ibekwe efayileni loPhiko Lokuqoqwa Kwezimali eMkhandlwini.

(3) Ikhasimende eselivele linikwe amasamanisi kumbe olunye uhlelo lomthetho ngabameli bomkhandlu lingafaka isicelo sezinsiza zikweletu. Kodwa-ke zonke izindleko zabameli esezenzekile ziyongena ngaphansi kwe-akhawunti yalo futhi yonke inkokhelo yokuqala okungenani uhhafu wemali yesikweletu esisele iyodingeka, kuhlanganisa nemali yabameli okumele ikhokhwe.

(4) Ukwahluleka ukugcina isivumelwano sokuvuma isikweletu kungenza ukuthi kumane kuvalwe ngokushesha, kunqanyulwe kumbe kumiswe ukulethwa kwezidingo ngaphandle kwesexwayiso, kanye nokuthathelwa izinyathelo zomthetho.

(5) Ezikhathini zonke lapho ikhasimende elisilele emuva nokukhokha lisebenza, uMkhandlu ungathola incwadi yokuzithandela yamaganishi noma incwadi yenzalo efakiwe.

9. Inzalo esilele emuva

(1) Inzalo iyokhokhwa uma i-akhawunti isidlulelwe yisikhathi ngenani lenzalo elinqunywe ngokwesisombululo soMkhandlu, kumbe uma singekho leso sinqumo, ebekwe ngokomthetho.

(2) Inzalo iyokhokhwa ngokwentela yempahla esidlulelwe yisikhathi njengoba inqunywe emthethweni osebenzayo.

10. Ukudlulisela

(1) UMkhandlu uyokhipha incwadi eyisibizo ephoqayo mayelana nama-akhawunti nawo wonke amakhasimende aveza ukuthi kunemali esisalele izinsuku ezingaphezu kwama-30 kanye, uma leyo-akhawunti isaqhubeka nokuveza imali esalele sekuphele izinsuku ezingama-60, leyo-akhawunti iyodluliselwa ophikweni loMkhandlu olufanele lokuqoqa izikweletu, kumbe kochwepheshe bangaphandle bokuqoqa izimali.

(2) Nakuba kungenasibopho, IMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali, uma kungenzeka, kumele iphenye izindlela zokusiza amakhasimende ngaphambi kokuthi idle impahla esusekayo kumbe engasuseki.

11. Ikhasimende alizikhetheli ukuthi lizokhokhela ini

Ikhasimende alinalo ilungelo lokwaba nanoma yiyiphi inkokhelo ekhokhwe engxenyeni ethile yesamba semali ekweletwayo. Ukwabiwa kwenkokhelo kwenziwa ngokubona kweMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali kuphela.

12. Igunya lokuqoka ochwepheshwe babaqoqi zimali

IMenenja Yamasu Okusebenza Ezezimali: inegunya lokuqoka ochwepheshe babaqoqizimali futhi kumele bangene ezivumelwaneni namagatsha athile ngokoMthetho Ophumelelayo Wokuqoqwa Kwezimali we -1997, uma kunesidingo.

13. Izinyathelo zokusiza abahola impesheni

(1) UMkhandlu unganikeza isaphulelo enteleni yesakhiwo kubantu abangabanikazi kanye nabahlala kuleyo ndawo uma beletha isicelo esibhalwe phansi njalo ngonyaka futhi bengakwazi ukuveza ubufakazi obugculisa iMenenja Yamasu Okusebenza: Ezezimali ehambisana nalezi dingo ezilandelayo:

CONTINUES ON PAGE 578—PART 3

KWAZULU-NATAL PROVINCE
KWAZULU-NATAL PROVINSIE
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

Provincial Gazette • Provinsiale Koerant • Igazethi Yesifundazwe

GAZETTE EXTRAORDINARY—BUITENGEWONE KOERANT—IGAZETHI EYISIPESHELI


(Registered at the post office as a newspaper) • (As 'n nuusblad by die poskantoor geregistreer)
(Irejistiwee njengephephandaba eposihhovisi)

Vol. 4

PIETERMARITZBURG,
1 NOVEMBER 2010
1 KULWEZI 2010

No. 516

We all have the power to prevent AIDS



AIDS
HELPLINE
0800 012 322
DEPARTMENT OF HEALTH

Prevention is the cure

N.B. The Government Printing Works will not be held responsible for the quality of "Hard Copies" or "Electronic Files" submitted for publication purposes

PART 3 OF 3

10516
9771994455008

(a) Umfakisicelo kumele abengumkhokhi wentela futhi abe neminyaka engama-60 noma ngaphezulu kumbe ohola impesheni ohlala kuleyo ndawo; kumbe ngumkhokhi wentela othola isibonelelo sabakhubazekile kuhulumeni wasekhaya noma esikhwameni sempesheni esibhalisiwe.

(b) Umfakisicelo kumele abe ngumnikazi waleyo ndawo yokuhlala futhi leyo ndawo kumele ibhaliswe egameni lakhe (Izinhlangano ezididiyelwe azivumelekile).

(c) Isamba seholo lonyaka wonke somfakisicelo akufanele sibe ngaphezu kwenani elinqunywe nguMkhandlu ngaphambili.

(d) Umfakisicelo kumele alethe incwadi eyisiqinisekiso efungelwe eveza ukuthi-

(i) iholo eliveziwe yilona kuphela iholo aphila ngalo umholimpesheni.
(ii) iholo lakhe alidluli inani elisendimeni (c) futhi
(iii) uhlala ngokugcwele kuleyo ndawo yokuhlala.

(2) Zonke izicelo kumele zihanjiswe ngaphambi kosuku olunqunyiwe futhi azikho izicelo eziyokwamukelwa ezifike emva kwalolo suku.

(3) Isicelo esisha kumele senziwe njalo ngonyakazimali.

(4) Amaphesenti ayisaphulelo abalulwe endimeni (1)(a), nomkhawulo owubukhulu bokugcina beholo obalulwe endimeni (1)(c), kanye nosuku lokuvala lokufaka izicelo olubalulwe endimeni (2) kuyonqunywa njalo ngonyaka ngokuvuma kwesabelomali futhi kumele kukhangiswe zingakapheli izinsuku ezingama-30 emva kwalokho.

14. **Ukushayisana kwemithetho**

Uma kukhona ukuphikisana phakathi kwale Mithetho kaMasipala kanye neminye imithetho yoMkhandlu emaqondana nokulawulwa kwezikweletu, le mithetho kaMasipala yiyona eyosetshenziswa.

UMkhandlu kaMasipala wase-Richmond, usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, sifundwa ngokuhlanganyela nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo zikaMasipala (UMthetho No. 32 wezi- 2000) lapha ushicilela iMithetho yawo kaMasipala Yempilo Yomphakathi.

IMITHETHO KAMASIPALA YEMPILO YOMPHAKATHI

ISAHLUKO 1:

UKUHUNYUSHWA KANYE NEMIGOMO EQAVILE

1. Izincazelo

Kule Mithetho Kamasipala, ngaphandle uma ingqikithi ichaza okunye –

"okulingene" uma kusetshenziselwe ukuchaza izinga noma indlela lapho nanoma yini edingwa yile Mithetho kaMasipala kumele yenziwe, kuchaza izinga noma indlela ngokubona kwesisebenzi esigunyaziwe elingene ukuqapha impilo yomphakathi nokuphumelelisa inhloso kanye nokusebenzisa imigomo yale Mithetho kaMasipala;

"ukuvunyelwa" uma kusetshenziselwe ukuchaza into ethile, isikali noma impahla kuchaza into, isikali noma impahla esivunyiwe ngokwesigaba 12 njengoba yanele ukuvikela izimo ezithile noma ukunciphisa ukuze kufinyelele ezingeni elamukelekile eMkhandlwini, ukuba sengcupheni kwempilo yomphakathi noma inkathazo empilweni yomphakathi yenzeka, iqhubeka kumbe iphinde yenzeka;

"isisebenzi esigunyaziwe" kuchaza isisebenzi esigunyazwe nguMkhandlu ngenhloso yale Mithetho kaMasipala ukwenza nokusebenzisa eminye noma yonke imisebenzi ngokwale Mithetho kaMasipala kumbe ngokwezihlinzeko zanoma yimuphi omunye umthetho;

"isaziso sokuhambisana" kuchaza isaziso esikhishwe ngokwesigaba 20 ukuhambisana nale Mithetho kaMasipala noma nemvumwe ekhishwe ngokwale Mithetho kaMasipala;

"uMkhandlu" kuchaza uMasipala wase-Richmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo Masipala noma IKomidi lawo

Eliphethe kumbe noma yiluphi olunye uhlaka olusebenza ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kumbe nanoma yisiphi iSikhulu esigunyazwe nguMkhandlu sanikwa amandla nemisebenzi maqondana nale Mithetho kaMasipala;

"indawo yase-Richmond" kuchaza indawo engaphansi koMkhandlu ngokomthetho;

"iMenenja kaMasipala" kuchaza umuntu oqokwe kanjalo nguMkhandlu ngokwesigaba 82 soHulumeni Basekhaya: UMthetho Wezinhlaka zikaMasipala, we-1998 (uMthetho No.117 we-1998);

"umhlali" mayelana nanoma yiliphi igceke, kuchaza noma yimuphi umuntu-

(a) ohlala kulelo gceke;

(b) oqashe kulelo gceke;

(c) ongahlali kulelo gceke kodwa onegunya lokwenza njalo; noma

(d) ophethe lesakhiwo kumbe ibhizinisi kuleso sakhiwo okunguye omele lo muntu oshiwo ku (a),(b) noma (c);

(e) "uhlaka lukahulumeni" kuchaza uhlaka lukahulumeni njengoba kuchazwe kwisigaba 239 soMthethosisekelo woMthetho waseRiphablikhi yaseNingizimu Afrika, we-(1996) (Umthetho No.108 we-1996)

"umnikazi" , mayelana nanoma yimuphi amagceke, kuchaza-

(a) umuntu ogama lakhe lirejistwe kwitayitela legceke futhi lihlanganisa umnikazi welayisensi yaleso siqinti; noma

(b) uma umuntu oshiwo ku (a) eshonile, ehluleka ukukhokha izikweletu, egula ngengqondo, esemncane noma engawazi umthetho, umshushisi, umgadi noma omunye umuntu onegunya ngokomthetho lokuphatha impahla yalowo muntu;

"imvume" kuchaza imvume yempilo yomphakathi enikezwe nguMkhandlu ngokwesigaba 11;

"umuntu" kuchaza umuntu qobo lwakhe kumbe umuntu ngokubuka komthethoisazi somthetho futhi kuhlanganisa nohlaka lukahulumeni;

"izinambuzane" kuchaza nanoma yisiphi isilwane ezingadala ingozi ezimpilweni zabantu noma inkathazo ezimpilweni zabantu uma zivela ngobuningi nangaphandle kokukhawulwa okuhlanganisa amagundane, izimpuku, izimpukane, omiyane kanye namaphela;

"amagceke" kuchaza-

(a) nanoma yiyiphi indawo engenamabhilidi kumbe ezinye izakhiwo kuyo;

(b) nanoma yiliphi ibhilidi kumbe esinye isakhiwo kanye nendawo esakhiwe kuyo; noma

(c) nanoma yiyiphi indawo encikene nendawo eshiwo ku (a) noma ku (b) noma yiliphi ibhilidi kumbe esinye isakhiwo kuleyo ndawo, uma indawo, ibhilidi noma isakhiwo sisetshenziswa mayelana nanoma yimuphi umsebenzi owenziwayo kwizakhiwo ezibalulwe ku (a) noma ku(b); kumbe;

(d) nanoma yimuphi umkhumbi, imoto noma yisiphi isakhiwo esisusekayo esisetshenziselwa ukusebenza okuhleliwe;

"Inani elinqunyiwe" kuchaza inani elinqunywe nguMkhandlu isikhathi ngesikhathi ngokwengokhelo yoMkhandlu emisiwe yabakhokhi ntela.

"isaziso sesivimbelo" kuchaza isaziso esikhishwe ngokwesigaba sama-21;

"impilo yophakathi" kuchaza ukuphila kwabantu ngokwengqondo nangokomzimba nangendlela abaphila ngayo abantu basendaweni yaseRichmond;

"ubungozi bempilo yomphakathi" kuchaza noma yibuphi ubungozi empilweni yomphakathi; futhi ngaphandle komkhawulo, okuhlanganisa-

(i)izimo ezibalulwe esigabeni 5 (3);

(j)izimo ezingenanhlanzeko;

(k) izimo ezenza kube lula ukwanda kwezifo ezithelelanayo;

(l) izimo ezenza ukudla neziphuzo (kuhlanganisa amanzi aphuzwa emakhaya) kungahlanzeki noma kungaphephi ukuthi kungadliwa kumbe kuphuzwe; kanye

(m) nezimo ezingavumela ukuhlupha kwezinambuzane ezindaweni lapho

zingahlukumeza impilo yomphakathi;

"inkathazo yempilo yomphakathi" kuchaza ukusetshenziswa kwanoma yimaphi amagceke kumbe indawo ngendlela ebeka impilo yomphakathi engcupheni kumbe okungavumelana nokubhekela impilo yomphakathi esezingeni eliyize noma okuncane, futhi okungenasilinganiso, kubalwa lezo zimo lapho inkathazo yempilo yomphakathi kubonakala ukuthi ikhona ngokwesigaba 7;

"indawo yomphakathi" kuchaza nanoma yimuphi umgwaqo, isitaladi, indlela, ibhuloho, ibhuloho elingaphezulu, umgwaqo oguduza ngaphansi, unqenqema lokuhamba ngezinyawo, indlela yezinyawo, indlela eseceleni, indlela engumhume, indawo evulelekile, ipaki, indlela, irenki yamabhasi kumbe yamatekisi, indawo evalekile engaphansi kuMkhandlu futhi kuhlanganisa nanoma yimuphi umgwaqo, indawo, kumbe indlela esetshenziswa ngumphakathi ngaphandle kokuthikamezeka kumbe umphakathi onelungelo lokuyisebenzisa;

"ukusetshenziswa ngokwesheduli" kuchaza uhlu olusetshenziswa kwiSheduli Yokuqala .

Ngaphandle uma ingqikithi ichaza ngokunye, nanoma yiliphi igama noma itemu elichaziwe kwisheduli linencazelo efanayo nalapho lisetshenziswe khona kule Mithetho kaMasipala.

2. **Inhloso**

Inhloso yale Mithetho kaMasipala ukuvumela uMkhandlu ukuba uvikele futhi uqhakambise impilo ende nokuphila kahle kwabantu basendaweni yaseRichmond-

(a) ngokubanhlinzeka, ngokuhlanganyela nomunye umthetho ofanele, uhlaka lomthetho nokuphathwa kwehhovisi olusebenzayo lapho uMkhandlu-

(i) ungaphatha bese ulawula imisebenzi engaba negalelo elihle empilweni yomphakathi ; bese

(ii) kudingeka ukuthi amagceke anakekelwe futhi aphathwe ngendlela efanele kanye

(c) nangokuchaza kahle amalungelo nezibopho zoMkhandlu kanye nomphakathi maqondana nale nhloso.

ISAHLUKO II:
IMIGOMO YEMPILO YOMPHAKATHI

3. **Imigomo**

(1) Wonke umuntu unelungelo ngokomthethosisekelo lokuba sendaweni engenabungozi empiweni yakhe kumbe ekuphileni kahle kanye nokuthola amanzi anele futhi uMkhandlu unomsebenzi ngokomthethosisekelo wokusebenza, ngokwamandla ezimali nokuphatha kwawo, wokuthuthukisa inhlalo ephephile nevikelekile.

(0) Into enobungozi empilweni yomphakathi eyenzekayo, eqhubekayo kumbe elokhu yenzeka kumele isuswe nanoma yingayiphi indlela, uma kungeke kwenzeke kanjalo, kumele incishiswe ngendlela ezokwamukeleka eMkhandlwini.

(0) Nanoma yimuphi umuntu ongumnikazi noma osebenzisa emagcekeni asendaweni yaseRichmond kumele aqikelele ukuthi asetshenziswa futhi anakekelwa ngendlela eqinisekisa ukuthi akwenzeki ubungozi kanye nenkathazo ezimpilweni zomphakathi kuwo la magceke.

(2) Nanoma yimuphi umuntu onesifiso sokwenza umsebenzi ongadala ingozi ezimpilweni zomphakathi okungaphezu kokungabaluleki noma obukeleka phansi kumele –

(a) athathe izinyathelo ezifanele zokwehlisa lobo bungozi, uma kungaphumeleleki ukwehlisa ubungozi bube sezingeni elamukelekile eMkhandlwini; futhi

(b) athwale izindleko zokuthatha lezo zinyathelo kanye nezindleko ezithwalwe nguMkhandlu ukuqinisekisa ukuthi ubungozi buyancishiswa kumbe buhliselwa ezingeni elamukelekayo.

(3) UMkhandlu kumele ulawule yonke imisebenzi bese uphatha zonke izindaba enesibopho sazo ngokusemthethweni ngendlela –

(a) egwema ukwenzeka kobungozi noma inkathazo empilweni yomphakathi;

(b) eyenza kungabilula ukwanda kwezifo zabantu kumbe izilwane;

(c) engandisi izimo ezinokungcola noma ukungahlanzeki;

(d) egwema ukudla noma uphuzo olungaphephile ukuba kudliwe noma luphuzwe;

(e) egwema izimo ezingabhebhethekisa izinambuzane; kumbe

(f) uma kungenzeka, ethuthukise impilo yomphakathi wasendaweni yaseRichmond.

(4) Ukubhekana nezindaba ezithinta impilo yomphakathi uMkhandlu kumele-

(a) usebenzise indlela yokuqaphela futhi engenabungozi;

(b) ubeke phambili izintshisekelo ezibumbene zabantu basendaweni yaseRichmond nabaseNingizimu Afrika, ngaphezu kwezintshisekelo zanoma yiliphi iqembu kumbe umkhakha womphakathi;

(c) ubhekele ukuphatha ngokungalingani kwaphambilini ekuphatheni kanye nokulawulwa kwemisebenzi engaba nomthelela empilweni yomphakathi bese ulungisa lokhu kungalingani ngendlela enokulingana futhi engacwasi;

(d) usebenzise indlela ebhekelela izintshisekelo zezizukulwane ezizayo; futhi

(e) ubhekelele, nanoma yingayiphi indlela ngaphandle kokubeka engcupheni impilo yomphakathi, ukunciphisa izinto ezingaba nomthelela omubi kwezinye izinto eziphilayo kanye nasezitshalweni.

4. **Ukusetshenziswa kwemigomo**

Imigomo yempilo yomphakathi ebekwe esigabeni 3 kumele ilandelwe futhi isetshenziswe yinoma yimuphi umuntu-

(a) osebenzisa amandla noma umsebenzi kumbe owenza umsebenzi ngaphansi kwale Mithetho kaMasipala;

(b) owakha kumbe oqalisa ukusebenza kwanoma yiyiphi inqubomgomo engaba nomthelela obalulekile kumbe omayelana nokuqhutshwa kwemisebenzi engaba nomthelela empilweni yomphakathi waseRichmond;noma

(c) osebenzisa amandla omphakathi noma umsebenzi kumbe owenza umsebenzi womphakathi endaweni yaseRichmondongaba nomthelela obalulekile empilweni yomphakathi wasendaweni yaseRichmond.

ISAHLUKO III:
UBUNGOZI EMPILWENI YOMPHAKATHI

5. **Isivimbelo ekudaleni ubungozi empilweni yomphakathi**

(1) Akukho muntu ongenza into enobungozi empilweni yomphakathi nanoma yikuphi endaweni yaseRichmond.

(0) Bonke abanikazi noma abahlali bamagceke kumele baqikelele ukuthi izinto ezinobungozi empilweni yomphakathi azenzeki emagcekeni.

(0) Umnikazi noma umhlali wamagceke wenza ubungozi empilweni yomphakathi uma-

( ) amagceke ezinambuzane noma izinambuzane zanda ngamandla emagcekeni;

( ) kunezimo emagcekeni ezenza kube lula ukubhebhetheka kwezifo ezithathelanayo;

( ) kunezimo ezingenayo inhlanzeko kunoma yiyiphi ingxenye yamagceke; kumbe

( ) nanoma yikuphi ukunikezelwa kwamanzi asetshenziswa ekhaya emagcekeni kungaphephile ukuthi angasetshenziswa ngabantu.

(0) Nanoma yimuphi umuntu owaphula kumbe ohluleka ukulandela isigatshana (1) noma (2) wenza icala.

6. **Isibopho sokubika**

(1) Umnikazi noma umhlali wamagceke owaziyo ngobungozi empilweni yomphakathi obusemagcekeni lawo kumele engakapheli amahora angama-24 ekubonile ubungozi-

(a) asuse lobo bungozi empilweni yomphakathi; noma

(b) uma umnikazi noma umhlali ehluleka ukulandela isigatshana(a), kumele athathe izinyathelo ezifanele ukunciphisa ubungozi empilweni yomphakathi bese ebika lobo bungozi eMkhandwini.

(2) Umnikazi noma umhlali ohluleka ukulandela isigatshana (1) wenza icala.

ISAHLUKO IV:
INKATHAZO EMPILWENI YOMPHAKATHI

1. Isivimbelo ekubangeni inkathazo empilweni yomphakathi

(1) Akukho muntu ongenza inkathazo empilweni yomphakathi nanoma yikuphi endaweni yaseRichmond.

(2) Bonke abanikazi noma abahlali bamagceke kumele baqikelele ukuthi inkathazo empilweni yomphakathi ayenzeki emagcekeni.

A **Izinkathazo ezivamile**

Umnikazi noma umhlali wamagceke udala inkathazo empilweni yomphakathi-

(1) nanoma yimuphi umfudlana, idamu lokubhukuda, ixhaphozi, udongana, umsele wamanzi, umzila wamanzi, ithangi lamanzi, indlu yangasese eshaywayo, indlu yangasese ewumgodi, umchamo, umgodi wokungcolile, umgodi wokuthuthela okungcolile, umsele, ipayipi lokuthutha indle, umgodi womquba, ithangi lokuchitha, inqwaba yomquba noma ingqumbi yomquba ovundile kumbe okukuleso simo okubekwe noma okwakhiwe ngendlela enokuhlukumeza noma enokulimaza kumbe enobungozi empilweni;

(1) nanoma yisiphi isitebela, isibaya, ishede, indlwana noma amagceke asetshenziselwa ukugcina izilwane noma izinyoni futhi akhiwe, abekwe, asetshenziswa noma agcinwa ngenhloso yokuhlukumeza noma yokulimaza noma eyingozi empilweni;

(2) nanoma yikuphi ukunqwabelana kwezibi, imfucumfucu, umanyolo noma okunye okuhlukumezayo kumbe okulimazayo kumbe okuyingozi empilweni;

(3) nanoma yiliphi ibhilidi lomphakathi elitholakala, elakhiwe, elisetshenziswa noma eligcinwe ngokungaphephile noma ngokulimazayo kumbe ngokuyingozi empilweni;

(5) nanoma yiliphi ibhilidi elakhiwe emagcekeni ngaphandle kokuqala ngokususa noma ngokuhlanza ngendlela evunyiwe, nanoma yiyiphi indle, isilwane noma udoti wezitshalo ochithwa ezakhiweni;

(1) nanoma yiyiphi indawo yokuhlala engenakho ukunikezelwa kwamanzi ahlanzekile futhi anele ebangeni elifanele;

(2) nanoma yimaphi amagceke amafemu noma amabhizinisi angagciniwe esimweni esihlanzekile futhi angenalo iphunga elihlukumezayo eliphuma emiseleni, ezindlini zangasese ezishaywayo, ezindlini zangasese eziwumgodi, ezindaweni zokuchama abesilisa kumbe kunoma yikuphi, kumbe angenazo izindawo ezingenisa umoya ukuze kuphele nanoma yiliphi iphunga legesi noma okunye ukungcola okwenzekile, kumbe agcwele kakhulu noma angenakho ukukhaya okufanele noma angenazo izindawo ezingenisa umoya ngendlela elimazayo noma eyingozi empilweni yalabo abaqashwe lapho;

(3) nanoma yimaphi amafemu noma amabhizinisi abangela noma aletha iphunga elihlukumezayo kumbe elilimazayo noma elinobungozi empilweni;

(4) nanoma yimuphi umhlaba ogcinelwe noma oevunyelwe ukuhlala ukuleso simo esihlukumezayo; kumbe

(10) nanoma yimuphi omunye umsebenzi, isimo noma into ebikwe njengenkathazo nguNgqongqoshe ngokwezihlinzeko zesigaba 39 (2) soMthetho wezeMpilo No. 63 we-1975.

B **Ukulawulwa kwezinambuzane**

Umnikazi noma umhlali wamagceke wenza inkathazo empilweni yomphakathi uma-

(1) udoti noma ukhula lushiywa noma lugcinwa ngendlela eheha amagundane noma ezinye izinambuzane emagcekeni;

(2) izimpukane ziheheka, kumbe zingazalana zikhule ngamandla ngoba-

(a) umquba obolile onganele noma izinsalela zisetshenziswa zigciniwe; noma

(b) nanoma yiyiphi enye into eheha izimpukane isetshenziswa kumbe igciniwe ngaphandle kwenhloso yokubamba noma yokubulala zona izimpukane;

(3) omiyane benganda ngamandla ngoba -

(a) okokuphatha lapho omiyane banganda khona, njengamabhodlela, izitsha zobumba, kanye namathini, ashiyiwe noma agciniwe emagcekeni;

(b) amathangi, imiphongolo kanye nokokuphatha lapho omiyane benganda khona akuvaliwe ngesembozo sokuvika omiyane kumbe ucingo oluwulwembu olwenziwe njengompheme wokuvikela omiyane ukuba bangatholi indlela yokungena emanzini aqukethwe yizona;

(c) umsele wamanzi kanye namapayipi ahamba phansi antekenteke noma avimbene ngokuma ndawonye okwenza ukuthi amanzi aqongoleleke khona; noma

(d) izinyathelo esezivunyiwe azikathathwa ukuvikela ukwanda komiyane emachibini, emigodini noma emithonjeni.

(4) Lezi zinyathelo ezilandelayo zithathwa njengezinyathelo ezivunywe ngenhloso yendima yesi-7B (3)(d)-

(a) ukumuncwa kwamanzi aqongelelekile okungenani kanye ezinsukwini eziyisikhombisa;

(b) ukwemboza amanzi aqongelelekile anamafutha okungenani kanye ezinsukwini eziyisikhombisa;

(c) esimweni semithombo, ukuhlinzeka ngesembozo sokuvika omiyane kanye nephampu yamanzi;

C **Ukungcoliswa komoya**

Umnikazi noma umhlali wagceke wenza inkathazo empilweni yomphakathi uma-

(1) nanoma yimuphi udoti ushiselwa ngaphandle ,ngaphandle kokusebenzisa izinsiza ezivumelekile;

(2) umlotha, ugedlana,umule kumbe intuthu ephuma kunoma yimuphi ushemula emagcekeni ngendlela noma ngenani elanele ukuba nomthelela omubi empilweni yomphakathi;

(3) ukwakhiwa kumbe ukubhidlizwa kwebhilidi kumbe isakhiwo kudala izintuli eziphumela ezakhiweni eziseduze ngendlela kumbe ngenani elanele ukuba nomthelela omubi empilweni yomphakathi;

ISAHLUKO V:
UKUSETSHENZISWA KWAMAGCEKE OKUNGABA NOBUNGOZI

8. **Umsebenzi wokwenza uhlu lokusetshenziswa okungaba yingozi**

Uma uMkhandlu ukholelwa ukuthi nanoma yimaphi amagceke endaweni yase-Richmond sezike zasetshenziswa kumbe kungenzeka zisetshenziswa izikhathi ngezikhathi ngenhloso kumbe ngendlela ebange kumbe engabanga, ingozi empilweni yomphakathi, noma yenze inkathazo empilweni yomphakathi ngaphandle uma kuthathwa izinyathelo ezifanele ukuvimba ukuba sengcupheni kumbe ukwehlisela ezingeni elamukelekile, uMkhandlu kumele wenze uhlu lwemisebenzi kwiSheduli kule Mithetho kaMasipala futhi unqume izinyathelo okumele zithathwe ukuvikela ukuba sengcupheni kumbe ukwehlisela ezingeni elamukelekile eMkhandlwini.

9. **Ukusetshenziswa kweSheduli**

(1)Nanoma yimuphi umuntu osebenzisa amagceke ngendlela kumbe ngenhloso ebhalwe kwiSheduli ebalulwe esigabeni 8 kumele ahambisane nazo zonke izihlinzeko ezibekwe kwiSheduli ezimayelana nalokho kusetshenziswa ngaphandle uma lowo muntu exoleliwe ngaphansi kwesigaba 10 ngokuhambisana nanoma yisiphi isihlinzeko.

(2) Nanoma yimuphi umuntu osebenzisa amagceke ngendlela kumbe ngenhloso ebhalwe kwiSheduli Yesibili kumele athole imvume ngaphansi kwesigaba 11 ngaphambi kokuqala ukuwasebenzisa futhi kumele ahambisane nemigomo nemibandela yemvume.

10. **Isitifiketi sokukhululwa**

(1)Nanoma yimuphi umuntu ofuna ukwenza umsebenzi ohleliwe kunoma yimaphi amagceke kepha ofisa ukukhululwa ngokuvumelana nezidingo zesheduli efanele,

angafaka isicelo eMkhandlwini ngokuhambisana nesigaba 13 mayelana nesitifiketi sokukhululwa.

(3) UMkhandlu ungakunika isitifiketi sokukhululwa ngaphansi noma ngaphandle kwemibandela uma isisebenzi esigunyaziwe saneliseka ukuthi-

(a) izinyathelo ezithathiwe ukuvikela noma ukunciphisa ukuba sengcupheni kwempilo yomphakathi okubangelwa ukusetshenziswa okuhleliwe okufana kumbe okungcono kunezinyathelo ezidingwa yisheduli efanele;kanye

(b) nokusetshenziswa okuhleliwe lapho ukuxolelwa okudingekayo kungajwayele ukudala ingozi kumbe inkathazo empilweni yomphakathi.

11. **Incwadi yemvume yempilo yomphakathi**

(1) Nanoma yimuphi umuntu ofuna ukwenza umsebenzi ohleliwe obhalwe kwiSheduli Yesibili kumele afake isicelo esibhaliwe eMkhandlwini ngokuhambisana nesigaba 13 esimayelana nemvume yempilo yomphakathi.

(2) UMkhandlu ungakhiphela umnikazi noma umhlali wanoma yimaphi amagceke angaphansi kwegunya lawo ngokomthetho incwadi yemvume yempilo yomphakathi uma isisebenzi esinegunya saneliseka ukuthi ukusetshenziswa okudinga imvume angeke kubeke engcupheni impilo yomphakathi noma kudale inkathazo empilweni yomphakathi.

(3) Incwadi yemvume yempilo yomphakathi-

(a)kumele ikhishwe ngokuncike kwimibandela ehlose ekunciphiseni ukuba sengcupheni kwempilo yomphakathi okwenziwe ukusebenza okuhleliwe, kube sezingeni elamukelekile eMkhandlwini;

(b)ingakhululula umnikazi wencwadi yemvume ngokuhambisana nesisodwa noma ngaphezulu isihlinzeko seshedule efanele, uma umuntu onegunya lokukhipha incwadi yemvume ekholwa ukuthi incwadi yemvume idinga umphathi wencwadi yemvume ukuba athathe izinyathelo ezingagwema noma ezinganciphisa ukuba sengcupheni kwempilo yomphakathi engadalwa imisebenzi efana noma engcono kunezinyathelo ezidingwa yisheduli efanele,

(c) ingavuma noma yiziphi izinyathelo kumbe impahla exhumene nomsebenzi

ogunyazwe yincwadi yemvume ekumele zivunywe ngokweMithetho kaMasipala

12. **Ukuvunyelwa kwezinyathelo kanye nezimpahla.**

(1) UMkhandlu ungavuma noma yiyiphi into kumbe impahla esetshenzisiwe, kumbe nanoma yiziphi izinyathelo ezithathiwe ngaphansi kwezimo ezibaluliwe ezanele ukunciphisa ukuba sengcupheni kwempilo yomphakathi kanye nenkathazo eyenzekayo, eqhubekayo noma esazophinde yenzeke, noma ukunciphisa ukuba sengcupheni kube sezingeni elamukelekile eMkhandlwini.

(2) Into, impahla kumbe izinyathelo ezibalulwe esigatshaneni soku-(1) zingavunywa uMkhandlu -

(a) encwadini yemvume yempilo yomphakathi ; noma

(b) ezinkombandleleni ezinqunywe nguMkhandlu ngokwesigatshana sesi-(3).

(3) UMkhandlu ungashicilela izinkombandlela kwiGazethi yesiFundazwe echaza-

(a) izinyathelo ezifanele okumele zithathwe kanye nezinto kanye nezimpahla ezingasetshenziswa, ukunciphisa ukuba sengcupheni kwempilo yomphakathi noma inkathazo eyenzekayo, eqhubekayo kumbe esazophinde yenzeke, noma ukunciphisa lokho kuba sengcupheni kube sezingeni elamukelekile eMkhandlwini; futhi

(b) izimo lapho ukuthatha lezi zinyathelo kumbe ukusebenzisa lezi zinto nalezi zimpahla kwamukelekile eMkhandlwini.

13. **Inqubo yokufaka izicelo**

(1) Nanoma yimuphi umuntu ofuna ukuthola incwadi yemvume noma isitifiketi sokukhululwa kumele afake isicelo esibhaliwe eMkhandlwini efomini elibalulwe nguMkhandlu, ngaphambi kokwenza umsebenzi ohleliwe.

(0) Uma UMkhandlu ususitholile isicelo sencwadi yemvume noma sesitifiketi sokukhululwa kumele uqikelele ukuthi amagceke afanele ahloliwe yisisebenzi esinegunya ngokukhulu ukushesha.

(0) Ngaphambi kokunquma ukuthi siyavunywa noma asivunywa isicelo esibalulwe esigatshaneni soku-(1) uMkhandlu-

( ) kumele uqikelele ukuthi nanoma yibaphi abantu abasendaweni eseduzane nezakhiwo impilo yabo noma ukuphila kwabo okungahlukumezeka uma amagceke esetshenziselwa umsebenzi ohleliwe, kuthintaniwe nabo futhi babe nalo ithuba lokwenza izethulo;futhi

( ) ungacela umfakisicelo ukuba ahlinzeke ngemininingwane eyengeziwe uMkhandlu oyithatha njengebalulekile ezowusiza ukuthi uthathe isinqumo esifanele.

(0) Ekuthatheni isinqumo sokunikwa noma sokunganikwa incwadi yemvume noma isitifiketi sokukhululwa kanye nokuthi yimiphi imigomo nemibandela, uma ikhona, okumele ifakwe kuyona, uMkhandlu kumele usebenzise imigomo yempilo yomphakathi ebekwe esigabeni 3 .

14. **Imigomo evamile esebenzayo ezincwadini zemvume kanye nasezitifiketini.**

(1) Incwadi yemvume noma isitifiketi sokukhululwa-

(c) asidluliselwa komunye umuntu; futhi

(d) sisebenza kulawo magceke kuphela esiqondene nencwadi yemvume noma isitifiketi.

(2) Zonke izincwadi zemvume noma isitifiketi sokukhululwa-

(a) kumele sicacise ikheli kanye neminye imininingwane emayelana nendawo eqondene namagceke;

(b) kumele sichaze amagceke athintekayo;

(c) kumele sichaze umsebenzi oqondene naso;

(d) kumele sichaze imigomo nemibandela ; futhi

(e) sicacise ukuthi siphela nini.

(3) UMkhandlu ungakhokhisa abafakisicelo imali enqunyiwe ukubhekisisa kanye nokunikeza incwadi yemvume noma isitifiketi sokukhululwa.

(4) UMkhandlu unganqaba ukubhekisisa isicelo kuze kube ukuthi uhlinzekwa ngayo

yonke imininingwane edingekayo ukwenza isinqumo esiphusile futhi kuze kube ukuthi imali enqunyiwe (uma ikhona) iyakhokhwa.

15. **Ukumiswa, ukuchithwa kanye nokuchibiyelwa kwezincwadi zemvume kanye nezitifiketi zokukhululwa**

(1)Isisebenzi esinegunya ngokubhala isaziso esiya kumphathi wencwadi yemvume noma isitifiketi sokukhululwa, singamisa, sichibiyele noma sichithe imvume noma isitifiketi.

(1) Isisebenzi esinegunya singamisa noma sichithe incwadi yemvume noma isitifiketi sokukhululwa ngalesosikhathi uma -

(a) Isisebenzi esinegunya sikholwa ukuthi kunesidingo esiphuthumayo sokuqeda noma sokunciphisa ubungozi obungenzeka empilweni yomphakathi okudalwa yinkathazo empilweni yomphakathi; futhi

(b) uma umphathi wemvume noma wesitifiketi ehluleka ukulandela isaziso esiveza ukuthi imvume noma isitifiketi singamiswa noma sichithwe ngaphandle kokuphinde waziswe uma umphathi wemvumve ehluleka ukulandela isaziso sokuzibophezela.

(2) Isisebenzi esinegunya singamisa noma sichithe incwadi yemvume noma isitifiketi sokukhululwa emva kokunika umphathi wemvume ithuba elenele lokwenza zethulo zokuthi kungani imvume noma isitifiketi kungafanele simiswe noma sichithwe uma-

(a) isisebenzi esinegunya sikholwa ukuthi kufanele siqede noma sinciphise okungabeka sengcupheni impilo yomphakathi okudalwa yingozi noma inkathazo empilweni yomphakathi;noma

(b) umphathi wemvume kumbe isitifiketi ehluleka ukulandela isaziso sokuzibophezela.

(4)Isisebenzi esinegunya singachibiyela incwadi yemvume noma isitifiketi sokukhululwa ngokusayina incwadi yemvume noma isitifiketi kumbe ngokubhalela umphathi wemvume isaziso, uma isisebenzi sezempilo sikholwa ukuthi kunesidingo sokuvikela impilo yomphakathi noma ukubhekisisa izinguquko ezenzekile kusukela kukhishwe incwadi yemvume kumbe isitifiketi sokukhululwa.

ISAHLUKO VI:

UKUQALISA KOKUSEBENZA KANYE NOKUPHOQELELA

16. **Ukuqokwa kanye nokuhlonzwa kwabasebenzi bezempilo**

(1) Umkhandlu kumele ukhiphe ikhadi lokuzazisa esisebenzini ngasinye esinegunya.

(1) Ikhadi lokuzazisa kumele-

(a) liqukathe isithombe esisha sesisebenzi esinegunya;

(b) lisayinwe yisisebenzi esinegunya; bese

(c) lihlonze umuntu oyisisebenzi esinegunya.

(2) Isisebenzi esinegunya kumele siveze ikhadi laso lokuzazisa ukuze kugqame noma alikhiphe uma ecelwa yinoma yimuphi umuntu mayelana namandla asetshenziswa yisisebenzi esinegunya ngaphansi kwale Mithetho kaMasipala.

(3) Uma noma yingasiphi isizathu, kungenzeki ukuthi uhambisane nesigatshana sesi-(4),isisebenzi esinegunya singakhipha ikhadi lokuzazisa ukuze lihlolwe umuntu onelungelo lokulibona ngethuba lokuqala.

17. **Amandla avamile esisebenzi esinegunya**

(1) Isisebenzi esinegunya ngokwenhloso yokuqalisa noma yokuphatha noma yimaphi amandla noma umsebenzi ngaphansi kwale Mithetho kaMasipala

(a) singa-sebenzisa noma yimaphi amandla anikezwe lesosibenzi ngokwale Mithetho kaMasipala kumbe omunye umthetho osebenzayo;

(b) singakhipha isaziso sokuzibophazela ngokwesigaba sama-20 esidinga noma yimuphi umuntu ukuba alandele izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala;

(a) singakhipha isaziso sesivimbelo ngokwesigaba sama-21 esivimbela noma yimuphi umuntu ukwenza umsebenzi;

(b) singathatha izinyathelo ngokwesigaba sama-23 ukususa kanye/ noma ukunciphisa inkathazo empilweni yomphakathi;

(c) singafaka isicelo enkantolo yemantshi ngokwesigaba se-19 somyalelo wokubhidliza;

(d) singakhipha:

(i) incwadi yemvume yempilo yomphakathi ngokwesigaba se-11;

(ii) isitifiketi sokukhululwa ngokwesigaba se-10.

(e) singachitha, simise noma sichibiyele noma yiyiphi incwadi yemvume noma isitifiketi sokukhululwa ngokwesigaba se-15; noma

(f) singangena futhi sihlole izakhiwo ngokwesigaba se-18;

18. **Ukuhlola okusemthethweni**

(1) Isisebenzi esinegunya singa, kuncike esigatshaneni (3)-

(a) singene futhi sihlole noma yiziphi izakhiwo;

(b) sibuze imibuzo kunoma yimuphi umuntu esimfica kulezo zakhiwo;

(c) sihlole noma yiziphi izincwadi ezifanele;

(d) senze amakhophi anoma yiziphi izincwadi ezibalulwe esigatshaneni (c) noma uma kunesidingo sisuse lezo zincwadi ngenhloso sokwenza amakhophi azo;

(e) sithathe noma yimaphi amasampula isesebenzi esinegunya esiwabona enesidingo sokuwahlola noma sokuwahlaziya;

(f) siqaphe futhi sifunde noma sense izikalo;kanye

(g) sithathe izithombe noma siqophe noma yini noma yimuphi umuntu obonakalayo nozwakalayo, uhlelo,izenzo kumbe isimo esikhona kunoma yiziphi izakhiwo.

(2) Isikhulu sezempilo esisusa noma yini ngaphandle kwempahla eningwe esigatshaneni sesi-(2) ezakhiweni ezihloliwe kumele-

(a) sikhiphe iresidi yayo kumnikazi,umhlali kumbe kumuntu osekunguyena olawula leyo ndawo;kanye

(b) siliphindise ngokushesha uma kwenzeka emva kokuthi eseyiphumelelisile inhloso yokususwa kwayo.

(3)Isikhulu singahlola noma maphi amagceke-

(a) ngemvume ebhalwe phansi ekhishwe yiMantshi ngokwe sigaba sama-24; noma

(b) ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi ezimweni ezibhalwe esigabeni sama-

19. **Umyalelo wokubhidliza**

(2) Uma uMkhandlu ukholelwa ukuthi ukuba sengozini kwempilo yomphakathi kungaqedwa kumbe *inkathazo empilweni yomphakathi ingancishiswa ngokushesha* ngokubhidliza ibhilidi noma udonga, kungenzeka ,kuncike ezihlinzekweni eziqukethwe yinoma yimuphi umthetho, zisebenza kunoma yiyiphi inkantolo enegunya lokukhipha umyalelo kunoma yimuphi umuntu ukuthi abhidlize ibhilidi noma udonga kumbe ugunyaze uMkhandlu ukwenza kanjalo bese kubuya izindleko zomnikazi noma zomhlali wakulawo magceke, noma kokubili.

(3) UMkhandlu angeke ufake isicelo enkantolo ngokwesigatshana soku (1) ngaphandle uma unikeze *umnikazi noma umhlali* isaziso esibhalwe phansi sezinsuku ezingengaphansi kweziyishumi nane senhloso yawo yokufaka isicelo.

20. **Isaziso sokuzibophezela**

(1) Uma isisebenzi esinegunya, emva kokuhlola amagceke, futhi sikholelwa ukuthi kukhona ubungozi empilweni yabantu kulawo magceke kumbe lawo magceke asetshenziselwe umsebenzi ohlelelwe ukuphikisana nale Mithetho kaMasipala,isisebenzi esinegunya kumele sinikeze la bantu abalandelayo isaziso sokuzibophezela:

(a) Umnikazi wamagceke;

(b) Umhlali wakulawo magceke;

(c) Nanoma yimuphi umuntu oselawula ukusetshenziswa okuhleliwe kwalawo magceke.

(2) Isaziso sokuzibophezela kumele siveze ukuthi-

(d) kungani isisebenzi esinegunya sikholwa ukuthi le Mithetho kaMasipala yephuliwe;

(e) izinyathelo okumele zithathwe-

(i) ukuqinisekisa ukuthi le Mithetho kaMasipala iyalandelwa;noma

(ii) ukunciphisa noma ukwehlisa ubungozi empilweni yomphakathi;

(f) isikhathi izinyathelo okumele zithathwe ngaphansi kwaso;

(g) imiphumela engalindeleka uma uhluleka ukulandela lesisaziso; kanye

(h) ungasifaka kanjani isicelo sokuphikisana nesaziso.

(1) Uma umuntu ehluleka ukulandela isaziso sokuzibophezela esidinga ukuthi kuthathwe izinyathelo ezithile, uMkhandlu unga-

(a) thatha izinyathelo ezidingekayo ezibalulwe kwisaziso sokuzibophezela;kanye

(b) buyisa, njenge sikweletu, kumuntu onikezwe isaziso,izindleko ezifanele ezenzeke ngesikhathi kuthathwa zinyathelo ezidingekayo.

21. **Isaziso sesivimbelo**

(1) Isisebenzi esinegunya emva kokuhlola izakhiwo singa nikela ngesaziso sesivimbelo esivimbela ukusetshenziswa kwalawo magceke ngezinhloso ezithile futhi kudingeka kuthathwe izinyathelo ezifanele ukuqinisekisa ukuthi lokhu kuyenzeka koyedwa noma ngaphezulu kwala bantu abalandelayo:

(c) Umnikazi noma umhlali wakulawo magceke uma isisebenzi esinegunya sikholwa ukuthi indawo isetshenziselwa inhloso enobungozi empilweni yomphakathi,noma ukuphazamisa impilo yomphakathi;

(d) noma yimuphi umuntu oqhuba umsebenzi esebenzisa amagcekeo ngenhloso kumbe ngendlela isisebenzi esinegunya esikholwa ukuthi ibanga ubungozi empilweni yomphakathi kumbe iyisiphazamiso empilweni yomphakathi; noma

(i) umuntu onikezwe isaziso sokuzibophezela uma isisebenzi esinegunya sikholwa ukuthi umuntu uhlulekile ukulandela isaziso.

(2) Isisebenzi esinegunya kumele sinikeze umuntu esifisa ukumnikeza isaziso sesivimbelo isikhathi esanele sokwenza izethulo ngaphambi kokumnikeza isaziso

ngaphandle uma isisebenzi esinegunya sikholwa ukuthi ukubambezeleka ukwenza kanjalo kuzobeka engcupheni impilo yomphakathi, esimeni lapho umuntu enikezwe isaziso sesivimbelo kumele anikezwe ithuba elanele lokwenza izethulo zokuthi kungani kumele sihoxiswe.

(3) Isaziso sesivimbelo kumele siveze-

(a) izizathu zokunikeza isaziso;

(b) nanoma ngabe uMkhandlu ungasihoxisa isaziso uma kukhona izinyathelo ezithathiwe, futhi uma kunjalo izinyathelo kumele zithathwe;

(c) izinkinga ezingenzeka uma uhluleka ukulandela lesisaziso;kanye

(d) ukuthi ungasifaka kanjani isicelo sokuphikisana nesaziso.

(4) Ngaphandle uma isaziso sihlinzeka ngokunye, siyaqala ukusebenza uma sikhishwe ngaphansi kwesigatshana soku (1) futhi siyaphoqelela kuze kube ukuthi siyahoxiswa.

(5) Isisebenzi esinegunya kumele ngokuphazima kweso sinamathisele isaziso endaweni eseduze nalawo magceke.

(6) Kungukuzivikela kwanoma ubani obekwe icala lokuhluleka ukulandela isaziso sesivimbelo ukufakazela ukuthi-

(a) akazi ngokusebenza komyalelo wesivimbelo futhi akalindelekile ukuthi kufanele ngabe uyazi ngokusebenza kwaso;kanye

(b) usilandelile isaziso sesivimbelo engakapheli amahora angama-48 kusukela ngesikhathi isaziso esinanyatheliswe ngaso ezakhiweni ngokwesigatshana sesi-(5).

22. **Ukuhoxiswa kwesaziso sesivimbelo**

(1) Isisebenzi esinegunya kumele senze uphenyo emagcekeni engakapheli amahora angama -48 sithole isicelo sokuhoxisa okuqukethwe yisaziso sesivimbelo.

(2) Emva kokuphothulwa kophenyo isisebenzi esinegunya kumele sazise umuntu onikezwe isaziso sesivimbelo kumbe i-agenti yalowo muntu ngokubhalwe phansi ukuthi isaziso sesivimbelo sisusiwe noma cha kumbe umyalelo wesivimbelo

uhoxisiwe.

(3) UMkhandlu ungakhokhisa umnikazi kumbe umhlali wanoma yiziphi izakhiwo lapho kunophenyo olwenziwayo ngokwesigatshana soku (1), intengo enqunyiwe yokwenza uphenyo.

23. **Umsebenzi kaMasipala wokulungisa**

(1) UMkhandlu ungangena kunoma iziphi izakhiwo enze noma yini emagcekeni obona kunesidingo-

(a) Ukuqinisekisa ukulandela le Mithetho kaMasipala noma yisiphi isaziso sokuzibophezela noma isaziso sesivimbelo;

(b) Ukunciphisa, ukususa noma ukwehlisa inkathazo empilweni yomphakathi; noma

(c) Ukunciphisa, ukususa noma ukwehlisa izingozi empilweni yomphakathi.

(0) UMkhandlu ungangena kuphela uma uzothatha izinyathelo ngaphansi kwalesi sigaba

( ) ngemvume ebhaliwe phansi ekhishwe yimantshi ngokwesigaba 24 ; noma

( ) ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi ezimeni ezibhalwe esigabeni sama-25.

24. **Imigomo elandelwayo yokwenza ukuhlolwa okusemthethweni noma umsebenzi wokulungisa okungaphandle kwegunya elibhaliwe**

(1)Imantshi ingakhipha igunya elibhaliwe ukungena nokwenza umsebenzi noma ukuhlolwa kwanoma imaphi amagceke, uma, ngokolwazi olufungelwe, kunezizathu ezizwakalayo zokukholwa –

(a) ngokwezidingo zomphakathi, kudingekile ukwenza umsebenzi noma ukuthola ulwazi ongeke uluthole ngaphandle kokungena emagcekeni; noma

(b) ukukhona ukungalandelwa kwale Mithetho kaMasipala.

(2) Igunya elibhalwe phansi ngokwe sigatshana soku-(1) lingakhishwa noma yingasiphi

isikhathi futhi sicacise -

(a) lihlonze amagceke okumele kungenwe kuwo bese ayasetshenzwa noma ahlolwe; futhi

(b) lihlonze onegunya lokungena bese enza umsebenzi noma ukuhlolwa.

(3) Igunya elibhalwe phansi elikhishwe ngokwe sigatshana sesi-(2) lisebenza kuze kube -

(a) liyasetshenziswa;

(b) lichithiwe ngumuntu olikhiphile noma ,uma lowo muntu engekho kube ngomunye umuntu onegunya elifanayo;

(c) inhloso ebelikhishwelwe yona seyiphelelwe yisikhathi;noma

(d) Izinyanga ezintathu sezidlulile kusukela kwakhishwa usuku.

(4) Igunya elibhaliwe ngokwesigatshana soku-(1) lingasetshenziswa phakathi kuka 07h00 kanye no 19h00, ngaphandle uma imantshi elikhiphile ichaza ngokubhalwe phansi ukuthi lingasetshenziswa ngezikhathi ezihlukile ngezimo ezithile.

(5) Ngaphambi kokuqala kwanoma yimuphi umsebenzi noma ukuqhuba ukuhlola lowo ophethe incwadi yegunya kumele –

(a) uma umnikazi noma lowo muntu olawula amagceke ekhona –

(i) bawahlonze bona futhi bachaze ilungelo labo kulowo muntu noma banikeze ubufakazi belungelo labo;futhi

(ii) banikeze ikhophi yegunya elibhalwe phansi kulowo muntu.

(b) uma umnikazi noma umuntu olawula amagceke engekho noma enqaba ukwamukela ikhophi, ahlanganise ikhophi yegunya elibhalwe phansi emagcekeni endaweni efanelekile.

(6) Nanoma yikuphi ukuhlolwa okwenziwe noma umsebenzi owenziwe ngaphansi kwale sigaba kumele kwenziwe ngendlela eqondile nehlelekile, kuhlanganisa-

(a) ilungelo lomuntu okuhlonishwa kanye nokuvikelwa kwesithunzi sakhe;

(b) ilungelo lomuntu lenkululeko kanye nokuvikeleka;

(c) ilungelo lomuntu ezintweni eziyimfihlo yakhe,

25. **Imigomo elandelwayo yokwenziwa kohlolwa okusemthethweni nomaa umsebenzi wokulungisa ongenalo igunya elibhaliwe**

(1) Isisebenzi esinegunya singangena futhi senze umsebenzi noma siqhube ukuhlolwa kwamagceke ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi -

(a) ngemvume yomnikazi, umhlali noma umuntu olawula amagceke;

(b) kube into eyenzeka njalo kungeqi esikhathini esiyi-6 (sithupha) ezinyangeni eziyi-12 (yishumi nambili) lapho isisebenzi esinegunya sikholwa ukuthi lawo magceke awasetshenziselwa umsebenzi ohleliwe futhi inhloso yokuhlolwa inquma ukuthi ukusetshenziswa okuhleliwe kuyazilandela yini izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala noma cha;

(c) lapho isaziso sokuzibophezela esimayelana namagceke sikhishiwe ngokwesigaba sama – 20 , futhi nenhloso yokuhlola izonquma ukuthi isaziso silandeliwe noma cha;

(d) lapho umnikazi noma umhlali wamagceke ehluleka ukulandela isaziso sokuzibophezela, esikhishwe ngokwesigaba sama-20, noma isaziso sesivimbelo, esikhishwe ngokwesigaba sama-21, esikhombisa izinyathelo okumele zithathwe; noma

(e) isisebenzi esinegunya sinezizathu ezizwakalayo zokukholwa ukuthi impilo yomphakathi isebungozini noma kunezinkathazo ezikhona emagcekeni kanye nokubambezeleka kokutholakala kwemvume ebhalwe phansi-

(a) kuthikameza inhloso yokuhlolwa ;

ii) kuvame ukulimaza impilo yomphakathi.

(2) Ngaphambi kokuhlola amagceke noma ukuqala noma yimuphi umsebenzi ngokwale sigaba, abantu abenza ukuhlolwa noma abazoqala umsebenzi kumele bazihlonze bese bechaza igunya labo kulowo muntu olawula amagceke kumbe kulowo muntu obanike imvume yokungena.

(3) Noma yikuphi ukuhlolwa okwenziwe noma umsebenzi oqaliwe ngokwalesi sigaba kumele wenziwe ngesikhathi esifanele, kuphinde kubhekelwe izimo ezithile zaleyo ndawo.

(4)Noma yikuphi ukuhlolwa okwenziwe noma umsebenzi owenziwe ngokwale sigaba kumele wenziwe ngendlela nangenhlonipho, kuhlanganisa –

(a) ilungelo lomuntu lokuhlonishwa kanye nokuvikelwa kwesithunzi sakhe;

(b) ilungelo lomuntu lenkululeko nokuvikeleka;

(c) ilungelo lomuntu lokugcina izimfihlo zakhe.

26. **Imiyalelo yenkokhelo**

(1) UMkhandlu ungabuyisela noma yiziphi izindleko ozithwale ngesikhathi uthatha izinyathelo ngaphansi kwesigaba sama -23 kunoma yimuphi umuntu owayengaphansi kwezibopho ezisemthethweni ekuthatheni lezo zinyathelo, kuhlanganisa

(a) umuntu onikezwe isaziso sokuzibophezela noma isaziso sesivimbelo esidinga ukuthathelwa lezo zinyathelo;

(b) umnikazi noma umhlali wamagceke; noma

(c) nanoma yimuphi umuntu obhekene nokwenza ingozi noma inkathazo empilweni yomphakathi.

(2) Imenenja kaMasipala ingakhipha umyalelo wenkokhelo odinga umuntu obhekene nokukhokha izindleko ezenziwe nguMkhandlu ngokwe sigatshana soku-(1) ukukhokha lezo zindleko ngosuku olubalulwe kulowo myalelo.

(3) umuntu onikezwe umyalelo wenkokhelo ngaphansi kwezinsuku ezingama – 20 umyalelo ukhishiwe, angaphikisana nomyalelo ngokwesigaba sama- 27.

ISAHLUKO VII:
UKUDLULISWA KWAMACALA

27. **Ukudluliswa kwamacala**

(1) Ilungelo lomuntu elihlukunyezwe yisinqumo esithathwe yinoma yisiphi isisebenzi esinegunya ngaphansi kwale Mithetho kaMasipala, angaphikisana nesinqumo ngokuhambisa isaziso esibhalwe phansi kanye nezizathu zokudlulisa icala kwiMenenja kaMasipala zingakapheli izinsuku ezingama- 21 kusukela ngosuku aziswa ngalo ngesinqumo.

(2) IMenenja kaMasipala kumele ihambise ngokushesha isicelo sokudlulisa icala kumthethimacala ofanele obalulwe esigatshaneni sesi-4.

(3) Umthethi macala kumele abheke isicelo, bese aqinisekise, aguqule kumbe ahoxise isinqumo, kodwa alukho uguquko kumbe isihoxiso sesinqumo esingahoxiswa kunoma yimaphi amalungelo angathuthukiswa ngenxa yomphumela wesinqumo.

(4) Uma ukudluliswa kwecala kungahambisani nesinqumo esithathwe –

(a) yisisebenzi ngaphandle kweMenenja kaMasipala, iMenenja kaMasipala yiyona enegunya lothetha icala;noma

(b) iMenenja kaMasipala, iMeya, yiyona engumthethi wecala.

(5)Umthethi wecala kumele aqale ukuthetha icala engakapheli amasonto ayisithupha futhi akhiphe isinqumo ngesikhathi esifanele.

ISAHLUKO VIII :
IZIHLINZEKO EZIVAMILE

28. **Amacala nezinhlawulo**

(1) Nanoma yimuphi umuntu –

(a) owaphula kumbe ohluleka ukulandela noma yiziphi izihlinzeko zale Mithetho kaMasipala;

(b) ohluleka ukulandela noma yisiphi isaziso esikhishwe ngaphansi kwale Mithetho kaMasipala;

(c) ohluleka ukulandela noma yimuphi umyalelo osemthethweni onikezwe ngokwale Mithetho kaMasipala; kumbe

(d) phazamisa kumbe ovimbela noma yisiphi isisebenzi esinegunya ukwenza imisebenzi yaso ngaphansi kwale Mithetho kaMasipala –

uyolahlwa yicala futhi uyokhokha inhlawulo engeqile kwizi- R2000.00 kumbe uma engenayo imali aboshwe isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyi-12.

29. **Ukulethwa kwezaziso**

(1)Isaziso, umyalelo kumbe omunye umbhalo uzothathwa njengohanjiswe ngokufanele uma -

(a) unikezwe lowo muntu ngqo;

(b) uthunyelwe ngeposi elirejistiwe kumuntu ebhaliswe ngekheli lakhe elaziwayo;

(c) unikezwe umuntu oneminyaka engengaphansi kweyi –16 futhi okunguyena olawula lawo magceke kumninikheli owaziwayo;

(d) ikheli lalowo muntu kwiRiphablikhi lingaziwa, noma lithunyelwe kommele noma kummeli wakhe eRiphablikhi ngendlela ehlinzekwe esigatshaneni (a),(b) noma (c);kumbe

(e) ikheli lalowo muntu kanye ne-ejenti kumbe ummeli kwiRiphablikhi aziwa,noma lithunyelwe endaweni eseduze namagceke ezihlobene nalo.

(0) Isaziso, umyalelo kumbe omunye umqingo onganikezwa umnikazi kumbe umhlali wamagceke ngokwale Mithetho kaMasipala –

( ) uyothulwa kumnikazi noma kumhlali wamagceke esibaluliwe futhi alizobhalwa igama lomnikazi noma lomhlali;

( ) uma uMkhandlu ungalazi ikheli lomnikazi kumbe lomhlali wamagceke futhi lingeke litholakale kalula, isaziso, umyalelo kumbe omunye umqingo uyothathwa ngokuthi uhanjiswe ngokufanele uma uthunyelwe kwenye yendawo eseduze namagceke.

30. **Ukushayisana kwemithetho**

Uma kukhona ukushayisana phakathi kwale Mithetho kaMasipala kanye nanoma yimiphi eminye iMithetho kaMasipala yoMkhandlu, le Mithetho kaMasipala yiyona eyosebenza.

ISHEDULI LOKUQALA

UKUSETSHENZISWA KWESHEDULI

Imisebenzi kanye nokusetshenziswa kwamagceke abhalwe kule sheduli ithathwa njengeveza ubungozi obungamukelekile empilweni yomphakathi ngaphandle uma izinyathelo ezibalulwe kwisheduli efanele nalapho kunesidingo, kwimvume, zithathiwe ukuvimbela ubungozi kumbe ukwehlisa kube sezingeni elamukelekile eMkhandlwini.

ISheduli	Umsebenzi
Okwesibili	imisebenzi ezimele yokuthuthwa kwendle
Okwesithathu	ukuhweba ngokunengayo
Okwesine	amadamu okubhukuda kanye nezindawo zokuhlamba
Okwesihlanu	ukugcinwa kwezilwane

ISHEDULI YESIBILI
IMISEBENZI EZIMELE YOKUTHUTHWA KWENDLE

1. Imvume yokuhlinzeka ngemisebenzi yokuthuthwa kwendle noma umchamo womuntu

Akukho muntu ongahlinzeka noma yimuphi umsebenzi wokususa noma wokulahla indle noma umchamo womuntu kunoma yiziphi izakhiwo ngaphandle kwemvume esebenzayo.

2. Imvume yokufakwa kwemisebenzi yokuchitha indle

Akukho muntu, kunoma yiziphi izakhiwo zomnikazi , ongafaka, ashintshe, aphinde akhe, asebenzise noma agcine ithangi lokubolisela indle, ukufaka isisefo kumbe okunye okusetshenziswayo ukuchithwa kwendle ngaphandle uma kungokwemvume.

3. Ukunakekelwa kwemisebenzi yokuchitha indle

Noma yimuphi umuntu owenza umsebenzi oqondene nendle kumele aqikelele ukuthi iyanakekelwa ngendlela ehlanzekile futhi igcinwa isesimeni esifanele ngaso sosonke isikhathi .

4. Ukuchithwa kwendle, indle egobhozayo kanye namanzi angcolile ngaphandle kokwenza inkathazo empilweni yomphakathi.

Akukho muntu ongachitha indle noma amanzi angcolile asuka ezindlini zokugezela, ubhavu bokuwasha izandla noma usinki wasekhishini noma ikanjani kumbe endaweni -

(a) engenza umswakama kunoma yimaphi amagceke;

(b) engabeka engozini inhlanzeko yanoma yimaphi amanzi alethwayo;noma

(c) engenza noma yiyiphi inkathazo empilweni yomphakathi.

5. Ukuphoqeleka kokusetshenziswa kwemisebenzi yoMkhandlu yokususwa kwendle

Bonke abahlali kumele basebenzise noma yimiphi yeminye imisebenzi yokulahla indle ehlinzekwe nguMkhandlu ezakhiweni.

ISHEDULI YESITHATHU

UKUHWEBA NGOKUNENGAYO

1 Izincazelo

Kule Sheduli, ngaphandle uma ingqikithi ichaza okunye -

"ukugobhoza" kuchaza noma ikuphi ukungcola kwamanzi okuphumayo njengomphumela wokusetshenziswa okuhleliwe noma ukwenza umsebenzi ongenza inkathazo empilweni yomphakathi;

"ukuhweba ngokunengayo" kuchaza noma yiliphi ibhizinisi elibhaliwe ngezansi kumbe elihlanganisa umsebenzi obhalwe ngezansi –

(g) Ukucangcathwa, ukuchela ngopende;

(h) Ukusebenzisa umshini okhuculula ukungcola;

(i) Igceke lengqobe;

(j) ukubilisa igazi, ukubilisa amathambo, ukuncibilikisa isinqumela, ukuncibilikisa amafutha noma ukususa amafutha, ukubilisa insipho, ukubilisa noma ukuhlanza amathumbu, ukugcina isikhumba, ukugcina amathambo, ukubilisa isikhumba, ukugcina isikhumba, ukomisa igazi, izingcucu zethumbu,ukwenziwa kwesikhumba, ukubekwa elangeni, isinamathiselo noma ukwenziwa kukasayizi;

(k) ukushiswa kwamalahle, ukushiswa kwezitini, ukushiswa komcako;

(l) ukwenziwa noma ukugcinwa kukamanyolo kumbe ukwenziwa kwesivundiso;

(m) ukwenziwa kwephepha lesikhumba okulotshwa kulo;

(n) ukukhiqizwa kwemithombo nembiliso;

(o) ukusetshenziswa kukasimende , uhhavini kakhokho, cement works, coke-ovens, salt glazing works;

(p) sintering of sulphurous materials;

(q) imisebenzi enamfukayo;

(r) ukushiswa kwetshensimbi kanye nokumbiwayo, ukuncibilikiswa, ukusindwa kanye nokugingqwa kwensimbi kanye nezinye izimbiwa, ukuguqulwa kwesigaxa sensimbi sibe imvuthuluka yensimbi, ukushisiswa, ukuqiniswa, ukuthanjiswa, ukuguqulwa kanye nokuxutshwa kwekhabhoni nensimbi kanye nezinye izinsimbi;

(s) imisebenzi yokukhiqiza i- carbon bisulpide, i- cellulose lacquer, i- cyan noma ingxube yakho, i- hot pitch noma i- bitumen, i-pulverized fuel, i-peridine, i- sulphur dioxide eluketshezi noma eyigesi, ama- sulphur chlorides;

(t) imisebenzi yokukhiqiza i- amyl acetate, i- aromatic ethers,i- butyric acid, i-caramel, i- enameled wire, i- glass,i- hexamine, i- lampblack, i- B-naphthol, mikhiqizo ye- resin , i- salicylic acid, ingxube ye- sulphated organic s, opende be- sulphur, i- ultramarine, i- zinc chloride kanye ne-zinc oxide; kumbe

(u) ukuhluzwa noma ukwenziwa kukaphethiroli , amafutha kumbe enye imfucuza yabo;

"ukuhweba ngokunengayo" kuchaza nanoma yimuphi umuntu ongumnikazi, owenza noma oqhuba ukuhweba okunengayo.

2 Isidingo semvume

Akekho umuntu ongenza uhwebo ngokunengayo kunoma yimaphi amagceke, ngaphandle kwemvume esemthethweni.

3 Izidingo zamagceke

Akekho umuntu ongaqhuba uhwebo ngokunengayo kunoma yimaphi amagceke ngaphandle uma -

(a) iphansi lamagceke lakheke ngokhonkolo kasimende noma ngempahla efanayo yase yaqedelwa ngokukhuhlwa ukuze ibe bushelelezi ;

(b) iphansi lamagceke lihlelwe ngokulingene futhi lamuncwa ukuze kulahlwe okugobhozayo ohlelweni oluvunyiwe lokulahla;

(c) ingaphakathi lezindonga, ngaphandle lapho ukucwebezela noma izitini zengilazi noma izitini zokufulela ezicwebezelayo zisetshenzisiwe, zaplastelwa zase zaqedelwa ngokuba bushelelezi zapendwa ngemibala ekhanyayo, ngopende owashekayo

(d) ingaphandle legceke elingemuva noma indawo evulekile ilungiswe ngokhonkolo noma ngempahla efanayo yaseyaqedelwa ngokukhuhlwa yaba bushelelezi;

(e) amagceke ehlinzekwe ngokokukhanyisa okulingene kanye nokokungenisa umoya njengoba kunqunywe kuMthethonqubo kaZwelonke weZakhiwo kanye noMthetho Wamazinga Ezakhiwo we-1977 (UMthetho we -103 we-1977) njengoba uchibiyelwe;

(f) ukunikezelwa okwanele kwamanzi ahambayo okuphuza kuhlinzekiwe;

(g) inani elanele lezitsha zokuthwala zakhiwe ngensimbi noma enye impahla engamunceki, ehlomiswe ngezivalo ezivaleka ngci, zihlinzekelwe ukususa konke ukungcola kanye namanzi angcolile ezakhiweni;

(h) izindlela ezifanele zihlinzekelwe ukulahla ukungcola okuphuma uma kwenziwa imikhiqizo emagcekeni;

(i) indawo eyanele ihlinzekelwe ukugcina imikhiqizo esiphelile noma izimpahla ezisetshenziselwa ukwenza imikhiqizo futhi -

(i) ezinga khipha uketshezi olunengayo futhi oluyingozi;noma

(ii) ezingabola ngesikhathi somsebenzi noma sokuhweba;

(j) izindlela ezanele zihlinzekiwe ukulawula ukuphuma komoya olimazayo, oyingozi noma igesi enesisi, intuthu, amaconsi kumbe uthuli oluqhamuka ngesikhathi sokuphatha, sokulungisa, sokomisa, sokuncibilikisa, sokwenza, sokubilisa kumbe sokugcinwa kwempahla;

(k) izinsiza zasendlini yangasese ezanele zihlinzekiwe njengoba kunqunywe kuMthethonqubo kaZwelonke weZakhiwo kanye noMthetho Wamazinga Ezakhiwo we-19977 (uMthetho we – 103 ka 1977) njengoba uchibiyelwe;

(l) ubude bodonga olwakhiwe ngezitini noma ngempahla efanayo elinobude obungamamitha ama- 2,lwakhiwe wazungeza izakhiwo;

(m) wonke amasango amagceke akheke aqina ngobude obungamamitha ama-2;

(n) zonke izindonga ezinde kanye namasango ziveza imisebenzi eyanele ezobonwa umphakathi, bese

(o) yonke impahla iyabekwa ibe inqwaba noma igcinwe emagcekeni angaphansi kobude bomngcele wokubhekisisa.

4 Imisebenzi yabahweba ngokunengayo

Bonke abahweba ngokunengayo kumele-

(a) bagcine amagceke ehlanzekile, enempilo futhi esesimeni esifanele ngaso sonke isikhathi;

(b) bagcine zonke izindonga kanye nephansi lamagceke ngendlela kanye nesimo esingavimbela ukumukela ukungcola noma amanzi angcolile;

(c) bagcine yonke imishini, ifenisha, izinto ezifakiwe, amathuluzi, izitsha, izikhongozelo,imigqomo kanye nezimoto zihlanzekile, zibe esimweni esihle ngaso sonke isikhathi;

(d) bagweme ukuqongeleleka kokungcola emagcekeni; futhi

(e) bagweme ukuphunyiswa kokulimazayo, igesi elimazayo noma ehlukumezayo, igesi eyingozi engahogelwa, isisi kumbe uthuli olwenzekayo ngesikhathi kuphethwe, kulungiswa, komiswa, kuncibilikiswa, kuqoqwa, kubiliswa, kugaywa ngendlela ethile noma kugcinwa impahla ezakhiweni.

5 Udoti oluketshezi ophuma kubhayela wamathambo nenyama yangaphakathi

(1) Bonke obhayela bamathambo kanye nalabo benyama yangaphakathi kumele baphole kahle ngaphambi kokuba amanzi angcolile akhishelwe kwisitamkoko noma isitsha sikadoti;

(2) Uhlelo lokupholisa olubalulwe endinyaneni yoku-(1) kumele lwenzeke ngendlela ezovikela ukwenzeka kwanoma yibuphi ubungozi kanye namakhemikhali ayingozi.

6 Uketshezi, amathange kanye namashubhu ekwenziweni kwesikhumba

Bonke abadayisi besikhumba, abathungi bezimpahla zesikhumba kumbe abashuki kumele-

(a) bavuselele futhi bachithe uketshezi kuwo wonke amathange noma kweminye imigqomo esetshenziswa emagcekeni ukuwasha noma ukucwilisa nanoma yisiphi isikhumba, ngaphandle komgodi ogqamile, ngezikhathi ezanele kanye nangendlela eyamukelekile;

(b) bahlanze lonke ithange noma yimiphi omunye umgqomo ngaso sonke isikhathi uma uthululwa;

(c) bahlanze wonke amashubhu noma yimuphi omunye umgqomo osetshenziselwa ukuphatha imvuthuluka kadoti ebizwa nge "puer"

7 Ukugcinwa kwezidwedwe, amathambo kanye nodoti

Akukho mdayisi wezidwedwe, amathambo, kanye nodoti ongabeka noma agcine, kumbe abange noma avumele ukubekwa kwezidwedwe noma amathambo kunoma yiyiphi ingxenye yamagceke akhe uma-

(a) kuhlala abantu; noma

(b) kungangeni umoya ngokwanele kuwo.

8 Izindlela zokuphepha

Bonke abahweba ngokunengayo kumele bathathe izindlela zokuphepha ezinqunywe eMthethweni Wezempilo noKuphepha we-1993, (uMthetho No.85 we-1993)

ISHEDULI YESINE

AMADANYANA OKUBHUKUDA KANYE NEZINDAWO ZOKUHLAMBA

1 Izincazelo

Kule sheduli, ngaphandle uma ingqikithi ikhomba okunye-

"indawo yokuhlamba" kuchaza isakhiwo esenziwe ngempahla yokwakha evumelekile, ehlinzekwe ngamanzi azungelezayo alawulekayo nasetshenziselwa ukuhlamba;

"umgcini wendawo yokuhlamba" kuchaza nanoma ngubani ongumnikazi noma olawula ukusebenza kwendawo yokuhlamba;

"idanyana lokubhukuda" kuchaza isakhiwo esinamanzi alawulekayo asetshenziselwa ukubhukuda noma ukuhlamba, kuhlanganisa namadanyana okubhukuda izingane nawokugwedla ngezinyawo, kodwa awangeni amadanyana okubhukuda aphathelene nokungenisa kanye nokubohla kolwandle noma amadanyana okubhukuda asemizini yabantu angasetshenziselwa izizathu zokuhweba;

"umgcini wedanyana lokubhukuda" kuchaza noma ngubani omgumnini wedanyana lokubhukuda noma olawula ukusebenza kwedanyana lokubhukuda.

2 Izidingo zezakhiwo

Akukho muntu oyosebenzisa idanyana lokubhukuda noma indawo yokuhlamba kunoma yimaphi amagceke angahambisani nalezi zidingo ezilandelayo -

(a) izindlu zokushintsha eziseceleni futhi okulula ukufinyelela kuzo, amashawa kanye nezindlu zangasese kumele juhlinzekelwe bonke ubulili ngokuhambisana noMthetho Wemithethonqubo Yezakhiwo Zikazwelonke kanye Namazinga Ezakhiwo, we-1977 (uMthetho No.103 we-1977);njengoba uchitshiyelwe;

(b) wonke amadanyana okubhukuda kumele azungezwe wudonga noma uthango njengoba kunqunywe nguMthetho Wemithethonqubo Yezakhiwo Zikazwelonke kanye Namazinga Ezakhiwo, we-1977 (uMthetho No.103 we-1977);njengoba uchitshiyelwe;

(c) ingaphezulu lephansi elizungeze indawo yokuhlamba noma idanyana lokubhukuda kumele lakhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi, engashibiliki;

(d) kumele kuhlinzekwe ngesivimbabuso (mask) samakhemikhali egesi esivumelekile uma kufakwa igesi yokugcina idanyana lokubhukuda lihlanzekile;

(e) uma kube nesaziso esibhalwe phansi esikhishwe yisikhulu esibhekele ezempilo zendawo, kumele kuhlinzekwe ngemishini yomoya noma yomoya wokuphefumula; futhi

(f) kumele kuhlinzekwe ngenani elanele lemigqomo kadoti esakhiweni.

3 Imisebenzi yomgcini wendawo yokuhlamba

Wonke umuntu ongumgcini wendawo yokuhlamba kumele-

(a) agcine amagceke esesimweni sokuphepha, sokuhlanzeka futhi elungiswe kahle zikhathi zonke;

(b) ahlinzeke ngebhokisi losizo lokuqala elivumelekile futhi elinakekeleke ngokufaneleyo libe sendaweni esobala, okulula ukufinyelela kuyo futhi evikelekile;

(c) ahlanze, aphathe futhi agcine izinga lamanzi endawo yokuhlamba liseqophelweni lezinga elilingene zikhathi zonke;

(d) ahlinzeke futhi agcine izinto ezisetshenziselwa ukuhlola iqophelo lamanzi endawo yokuhlamba zisesimweni esihle sokusebenza;

(e) abe nekhono lokulandela yonke imigudu yokuhlola iqophelo lamanzi endaweni yokuhlamba kanye nokuqonda imiphumela yokuhlolwa; futhi

(f) agcine amarekhodi ansuku zonke eqophelo lamanzi endawo yokuhlamba

4 Imisebenzi yomgcini wedanyana lokubhukuda

Wonke umuntu ongumgcini wedanyana lokubhukuda kumele-

(a) agcine amagceke esesimweni sokuphepha, sokuhlanzeka zikhathi zonke;

(b) ahlinzeke ngebhokisi losizo lokuqala elivumelekile futhi elinakekeleke ngokufaneleyo libe sendaweni esobala, okulula ukufinyelela kuyo futhi evikelekile;

(c) abe ngoqeqeshiwe nonguchwepheshe kwezokuhlenh\gwa kwempilo, ukunikezela ngosizo lokuqala, ukusebenzisa izinto ezelekelela ekuvuseni abaqulekile, ukusebenza kwedanyana lokubhukuda kanye nokuhlola nokugcina ukuphepha kwamanzi;

(d) aqinisekise ukuthi amanzi ahlanzekile, elashiwe futhi agcinwe eseqophelweni elilingene ngaso sonke isikhathi;

(e) ahlinzeke futhi agcine izinto ezisetshenziselwa ukuhlola iqophelo lamanzi endawo yokuhlamba zisesimweni esihle sokusebenza;

(f) abe nekhono lokulandela yonke imigudu yokuhlola iqophelo lamanzi endaweni yokuhlamba kanye nokuqonda imiphumela yokuhlolwa; futhi

(g) agcine amarekhodi ansuku zonke eqophelo lamanzi endawo yokuhlamba.

5 Ukusatshalaliswa kwamanzi

(1) Akukho muntu osebenzisa indawo yokuhlamba noma idanyana lokubhukuda ongasebenzisa amanzi asuswa kwenye indawo ngaphandle kwendawo kamasipala yokuhlanza, yokugcwalisa noma ukugcina izinga ledanyana lokubhukuda noma indawo yokuhlamba.

(2) Isikhulu sezempilo yendawo kumele-

(a) sithathe amasampula amanzi edanyana lokubhukuda kanye nawendawo yokuhlamba, ngezikhawu esicabanga ukuthi zifanele ngenhloso yokuhlaziya amakhemikhali noma yokuhlola okuphathelene nokufunda ngamagciwane angamabhakteriya;

(b) sihambise amasampule kumhlaziyi ogunyaziwe ngokwesigaba 12 soMthetho Wezokudla, Izimonyo kanye Nezibulalimagciwane we-1972 (uMthetho No. 54 we-1972) ukuba ahlaziye.

6 Ukuphepha kwamanzi

Wonke umuntu ongumgcini wendawo yokuhlamba kanye nedanyana lokubhukuda kumele aqinisekise ukuthi amanzi aphakathi endaweni yokuhlamba nasedanyini lokubhukuda ayahambisana nalezi zidingo ezilandelayo:

(a) kumele angabi nazinto ezintantayo, ezilahliwe noma ezilahliwe noma izinto zokubhukuda eziphilayo futhi izindonga, iphansi, amalata okugibela noma izitebhisi kanye nogadasi kumele kungabi nazihlahla ezimila emanzini kumbe injimbilika;

(b) izinga lamakhemikhali (pH - i-esidi ne-alkhalayini ibalwa phakathi kwe-0 ne-14) amanzi kumele lingabi ngaphansi kwesi-7 futhi lingaphi ngaphezulu kwesi– 8;

(c) lapho kusetshenziswe imithi yokubulala amagciwane ene-chlorine, kumele ubungako be-chlorine ekhona uma incane bugcinwe busele bungama – 0,5mg/l kuthi uma iningi bugcinwe busele bungama-3mg/l.

(d) lapho kusetshenziswe khona imithi yokubulala amagciwane engesiyona i-chlorine, izinga lokusele kumele lilingane nezilinganiso ngokwemiphumela yezidingo zendinyana (c);

(e) isibalo senani lamagciwane angamabhaktheriya elingaba kunoma yiliphi isampula elithunyelwe ukuyohlolwa akumele seqe emagciwaneni aphilayo ayi-100 nge-ml ngayinye yamanzi; kanye

(h) nohlobo lokuqala lwebhaktheriya i-Escherichia coil akumele lutholakale kunoma yimaphi amanzi angama-100ml .

7 Ukuhleleka kanye nendlela yokuziphatha

Akukho muntu-

(a) ongaphazamisa umgcini wendawo yokuhlamba, umgcini wedanyana lokubhukuda kumbe nanoma yisiphi isisebenzi soMkhandlu ekwenzeni imisebenzi yabo;

(b) ongavumela noma iyiphi inja yakhe noma esinye isilwane sakhe esifuywayo noma esinakekelwa nguye ukuba singene noma sihlale ngaphakathi kwamagceke;

(c) ongasebenzisa nanoma yimaphi amagceke lapho azi noma esola ukuthi kungenzeka athole khona isifo esithathelanayo; futhi

(d) ongachamela, azikhululele, aphimisele noma afinyele phakathi endaweni yokuhlamba noma edanyaneni lokubhukuda.

ISHEDULI YESIHLANU

UKUGCINWA KWEZILWANE

1. **Izincazelo**

Kulesheduli, ngaphandle uma ingqikithi kungenjalo ikhombisile-

"ipulazi lezolimo" kuchaza okufanayo nalokhu okuchazisiswa kuHlelo Lokuhlelwa

Kwedolobha;

"ihhoko elikhulu lezinyoni" kuchaza indawo evalekile esetshenziselwa ukugcina izinyoni, ngale kwezinkukhu kodwa akuhlanganisi ikheji eliphathekayo;

"uhlelo lokushintshisana" kuchaza indlela yokugcina izinkukhu noma onogwaja ekhejini kungaba ngabahamba ngabodwana noma ngababili ngaphakathi esakhiweni;

"indawo yokugcina amakati " kuchaza amagceke lapho –

(a) kuhlinzekwa khona ngendawo yokugcina amakati okwesikhashana; noma

(b) amakati ekhuliswa khona ngenhloso yokuwadayisa;

"indawo evalekile" maqondana nezilwane, kusho nanoma yisiphi isibaya, inkambu, isibaya, ikheji kumbe nanoma yiyiphi enye indawo evalekile eyakhelwe ukugcina izilwane ukuze zingeqi noma zihambe ngokukhululeka emagcekeni;

"umgcini" kuchaza –

(a) maqondana nanoma yisiphi isilwane, umnikazi wesilwane noma nanoma yimuphi omunye umuntu obhekele ukuphakela kanye nokunakekela isilwane;

(b) maqondana nohlelo lokushintshisana, indawo yokugcina amakati, izindlu zezinja, izindawo ezinakekela izilwane noma izitolo zezilwane ezifuywayo kusho umuntu ongumnikazi webhizinisi eliyingxenye noma umuntu obhekele lawo magceke okugcinwe kuwo izilwane;

"izindlu zezinja" kuchaza amagceke lapho –

(a) kuhlinzekwa khona ngendawo yokugcina izinja okwesikhashana;

(b) izinja zikhuliswa khona ngenhloso yokuthi zidayiswe;

(c) izinja zigcinwa khona ngenhloso yokuthi ziqeqeshwe noma kuqashiswe ngazo zinamabhande noma zingenawo; noma

(d) izinja zigcinwa khona ngenhloso yebhizinisi lokuvikela;

"imfuyo:" kuchaza amahhashi, izinkomo, izimvu, izimbuzi, izingulube, iminyuzi, izimbongolo kanye nezinkukhu;

"isilwane esifuywayo" kuchaza isilwane esifuywe ekhaya ngenhloso yokuphilisana kahle naso noma yokuzijabulisa;

"indawo yokunakekela izilwane ezifuywayo" kuchaza nanoma yimaphi amagceke lapho izilwane zinikezwa khona ukunakekelwa zibe zinhle ngokuthi zigezwe, zonyiswe, ziphululwe, zigundwe noma kubhekelwe izinzipho noma amazinyo azo;

"isitolo sezilwane ezifuywayo" kuchaza nanoma yimaphi amagceke lapho kuqhutshwa khona ibhizinisi lokugcina nokudayisa izilwane ezifuywayo;

"izinkukhu" kuchaza izinkukhu, amadada, amahansi, amagwinsi, amagalikuni, amajuba, amapigogo kanye nezimpangele ezifuywayo;

"ihhoko" kuchaza nanoma yisiphi isakhiwo esifulelwe lapho kugcinwa khona izinkukhu, ngale kwaleso okwenzelwa kuso uhlelo lokushintshisana;

"umhubhe wezinkukhu" kuchaza nanoma yiliphi ihhoko locingo olusafefe elingafulelwe kumbe nanoma iyiphi indawo evalekile lapho kugcinwa khona izinkukhu, ixhumene noma ingaxhumene nehhoko;

"ilokisi elimenyezelwe" kuchaza ilokishi elivunywe ngokwanoma yimuphi umthetho waphambilini maqondana namalokishi;

"ikheji lonogwaja" kuchaza nanoma yisiphi isakhiwo esifulelwe lapho kugcinwa khona onogwaja, ngale kwaleso esisetshenziselwa uhlelo lokushintshisana;

"umhubhe wonogwaja" kuchaza nanoma yiliphi ihhoko locingo olusafefe elingafulelwe kumbe nanoma iyiiphi indawo evalekile lapho kugcinwa khona onogwaja, ixhumene noma ingaxhumene nekheji lonogwaja;

"isibaya" kuchaza nanoma yisiphi isakhiwo esisetshenziselwa ukuhlalisa imfuyo ngaphandle kwezinkukhu;

"izilwane zasendle" kuchaza isilwane sohlobo olungafuywa futhi kungahlanganisa zonke izilwane zokudabuka eNingizimu Afrika ngale kwezimpangele ezifuywayo.

INGXENYE 1

IZIHLINZEKELO EZIJWAYELEKILE MAQONDANA NOKUGCINWA KWEZILWANE

2. Ukusebenza kwemithetho kamasipala

(1) Kuya ngokwendinyana (2), izihlinzekelo zale Sheduli azisebenzi-

(a) kunanoma yimuphi umbukiso wezolimo lapho izilwane zigcinwa khona okwesikhashana;

(b) kunanoma iyiphi indawo yobuchwepheshe bokuhlola (laboratory) lapho izilwane zigcinwa khona ngenhloso yokwenza ucwaningo;

(1) Indima yama - 28 yale Sheduli isebenza ekugcinweni kwezilwane emibukisweni yezolimo kanye nasezindaweni zobuchwepheshe bokuhlola zokwenza ucwaningo.

INGXENYE II:

UKUGCINWA KWEZINKOMO, AMAHHASHI, IMINYUZI NEZIMBONGOLO

3. Izidingo zamagceke

(1) Akukho muntu okumele agcine nanoma iyiphi inkomo, ihhashi, umnyuzi noma imbongolo esibayeni noma nayiphi enye indawo evalekile engahambisani nalezi zidingo ezilandelayo:

(a) Lonke udonga kanye nodonga olwahlukanise indawo evalekile kumele lwakhiwe ngezitini, amatshe, ukhonkolo kumbe nanoma iyiphi impahla yokwakha eqinile ;

(b) Ingaphezulu lengaphakathi lodonga lwendawo evalekile kumele lakhiwe ngezitini ezibushelelezi noma ingaphezulu eliqinile lenziwe bushelelezi;

(c) Ukuphakama kwezindonga ukuya kucwecwe lodonga lothango kumele:-

(I) Uma uphahla luphakeme, udonga kumele lube ngamamitha ama-2,4;

(II) Uma uphahla luphansi udonga kumele lube ngamamitha ama-2,7;

(III) Uma ngabe uphahla lutshekile udonga kumele luphakame ngamamitha ama-3 bese lungabi ngaphansi kwamamitha ama 2,4 ngakwicala elifishane;

(IV) Esibayeni esinendawo evulekil ngasohlangothini olude, udonga kumele lungabi ngaphansi kwamamitha ama-2;

(d) Isibaya kumele sibe nendawo yephansi okungenani elingama- square metre ayisi-9 somhlambi ngamunye wezinkomo, wamahhashi, weminyuzi noma wezimbongolo ohlala kuso;

(e) Ukungena komoya kanye nokukhanya kumele kuhlinzekwe yizikhala noma ngamafastela engilazi avulekile kumbe amafastela epulangwe okungenani amagama- square metre ayi-0,3m isilwanyana ngasinye esizohlala kuso ngaphandle kwesimo lapho isibaya sivuleka khona uhlangothi lonke eceleni lobude baso;

(f) Indawo ephansi kakhulu yohlangothi oluvulekile, ifastela noma ifasitela lamapulangwe kumele okungenani ibe ngamamitha ama-1,8 ngenhla kwephansi;

(g) Kumele kwakhiwe iphansi lesibaya ngokhonkolo noma ngayiphi impahla yokwakha eqinile kanye nempahla engangenwa imvula bese igandaywa yenziwa umsele obushelelezi ngokwendima 27;

(h) Nanoma yiyiphi indawo evalekile kumele ibe nendawo okungenani engama-square metre ayi-10 umhlambi ngamunye wezinkomo, wamahhashi, weminyuzi noma wezimbongolo ohlala kuso futhi ibiyelwe ngothango oluqine ngokwanele ukuvimbela izilwane zingafohli;

(i) Akukho sibaya okumele lakhiwe lapho kusele :-

(i) amamitha ayi-15 eduze komngcele, kwempahla, indawo yokuhlala noma yisiphi isakhiwo esihlala abantu noma lapho kusele; noma

(ii) amamitha angama-50 eduze komthombo wamanzi noma iyiphi indlela eletha amanzi noma asetshenziswa ngabantu;

(j) kumele kube namanzi anele okuphuza kanye nokuhlanza budebuduze nanoma yisiphi isibaya kumbe indawo evalekile.

4. Imisebenzi yomgcini wezinkomo, amahashi, iminyuzi kanye nezimbongolo

Noma ngubani ogcina nanoma yiyiphi inkomo, ihashi, umnyuzi noma imbongolo kumele-

(a) agcine amagceke, imishini, izinto zokusebenza, isitsha noma umgqomo osetshenziswa maqondana nokugcinwa kwezilwane kusesimweni esihlanzekile nesinempilo futhi kulungisiwe;

(b) ahlinzeke ngezitsha eziphathekayo zokugcina umquba ezakhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi futhi ezinezivalo ezivala ngci;

(c) agcine zonke izitsha zokufaka umquba emphemeni owakhiwe ngokhonkolo noma ngempahla yokwakha eqinile futhi engangenwa ngamanzi maduzane nesibaya noma indawo evalekile;

(d) uma kunomquba notshani obendlalelwa imfuyo obuningi kangangoba izitsha zokufaka ngeke zikwazi ukusebenza, ahlinzeke ngenqwaba yomquba ngokuhambisana nalezi zidingo ezilandelayo:

(i) inqwaba kumele ivalelwe ngezindonga ezintathu ezakhiwe ngezitini, ukhonkolo noma enye impahla yokwakha eqinile ziplastelwe zibe bushelelezi; futhi

(ii) iphansi kumele ligandaywe ngokhonkolo obushelelezi ngenhloso yokuchithela emseleni wamanzi malungana nobude obuphelele bengxenye evuleke eceleni, okungenani engamamilimitha ayi-150 ububanzi besiyingi futhi ihlale igcwaliswe ngamanzi;

(e) asuse wonke umquba esibayeni nasendaweni evalekile okungenani kanye emahoreni angamashumi amabili nane, awubeke ezitsheni zokugcina umquba noma ube yinqwaba uze ususwe emagcekeni;

(f) asuse okuphakathi ezitsheni zokufaka umquba kumbe inqwaba emagcekeni okungenani kanye njalo osukwini lwesibili futhi ukulahlwa komquba kumele kwenziwe ngendlela engezukuba wuhlupho empilweni yomphakathi;

(g) asuse bonke ubutshani obendlalelwa izilwane esibayeni okungenani kanye ngesonto bese ebubeka ezitsheni zokufaka umquba noma ube yinqwaba uze ususwe emagcekeni;

(h) agcine zonke izihlalo zamahashi, amatomu, amahhanisi kanye nezinye izinto zokusebenza noma izimpahla ezisetshenziselwa ukugcina izilwane, endlini yokugcina impahla noma enye indawo eyanele yokugcina impahla; futhi

(i) agcine konke ukudla endaweni yokugcina impahla engangenwa ngamagundane kanye nakho konke ukudla okuvuliwe ezitsheni ezingangenwa ngamagundane ezinezivalo ezivala ngci.

INGXENYE III:

UKUGCINWA KWEZIMBUZI NEZIKLABHU

5. Ukusebenza

Izihlinzeko zezindima yesi - 6 neyesi - 7 azisebenzi ekugcinweni kwezimbuzi kwesikhashana kunoma yimaphi amagceke ngezizathu zokuhlinzeka ngobisi noma ukwelapha.

6. Izidingo zamagceke

(1) Akukho muntu ongagcina iziklabhu noma izimbuzi-

(a) endaweni evalekile engahambisani nalezi zidingo ezilandelayo -

(i) indawo eyiphansi okungenani ingaba ngama-square metre angama-30; futhi

(ii) okungenani ama-square metre ayi-1,5 ephansi kumele ahlinzekelwe izimbuzi neziklabhu ezigcinwe kuyo; noma

(b) esibayeni esingahambisani nalezi zidingo ezilandelayo:

(aa) zonke izindonga kumele zakhiwe ngezitini, ngamatshe, ukhonkolo noma enye impahla yokwakha eqinile;

(ii) zonke izindonga kumele okungenani zibe ngamamitha ama-2 ukuphakama futhi zibe bushelelezi ngaphakathi;

(iii) iphansi kumele lakhiwe ngokhonkolo noma enye impahla yokwakha eqinile futhi engangenwa ngamanzi lenziwe libe bushelelezi bese igugulwa ichithele emseleni wamanzi ngokwendima yama - 27;

(iv) kuhlinzekwe ngephansi okungenani elingama-square metre ayi-1,5 ukuhlalisa imbuzi ngayinye noma isiklabhu, kuthi indawo yephansi seyiyonke ibe ngama-square mitre ayisi-6;

(v) kuhlinzekwe ngezindawo ezivulekile ezingenisa ukukhanya kanye nomoya sezihlangene okungenani zibe ngama-square metre ayi- 0,15 imbuzi ngayinye noma isiklabhu;

(2) Akukho muntu okumele agcine iziklabhu noma izimbuzi endaweni evalekile noma esibayeni -

(a) esingamamitha ayi- 15 kunoma yimuphi umngcele wanoma yimuphi umhlaba, indlu yokuhlala, ibhilidi noma esinye isakhiwo esisetshenziselwa ukuhlalisa abantu; noma

(b) esingamamitha angama- 50 kunoma yimuphi umsuka wamanzi noma lapho kusatshalaliswa khona amanzi noma lapho kuhloswe khona ukuthi kusatshalaliswe amanzi noma ezosetshenziswa ngabantu.

(3) Wonke umuntu kumele ahlinzeke ngokusatshalaliswa kwamanzi enelenukuthi angaphuzwa aphinde asetshenziselwe ukuhlanza kube seduzane noma kube phakathi esibayeni noma endaweni evalekile ngayinye esetshenziselwa ukugcina iziklabhu noma izimbuzi.

7. Imisebenzi yomgcini zimbuzi kanye neziklabhu

Wonke umuntu ogcine izimbuzi noma iziklabhu kumele-

(a) agcine amagceke kanye nanoma yimiphi imishini, izinto zokusebenza, izitsha, noma imigqomo ephathelene nokugcinwa kwesilwane kuhlanzekile kusesimweni esinempilo futhi kuhlale kukhandekile;

(b) ahlinzeke ngezitsha eziphathekayo zokugcina umquba ezakhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi futhi ezinezivalo ezivala ngci;

(c) agcine zonke izitsha zokufaka umquba emphemeni ovumela ukuthi ingaphezulu lengaphansi lesitsha lihlanzeke;

(d) asuse wonke umquba osendaweni evalekile, ebhilidini noma egushede okungenani kanye ezinsukwini eziyisikhombisa bese ewufaka ezitsheni zokugcina umquba.

(e) asuse okuphakathi ezitsheni zokufaka umquba ezisegcekeni okungenani kanye njalo ezinsukwini eziyisikhombisa futhi ukulahlwa komquba kumele kwenziwe ngendlela engezukuba wuhlupho empilweni yomphakathi;

(f) agcine konke ukudla endlini yokugcina impahla engenakungenwa ngamagundane kanye nakho konke ukudla okuvuliwe ezitsheni ezingangenwa ngamagundane futhi ezinezivalo ezivala ngci.

INGXENYE IV:
UKUGCINWA KWEZINKUKHU

8. Ukusebenza

Izihlinzekelo zezindima eye- 10 (d) kuya ku- (g) kuhlanganisa neye - 11 (e) azisebenzi kubantu abagcine izinkukhu ezilishumi noma ngaphansi.

9. Izidingo zemvume yezinkukhu

Akukho muntu ongagcina izinkukhu ezingaphezu kweshumi esizeni elokishini elimenyezelwe noma izinyoni ezifuywayo eziyi-100 emagcekeni aklanyelwe ezolimo kuphela ngokwemvume.

10. Izidingo zamagceke

Akukho muntu okumele agcine izinkukhu emagcekeni angahambisani nalezi zidingo ezilandelayo:

(a) Maqondana namahhoko –

(i) zonke izindonga kumele zakhiwe ngezitini, ngamatshe, ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi ingaphezulu lengaphakathi lenziwe libe bushelelezi

(ii) iphansi kumele lakhiwe ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi lenziwe libe bushelelezi;

(iii) isitezi esiphezulu sesakhiwo esiyizitezi ezimbili nangaphezulu kumele sakhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi futhi egezeka kalula;

Isilinganiso esincane sephansi kumele -

(a) sibe ngama-square metre ayi-0,20 ngenkukhu eyodwa esikhulile, idada, ihansi noma impangela efuywa ekhaya;

(b) sibe ngama-square metre ayi-0,5 ngegwinsi elilodwa eselikhulile, igalikuni, ipigogo; futhi

(c) sibe ngama-square metre ayi- 0,14 ngejuba elilodwa eselikhulile;

(v) isilinganiso esincane sephansi kumele sibe ngama-square metre ama-4;

(b) umhubhe wezinkukhu, uma uhlinzekiwe, kumele ubiyelwe ngocingo olusafefe noma enye impahla yokwakha eqinile;

(c) maqondana nanoma yiliphi ibhilidi noma isakhiwo okwenziwa kuso uhlelo lokushintshisana -

(i) zonke izindonga, uma zihlinzekiwe, kumele okungenani zibe ngamamitha ama- 2,4 ukuphakama, kumele zakhiwe ngokhonkolo, ngamatshe, ngezitini noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi futhi kumele iphezulu lengaphakathi libe bushelelezi;

(ii) uma izindonga zihlinzekiwe, ibhilidi kumele lingenise umoya nokukhanya kungaba ngemishini nogesi noma umoya ungene ngezikhala zemvelo kuthi ukukhanya kungene ngezikhala noma ngamafasitela endaweni engekho ngaphansi kwamaphesenti ayi-15 ephansi lebhilidi;

(iii) iphansi kumele lakhiwe ngokhonkolo noma ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi lenziwe libe bushelelezi futhi uma isikhulu esibhekele ezempilo zendawo sidinga lokho, iphansi kumele ligandaywe libe nomsele wamanzi owenziwe ngokwendima yama - 27;

(iv) uma zingekho izindonga ezihlinzekiwe, noma uma zakhiwe ngokusathayela, iphansi kumele lihlinzekelwe ngesivikelo okungenani esingamamilimitha ayi- 150 ukuphakama kuzungeze unqenqema;

(v) amakheji ohlelo lokushintshisana kumele akhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi;

(vi) uma isikhulu esibhekele ezempilo zendawo sibona kufanele, uqgoko olwakhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi kumele lufakwe ngaphansi kwawo wonke amakheji ukuze luqoqe umquba;

(d) kumele kusatshalaliswe amanzi enele okuphuza kanye nokuhlanza ngaphakathi noma eduzane nomhubhe wezinkukhu noma isakhiwo esiyindlu sohlelo lokushintshisana;

(e) akukho hhoko, umhubhe wezinkukhu noma ibhilidi kumbe isakhiwo esiyindlu sohlelo lokushintshisana okuzokwakhiwa endaweni engamamitha ama-3 -

(i) ananoma iyiphi indawo yokuhlala, elinye ibhilidi noma isakhiwo esisetshenziselwa ukuhlalisa abantu;

(ii) ananoma iyiphi indawo yokugcina ukudla noma lapho kuphekelwa khona ukuze kudliwe ngabantu; noma

(iii) omngcele oseduzane nanoma yimuphi umhlaba;

(f) ukudla kwemfuyo kumele kugcinwe endlini yokugcina impahla eyanele futhi engangenwa ngamagundane;

(g) kumele kuhlinzekwe ngezindawo zokuhlanza amakheji;

(h) ngenxa yobuningi bomquba ogcinwe emagcekeni olindele ukususwa, uma isikhulu esibhekele ezempilo yezendawo sidinga lokho, kumele kuhlinzekwe ngendawo yokugcina umquba ehambisana nalezi zidingo ezilandelayo:

(i) umpheme ofulelwe ngophahla owakhiwe ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi;

(ii) unqenqema lompheme kumele lube nesivikelo esinesilinganiso samamilimitha ayi-100 ukuphakama;

(iii) umpheme kumele ugandaywe ube nomsele wamanzi owenziwe ngokwendima yama - 27; futhi

(iv) uphahla lompheme kumele lweqe ngemitha elilodwa onqenqemeni lwesisekelo sompheme.

11. Imisebenzi yomgcini wezinkukhu

Noma ngubani ogcine izinkukhu kumele -

(a) aqinisekise ukuthi zonke izinkukhu zigcinwe phakathi ehhokweni, emhubheni wezinkukhu noma ebhilidini kumbe esakhiweni esiyindlu yohlelo lokushintshisana;

(b) agcine amagceke kanye nanoma yimiphi imishini, izinto zokusebenza, izitsha noma imigqomo ezisetshenziswa maqondana nokugcinwa kwezinkukhu kusesimweni esihlanzekile nesinempilo futhi kuhlale kulungisiwe;

(c) agcine amagceke engenalo iphunga elibi futhi wonke amahhoko, ezinkukhu, umhubhe wezinkukhu noma ibhilidi kumbe indlu yohlelo lokushintshisana kanye nawo wonke amakheji kuhlanzekile futhi kungenazinambuzane;

(d) aqiniseke ukuthi izinkukhu aziphazamisi noma azivimbeli inhlalakahle, azithikamezi ukuthula noxolo lomphakathi;

(e) ahlinzeke ngezitsha zokugcina umquba eziphathekayo ezakhiwe ngempahla yakwakha engangenwa ngamanzi futhi ezinezivalo ezivala ngci kanti izitsha zokugcina umquba kumele zigcinwe emphemeni;

(f) asuse wonke umquba kanye nenye imfucuza ehhokweni lezinkukhu nasemhubheni wezinkukhu okungenani kanye emahoreni angama-48 nakanye ezinsukwini ezine ebhilidini noma esakhiweni sohlelo lokushintshisana;

(g) afake umquba nenye imfucuza ezitsheni zokugcina umquba;

(h) akhiphe okuphakathi ezitsheni zokufaka umquba ezisemagcekeni okungenai kanye njalo ezinsukwini eziyisikhombisa futhi ukulahlwa komquba kumele kwenziwe ngendlela engezukuba wuhlupho empilweni yomphakathi; futhi

(i) athathe izinyathelo ezifanele ukugcina amagceke engenazimpukane, amaphela kanye namagundane kanye nokuvimbela iphunga elibi elidalwa ukugcinwa kwezinkukhu emagcekeni.

INGXENYE V:

UKUGCINWA KONOGWAJA

12. Ukusebenza

Izihlinzekelo zezindima ye -14 (1) kuya ku-(d) kanye neye- 15 (d) kuya ku-(f), azisebenzi kubantu abagcine onogwaja abalishumi nangaphansi.

13. Izidingo zemvume yonogwaja

Akukho muntu ongagcina onogwaja asebebadala abangaphezu kwesi-5 esizeni esiselokishini elimenyezelwe noma onogwaja asebebadala abangama-20 emagcekeni aklanyelwe ezolimo ngaphandle uma kunemvume.

14. Izidingo zamagceke

Akukho muntu ongagcina onogwaja emagcekeni angahambisani nalezi zidingo ezilandelayo:

(a) maqondana nekheji lonogwaja-

(i) zonke izidonga kumele zakhiwe ngezitini, amatshe, ukhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi futhi kumele zibe nengaphakathi lengaphezulu elibushelelezi;

(ii) ingaphezulu lephansi kumele-

(a) lakhiwe ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi lenziwe libe bushelelezi;

(b) libe okungenani ngamamilimitha ayi- 150 ngaphezulu kweleveli yephansi; futhi

(c) ligandaywelichithele emseleni wamanzi ngokwesigaba 0, uma isikhulu esibhekele ezempilo yendawo sidinga lokho;

(iii) kumele kuhlinzekelwe ukungena komoya okwanele;

(b) nanoma yimuphi umhubhe wonogwaja kumele ubiyelwe ngocingo olusafefe kumbe ngenye impahla yokwakha eqinile futhi kumele wakhiwe ngendlela evimbela onogwaja ukuthi bangeqi emhubheni;

(c) maqondana nebhilidi noma isakhiwo sohlelo lokushintshisana -

(i) nanoma yiluphi udonga kumele-

(b) lube okungenani nesilinganiso esiphansi esingamamitha ama- 2,4 ukuphakama;

(c) lwakhiwe ngokhonkolo, ngamatshe, ngezitini noma ngenye impahla yokwakha eqinile;

(d) luyibe nengaphezulu lengaphakathi elibushelelezi;

(ii) uma izindonga zihlinzekiwe, ibhilidi kumele lingenise umoya nokukhanya ngezikhala zemvelo noma ngamafasitela endaweni engekho ngaphansi kwamaphesenti ayi-15 ephansi lebhilidi;

(iii) iphansi kumele lakhiwe ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi lenziwe libe bushelelezi, futhi uma isikhulu esibhekele ezempilo yendawo, ingaphezulu lephansi kumele ligandaywe lichithele emseleni wamanzi ngokwendima yama - 27;

(iv) uma zingekho izindonga ezihlinzekiwe, noma uma zakhiwe ngokusansimbi, iphansi kumele lihlinzekelwe ngesivikelo okungenani esingamamilimitha ayi- 150 ukuphakama kuzungeze unqenqema; futhi

(v) wonke amakheji kumele akhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi futhi afakwe izingqoko ezakhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi ukuze kufakwe umquba;

(d) kumele kusatshalaliswe amanzi enele okuphuza kanye nokuhlanza ngaphakathi noma eduzane nomhubhe wonogwaja noma isakhiwo esiyindlu sohlelo lokushintshisana;

(e) akukho muntu ozomisa umhubhe wonogwaja noma ibhilidi kumbe isakhiwo esiyindlu sohlelo lokushintshisana endaweni engamamitha amahlanu -

(i) ananoma iyiphi indawo yokuhlala, elinye ibhilidi noma isakhiwo esisetshenziselwa ukuhlalisa abantu;

(ii) ananoma iyiphi indawo yokugcina ukudla noma lapho kuphekelwa khona ukuze kudliwe ngabantu; noma

(iii) omngcele oseduzane nanoma yimuphi umhlaba;

(f) kumele kuhlinzekwe ngendawo eyanele engangnewa ngamagundane yokugcina impahla lapho kuzogcinwa khona ukudla kwemfuyo; futhi

(g) kumele kuhlinzekwe ngezindawo zokuhlanza amakheji;

15. **Imisebenzi yomgcini wonogwaja**

Noma ngubani ogcine onogwaja kumele -

(a) agcine bonke onogwaja ngaphakathi ekhejini yonogwaja, emhubheni wonogwaja nona ebhilidini kumbe esakhiweni sohlelo lokushintshisana;

(b) agcine amagceke kanye nanoma yimiphi imishini, izinto zokusebenza, izitsha noma imigqomo esetshenziswa maqondana nokugcinwa konogwaja kuhlanzekile, kusesimweni sempilo futhi kuhlale kulungisiwe;

(c) agcine amagceke engenalo iphunga elibi futhi wonke amakheji onogwaja, imihubhe yonogwaja, ibhilidi noma isakhiwo sohlelo lokushintshisana kanye nawo wonke amakheji kulanzekile futhi kungangenwa yizinambuzane.

(d) ahlinzeke ngezitsha zokugcina umquba eziphathekayo ezakhiwe ngempahla yakwakha engangenwa ngamanzi futuhi ezinezivalo ezivala ngci futhi zonke izitsha zokugcina umquba kumele zigcinwe emphemeni;

(e) asuse wonke umquba kanye nanoma iyiphi imfucuza esekhejini lonogwaja, emhubheni wonogwaja noma ibhilidi kumbe isakhiwo sohlelo lokushintshisana, okungenani kanye emahoreni angama-48;

(f) agcine umquba kanye nemfucuza ezitsheni zokugcina umquba uze ususwe emagcekeni;

(g) asuse okuphakathi ezitsheni zokugcina umquba ezisemagcekeni okungenani kanye njalo ezinsukwini eziyisikhombisa futhi ukulahlwa komquba kumele kwenziwe ngendlela engeke ibe wuhlupho empilweni yomphakathi.

INGXENYE VI:
UKUGCINWA KWEZINYONI EZINGESIZO IZINKUKHU

16. **Izidingo zamagceke**

Akukho muntu ongagcina nanoma iyiphi inyoni kungesizo izinkukhu, ehhokweni elikhulu lezinyoni elingahambisani nalezi zidingo ezilandelayo:

(a) ihhoko elikhulu lezinyoni kumele lakhiwe ngempahla yokwakha eqinile engenakungenwa ngamagundane;

(b) kumele kuhlinzekwe ngentuba yokungena eyanele ngenhloso yokuhlanza;

(c) uma ihhoko elikhulu lezinyoni lakhiwe ngaphezu kweleveli yephansi, isisekelo kumele sakkhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi neqinile futhi kumele lakhiwe libe yisilinganiso esingamamilimitha angama-300 elevelini engaphezu kwephansi;

(d) ihhoko elikhulu lezinyoni kumele lakhiwe emamitheni amathathu anoma yiliphi ibhilidi kumbe isakhiwo, uthango olungumngcele noma udonga olungumngcele; futhi

(e) ukusatshalaliswa kwamanzi enele okuphuza nokuhlanza kumele kwenziwe ngaphakathi noma maduzane nehhoko elikhulu lezinyoni.

17. **Imisebenzi yomgcini wehhoko elikhulu lezinyoni**

Noma ngubani ogcine izinyoni ehhokweni elikhulu lezinyoni kumele-

(a) aqinisekise ukuthi ihhoko elikhulu lezinyoni kanye namagceke agcinwa esesimweni esihlanzekile futhi esingenazo izinambuzane;

(b) ahlinzeke futhi asebenzise izindawo ezingenakungenwa ngamagundane; futhi

(c) aqinisekise ukuthi izinyoni aziphazamisi inhlalakahle, azithikamezi ukuthula nxolo lomphakathi.

INGXENYE VII:
IZINDLU ZEZINJA KANYE NEZINDAWO ZOKUGCINA AMAKATI

18. **Izidingo zamagceke**

Akukho muntu ongasebenzisa amagceke njengezindlu zezinja noma indawo yokugcina amakati ngaphandle uma lawo magceke ehambisana nalezi zidingo ezilandelyo:

( ) zonke izinja noma amakati kumele kugcinwe endaweni evalekilenehambisana nalezi zidingo ezilandelayo:

(i) indawo evalekile kumele yakhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi futhi kumele ibe nentuba yokungena eyanele ngenhloso yokuhlanza;

(ii) iphansi kumele lakhiwe ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi lenziwe libe bushelelezi futhi ligandaywe lichithele emseleni wamanzi obubanzi bawo bungamamilimitha ayi-100, ukwandisa ububanzi bephansi, libe nomsele wamanzi ogandayiwe wachithela esitamkokweni soMkhandlu ngokusebenzisa amapayipi anomthaamo ongamamilimitha ayi-100; futhi

(iii) kumele kuhlinzekwe ngesivikelo esingamamilimitha ayi -150 ukuphakama kuzungeza unqenqema lomsele okukhulunywe ngalo endinyaneni (ii), ukuvimbela ukugobhoza kwamanzi ezikhukhula angena emseleni;

(b) kuya ngokwendinyana (c), yonke indawo evalekile okukhulunywe ngayo endinyaneni (a), kumele ibe sesakhiweni esinophahla esihambisana nalezi zidingo ezilandelayo:

(i) zonke izindonga kumele zakhiwe ngezitini, ngamatshe, ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi;

(ii) ingaphezulu lengaphakathi lazo zonke izindonga kumele libe bushelelezi;

(iii) iphansi kumele lakhiwe ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi futhi lenziwe libe bushelelezi; futhi

(iv) zonke izakhiwo kumele zibe nentuba yokungena eyanele ukuze kube lula ukuzihlanza nokunqanda izinambuzane;

(c) kumele kuhlinzekwe ngendlu yenja ehambisana nezidingo ezilandeyo esikhundleni sesakhiwo okukhulunywe ngaso endinyaneni (b):

(i) indlu yenja kumele yakhiwe ngo-asbestos obunjiweyo noma ngenye impahla yokwakha efana nawo;

(ii) indlu yenja kumele ikwazi ukugudluleka;

(iii) indlu yenja kumele ibekwe esisekelweni sikakhonkolo noma enye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi ehlanzeka kalula; futhi

(iv) uqwembe lokulala, olukwazi ukugcina inja yomile kumele luhlinzekwe kunoma iyiphi indlu yenja engenaso isisekelo esingangenwa ngamanzi;

(d) kumele kuhlinzekwe ngesibhaxelo sikakhonkolo esengeza ububanzi ukuzungeza unqenqema lwendawo evalekile okungenani esingaba yimitha elilodwa;

(e) indawo encane encikene nenye indawo noma isakhiwo esikhulu mayibe ngehlelembiwe futhi idonse amanzi ngendlela yokuthi amanzi esichotho edonseleke kude nendawo evalekile;

(f) makuhlinzekwe ngento yokunikezela ngamanzi anokuphuzwa, anele ukuba aphuzwe futhi asetshenziswe ngenjongo yokuhlanza endaweni ebiyelwe noma encikene nendawo ebiyelwe;

(g) noma yiliphi ikheji eligcina amakati malakhiwe ngempahla yokwakha eqinile engangenwa ngamanzi engakwazi ukuhlanzwa kalula;

(h) noma yimuphi umpheme wokukhusela, indawo ebiyelwe kumbe indlu yenja mayakhiwe phakathi kwamamitha amahlanu -

(i) anoma iyiphi indlu yokuhlala noma elinye ibhilidi kumbe isakhiwo esisetshenziselwa ukuhlala abantu;

(ii) endawo lapho kugcinwa khona ukudla futhi kubuye kulungiswe ukudla okudliwa ngabantu; noma

(iii) omncele wesakhiwo.

19. **Indawo yokulungisa ukudla**

Noma yimuphi umgcini wezindlu zezinja noma wendawo okondliwa kuwo noma okusetshenziselwa kuyo ukuzalanisa amakati oyalelwe yisikhulu sezempilo esibhekele ubunjalo bendawo ukuba ahlinzeke ngendawo yokulungisa ukudla, makahlinzeke ngendlu eseceleni noma ngendawo enompheme yokulungisa ukudla ehambisana nalezizidingo ezilandelayo:

(a) indawo ephansi yendlu noma indawo enompheme mayakhiwe ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi eyenziwe yaba bushelelezi;

(b) udonga lwangaphakathi endaweni yangaphezulu yendlu noma yendawo enompheme mayibe bushelelezi futhi ikwazi ukuhlanzwa kalula;

(c) makuhlinzekwe ngezimfanelo ezanele zokuhlanza izitsha zokudla kanye nezokuphatha; kanye

(d) nokuhlinzeka ngendawo yokugcina impahla engenakungenwa yizilwane eziququdayo ukuze kugcinwe kuyo ukudla.

20. **Imisebenzi yomgcini wezindlu zezinja noma wendawo okondliwa kuwo noma okusetshenziselwa kuyo ukuzalanisa amakati**

Noma ngubani osebenzisa indlu yenja noma indawo okondliwa kuwo noma esetshenziselwa ukuzalanisa amakati –

(a) makagcine isakhiwo, impahla yokusebenza kanye nazo zonke izitsha, noma ipulangwe lokulala elisetshenziselwa into ehlangene nezindlu zezinja noma indawo okondliwa kuwo noma esetshenziselwa ukuzalanisa amakati ihlanzekile, isesimweni esihle esiphathelene nemithetho yezempilo nokuba sesimweni esihle sokukhandeka;

(b) makahlinzeke ngezitsha eziphathekayo zokugcina indle yezinja neyamakati ezakhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi;

(c) makususwe yonke indle kanye nayo yonke into eyizibi endaweni ebiyelwe nakumpheme wokukhusela okungenani kanye njalo emahoreni angamashumi amabili nane bese efakwa ezitsheni ezichaziwe kwindinyana (b);

(d) makususwe okuphakathi ezitsheni esakhiweni okungenani kanye njalo ezinsukwini eziyisikhombisa bese kulahlwa ngendlela engezukudala uhlupho empilweni yomphakathi;

(e) makugcinwe konke ukudla okuvulekile kusezitsheni ezinezivalo ezivaleka ngci lapho kugcinwa khona.

(f) makuhlinzekwe isakhiwo ngezimfanelo zokuqandisa ezanele zokugcina ukudla okubolayo;

(g) isakhiwo masihlinzekwe ngezitsha ezahlukene ezanele zokufaka izibi, kungabi yindle, mazibe nezivalo ezivaleka ngci;

(h) makugcinwe inja noma ikati eligulayo ngokwehlukana kwezinye izilwane;

(i) isakhiwo masigcinwe singenaphunga elicunulayo kanye nayo yonke indawo ebiyelwe, umpheme wokukhusela, indlu yenja, ikheji, noma indawo egcina ukudla ihlanzekile futhi ingenazo izilokazane eziluhlupho.

INGXENYE VIII :

IZITOLO ZEZILWANE KANYE NEZINDAWO EZINAKEKELA IZILWANE EZIFUYWAYO

21. **Izidingo zezakhiwo**

Akukho muntu ongenza isitolo sezilwane kumbe ikamelo lokulala izilwane esakhiweni esingavumelani nezidingo ezilandelayo;

(a) Zonke izindonga, kanye nanoma iyiphi indawo ehlukanisiwe, kumele-

(i) Yenziwe ngezitini, ukhonkolo kumbe ngenye impahla yokwakha engenakungenwa ngamanzi;

(ii) Kube nengaphakathi elibushelelezi elihlanzeka kalula, futhi

(iii) Lipendwe ngopende ogezekayo futhi eqedelwe ngendlela efanele;

(b) Yonke indawo ephansi kumele yekhiwe ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi eyenziwe yaba bushelelezi;

(c) Lonke uphahla lwangaphakathi kumele luvikeleke ezintulini futhi luhlanzeke kalula;

(d) Okungenani ubheseni owodwa wokuwashela izandla, nokunikezelwa kwamanzi ahamba ngamapayipi ashisayo kanye nabandayo, kumele anikezelwe kwizisebenzi futhi inani lobheseni bokuwasha izandla ngangezisebenzi kuleso sakhiwo akumele zibe ngaphansi kuka-1:15

(e) Ubheseni wokuwashela izandla, buyekezela kwisigatshana (d) kumele zomisiwe ngokwendima yama -27;

(f) Makuhlinzekwe ngezindawo ezanele zokubeka; adequate storage facilities must be provided;

(g) Makuhlinzekwe ngezinto zokuwasha amakheji, amathileyi kanye nezinye izimpahla ngendlela engaba -

(i) ngethiyiweyo kanye nephahlekiwe ngaphezulu komganga onendawo engaphezulu eyanele engamaskwe amamitha angu - 1,5,

ephakanyiswe okungenani ngo -100 amamilimitha ngaphezulu kwendwo ephansi futhi yakhiwa ngokhonkolo noma ngeye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi, okumele kuhlinzekwe ngayo umganga ngamanzi aphuzwayo ahamba ngamapayipi, noma

(ii) usinki owakhiwe ngensimbi engathombi kumbe isitsha esivuleke kakhulu sokuphatha ukudla esingusayizi olingene onebhodi lokudonsa amanzi futhi kuhlinzekelwe ngokunikezelwa kwamanzi ahamba aphuzwayo;

(h) umganga, usinki kumbe isitsha esivuleke kakhulu sokuphatha ukudla njengoba kushiwo kwindinyana (g) kumele zikhameke ngokwendima yama-27;

(i) nanoma yiluphi udonga lwendawo engaphezulu phakathi kwamamitha angu-0,50 omganga, usinki noma isitsha esivuleke kakhulu sokuphatha ukudla esishiwo kwindinyana (g), masihlale njalo semboziwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi ukuphakama okungubuncane bokugcina obungamamitha angu - 1,4 ngaphezulu kwendawo ephansi;

(j) makuhlinzekwe ngekamelo lokushintshela elikhonjiswe ngokucacile uma kuqashwe abantu abangaphezu kwesithupha esakhiweni futhi yonke indlu yokushintshela kumele-

(i) ihlinzekelwe isisebenzi ngasinye ngendawo yaphansi okungenani engamaskwe amamitha angu -0.5;

(ii) ibe nobuncane bokugcina kuyoyonke indawo yaphansi ngamaskwe amamitha angu-6 kanye nobubanzi obungamamitha amabili; futhi

(iii) isisebenzi ngasinye sinikezelwe ngengidi elingene;

(k) Lapho kungadingakali khona ikamelo lokushintshela kumele isisebenzi ngasinye sihlinzekwe ngengidi esansimbi efanele njengokwendinyana (j) ngokomthetho wesigatshana (j),

(l) Ngokwezinjongo zokuwasha, ukugundwa kumbe ukulungiswa kwezilwane-

(i) makuhlinzekwe ngekamelo lokugezela elifakwe ubhavu kumbe okufana nalokho, kanye nobhesini wokuwashela izandla onamanzi aphuzwayo;

(ii) makuhlunzekwe ngekamelo lokugundela kanye nelokulungisa elifakelwe amatafula anengaphezulu elingangenwa ngamanzi nesibalo esanele sezitsha zokugcina eziphathwayo ezakhiwe ngempahla eqinile engangenwa ngamanzi enezivalo ezivaleka ngci, ukuze kungcinwe izinwele ezisikiweyo ngesikhathi zisalindele ukuba zilahlwe;

(iii) okungenani amaphesenti anga-50 endawo ephansi yamakamelo elishiwo kwindinyana (i) kanye no (ii) kumele zingavinjwa ngalutho; futhi

(iv) Indawo ephansi emakameleni eshiwo kwindinyana (i) kanye (ii) kumele ibe ngehlelembiwe futhi idonse amanzi ngemisele yokudonsa amanzi ngokwendima yama- 27;

(m) Wonke amabhilidi, ehlangene nezindawo okugcina, kumele zingangenwa yizilwane eziququdayo,

(n) Izakhiwo zingebe nendawo yokungena eqondile yangaphakathi engenela kunoma yiliphi ikamelo kumbe indawo-

(i) esetshenziselwa ukuhlala abantu;

(ii) Lapho izingubo zokugqoka zigcinwa kumbe zidayiselwa khona; noma

(iii) Lapho kulungiselwa khona ukudla, kugcinwa khona kumbe lapho kudayiselwa ukuba kudliwa ngabantu.

22. **Imisebenzi yomgcini wesitolo sezilwane noma sekamelo lokuhlala izilwane**

Umgcini wesitolo sezilwane noma wekamelo lokuhlala izilwane kumele-

(a) ahlinzeke ngamakheji okuhlala izilwane avumelana nalezizidingo ezilandelayo:

(i) ikheji kumele lakhiwe ngokusansimbi noma ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi kanye nethileyi laphansi elisusekayo elifakelwe ukwelekelela lapho kuhlanzwa;

(ii) kumele ivalwe into enendawo yangaphandle enembobo yanoma iliphi ithumbu kumbe into enesigodi esetshenziswa ekwakheni ikheji;

(iii) kumele amakheji akwazi ukususwa kalula;

(iv) lapho kugcinwa khona onogwaja ekhejini, ithileyi laphansi elakhiwe ngokusansimbi njengoba kuchaziwe kusigatshana (i) kumele likhameleke esitsheni esikwaziyo ukususwa;

(v) amakheji kumele afakelwe isitsha sokuphuza esigcwaliswe ngamanzi;

(vi) ibanga elisuka kwikheji liya odongeni oluseduze kumele lube ngubuncane bokugcina obungu – 50 amamilimitha;

(vii) ikheji kumele ligcinwe kubuncane bokugcina obungu – 450 amamilimitha ngaphezu kwezinga lendawo ephansi;

(viii) isikhala phansi kwawo wonke amakheji kumele singabi nasivimbelo;

(b) ahlinzeke ngezitsha ezingangenwa yizilwane eziququdayo, ezakhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi futhi zibe nezivalo ezivaleka ngci, ukugcina ukudla okuvulekile kwezilwane ezifuyiweyo endlini yokugcina impahla;

(c) ahlinzeke ngezimfanelo zokuqandisi ezanele ukuze kugcinwe konke ukudla okubolayo kwezilwane ezifuyiweyo;

(d) aqikelele ukuthi noma iliphi igumbi eligcina izilwane -

(i) ama 50% endawo ephansi ayinasivimbelo ; futhi

(ii) amakheji abekwe ashiyana elinye kwelinye ngesilinganiso sokugcina esingu – 800 amamilimitha

(e) anakekele izakhiwo kanye nawo wonke amakheji , amathileyi, izitsha, izikhongozelo, obhasikidi kanye nezinto zokwenza okuthile , impahla noma

impahla esetshenziselwa okumayelana nesitolo sezilwane, esisesimweni esihlanzekile nesihle esiphathelene nemithetho yezempilo, esingenazilokazane ezikhathazayo nokuba sesimweni esihle sokukhandeka;

(f) ahlinzeke ngezingubo ezigqokwa lapho kusetshenzwa noma ezinye izimpahla ezivikelayo zezisebenzi futhi aqikelela ukuthi izisebenzi ziyazigqoka ngesikhathi somsebenzi;

(g) ahlinzeke ngezimfanelo zokwahlukanisa lapho kugcinwa khona zonke izilwane ezifuyiweyo ezibonakala zigula noma ezigulayo esakhiweni;

(h) ahlinzeke ngokunikezela ngamanzi anokuphuzwa anele ngezinjongo zokuba aphuzwe futhi kuhlanzwa ngawo;

(i) ahlinzeke ngokokungeniswa komoya okwanele ukuqikeleka ukunethezeka kanye nokuphila kwezilwane ezifuyiweyo; kanye

(j) nokuqikelela ukuthi inani lezilwane ezisekhejini ngalinye alivimbeli ukuthi zinyakaze ngokukhululekile.

INGXENYE IX :
UKUGCINWA KWEZILWANE ZASENDLE

23. **Izidingo zezakhiwo**

Akukho muntu ongagcina isilwane sasendle esakhiweni esingavumelani nalezizidingo ezilandelayo:

(a) zonke izilwane zasendle kumele zigcinwe endaweni ebiyelwe eyenziwe futhi enikezela njengokulandelayo -

(i) indawo ebiyelwe kumele igculise izidingo zesilwane esiqondene ngqo njengoba kuchachiwe ngabaphathi abafanele bezokongiwa kwemvelo;

(ii) indawo ebiyelwe ingebe phakathi kwamamitha anga-50 –

(a) anoma yimuphi umncele wesakhiwo;

(b) anoma iyiphi indlu, ibhilidi kumbe isakhiwo esisetshenziselwa ukuhlala abantu;

(c) anoma iyiphi indlu, ibhilidi kumbe isakhiwo lapho kugcinwa khona ukudla, kuphathwa kumbe kulungiswa ukudla okudliwa ngabantu; noma

(d) yisiphi isizinda samanzi okuhloswe ngaso ukuba sisetshenziselwe ukudliwa ekhaya;

(iii) amanzi anokuphuzwa anele ngezinjongo zokuba aphuzwe futhi asetshenziswe ekuhlanzeni;kanye

(iv) nendawo ebiyelwe kumele ibe ngehlelembiwe futhi idonse amanzi ngendlela yokuthi ingazingcolisi izizinda zamanzi kumbe yenze uhlupho empilweni yomphakathi;

(b) makuhlinzekwe ngekamelo eliseceleni, eline tafula lokulungiselela kanye nosinki wokuwashela, onikezela ngamanzi anokuphuzwa futhi aphuma ngomsele njengoba kubekiwe endimeni yama- 27;

(c) makuhlinzekwe ngezimfanelo ezanele zokuhlanza noma yimaphi amakheji, izingqoko, imiphongolo, izitsha zokufaka udoti kanye nokokuphatha ukudla ngendlela engaba –

(i) nomganga othiyiwe owakhiwe ngokhonkolo kumbe ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi eyenziwe yaba bushelelezi; noma

(ii) nosinki owakhiwe ngensimbi engathombi noma isitsha esivuleke kakhulu sokuphatha ukudla esinosayizi olingene ukwamukela impahla ezowashwa;

(d) yomibili imisebenzi eshiwo kwindinyana (c) kumele ihlinzekwe ngokunikezela ngamanzi angaphuzwa futhi aphume ngomsele njengoba kubekiwe endimeni yama - 27

(e) Zonke izindawo kanye namakamelo lapho kugcinwe khona ifolishi kanye nokudla mazingangenwa yizilwane eziququdayo.

24. **Imisebenzi yomgcini wezilwane zasendle**

Noma ngubani ogcine izilwane zasendle kumele –

(a) agcine isakhiwo sisesimweni esihlanzekile nephilisayo ngasosonke isikhathi;

(b) ahlanze wonke umquba kanye nezinsalela zokudla kunoma iyiphi indawo ebiyelwe ngezikhawu ezilingene;

(c) avikele umhlabathi ongaphansi kumbe emacaleni onke anoma iyiphi indawo ebiyelwe ukuba ungagcwaliswa ngumchamo.

INGXENYE X :
UKUGCINWA KWEZINGULUBE

25. **Izidingo zezakhiwo**

Akukho muntu ongagcina izingulube phakathi noma esakhiweni esingahambisani nezidingo ezilandelayo:

(a) zonke izindonga kumele –

(i) zakhiwe ngezitini, ngamatshe, ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha eqinile;

(ii) ubude bazo mabube ngubuncane bokugcina obungu– 1,5 amamitha; futhi

(iii) ingaphakathi lendawo yangaphezulu kumele lenziwe bushelelezi;

(b) indawo ephansi kumele okungenani ihlinzeke ingulube ngayinye ehlaliswe endaweni egcine izingulube ngamaskwe amamitha ama- 3, nobuncane bokugcina sebuhlangene obungamaskwe amamitha ayisi- 6;

(c) uphahla olungaphezu kwanoma iyiphi ingxenye yogoqo kumele ibe nobude obungubuncane bokugcina obungamamitha angu -1,5;

(d) ngaphandle uma uphahla lwakheke lwaba necala elilodwa elide elivulekile ,ukuvuleka kokukhanya nokungeniswa komoya kumele -

(i) kwakhiwe kubhekane odongeni lwangaphandle; futhi

(ii) luhlinzeke ngobuncane bokugcina bamaskwe amamitha angu – 0,15 ingulube ngayinye;

(e) indawo ephansi kumele -

(i) okungenani libe ngu 150 amamitha ngaphezu kweleveli yaphezu komhlaba oyizungezile;

(ii) yakhiwe ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha eqinile futhi engangenwa ngamanzi eyenziwe yaba bushelelezi; futhi

(iii) ibe ngehlelembiwe ukuze ikwazi ukuhambisa okuwuketshezi emseleni ovulekile ngaphandle kogoqo;

(f) umsele ovulekile oshiwo kwindinyana (e)(iii) kumele -

(i) wakhiwe ngokhonkolo noma ngenye impahla yokwakha engangenwa ngamanzi;

(ii) ububanzi besiyingi bube ngubuncane bokugcina obungu 100 amamilimitha; futhi

(iii) amanzi adonseke njengoba kubekiwe ngokwendima yama -27;

(g) ugoqo kumele luqine ngokwanele ukuvimba izingulube ukuba zeqele ngaphandle;

(h) ugoqo lungekwakhiwe phakathi kwamamitha ayi -100 –

(i) omncele wesakhiwo; the boundary of the premises;

(ii) endawo yokuhlala, ebhilidi noma esakhiwo esisetshenziselwa ukuhlala abantu;

(iii) anoma iyiphi indawo yokuhlala, ibhilidi kumbe isakhiwo okulungiswa kuso ukudla, okugcinwa noma okuthengiselwa kuso ukudla okudliwa ngabantu;

(iv) anoma yisiphi isizinda samanzi okuhloswe ngawo ukuba aphuzwe ngumphakathi;

(i) makuhlinzekwe ngomganga owakhiwe ngokhonkolo onophahla ukuze –

(i) kugcinwe konke ukudla kwezingulube ezitsheni; futhi

(ii) kulungiselwe ukuba kudle izingulube;

(j) umganga oshiwo kwindinyana (i) kumele ivumelane nezihlinzeko zendinyana (e) futhi ukwengeza, kumele ube nesilibaziso esinobuncane bokugcina bokuphakama obungu – 100 amamilimitha icala ngalinye; kanye

(k) makuhlinzekwe ngokunikezela ngamanzi aphuzwayo endaweni encikene nogoqo, ngezinjongo zokuba anele ekuphuzweni nasekuhlanzeni.

26. **Imisebenzi yomgcini wezingulube**

Wonke umuntu ogcina izingulube kumele-

(a) aqikelele ukuthi yonke ingulube igcinwe ngaphakathi egoqweni;

(b) agcine izakhiwo kanye nempahla, izinto zokwenza okuthile, izitsha zokuphatha noma isikhongozelo zisesimweni esihlanzekile futhi esihle esiphathelene nemithetho yezempilo nokuba sesimweni esihle sokukhandeka;

(c) ahlinzeke ngezitsha zokugcina eziphathekayo, ezakhiwe ngempahla yokwakha engangenwa ngamanzi futhi ezinezivalo ezivaleka ngci, ukugcina umquba;

(d) agcine zonke izitsha ezigcine umquba kumganga ovumelana nendima yama-25(j);

(e) asuse wonke umquba egoqweni okungenani kanye njalo emahoreni angama 24 bawubeke ezitsheni ezigcina umanyolo;

(f) asuse okusezitsheni eziphethe umanyolo esakhiweni okungenani kanye njalo osukwini lwesibili bese umanyolo ulahlwa ngendlela engezukudala uhlupho empilweni yomphakathi;

(g) ahlinzeke ngendlu yogcina impahla engenakungenwa yizilwane eziqugudayo lapho kugcinwa khona konke ukudla kwezilwane, hayi ukudla kwezingulube; kanye

(h) nokuhlinzeka ngezitsha zokuphatha ezingenakungenwa yizilwane eziqugudayo, ezinezivalo ezivaleka ngci, ezingcina konke ukudla kwezilwane okungavalekile.

INGXENYE XI :
IZIHLINZEKO EZIYINHLANGANISELA

27. **Ukudonswa Kwamanzi**

Noma ngubani ogcina izilwane kumele aqiniseke ukuthi bonke osinki , obheseni bokugeza izandla, obhavu, amashawa okugeza, izitsha ezivuleke kakhulu zokuphatha ukudla, indawo ephansi, imisele kanye nomganga wokuwashela udinga ukuba ukuphuma kamanzi ngomsele kube ngokuhambisana nezimiso zoMthethonqubo kaZwelonke wezoKwakha noMthetho woKwakha okuseQophelweni ka -1977 (uMthetho ka 1977).

28. **Izilwane Eziyingozi**

(1) Akukho muntu ongagcina ngaphandle kwemvume yesikhulu sezempilo esibhekele ubunjalo bendawo isilwane sasendle esiwuhlobo oluyingozi kubantu, okubalwa ngaphandle kokukhawuliswa, izilwane ezinkulu ezidla inyama, izinyoka ezinobuthi kakhulu, izicabucabu noma ofezela.

(2) Noma ngubani ogcina isilwane esaziwayo ukuthi siziphatha ngendlela enobungozi kubantu kumele asigcine endaweni ebiyelwe ngokwanele futhi athathe izinyathelo

ezanele ukuqiniseka ukuthi aseqi esakhiweni noma sidale ingozi kubahlali balapho, noma abavakashile esakhiweni.

29. **Okudingekayo ngokugcinwa kwezinyosi**

(1) Akukho muntu ongagcina izinyosi esakhiweni ngaphandle uma -

(a) umuntu unayo imvume esemthethweni futhi;

(b) indlu yezinyosi yakhiwe –

(i) yaba ngubuncane bokugcina obungamamitha amahlanu ukusukela kunoma yimuphi umncele wesakhiwo; kanye

(ii) nobuncane bokugcina obungamamitha ayishumi ukusukela endaweni yomphakathi noma esakhiweni esisetshenziselwa ukuhlala abantu;

(c) izinyosi zigcinwa endlini yezinyosi evumelekile; futhi

(d) indlu yezinyosi –

(i) igcinwe endaweni engenakungenwa yizingane kanye nezilwane;

(ii) igcinwe endaweni enethunzi ngazo zonke izikhathi; futhi

(iii) inikezelwe ngesizinda samanzi okuphuza phakathi kwamamitha amahlanu endlini yezinyosi.

(2) Akukho muntu ongachitha noma alahle izibi, imvundela, utshani obunqunyiwe noma umanyolo phakathi kwamamitha amahlanu anoma iyiphi indlu yezinyosi;

30. **Ukugula okuqondene /okuhlanganiswa nezilwane**

(1) Ukugula kwanoma ngubani, okungahlanganiswa nanoma yisiphi isilwane esigciniwe noma ebesiphethwe yilowo muntu, lowo obone isifo esikumuntu makabikele isikhulu

sezempilo esibhekele ubunjalo bendawo phakathi kwamahora anga -24 siboniwe isifo esikumuntu.

(2) Isikhulu sezempilo esibhekele ubunjalo bendawo singakhipha umyalelo wokuba sisuswe isilwane esakhiweni uma kungukuthi siyakholelwa ngokuqondekayo ukuthi isilwane sifaka engozini impilo yomphakathi noma siwuhlupho empilweni yomphakathi.

31. **Ukugcinwa nokuhlatshwa kwezilwane ngezinjongo zezenkolo kanye nemikhosi**

(1) Noma ngubani ogcina isilwane ngaphambi kokuba sihlatshwe ngezinjongo zezenkolo noma zemikhosi, kumele avumelane nezimiselo zalemithetho kaMasipala.

(2) Umuntu ohlose ukuhlaba isilwane kunoma iyiphi indawo ngaphandle kwendawo eyaziwayo yasemadeleni kumele:

(a) abhalele uMkhandlu awazise, ezinsukwini eziyishumi nane ngaphambi komcimbi;

(b) abhalele omakhelwane abazise, ezinsukwini eziyisikhombisa ngaphambi komcibi;

(c) asithe kumphakathi indlela ekuhlatshwa ngayo;

(d) asebenzise inyama ephuma esilwaneni esihlatshiwe kuphela ngenjongo yokuba ibe ngukudla komcimbi wezenkolo noma womkhosi;

(e) aphathe inyama ngendlela ehlanzekile ngasosonke isikhathi ; futhi

(f) Alahle noma iyiphi ingxenye yesilwane engasetshenziswanga noma engadliwanga, ngendlela emiswe yisikhulu sezempilo esibhekele ubunjalo bendawo.

32. **Ukuphikisana kwemithetho**

Uma kukhona nanoma yikuphi ukuphikisana kule mithetho kamasipala kanye neminye imithetho kamasipala yoMkhandlu, le mithetho kamasipala iyona eyosetshenziswa.

No. 124 **1 kuLwezi 2010**

UMkhandlu Kamasipala wase-Richmond, osebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, sifundwa ngokuhlanganyelwa nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo Zikamasipala, wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), lapha ushicilela iMithetho yawo yeMihlangano Yomphakathi kanye Nemibuthano, Izinhlabaluhide nominye iMithetho Kamasipala enjalo.

IMITHETHO KAMASIPALA EQONDENE NEMIHLANGANO YOMPHAKATHI KANYE NEMIBUTHANO, IZINHLABALUHIDE NOKUNYE OKUNJALO

I. Izincazelo

Kule Mithetho kaMasipala, ngaphandle uma ingqikithi ikhomba okunye-

"UMkhandlu" kusho uMasipala waseRichmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo masipala noma iKomidi Elilawulayo kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenzisa ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kanjalo nanom a yisiphi isikhulu esinikezwe nguMkhandlu amandla nomsebenzi maqondana nale mithetho kamasipala;

2. Imvume edingekayo

Akukho umuntu oyobamba, ameme noma ahlele noma abangele ukuthi kubanjwe, noma kuhlelwe nanoma yimuphi umhlangano womphakathi, umbuthano womphakathi, inhlabaluhide, umbukiso, umgidi noma inkulumo yomphakathi kunoma yisiphi isitaladi somphakathi noma indawo yomphakathi noma abangele ukuthi kwethulwe nanoma iyiphi inkulumo yomphakathi kunoma yisiphi isitaladi somphakathi noma indawo yomphakathi ngaphandle-

(1) uma uMkhandlu ngesandla seMenenja Kamasipala ukhiphe imvume yawo ebhaliwe phansi maelana nokubanjwa noma ukwethulwa; futhi

(2) uma ubanjwe noma yethulwe ngokuvumelana nanoma yiziphi izimo, izidingo noma izithibelo ezimiswe nguMkhandlu; futhi

(3) uma kuhambisana nayo yonke imithetho ekhona eRiphabhliki yase Ningizimu Afrika.

3. Isicelo Semvume

(1) Nanoma ngubani ofisa ukuthola imvume yoMkhandlu njengoba kudingeka esigatshaneni (2) esikhathini esingekho ngaphansi kwezinsuku eziyisikhombisa noma isikhathi esingaphansi njengokwemvume ngokubona koMkhandlu ngaphambi kosuku lomhlangano womphakathi, umbuthano womphakathi, inhlabaluhide, umbikiso. okumele ubanjwe umgidi okhulunywa ngawo noma inkulumo yomphakathi okumele yethulwe kuzomele anikezele ngesicelo esibhalwe phansi eMkhandlwini esicacisa-

(a) uhlobo lwento ecelwayo;

(b) amagama aphelele, amakheli kanye nezinombolo zocingo zawo wonke umuntu ozobe ebambe umhlangano, kanye nowumemile kanye nawo wonke umuntu ohlose ukwethula inkulumo ;

(c) usuku, isikhathi, indawo kanye nendlela ezolandelwa lapho kubanjwa umhlangano noma kwethulwa inkulumo;

(d) ubude besikhathi okulindeleke ukuthi sithathwe :

(e) inani labantu okulindeleke ukuthi babambe iqhaza uma kuyinhlabaluhide; kanye

(f) nemininingwane maqondana nanoma yisiphi isandla, izimfijoli zomculo, okokwandisa umsindo, imoto, noma isakhiwo sesikhashana esisosetshenziswa kanye nalezi zinto.

(2) UMkhandlu ungafuna lowo muntu ukuba anikezele nganoma yiluphi ulwazi olwengeziwe ongacabanga ukuthi lubalulekile ngenhloso yokubhekana naleso sicelo .

4. Ukunikezelwa noma Ukwenqatshwa Kwemvume

(1) UMkhandlu unganikezela imvume yawo uma lonke ulwazi oludingekayo lulethwe ngokugcwele futhi waneliseke ukuthi ukubanjwa komhlangano womphakathi, umbuthano womphakathi, inhlabaluhide, umbukiso, umgidi noma ukwethulwa kwenkulumo yomphakathi akubukeki -

(a) kungaba yingozi, kuvimbele, noma kuphazamise-

i. abahamba ngezinyawo noma izimoto emgwaqeni;

ii. nanoma iyiphi imakethe yomphakathi, indali yomphakathi; kanye

iii. nanoma yimiphi eminye imihlangano, imibuthano, inhlabaluhide, umbukiso, umgidi noma inkulumo yomphakathi; noma

iv. ukusetshenziswa ngokusemthethweni kwanoma yimuphi omgwaqo noma indawo yomphakathi ngumphakathi; noma

(b) ingadala ingozi noma isimo esingalimaza impilo yomphakathi.

(2) Ngesikhathi uMkhandlu unikezela ngemvume yokubamba nanoma yimuphi umhlangano womphakathi, umbuthano womphakathi, inhlabaluhide, umbukiso noma umgidi noma ukwethulwa kwanoma iyiphi inkulumo yomphakathi ngaphansi kwalesi sahluko, ungamisa imibandela enjalo, izidingo kanye nezithibelo njengoba ungabona kubalulekile ngokubhekela umphakathi futhi ungabeka imikhawulo yokubanjwa kwemihlangano nokwethulwa kwezinkulumo ezikhathini ezithile nasezindaweni ezithile kumbe imigudu futhi uvimbele noma uthibele ukusetshenziswa kwanoma yiliphi iqembu elidlala izimfijoli, izimfijoli zomculo, okokusabalalisa umsindo, imoto noma isakhiwo sesikhashana esisetshenziswa nalokhu ngale kokubukela phansi ukuqhubeka kwayo.

5. Ukukhululwa

Izihlinzekelo zalesi sahluko angeke zisebenze kunoma yimuphi umngcwabo, umshado, inhlabaluhide yamasosha noma yamaphoyisa.

6. Amacala Nezigwebo

Noma ngubani -

(a) ophikisana noma ohluleka ukuhambisana nezihlinzekelo zale mithetho kamasipala kumbe nanoma yimuphi umgomo, umbandela, isithibelo, isidingo, isaziso noma umyalelo omiswe kumbe okhishiwe ngokwale mithetho;

(b) oqhubekayo, ovimbela, obambezela, noma ophikisana nanoma yisiphi isikhulu noma isisebenzi soMkhandlu ekwenzeni kwanoma yimuphi umsebenzi waso noma ekusebenziseni amandla aso ngaphansi kwale mithetho kamasipala; noma

(c) odala noma ovumela nanoma ngubani ukuthi enze nanoma yikuphi okushiwo phambilini –

uyotholwa enecala futhi uyobhekana nokulahlwa yicala, ahlawuliswe engeqile ezinkulungwaneni ezimbili zamarandi noma uma ehluleka ukukhokha inhlawulo, uyogqunywa ejele isikhathi esingeqile onyakeni.

7. Inhlawulo

Ngale kwezidingo okuqhutshekwe nazo esigatshaneni (6) ngenhla, uMkhandlu ungabeka noma ngubani ohlele umhlangano womphakathi kanye nombuthano kumbe labo ababambe iqhaza kulowo mbuthano noma inhlabaluhide nganoma yimuphi umonakalo kunoma yisiphi isakhiwo soMkhandlu futhi ungenza isibizo sezindleko zokulungiswa kwalowo monakalo kulowo muntu noma kumhleli.

8. Ukuphikisana kwemithetho

Uma kukhona ukuphikisana kule mithetho kamasipala neminye imithetho kamasipala yoMkhandlu maqondana nemihlangano yomphakathi kanye nemibuthano, le mithetho kamasipala iyona eyosetshenziswa.

UMkhandlu kaMasipala wase-Richmond usebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, sifundwa ngokuhlanganyela nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo Zikamasipala, wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), lapha ushicilela iMithetho Kamasipala ebhekele iMisebenzi Yemitapo Yolwazi kanye Nolwazi.

IMITHETHO KAMASIPALA YEMISEBENZI YEMITAPO YOLWAZI KANYE NOLWAZI

1. Izincazelo

Kule mithetho kaMasipala la magama alandelayo ayoba nencazelo enikezelwe kuwo, ngaphandle uma ingqikithi ikhomba okunye:

"Isisebenzi sasemtapweni wolwazi wolwazi"kuchaza isisebenzi sasemtapweni wolwazi wolwazi esengamele umtapo wolwazi ophethwe nguMkhandlu, kumbe nanoma yimuphi umsizi noma isithunywa sakhe, kanti, **"leso sisebenzi sasemtapweni wolwazi"** sinencazelo efanayo;

"umtapo wolwazi" kuchaza nanoma yimuphi umtapo wolwazi emitapweni yolwazi enhlobonhlobo kanti **"lowo mtapo wolwazi"** unencazelo efanayo;

"Impahla yezinto ezibukwa-zilalelwa "kuchaza wonke amafilimu, amarekhodi, amadiski omculo nolwazi, amadiski olwazi asebenza kwikhompyutha, izincwadi ezinomsindo, izifundo zolimi, amakhasethi omculo nawezithombe, kuhlanganisa nempahla yokuthatha izithombe engadingi mafilimu kanye namarekhodi ama-gramafoni atholakala emtapweni wolwazi ukuze asetshenziswe ngaphakathi noma abolekwe, noma ngabe impahla eyoMkhandlu kumbe ibolekelwe leyo nhloso;??????

"Amagumbi okubuka imidlalo / okufundela" kuchaza indawo noma igumbi kumbe amagumbi emtapweni wolwazi angaqashwa ngaphansi kwezimo kanye nemibandela ezinqunyiwe ngenani lemali elinqunyiwe.

"imali okumele ikhokhwe" kuchaza Imali efanele enqunywe nguMkhandlu noma equkethwe kunoma yimuphi umthetho kamasipala owenziwa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi, ngokuhambisana nemithetho efanele;

"ingane"kuchaza umuntu oneminyaka engaphansi kweyishumi nesithupha ongakaze ashade;

"UMkhandlu"kuchaza uMasipala wase-Richmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo masipala noma iKomidi Elilawulayo kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenzisa ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kanjalo nanom a yisiphi isikhulu esinikezwe nguMkhandlu amandla nomsebenzi maqondana nale mithetho kamasipala;

"umuntu ohlwempu"kuchaza nanoma yimuphi umuntu omenyezelwe nguMkhandlu njengonjalo;

"isikhathi sokuboleka" kuchaza isikhathi okuvumeleke ngaso ukuthi ilungu noma isivakashi singagcina ngakuso impahla yomtapo wolwazi;

"isisebenzi sasemtapweni wolwazi wolwazi"kuchaza nanoma yisiphi isisebenzi esiqashwe nguMkhandlu futhi esengamele nesiphethe umtapo wolwazi noma isigaba esithile, futhi kubandakanya nanoma yimuphi umsizi wesisebenzi sasemtapweni wolwazi;

"umtapo wolwazi" kuchaza nanoma yimuphi umtapo wolwazi womphakathi ophethwe futhi onakekelwa nguMkhandlu.

"impahla yomtapo wolwazi" kuchaza zonke izincwadi, amaphephabhuku aphuma ngezikhathi ezithile, amaphephandaba, izithombe, imibhalo, amaphosta kanye nomculo obhaliwe, kanye nempahla ebukwa –ilalelwa, kungakhathalekile ukuthi iyimpahla yoMkhandlu kumbe ibolekwe yiwo, futhi ekhona ukuze ibhekwe, ifundwe, yenziwe amakhophi noma ibolekwe emtapweni wolwazi.

"iviki lokuqwashisa ngomtapo wolwazi" kuchaza isikhathi esiyiviki elilodwa noma ngaphezulu onyakeni njengoba kunqume iNhlangano Yomtapo Wolwazi kanye Nolwazi eNingizimu Afrika, ngaso okuqhakanjiswa imisebenzi yolwazi;

"ilungu" kuchaza nanoma ngubani kumbe inhlangano ebhaliswe njengelungu lomtapo wolwazi;

"umtapo wolwazi oxubile" kuchaza umtapo wolwazi obhekele ekuhlinzekeni kanye/noma ekwethulweni kolwazi nganoma yiziphi izindlela ezimbili nangaphezulu zokubhaliwe, okubukwayo, okubukwa-kulalelwa, amafomu asemshinini, futhi kuhlanganisa nezikhungo ngaphakathi emtapweni wolwazi ezikwazi ukwenza izethulo zolwazi olukuleso simo;

"inhlangano"kuchaza isikhungo esisebenza singabheke nzuzo kumbe inkampani noma inhlangano yezamasiko enomthethosisekelo;

"ohola impesheni" kuchaza nanoma ngubani oneminyaka engama-60 nangaphezulu;

"Imali enqunyiwe" kuchaza imali enqunywe nguMkhandlu ngokwenani lentela yoMkhandlu;

"ohlalayo" kuchaza umuntu ohlala lapho, umnikazi wesakhiwo noma okhokha intela kamasipala kumbe oqashwe ngaphakathi noma obhalise esikhungweni semfundo esingaphakathi endaweni eyenganyelwe nguMkhandlu;

"impahla ekhethekile yomtapo wolwazi" kuchaza impahla yomtapo wolwazi edinga izinsiza ezikhethekile ukuze ufinyelele kokuqukethwe yileyo mpahla noma ukusetshenziswa kwayo okuvame ukudala izinkinga kwabasebenzisa umtapo wolwazi uma zisetshenziswe ngaphakathi emtapweni wolwazi;

"uMthetho Wezinhlelo" kuchaza ezoHulumeni Basekhaya: UMthetho Wezinhlelo Zikamasipala, njengoba uchitshiyelwe izikhathi ngezikhathi.

"isisebenzi sasemtapweni wolwazi wolwazi" ngaphandle uma ingqikithi ikhomba okunye kuchaza uMqondisi:woMtapo Wolwazi kanye Nemisebenzi Yolwazi kumbe umsizi wakhe noma isithunywa;

"umtapo wolwazi" kuchaza inani layo yonke imitapo yolwazi nekuqukethe, eyenganyelwe nguMkhandlu futhi elawulwa nguMqondisi: woMtapo Wolwazi kanye Nemisebenzi Yolwazi yoMkhandlu;

"isivakashi" kuchaza umuntu ohlala, osebenza kumbe ofundayo isikhathi esingeqile ezinyangeni ezintathu ezilandelanayo endaweni eyenganyelwe nguMkhandlu.

2. Ukwamukelwa Ezakhiweni Zomtapo Wolwazi

(1) Kuya ngokwezihlinzeko zesigatshana (2) lapha, kanye nezesigaba 19,noma ngubani owamukelwa emtapweni wolwazi angasebenzisa izimpahla zalowo mtapo wolwazi ngezikhathi zokusebenza ezibekiwe, uma lowomuntu efisa ukuboleka impahla yomtapo wolwazi, lowo muntu kumele aqale abe yilungu lomtapo wolwazi futhi akhokhe imali enqunyiwe yobulungu.

(2) Isisebenzi sasemtapweni wolwazi wolwazi:-

(a) ngokubona kwaso singanquma inani labantu okumele bavunyelwe kunoma yiyiphi ingxenye yomtapo wolwazi nganoma yisiphi isikhathi esinikeziwe futhi singasebenzisa indlela efanele yokulawula ukungena uma kunesidingo;

(b) nganoma yisiphi isizathu esizwakalayo, singayalela ilungu kumbe nanoma ngubani omunye ukuba aphume emtapweni wolwazi.

3. Ubulungu

(1) Isicelo sobulungu noma samalungelo ezivakashi kumele senziwe efomini elimiswe nguMkhandlu, lelo fomu kumele liqukathe ukuzibophezela okukhulunywe ngakho esigatshaneni (2) (a) (ii).

(2) UMkhandlu -

(a) unganikezela ngobulungu bomtapo wolwazi kunoma yimuphi umuntu ohlala kuleyo ndawo, kumbe kunoma yimuphi ohlala njengesithunywa sanoma yiyiphi inhlangano noma umgwamanda ofanayo, egunyazwe yileyo nhlangano noma umgwamanda, inqobo nje uma izithunywa zigunyazwe yileyo nhlangano, kanye nawo wonke umuntu okukhulunywe ngaye kule ndima kumele-

(i) akhokhe imali emisiwe yobulungu; futhi

(ii) azimisele ukuzibophezela ezinqubenimgomo zoMkhandlu izikhathi ngezikhathi ukuze umsebenzi womtapo wolwazi uhambe ngendlela;

(iii) azimisele ukukhokha zonke izindleko zokulahleka kwanoma iyiphi empahla yomtapo wolwazi elahlwe ngumfakisicelo kanye nokukhokha noma yiyiphi imali enqunywe nguMasipala wase-Richmond maqondana nezimpahla zomtapo wolwazi ezilimale ngesikhathi zibolekwe ngumfakisicelo;

(b) unikezele, kuye ngemibandela njengoba inganqunywa izikhathi ngezikhathi, ngobulungu bomtapo wolwazi enganeni uma umzali wayo noma umbheki wayo evuma ngokubhalwe phansi futhi ezibophezela ukuqinisekisa ukuthi ingane leyo izoqikelela izihlinzekelo zale Mithetho Kamasipala;

(c) unganikeza ubulungu bomtapo wolwazi kumuntu ohlala ngaphandle kwendawo eyenganyelwe yiwo futhi ongeyena umnikazi wesakhiwo esingaphakathi kwendawo yoMkhandlu kumbe okhokha intela kamasipala yoMkhandlu ngaphansi kwaleyo mibandela njengoba inganqunywa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi;

(d) ungamukela umuntu ohlalayo, osebenzayo noma ofundayo isikhathi esingeqile ezinyangeni ezintathu endaweni eyenganyelwe nguMkhandlu umthathe njengesivakashi uma-

(i) lowo muntu eyithumele imininingwane ethile njengoba kunganquma uMkhandlu noma isisebenzi sasemtapweni wolwazi wolwazi ; futhi

(ii) lowo muntu ekhokha imali emisiwe;futhi

(iii) isisebenzi sasemtapweni wolwazi wolwazi sisivuma isicelo;

kanti ngesikhathi sivunywa, leso sivakashi sinawo wonke amalungelo namagunya futhi kuya ngokwesibopho nemisebenzi efanayo, njengelungu;

(e) ungakhulula noma yimuphi umfakisicelo ohlwempu ohluleka ngokuphelele kumbe owehlulekayo ukukhokha imali emisiwe yobulungu.

(3) (a) Ikhadi lobulungu lomtapo wolwazi kumele linikezwe ilungu ngalinye ligunyaze ukuthi lelo lungu liboleke impahla yomtapo wolwazi ngokwenani elinganqunywa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi.

(b) Ikhadi lobulungu elengeziwe eligunyaza ilungu ukuthi liboleke impahla yomtapo wolwazi ethe xaxa linganikezelwa koyilungu ngokokubona kwesisebenzi sasemtapweni wolwazi.

(4) ikhadi lobulungu liba semthethweni kusukela ngosuku elikhishwa ngalo kuze kube usuku lokuphelelwa kwalo yisikhathi olubhalwe kulo futhi ubulungu bomuntu onikezwe lelo khadi buphelelwa yisikhathi emva kokuphela kwaleso sikhathi, ngaphandle uma buvuselelwe ngaphambi kosuku lokuphelelwa yisikhathi .

(5) Ilungu elifisa ukuhoxisa ubulungu balo emtapweni wolwazi kumele-

(a) lazise isisebenzi sasemtapweni wolwazi wolwazi ngokubhalwe phansi;

(b) libuyise ikhadi noma amakhadi obulungu asegameni lalo; futhi

(c) ngesikhathi esisodwa libuyisele zonke izimpahla zomtapo wolwazi ezingakulo esisebenzini somtapo wolwazi.

(6) Uma impahla yomtapo wolwazi ingabuyiswanga ngokwesigaba 3(5) (c) lowo muntu uyoba necala ngokwesigaba 8 (2) kanye nezichibiyelo uma kunesidingo.

(7) Uma ilungu lishintsha ikheli, kumele lazise isisebenzi sasemtapweni wolwazi ezinsukwini ezingama-30 emva kokushintsha ikheli.

(8) Uma ikhadi lobulungu lilahlekile, ilungu kumele ngokushesha lazise isisebenzi sasemtapweni wolwazi ngokubhalwe phansi, futhi-

(a) isisebenzi sasemtapweni wolwazi kumele sikhiphe elinye ikhadi elalisale ngakuso uma imali enqunyiwe isikhokhiwe;

(b) uma kwenzeka ikhadi lobulungu litholwa yilungu, leli elinye ikhadi kumele liphindiselwe ngokuphazima kweso esisebenzini sasemtapweni wolwazi;

(c) phezu kwezihlinzekelo zesigaba 8 (1), ngokwaleso sigaba ilungu alinacala nganoma yiyiphi impahla yomtapo wolwazi eyayibolekwe ngesikhathi ikhadi lobulungu lilahlekile emva kosuku lwesaziso esinjalo.

4. Ukwebolekwa Kwempahla Yomtapo Wolwazi

(1) Impahla yomtapo wolwazi okungavumelekile ukuba yebolekwe isuswe emtapweni wolwazi kunoma yiyiphi ingxenye yokubolekisa ngezincwadi noma umtapo wolwazi oyisipesheli iyonqunywa yisisebenzi sasemtapweni wolwazi futhi isaziso esichaza leyo mpahla kumele sibekwe endaweni yemibuzo emtapweni wolwazi ngamunye.

(2) (a) Impahla yomtapo wolwazi ebolekwe emtapweni wolwazi ingumthwalo wemfanelo welungu okusetshenziswe ikhadi lalo ngesikhathi kubolekwa.

(b) Uma ilungu liboleka impahla emtapweni wolwazi, kumele liqiniseke ukuthi impahla ayinakulimala okubonakalayo, uma kukhona, kumele lazise isisebenzi sasemtapweni wolwazi ngakho futhi isisebenzi sasemtapweni wolwazi kumele sirekhode imininingwane yokulimala ebhukwini elibhala izinsuku bese sisayina.

(c) Uma ilungu libuyisa impahla yomtapo wolwazi elimele, kuyoba ngumthwalo walo ukuyilungisa kumbe likhokhe intengo emisiwe maqondana nokulimaza impahla yomtapo wolwazi, kuye ngokuthi kukusiphi isimo, ngaphandle uma lokho kulimala kwakuvele kurekhodiwe phambilini njengoba kuningwe endimeni (b) lapha.

(d) Akukho muntu okumele agcine impahla yomtapo wolwazi ngaphandle komtapo wolwazi ngaphandle uma ebolekwe yona ngekhadi lobulungu.

(3) Isisebenzi sasemtapweni wolwazi singanqaba ukubolekisa ngempahla elimele kodwa uma kwenzeka leyo mpahla ibolekisa, imininingwane yokulimala kwayo kumele irekhodwe ngokwesigaba 4 (2) (b).

(4) Ilungu, uma sekukhokhwe imali emisiwe, lingacela ukuthi noma yiyiphi impahla yomtapo wolwazi engatholakali-

(a) kunoma yimuphi umtapo wolwazi kodwa itholakala kweminye imitapo yolwazi ejoyine ngaphansi kweMisebenzi Yomtapo Wolwazi Yesifundazweni sakwa Zulu -Natali;

(b) emtapweni wolwazi kodwa itholakala komunye umtapo wolwazi;

itholakale lapho ingatholakala khona yenziwe ibe khona noma ibolekwe,

kuye nokuthi yisiphi isimo, ukuze likwazi ukuyithola.

(5) Ukubolekwa kwempahla ebukwa-ilalelwa noma izinto esikhungweni seMisebenzi Yabafundi, kuyokwenzeka emva kokukhokhwa kwemali emisiwe.

5. Ukubuyiswa Kwempahla Yomtapo Wolwazi

Ilungu kumele libuyise impahla yomtapo wolwazi ebolekiwe lungakadluli usuku lokugcina lwesikhathi sokuboleka inqobo nje -

(a) uma lingekho elinye ilungu eliyidingayo, isisebenzi sasemtapweni wolwazi singasenezela isikhathi sokuboleka noma yiyiphi impahla yomtapo wolwazi isikhathi esithe xaxa kuleso sokuboleka;

(b) uma ilungu elehlulekile ukubuyisa impahla yomtapo wolwazi ngesikhathi sokuphela kokuboleka esivunywe yisisebenzi sasemtapweni wolwazi angeke liyigcine ngakulo isikhathi esingaphezu kwezinsuku eziyisikhombisa (7) emva kokuthola isaziso esibhalwe phansi esiphuma esisebenzini sasemtapweni wolwazi ukuthi leyo mpahla yomtapo wolwazi kumele ibuyiswe kulowo mtapo wolwazi.

6. Impahla Yomtapo Wolwazi Esidlulelwe Yisikhathi

(1) Uma ilungu lingayibuyisi impahla yomtapo wolwazi ebolekwe ngekhadi lobulungu esikhathini esifanele esibalulwe esigabeni 5 (a), kuyomele likhokhele uMkhandlu imali enqunyelwe amasonto onke kumbe ingxenye yesikhathi ilungu elihluleke ngaso ukuphindisela impahla yomtapo wolwazi, ngaphandle-

(a) uma kunesizathu esizwakalayo, esingahlanganisa ukugula kakhulu, okuyothi uma kuvezwa kwanelise isisebenzi sasemtapweni wolwazi;

(b) uma usuku lokubuyiswa kwempahla lungena ngaphansi Kwesonto Likazwelonke Lomtapo Wolwazi kumbe esinye isikhathi lapho umtapo wolwazi lowo uvaliwe emphakathini noma yingasiphi isizathu;

(c) kwanoma yisiphi isikhathi somusa esinikezwe ngokomthetho;

(2) Zonke izisebenzi zasemtapweni wolwazi kumele ziqinisekise ukuthi imithetho kanye nezimali zempahla yomtapo wolwazi esidlulelwe yisikhathi kanye nempahla elahlekile iyabekwa endaweni esobala kulowo mtapo wolwazi.

(3) UMkhandlu ungathatha izinyathelo zomthetho ukubuyisa impahla yomtapo wolwazi engakabuyiswa kanye nanoma iyiphi imali emisiwe noma ekhokhwa yilungu maqondana nempahla elimele.

7. Ukubekiswa Kwempahla Yomtapo Wolwazi

Ilungu lingabekisa impahla yomtapo wolwazi, inqobo uma-

(a) ukukhokhwa kwemali emisiwe kwenziwe ngaphambi kwesikhathi;

(b) kungekho mpahla yomtapo wolwazi eyogcinwa ibekisiwe isikhathi esingaphezu kwesikhathi esibalulwe yisisebenzi sasemtapweni wolwazi noma isithunywa saso esigunyaziwe.

8. Impahla Yomtapo Wolwazi Elahlekile Kanye Nelimele

(1) Kumele kubalulwe ekhadini lobulungu ukuthi uma ilungu lilimaza kumbe lilahla impahla yomtapo wolwazi liyokhokha inhlawulo eMkhandlwini emiswe ngokwesigatshana (2).

(2) Impahla yomtapo wolwazi engabuyiswanga ezinsukwini eziyikhulu (100) kusukela ngosuku ebolekwe ngalo kumele ithathwe njengelahlekile, futhi ilungu elagcina

liyibolekile yilona eliyokhokha izindleko zokuyibuyiselwa noma imali enqunyiwe, ngokubona kwesisebenzi sasemtapweni wolwazi.

(3) Imininingwane yelungu elihluleke ukubuyisa impahla yomtapo wolwazi isikhathi esingaphezu kwaleso esibalulwe esigatshaneni (2) kumele uma uMkhandlu uhluleka ukubuyisa leyo mpahla yomtapo wolwazi kulelo lungu, ngale kwemizamo efanele yokwenza njalo kumele ifakwe kwirejista enkulu yezimpahla zomtapo wolwazi ezingabuyiswanga, kanye nemininingwane yaleyo mpahla okukhulunywa ngayo, imali emisiwe engakhokhiwe nokunye okunjalo kanye nemininingwane enjalo kumele kwedluliselwe kuyo yonke imitapo yolwazi engaphansi koMkhandlu bese kuthi ilungelo lelungu lokuboleka impahla emtapweni wolwazi kumele limiswe kuze kubuyiswe leyo mpahla yomtapo wolwazi noma ikhokhelwe njengoba kunqunyiwe.

(4) Ngale kwezinye izihlinzekelo zalesi sigaba, impahla yomtapo wolwazi elahlekile noma elimele ihlala iyimpahla yoMkhandlu noma yomtapo wolwazi lapho impahla ibolekwe khona, kuye nokuthi yikuphi, noma ngabe imali enqunyiwe maqondana nalokho noma izindleko zokuyibuyiswa, kuya nokuthi yikuphi, isikhokhiwe eMkhandlwini.

(5) Uma impahla yomtapo wolwazi elimele ibuyiswa yilungu kutholakala ukuthi ingakhandeka, ilungu kumele likhokhe imali yokuyikhanda noma yokuyihlanganisa ekhokhwe nguMkhandlu, ngaphambi kokuthi livunyelwe ukuphinde liboleke ezinye izimpahla zomtapo wolwazi.

9. Ukuphathwa Kwempahla Yomtapo Wolwazi

Ilungu eliboleke impahla yomtapo wolwazi noma elisebenzisa impahla yomtapo wolwazi emtapweni wolwazi linesibopho soku-

(a) gcina leyo mpahla yomtapo wolwazi isesimweni sokuhlanzeka;

(b) vikela impahla yomtapo wolwazi ekulimaleni noma yingayiphi indlela;

(c) qinisekisa ukuthi impahla yomtapo wolwazi ayithelwa umuthi, ayonakali, ayibhalwa, ayifonyozwa kumbe ilinyazwe;

(d) qinisekisa ukuthi akukho ngxenye yaleyo mpahla yomtapo wolwazi, kumbe nanoma yisiphi isembozo esiyivikelayo noma ebonakala ngaso njengempahla yoMkhandlu noma yeMisebenzi Yomtapo Wolwazi Kwa Zulu-Natali, kuya nokuthi yikuphi, esuswayo;

(e) qinisekisa ukuthi leyo mpahla yomtapo wolwazi ayibolekwa nanoma ngubani ongenalo ilungelo lokuyiboleka.

10. Ukuvuleleka kwempahla yomtapo wolwazi ezifweni ezithathelanayo nalezo okumele zibikwe ezikhulwini zezempilo

(1) Akukho muntu owaziwayo ukuthi uphethwe yisifo esithathelanayo njengoba kumenyezelwe ngokwesigaba 45 soMthetho Wezempilo No-63 we-1977 ongaboleka kumbe aphathe impahla yomtapo wolwazi, futhi akukho lungu eliyovumela noma ngubani ophethwe yisifo esithathelanayo ukuba aphathe kumbe asondelane nempahla yomtapo wolwazi ebolekwe elinye ilungu uma ukuthinta kumbe ukuthintana kungenza ubungozi kwabanye abantu kumbe nanoma yibuphi ubungozi kwezempilo.

(2) Izihlinzekelo zesigatshana (1) zisebenza kunoma ngubani ophethe noma owengamele ingane eyaziwa nguye ukuthi iphethwe yisifo esithathelanayo.

(3) Isaziso esinezibonelo zezifo ezithathelanayo kumele sibekwe endaweni esobala emtapweni wolwazi.

(4) Noma ngubani ekuye impahla yomtapo wolwazi futhi enolwazi lokuthi ithintwe ngumuntu onesifo esithathelanayo, kumele ngokuphazima kweso azise isisebenzi sasemtapweni wolwazi ukuthi leyo mpahla isisondelene nonesifo esithathelanayo.

11. Impahla Yomtapo Wolwazi yeZimo Eziphuthumayo

(1) Impahla ekhethekile yomtapo wolwazi ingasetshenziswa kuphela ezindaweni zomtapo wolwazi eziklanyelwe ukwenza lowo msebenzi futhi akukho mpahla engeke isuswe kuleyo ngxenye yomtapo wolwazi ngaphandle kwemvume yesisebenzi sasemtapweni wolwazi.

(2) Akukho muntu okukuye impahla yomtapo wolwazi ethathwe engxenyeni yomtapo wolwazi yokubolekisa ngezincwadi ongayigcina isikhathi esingaphezu kwemizuzu eyishumi (10) emva kokuba isisebenzi sasemtapweni wolwazi sicele ukuthi ibuyiswe.

12. Ukwandiswa Kwempahla Yomtapo Wolwazi Kanye Nezinto kanye Nokusetshenziswa Kwezikhungo Zezihlanzimibhalo

(1) Noma ngubani angasebenzisa isihlanzimibhalo kanye nemishini yokufothokhopha yomtapo wolwazi kodwa kuye ngokuthi-

(a) ikhokhiwe imali enqunyiwe;

(b) usinikezele isimemezelo esibhalwe phansi, uma siceliwe yisisebenzi sasemtapweni wolwazi, ukuthi inhloso yokufothokhopha kumbe ukwandisa imibhalo kudingeka ngokokulindelekile ekuvikelweni komsebenzi wobucikomazwi, idrama, umculo kanye nowobuciko okubalulwe eMthethweni Wamalungelo Obunikazi we-1965, njengoba uchitshiyelwe kanye nanoma yikuphi ukuchibiyela okulandelayo noma ukushintshwa komthetho.

(2) Isisebenzi sasemtapweni wolwazi kumele sikhombise zonke izigaba ezifanele zalo mthetho endaweni esobala yalowo mtapo wolwazi okukhulunywa ngawo.

(3) Imvume yesisebenzi sasemtapweni wolwazi kumele itholakale ngaphambi kokuba kwandiswe nanoma iyiphi impahla yomtapo wolwazi ngendlela yesithombe, isithombe esinyakazayo, okubonakalayo kumbe nanganoma yiyiphi enye indlela.

(4) Ngesikhathi kunikezwa kumbe kwenqatshwa nemvume ngokwesigatshana (2) isisebenzi sasemtapweni wolwazi singabhekela ukulimala okwenzeke kuleyo mpahla ngenxa iphathwe ngehloso yokuzokwandiswa, futhi singabeka imibandela ethile edingekayo ukuvikela ukulimala okungenzeka kuleyo mpahla.

13. Izikhathi zomtapo wolwazi

Izikhathi njengoba zinqunywe nguMkhandlu okumele uvulwe ngazo umtapo wolwazi ukuze umphakathi ukwazi ukuwusebenzisa kumele zibekwe esazisweni esisendaweni noma esiseduze nendawo yokungena kulowo mtapo wolwazi othintekayo futhi kumele kubalulwe-

(a) izinsuku kanye namahora ozovulwa uvalewe ngawo umtapo wolwazi; kanye

(b) namahora lapho ukusetshenziswa komtapo wolwazi kumbe ingxenye ethile izobe ivumeleke kuphela kubantu abadala noma ezinganeni.

14. Ukuqasha kanye Nokusetshenziswa Kwendawo Yokufundela kanye Namagumbi Okubuka Imidlalo noma Indawo Yomtapo Wolwazi Yemibukiso, Ezamfilimu kanye Nokuhlela

(1) UMkhandlu ungaqashisela amalungu kumbe noma ngubani, nanoma yiyiphi indawo yokubuka imidlalo, igumbi lokufundela noma enye indawo engaphakathi ezakhiweni zomtapo wolwazi ngokumkhokhisa imali emisiwe, ngenhloso yokwenza izifundo, izinkulumo-mpikiswano noma izethulo kumbe ukwenza imibukiso noma amafilimu kumbe ukuhlela ukulandelana kwezigcawu ezidinga isendlalelo somtapo wolwazi kumbe ezihlanganisa ukusebenza kwempahla yomtapo wolwazi.

(2) Isicelo sokuqashwa kwanoma yisiphi isakhiwo esinjalo kumele senziwe ngokubhalwe phansi siqondiswe esisebenzini sasemtapweni wolwazi.

(3) Ngaphezu kwezihlinzekelo zesigaba 14 (1) lezi zakhiwo zingavuleleka mahhala-

(a) ezinhlanganweni ezeseka izihlinzeko zemisebenzi yomtapo wolwazi;

(b) emisebenzini ethile njengokunquma koMkhandlu izikhathi ngezikhathi.

15. Izindawo zokusebenzisa i-inthanethi

Noma ngubani angasebenzisa izindawo zokusebenzisa i-inthanethi emtapweni wolwazi, lapho uMkhandlu uzenze zaba khona izakhiwo ezinjalo, inqobo nje uma

(a) ekhokha imali emisiwe;

(b) ethola imvume esisebenzini sasemtapweni wolwazi ngaphambi kokuzisebenzisa;

(c) eqaphela isikhathi esimisiwe sokuzisebenzisa njengoba sinqunywe yisisebenzi sasemtapweni wolwazi;

(d) ezithiba ekufakeni olwakhe uhlelo lwekhompyutha kunoma yimuphi umshini osendaweni yokusebenzisa i-inthanethi.

(e) evuma futhi ebhekana nezindleko zokukhandwa kwanoma yikuphi ukulimala okudaleke ngenhloso kumbe ngobudedengu empahleni ye-inthanethi ngesikhathi isetshenziswa nguyena;

(f) evuma futhi eqaphela inqubomgomo yoMkhandlu mayelana nokusetshenziswa kwe–imeyili ne–inthanethi, okumele kubekwe kuleyo naleyo ndawo.

16. Ukuqashwa Kwendawo Yomtapo Wolwazi Oxubile

(1) Umtapo wolwazi oxubile ungavuleleka kunoma ngubani ofaka isicelo uma ezoqala ngokukhokha imali emisiwe.

(2) Noma ngubani kumbe inhlangano efisa ukuqasha umtapo wolwazi oxubile kumele aqale ngokubekisa nesisebenzi sasemtapweni wolwazi esiphethe ngaleso sikhathi.

(3) Ukuqashwa komtapo wolwazi oxubile kuzoya ngemibandela njengokunquma kwesisebenzi sasemtapweni wolwazi.

17. Umtapo wolwazi Wobuciko Obenziwayo

(1) Wonke umculo obhaliwe kumele utholakale ukuze amalungu amadala abhalisile kanye nezinhlangano zizokwazi ukuwuboleka mahhala.

(2) Mayelana nezimpahla ezingabolekisi isisebenzi sasemtapweni wolwazi singanquma ngokokubona kwaso.

(3) Umculo we-okhestra kanye nemiphumela eminingi yomculo wamakwaya iyotholwa kuphela ngabaculi bawo, imitapo yolwazi yezikole kanye namakwaya uma kunesicelo esibhalwe phansi futhi kukhokhwa nemali emisiwe.

18. Izimpahla ezibukwa-zilalelwa

Imibandela mayelana nokubolekwa kwempahla ebukwa-ilalelwa:

(1) Umfakisicelo kumele azibophezele/ avume ukuthi angeke enze amakhophi kumbe avumele ukuthi kwenziwe amakhophi anoma yimaphi amarekhodi, amacwecwe (CD) noma amakhasethi abolekwe emtapweni wolwazi.

(2) Umfakisicelo kumele akuvume ukuthi ukwenza amakhophi omsindo orekhodiwe kungukwaphula imithetho yobunikazi.

(3) Umfakisicelo kumele akuvume ukuthi uyazi ukuthi uma enza icala mayelana noMthetho Wamalungelo Obunikazi we-1978, ngakho uyokhokha inhlawulo engafinyelela ezi- R50 000 kumbe abhadle iminyaka eyishumi ejele.

(4) Imali eyisibambiso maqondana nezimpahla ezibukwa-zilalelwa iyadingeka ngokwenani lentela elinganqunywa izikhathi ngezikhathi

19. Ukubekwa kweMithetho kaMasipala Kanye Nezaziso Emtapweni Wolwazi

(1) Ikhophi yale Mithetho kaMasipala kumele itholakale ukuze ihlolwe futhi isaziso maqondana nalokho kumele sibekwe endaweni esobala kuyo yonke imitapo yolwazi futhi baziswe bonke abasebenzisi bomtapo wolwazi uma kunesidingo.

(2) Kumele kuyo yonke imitapo yolwazi kubekwe isaziso maqonana nokuthi noma kungaba nguMkhandlu kumbe nanoma nanoma yisiphi isikhulu emahhofisi awo, izisebenzi zawo uyobhekana nezindleko zokulahleka noma zokulimala

okuyodalwa ngunoma ngubani osebenzisa umtapo wolwazi kumbe impahla yomtapo wolwazi.

20. Ukuziphatha Emtapweni Wolwazi

(1) Noma ngubani-

(a) oziphatha noma ozibandakanya engxoxweni edala umsindo omkhulu kunoma yiyiphi ingxenye yesakhiwo esinomtapo wolwazi ngendlela edala kumbe engadala ukucasuka kunoma yimuphi omunye umuntu osemtapweni wolwazi; noma

(b) osebenzisa ulimi oluqosheme noma oziphatha ngendlela ephazamisayo emtapweni wolwazi; noma

(c) othibela, aphazamise, avimbele kumbe ahlukumeze nanoma ngubani ekusebenziseni ngendlela umtapo wolwazi; noma

(d) olimaza nanoma yiyiphi ingxenye yesakhiwo somtapo wolwazi kumbe okuphakathi; noma

(e) onikeza igama kumbe ikheli okungelona esisebenzini sasemtapweni wolwazi ngenhloso yokungena kunoma yiyiphi ingxenye yalowo mtapo wolwazi kumbe ukuthola nanoma yimiphi imihlomulo kumbe amalungelo; noma

(f) ongena kumbe ohlala emtapweni wolwazi ekubeni azi ukuthi uguliswa yisifo esaziwayo okumele sibikwe ehhovisi lezempilo kumbe ophuze uphuzo oludakayo noma odle izidakamizwa; noma

(g) obhema, adle, aphuze, alale kunanoma yiyiphi ingxenye yomtapo wolwazi lapho lezi zinto zingavumelekile khona ; noma

(h) ophula nanoma yisiphi isihlinzekelo sale Mithetho kaMasipala;

angayalelwa yisisebenzi sasemtapweni wolwazi wolwazi ukuthi aphume emtapweni wolwazi, futhi uma enqaba ukwenza lokho, uyokhishwa ngesidlozana kulowo mtapo wolwazi.

(2) Noma ngubani, okuyothi eseyalelwe ukuthi ayeke, aqhubeke nokuziphatha ngale ndlela okukhulunywe ngakho esigabeni 19 (1) (a) noma u-(b), uyoba necala lokwaphula umthetho futhi angabhadla ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyisi-6 noma akhokhe inhlawulo emayelana nalokho kumbe kokubili yileyo nhlawulo engeqile e-R1000 aphinde aboshwe.

21. Isibopho sokulahleka noma ukulimala

(1) UMkhandlu awunasibopho ngokulimala, ukulahleka noma ukwebiwa kwanoma iyiphi impahla elethwa esakhiweni somtapweni wolwazi ngamalungu omphakathi.

(2) UMkhandlu awunasibopho sesibizo ngokulimala okutholwe nanoma yiliphi ilungu lomphakathi ngesikhathi lisemagcekeni anoma yimuphi umtapo wolwazi kumbe ngesikhathi esebenzisa impahla yomtapo wolwazi.

22. Ukushayisana kwemithetho

Uma kunokushayisana phakathi kwale mithetho kamasipala kanye neminye imithetho yomkhandlu emayelana nomtapo wolwazi kanye nolwazi, le mithetho kamasipala yiyona eyosebenza.

UMkhandlu Kamasipala wase-Richmond, osebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, sifundwa ngokuhlanganyelwa nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo Zikamasipala, wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), lapha ushicilela iMithetho yawo Yezindawo Zomphakathi.

IMITHETHO KAMASIPALA YEZINDAWO ZOMPHAKATHI

ISAHLUKO 1

UKUHUNYUSHWA NEMIGOMO EQAVILE

Izincazelo

1. (1) Kule Mithetho Kamasipala, ngaphandle uma indikimba ikhomba okunye-

"**umdlalo wokunyakaza**" kusho nanoma yimuphi umdlalo wokuqinisa umzimba, umdlalo noma omunye ongadlalwa ngumuntu oyedwa nangaphezulu odlalelwa endaweni evulekile yomphakathi ngale kwendawo evele ibekelwe leyo nhloso, futhi engadala ukulimala kwabanye abasebenzisa indawo evulekile yomphakathi, uhlupho noma ukucekeleka phansi kwemvelo noma impahla kamasipala ekuleyo ndawo yomphakathi evulekile futhi kuhlanganisa ibhola lombhoxo, igalofu, ukunemba ngomnsalo, ibhola lezinyawo, ithenisi, umdlalo ofana nethenisi, ihokhi, ibhola lezandla, ibhola lomphebezo, ukuntweza nge-skateboard kanye nokuntweza ngezicathulo ezinamasondo;

"**isisebenzi esigunyaziwe**" kusho nanoma yisiphi isisebenzi soMkhandlu esigunyazwe nguMkhandlu ukuba siphathe, siqalise ukusebenza kanye nokuqinisa izihlinzekelozale Mithetho Kamasipala;

"**ukongiwa kwendawo yomphakathi evulekile**" kusho indawo evulekile yomphakathi elawulwa nguMkhandlu noma egameni lawo ngezinhloso yokuthi yongiwe, futhi kuhlanganisa ukugcinwa kwemvelo, izindawo zomhlaba ovulekile ozungeze idolobha lapho kungavunyelwe ukuthi kwakhiwe khona, izihosha, izindawo zokugcina izinyoni kanye nezindawo zomlando , amagugu

ngobudlelwano phakathi kwezilwane, izihlahla nabantu noma amagugu abantu basendulo ;

"uMkhandlu" kusho uMasipala waseRichmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo masipala noma iKomidi Elilawulayo kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenzisa ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kanjalo nanoma yisiphi isikhulu esinikezwe nguMkhandlu amandla nomsebenzi maqondana nale mithetho kamasipala;

"uMthetho Wenqubo Yamacala Obugebengu" kusho uMthetho Wenqubo Yamacala Obugebengu we- 1977 (uMthetho No. 51 we- 1997);

"indawo eqokiwe" kusho indawo eqokwe nguMkhandlu njengendawo lapho kumele kudlalelwe khona umdlalo wokunyakazisa umzimba noma omunye umdlalo okungenzeka ungavunyelwa ngaphansi kweSahluko III sale Mithetho Kamasipala;

"isikhulu esiqinisayo" kusho nanoma ngubani oqokwe nguMkhandlu njengokufanele ukuba aqinise nanoma yisiphi isihlinzekelo sale Mithetho Kamasipala;

"imvelo" kusho amaphethelo okuhlala kuwo abantu futhi ahlanganisa-

(a) umhlaba, amanzi kanye nomkhathi womhlaba;

(b) impilo yamagciwane aphilayo, yezihlahla kanye neyezilwane;

(c) nanoma yiyiphi ingxenye noma inhlanganisela ka-(a) no (b) kanye nobudlelwano phakathi kwakho; kanye

(d) nezinto eziphathelene nomzimba, amakhemikhali, ezithinta ubuciko namasiko kanye nezimo zokwenzekayo okunomthelela empilweni kanye nenhlalakahle yabantu;

"ukusimama kwemvelo" kusho ukusebenzisa nanoma yimaphi amandla okuthatha izinqumo noma ukwenziwa kwanoma yimiphi imisebenzi ngendlela ehlose ukuqinisekisa ukuthi-

(a) ingozi yokulimala kwemvelo nokwempilo yabantu kanye nokuphepha kuncishiswa kuze kufike ezingeni lokuthi elifanele ezimweni ezithile;
(b) imihlomulo esemqoka emvelweni nasempilweni yabantu kanye nokuphepha ikhuliswa kuze kufike ezingeni elifanele ezimweni ezithile; futhi
(c) umthetho okuhloswe ngawo ukuvikela imvelo nempilo yabantu kanye nokuphepha uyalandelwa;

"umphakathi wendawo" kusho leso sigungu sabantu esihlanganisa-

(a) abahlali bendawo lapho indawo evulekile yomphakathi ikhona;
(b) abakhokhi bentela bendawo lapho indawo evulekile yomphakathi ikhona; kanye
(c) nanoma yiziphi izinhlangano zomphakathi nalezo ezingekho ngaphansi kukahulumeni nomaizinhlangano ezizimele kumbe izigungu ezibambe iqhaza ezindabeni zendawo endaweni lapho indawo evulekile yomphakathi ikhona;

"imenenja kamasipala" kusho umuntu oqokwe nguMkhandlu ngokwesigaba 82 soMthetho Wohulumeni Basekhaya Wezinhlaka Zikamasipala, we-1998 (UMthetho No. 117 we- 1998)

"impahla kamasipala" kusho nanoma yisiphi isakhiwo noma into okungeyoMkhandlu noma eyenganyelwe yiwo noma elawulwa egameni lawo futhi eyaye isetshenziselwe ukuzithokozisa njengendawo evulekile yomphakathi kanti ihlanganisa izakhiwo, izitolo ezincane, amabhentshi, amatafula

ephikhinikhi, amathuluzi asezinkundleni yezemidlalo, iziphethu, izithombe ezibaziwe, uthango, izigxobo, izaziso nezimpawu;

"isaziso" kusho isaziso esicacile nesifundekayo esisemthethweni esibhalwe nguMkhandlu ngesiNgisi kanye nanganoma yiluphi olunye ulimi olusemthethweni futhi esichonywe obala endaweni evulekile yomphakathi;

"uhlupho" kusho ukungenelela ngokungenasidingo noma okubukengeka sengathi ukungenelela -

(a) empilweni noma inhlalakahle yanoma ngubani;
(b) ekusebenziseni ngokuthokoza ngumnikazi noma ohlalayo kuleso sakhiwo sakhe; noma
(c) ekusebenziseni ngokuthokoza yilungu lomphakathi indawo evulekile yomphakathi;

"uhlaka lukaHulumeni" kusho-

(a) nanoma yimuphi uMnyango kaHulumeni noma ezokuphatha ezingeni likazwelonke, lesifundazwe noma lendawo kuhulumeni; noma
(b) nanoma yiyiphi induna ebekelwe umsebenzi othile noma inhlangano-

(i) esebenzisa amandla noma eyenza umsebenzi ngokoMthethosisekelo we-Riphabhulikhi yaseNingizimu-Afrika, we- 1996 (UMthetho No. 108 we-1996) noma uMthethosisekelo wesiFundazwe; noma
(ii) esebenzisa amandla obuhulumeni noma eyenza umsebenzi kahulumeni ngokwanoma yimuphi umthetho okhishwayo kodwa akufaki inkantolo noma isikhulu sezomthetho;

"umuntu" kusho umuntu phaqa noma umuntu ngokwamehlo omthetho, futhi kubandakanya nohlaka lukaHulumeni;

"imali enqunyiwe" kusho imali enqunywa nguMkhandlu izikhathi ngezikhathi ezinhlawulweni zentela yoMkhandlu;

"okushicilelwe" kuhlanganisa nanoma yisiphi isikhangiso, ibhodi lesikhangiso, iposta, incwadi, incwajana, ipheshana lolwazi;

"umdlalo ongavunyelwe" kusho nanoma yimuphi umdlalo noma indlela yokuziphatha engavunyelwe ngokweSahluko III ukuba yenziwe endaweni evulekile yomphakathi, kungaba ngokugcwele noma ngaphandle kwemvume ngokwesigatshana 22, 23 noma 24;

"indawo evulekile yomphakathi" kusho nanoma yimuphi umhlaba –

(a) okungowohlaka lukaHulumeni; noma
(b) lapho uhlaka lukaHulumeni lunamalungelo athile angempela attholakala kumafayela eHhovisi Lamatayitela noma kwelinye ihhovisi lokubhalisa lohlelo olwejwayelikile lwelokishi, inhlangano yezolimo kumbe enye ingxenye yomhlaba kumbe nanoma yikuphi ukuguqulwa, ukwengezwa noma ukuchitshiyela kwalowo mhlaba okuvunywe nguMklami Jikelele okwenziwe kwaba ngumaka emhlabeni umphakathi onelungelo elifanayo lokuwusebenzisa; futhi
(c) olawulwa uphinde uphathwe nguMkhandlu; futhi
(d) okungaba –

(i) ubekwe eceleni ngokwanoma yimuphi umthetho, uhlelo lwendawo kumbe uhlelo ngokobungako bendawo ngenhloso yokungcebelekisa umphakathi, ukongiwa,

ukufakwa kwengqalasizinda yomphakathi kumbe yezolimo; noma

(ii) ivulekile futhi ayithuthukiswanga futhi ayibekwanga eceleni ngenhloso ethile ngokwanoma yimuphi umthetho, uhlelo lwendawo kumbe uhlelo ngokobungako bendawo;

"indawo evulekile yomphakathi yomsebenzi womphakathi" kusho indawo evulekile yomphakathi eyenganyelwe nguMkhandlu kumbe eyenganyelwe egameni lawo ngezinhloso zokuhlinzeka ngemisebenzi yomphakathi, ehlanganisa ukugcinwa komgwaqo kanye nezindawo ngokufakelwa ugesi, amapayipi kanye naminnye imisebenzi yomphakathi yobugqili kodwa akuzifaki izindlu, imitholampilo kanye neminye imisebenzi yomphakathi;

" indawo evulekile yomphakathi yokungcebeleka" kusho indawo evulekile yomphakathi eyenganyelwe nguMkhandlu noma eyenganyelwe egameni lawo ngezinhloso zokungcebelekisa umphakathi kanti ihlanganisa amapaki, izingadi zezithombo, izinkundla zemidlalo kodwa ayizifaki izinkundla zegalofu;

"umgwaqo ogciniwe" kusho leyo ngxenye yomgwaqo, isitaladi noma umgwaqo omkhulu, owakhiwe noma okuhloselwe ukuhamba kwezinto ezigijimayo ephakathi konqenqema lwendlela noma leyo ngxenye yongwaqo, yesitaladi noma indlela yabantu, kubandakanya indlela eseceleni komgwaqo noma unqenqema;

"ohlinzeka ngemisebenzi" kusho umuntu noma isikhungo kumbe nanoma yiyiphi inhlanganisela yabantu nezikhungo ezihlinzeka ngomsebenzi kamasipala ngokoMthetho Wezohulumeni Basekhaya Wezinhlelo Zikamasipala, we- 1998 (UMthetho No. 32 we- 1998);

"umcimbi oyisipesheli" kusho ukuviliyela, inhlabaluhide, umjaho, ikhonsathi, umbukiso, idili, umgubho, ukuthwetshulwa kwebhayisikobho, ukuthwetshulwa kwezithombe noma umcimbi ofanayo, odinga ukusetshenziswa ngokwehlukile kwengxenye yendawo yomphakathi evulekile ngaleyo nhloso;

"indawo evulekile yomphakathi yezolimo esedolobheni" kusho indawo evulekile yomphakathi eyenganyelwe nguMkhandlu noma eyenganyelwe egameni lawo ngezinhloso zelimo edolobheni;

"imoto" kusho into eyakhelwe kuphela ukuthi ihambe ngamasondo kodwa azifakiwe izihlalo ezihamba ngamasondo kanye nezihlalo eziphushwayo zezingane;

"udoti" kusho nanoma yini noma into umnikazi afisa ukuyilahla ngoba engasayidingi, isiningi ngokweqile, yephukile, igugile, ibolile kumbe yonakele ngandlela thile futhi okungaba kade ilahliwe noma kade iqoqelwe ndawonye yagcinelwa ukuthi iyolahlwa, ibuye isetshenziswe, ibuyiselwe noma ibuye yakhiwe kabusha ukuze isebenze;

"okuntweza emanzini" kuhlanganisa nanoma yisiphi isikebhe, isikebhe sikaseyili, umatilasi ofuthwayo, okufana nomkhumbi noma isikebhe, isikebhe esilawulwa ngomsakazo noma into efana nakho;

"ibhaka lamanzi" kusho nanoma yiliphi ibhaka lamanzi elisendaweni evulekile yomphakathi futhi kubandakanya ixhaphozi elakhiwe, umthombo, umsele wamanzi owenziwe, idamu, ichibi, umsele wamanzi, ithange elikhulu lamanzi, umfudlana, umfula noma ixhaphozi lemvelo.

Ukusetshenziswa

2. **(1)** Le Mithetho Kamsipala isebenza kuzo zonke izindawo ezivulekile zomphakathi ezingena ngaphansi kwendawo eyenganyelwe nguMkhandlu, kodwa ayisebenzi ezindaweni zamathuna.

(2) Le Mithetho Kamasipala izibophelela kuHulumeni.

Inhloso

3. Inhloso yale Mithetho Kamasipala ukuhlinzeka, ngokuhlanganyela neminye imithetho esebenzayo, uhlaka lwezomthetho nezokuphatha olusebenza ngendlela efanele:

(a) ukuqinisekisa ukuthi indlela uMkhandlu olawula, uphethe futhi othuthukisa izindawo ezivulekile zomphakathi isimame ngokwemvelo, futhi iyohlala ithakaselwa ngumphakathi wonke wase-Richmond, kubandakanya nezizukulwane ezizayo, kanye

(b) nokuchaza ngokusobala amalungelo kanye nezibopho zomphakathi maqondana nezindawo ezivulekile zomphakathi.

ISAHLUKO 2

UKULAWULWA NOKUPHATHWA KWEZINDAWO ZOMPHAKATHI EZIVULEKILE

Imigomo

4. (1) Izindawo ezivulekile zomphakathi kumele zilawulwe, futhi uma kufanele zithuthukiswe, ukuze kuzuze wonke umphakathi, futhi ngokubhekisisa izintshisekelo zomphakathi wonke-

(a) izintshisekelo zesikhathi eside zabantu base-Richmond, naseNingizimu-Afrika, kumele zibekwe phambili kunezintshisekelo zanoma yiliphi iqembu noma umkhakha womphakathi;

(b) indlela yokubuka izinto zesikhathi eside, kubheisiswa izintshisekelo zesizukulwane esizayo, kumele yamukelwe, kanye;

(c) nezintshisekelo zanoma yini ephilayo encike endaweni evulekile yomphakathi kumele zibhekelelwe.

(2) Izindawo ezivulekile zomphakathi kumele zilawulwe ngendlela yokusimamisa imvelo.

(3) Kuya ngokwegatshana (5) kanye nesigaba 7, abantu kumele bakwazi ukufinyelela ezindaweni ezivulekile zomphakathi ngendlela engacwasi futhi nangokulingana.

(4) Uma kufanele, izinyathelo eziyisipesheli kumele zithathwe ukwelekelela ukufinyelela ezindaweni ezivulekile zomphakathi kwabantu ababencishwe amathuba phambilini kanye nabantu abakhubazekile.

(5) Ukufinyelela endaweni evulekile yomphakathi kungathibelwa ngendlela eneke yacwasa muntu noma izinga elithile labantu -

(a) uma ukuthibela kugunyazwe yile Mithetho Kamasipala noma ngomunye umthetho osebenzayo; noma

(b) ukuze kufezwe izinhloso zale Mithetho Kamasipala.

(6) Amathuba ezokungcebeleka, ezemfundo, awezenhlalakahle namanye avuleleke ezindaweni ezivulekile zomphakathi kumele avikelwe futhi akhuliswe ukuze kuthi imiphakathi yendawo, ikakhulu leyo miphakathi eyayincishwe amathuba endulo ibe nempilo esimeme neyenziwe ngcono.

(7) Imiphakathi yendawo kumele igqugquzelwe ukuba isebenzise futhi inakekele izindawo ezivulekile zomphakathi ezisezindaweni zayo.

(8) Ingcebo yendalo kanye namafa asezindaweni ezivulekile zomphakathi kumele kuhlonzwe, kongiwe, kuvikelwe futhi kusimamiswe ukuze kuhlomule umphakathi wendawo, umphakathi kanye nezizukulwane ezizayo.

Ukusetshenziswa kwemigomo

5. Imigomo yokulawulwa kwendawo evulekile yomphakathi ebekwe esigabeni 4, kanye nemigomo yokulawulwa kwezemvelo kuzwelonke ebekwe esigabeni 2 soMthetho Wokulawulwa Kwezemvelo kuZwelonke, we- 1998 (uMthetho No. 107 we- 1998) kumele ibhekelelwe futhi isetshenziswe ngunoma ngubani-

(a) osebenzisa amandla noma umsebenzi noma owenza umsebenzi ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala;

(b) ohlanganisa noma oqalisa ukusebenza kwanoma iyiphi inqubomgomo okungenzeka ukuba ibe nomphumela omkhulu noma emayelana nokusetshenziswa kwezindawo ezivulekile zomphakathi ezingaphansi kwendawo eyenganyelwe nguMkhandlu; noma

(c) osebenzisa amandla omphakathi noma umsebenzi noma owenza umsebenzi womphakathi okungenzeka ukuba ube nomphumela omkhulu, noma omayelana nokusetshenziswa kwezindawo ezivulekile zomphakathi.

Amandla jikelele

6. UMkhandlu maqondana nanoma iyiphi indawo evulekile yomphakathi -

(a) ungaqoka nanoma iyiphi indawo evulekile yomphakathi njengendawo lapho umdlalo owodwa noma eminingi ngandlela thile ungavunyelwe khona ngokwale Mithetho Kamasipala ukuba uqhutshwe khona, futhi ugxumeke isaziso esicacile salolu shintsho entubeni yokungena endaweni eqokiwe;

(b) ungathuthukisa nanoma iyiphi indawo evulekile yomphakathi ngokuhambisana nemigomo ebekwe esigabeni 4;

(c) ungagxumeka, wakhe, usungule noma ubhidlize isakhiwo sikamasipala; futhi

(d) ungasebenzisa nanoma yimaphi amanye amandla adingekayo ukuba kuchithwe izibopho zoMkhandlu nngokwale Mithetho Kamasipala eqondene nokulawulwa kwezindawo ezivulekile zomphakathi

Imali

7. UMkhandlu ungadinga ukuthi amalungu omphakathi ukuba akhokhe-

(a) imali enqunyiwe elingene ukuze asebenzise izikhungo zokungcebeleka noma ezinye uMkhandlu ozihlinzekayo ezindaweni ezivulekile zomphakathi;

(b) imali enqunyiwe elingene yokungena ezindaweni ezivulekile zomphakathi okubiza kakhulu ukuzigcina zisesimweni kunezinye ezifana nezingadi zezimbali;

(c) imali enqunyiwe yelungelo lokuqhuba umcimbi oyisipesheli;

(d) imali enqunyiwe yelungelo yokusebenzisa ngokukhethekile impahla kamasipala ngesikhathi esithile;

(e) imali eyisibambiso ngaphambi kokuqhuba umdlalo ongavunyelwe;

(f) imali yaminyaka noma yanyanga zonke yelungelo lokusebenzisa indawo evulekile yomphakathi yezokulimo esedolobheni kungafakwa omunye umuntu; kanye

(g) nemali enqunyiwe yokucubungula izicelo zezimvume noma izincwadi zezimvume ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala.

Ukuthibela ukungena

8. UMkhandlu ungathibela ukungena kunoma iyiphi indawo evulekile yomphakathi noma kunoma iyiphi ingxenye yendawo evulekile yomphakathi ngesikhathi esithile-

(a) ukuvikela nanoma yiyiphi ingxenye yemvelo esendaweni evulekile yomphakathi;

(b) ukunciphisa ukucekelwa phansi nokucoboshiswa kwempahla;

(c) ukwenza ngcono ukuphathwa kwendawo evulekile yomphakathi;

(d) ukuthuthukisa indawo evulekile yomphakathi;

(e) ukwenza ukuba kuqhubeke umcimbi oyisipesheli ovunyelwe ngokwesigaba 23, noma

(f) ukuqhuba nanoma yimuphi umdlalo uMkhandlu owubone ufanele noma ulungele ukufeza izinhloso zale Mithetho Kamasipala.

Inqubo uma kusetshenziswa amandla

9. Uma amalungelo noma okulindeleke ngokusemthethweni kwanoma ngubani kuyothinteka ngandlela thile ngokusebenzisa koMkhandlu nanoma yimaphi amandla ngokwezigaba 6, 7 no 8 ngaphambi kokusetshenziswa kwamandla uMkhandlu kumele-

(a) unikeze isaziso sohlelo lokuphatha oluhlongoziwe, leso saziso kumele-

(i) sishicilelwe kwiGazethi yesiFundazwe nasephephandabeni elizungeza endaweni noma ezindaweni ezizothinteka ngqo ngohlelo lokuphatha oluhlongozwayo ;

(ii) sifake isitatimende esicacile sohlelo lokuphatha oluhlongozwayo;

(iii) sicele ukuphawula kanye neziphikiso esikhathini esithile esibekiwe.

(b) ubhekelele ukuphawula nokuphikisa okutholakele maqondana nesaziso.

Amandla abasebenzi abaphoqelelayo

10. Maqondana nanoma iyiphi enye indawo evulekile yomphakathi, isikhulu esiqinisayo -

(a) singakhipha isaziso ngokwesigaba 341 soMthetho Wenqubo Yamacala Okwelelesa;

(b) sikhiphe isaziso ngaphansi kwesigaba 21;

(c) siyalele nanoma ngubani ukuba aphume endaweni evulekile yomphakathi uma isikhulu esiqinisayo sikholwa ukuthi lowo muntu akahambisananga nanoma yisiphi iisihlinzekelo sale Mithetho Kamasipala; futhi

(d) sisebenzise nanoma yimaphi amanye amandla angasetshenziswa yisikhulu sokuthula ngaphansi koMthetho Wenqubo Yamacala Okwelelesa.

Izibopho maqondana nezindawo ezivulekile zomphakathi

11. (1) UMkhandlu kumele endaweni evulekile yomphakathi uchome nanoma yisiphi isaziso esidingeka ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala.

(2) Maqondana nezindawo ezivulekile zomphakathi zokungcebeleka, uMkhandlu kumele-

(a) uqinisekise ukuthi zivuleleke emphakathini kusuka ekuphumeni kwelanga lize liyoshona, ngaphandle uma kubalulwe ngenye indlela ngokwesaziso; futhi

(b) uchome ngokugqamile izaziso kuzo zonke izintuba zokungena ezikhombisa:-

(i) izikhathi zokuvulwa nezokuvalwa kwaleyo ndawo evulekile yomphakathi yokungcebeleka, kanye

(ii) nanoma yimiphi imithetho eyenziwe maqondana naleyo ndawo evulekile yomphakathi yokungcebeleka.

ISAHLUKO 3

UKUZIPHATHA OKUNGAVUMELEKILE

Imidlalo engavumelekile

12. (1) nanoma ngubani oqhuba umdlalo noma ukuziphatha ngendlela engavumelekile ngaphansi kwezigaba 13 kuya ku-20 wenza icala ngaphandle uma lowo mdlalo noma ukuziphatha okukhulunywa ngakho-

(a) kwenzeka endaweni eqokiwe lapho lowo mdlalo uvunyelwe khona;

(b) kugunyazwe ngokwemvume enikezelwe noma imvume ekhishwe ngaphansi kwezigaba 22, 23 noma 24; noma

(c) kucatshangwa ukuthi kugunyazwe nguMkhandlu ngaphansi kwesigatshana (2).

(2) Kuya ngokwesigatshana (3) umuntu kucatshangwa ukuthi unemvume yokuqhuba umdlalo ongavunyelwe uma lowo muntu edinga ukuqhuba umdlalo ongavunyelwe-

(a) ukwenza izibopho zakhe njengesisebenzi, umelekeleli noma usonkontileka osebenza ngaphansi kwenkontilaki yoMkhandlu, ngaphansi kwesivumelwano noma kobuthunywa boMkhandlu noma ukufeza izinhloso zalo mthetho kamasipala;

(b) ukuqhuba imisebenzi yomphakathi njengesisebenzi, umelekeleli noma usonkontileka osebenza ngaphansi kwenkontilaki yohlaka lukaHulumeni endaweni evulekile yomphakathi kuya ngokomsebenzi wobugqila womphakathi ovuna uhlaka lukaHulumeni;

(c) ukufeza imisebenzi yakhe njengesikhulu esigunyaziwe ukuqalisa ukusebenza kwale Mithetho Kamasipala; noma

(d) ukufeza imisebenzi yakhe njengesikhulu sokuthula.

(3) Akukho muntu okucatshangwa ukuthi unemvume yokuqhuba umdlalo onavunyelwe ngaphansi kweSigaba 13 (1) (a) (e) noma (f) noma umdlalo uMkhandlu owale waphetha ukuwuvumela.

Okuvamile

13. Akukho muntu okuyothi endaweni evulekile yomphakathi-

(a) enze ngendlela enobungozi empilweni noma empahleni;

(b) aphule izihlinzekelo zanoma yisiphi isaziso esikunoma iyiphi indawo evulekile yomphakathi;

(c) angene ngokungemthetho endaweni evulekile yomphakathi lapho ukungena kuyo kunezithibelo ngokwesigaba 8;

(d) adale uhlupho;

(e) aziphathe ngendlela engahloniphi noma ecasulayo, noma

(f) athikameze nanoma yisiphi isisebenzi esigunyaziwe esisebenzisa amandla aso ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala.

Ukusebenzisa

14. Akukho muntu okuyothi ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi kaMasipala, endaweni yomphakathi evulekile -

(a) ageze, ahambe emanzini angashoni noma abhukude kumbe ahlambe, ahlambe isilwane noma enye into, kuhlanganisa nezingubo zokugqoka kunoma iliphi ibhaka lamanzi;
(b) atshuze , agwedle, aqhube, noma alawule nanoma yini esasikebhe kunoma yiliphi ibhaka lamanzi; ????
(c) enze, aphembe noma athungele umlilo, ngaphandle uma kusendaweni emiselwe ukosa;
(d) akhempe noma ahlale kunoma iyiphi indawo evulekile yomphakathi;
(e) aphuze, aphise, agcine noma adayise nanoma yisiphi isiphuzo esiwutshwala;
(f) asebenzise nanoma yimuphi umshini womsindo, kuhlanganisa umsakazo, i- hi-fi ephathwayo noma umsakazo wemoto;
(g) adlale umdlalo wokuqinisa umzimba, ngaphandle uma kusendaweni eqokelwe leyo nhloso, ezinkundleni zezemidlalo noma enkundleni yegalofu;
(h) adubule ngento ecijile yanoma yiluphi uhlobo, noma
(i) agibele ihhashi noma isithuthuthu.

Udoti

15. Akukho muntu okuyothi endaweni evulekile yomphakathi –

(a) ashiye, alahle, achithe nanoma yimuphi udoti, ngaphandle uma efaka emgqonyeni ohlinzekwe nguMkhandlu ngaleyo nhloso; noma
(b) angcolise noma ashiye nanoma yimuphi udoti noma into ngendlela engaba nobungozi emanzini

Izimoto

16. Akukho muntu okuyothi endaweni evulekile yomphakathi-

(a) ngaphandle ngezikhathi ezithile kanye nasemigwaqweni noma ezindleleni ezinqunywe nguMkhandlu ashayele, adonse noma aqhube nanoma iyiphi imoto;
(b) ashayele, adonse noma aqhube imoto ngesivinini eseqe emakhilomitheni ayi-10 ngehora; noma
(c) apake imoto endaweni evulekile yomphakathi.

Izilwane nezimila

17. (1) Kuya ngokwesigatshana (2), akukho muntu endaweni evulekile yomphakathi okumele -

(a) athikameze, alimaze, acekele phansi noma asuse nanoma yiziphi izimila;
(b) atshale nanoma yiziphi izimila;
(c) ashintshe ukwehlela noma ukuma komsele ukuze aphazamise ukufinyelela kwamanzi, komoya noma izikhuthazi kunoma yisiphi isihlahla;
(d) abambe, noma azame ukubamba, ajahe, adubule, alimaze, ajikijele izinto, agcone, ahlukumeze noma nganoma iyiphi indlela athikameze nanoma iyiphi inhlanzi, inyoni noma isilwane;
(e) athikameze, alimaze noma acekele phansi nanoma isiphi isidleke senyoni noma amaqanda;
(f) ahambe, aphathe, agibele noma alethe isilwane ngaphandle uma leso silwane kuyinja eqeqeshelwe ukuhola umuntu okhubazeke ngokungaboni futhi ibe iphelezela yena, noma
(g) anamathisele kumbe abeke kunoma yisiphi isihlahla into ebhaliwe.

(2) Izihlinzekelo zezigatshana (1) (a) no (b) azisebenzi kunoma ngubani othole imvume ngokwesigaba 24 ukuba aqhube imisebenzi yezolimo endaweni yomphakathi evulekile yezolimo esedolobheni.

Impahla kamasipala kanye nokumiswa kwezakhiwo

18. (1) Ngokwesigatshana (2), akukho muntu okuyothi endaweni yomphakathi evulekile -

(a) one, alimaze, acekele phansi noma asuse nanoma iyiphi impahla kamasipala;
(b) athikameze ingaphezulu lanoma yimuphi umhlaba okungaba ngukumba noma ngokwenza nanoma yimuphi umsebenzi onjalo;
(c) amise, akhe noma axhume nanoma yisiphi isakhiwo kuhlanganisa indlwana, itende, isihenqo, ibhodi lombiko, isigxobo, isitende noma isiteji;
(d) anamathisele noma abeke kunoma iyiphi impahla kamasipala, noma asabalalise nanoma yini ebhaliwe; noma
(e) afake, agange nganoma iyiphi into yamapayipi amanzi, kagesi eshisayo noma okuxhunywe kunoma iyiphi indawo evulekile yomphakathi.

(2) izihlinzekelo zesigatshana (1) (b) azisebenzi kunoma ngubani othole imvume ngokwesigaba 24 ukuba aqhube imisebenzi yezolimo endaweni yomphakathi evulekile yezolimo esedolobheni.

Ukudayisa kanye nemicimbi eyisipesheli

19. (1) Akukho muntu okuyothi endaweni evulekile yomphakathi ngaphandle uma evikelwe yiphuzu s22 lale mithetho kamasipala-

(h) asebenzise impahla kamasipala ngendlela evimbela ngokwenzelela noma evimbela abanye abayisebenzisi bendawo evulekile yomphakathi ukuba bathakozele ukusebenzisa leyo mpahla kamasipala; noma

(i) adayise, ahambe ethengisa, anikezele noma akhangise nganoma yiyiphi impahla, edayiswayo noma eqashisayo;

(2) Akukho muntu ongenza umcimbi oyisipesheli, ngaphandle kwemvume ngokwesigaba 23.

Umsebenzi Womphakathi

20. Akukho muntu okuyothi endaweni yomphakathi evulekile aqhube nanoma yimuphi umsebenzi womphakathi noma wokuvolontiya wanoma yiluphi uhlobo.

Ukubuyiselwa noma ukususwa kwezaziso

21. (1) Ngaphandle uma imvume yokwenza njalo itholakele ngaphansi kwezigaba 22, 23 noma 24, isikhulu esiqinisayo singakhipha isaziso sokubuyisela noma sokususa sibhekiswe kunoma ngubani okuthe endaweni evulekile yomphakathi-

(a) walimaza, wona, wathikameza, wacekela phansi, washabalalisa noma wasusa izitshalo noma isakhiwo sikamasipala;

(b) wagxumeka, wakha noma waxhuma isakhiwo, noma

(c) washiya, walahla, waphonsa nanoma yimuphi udoti endaweni engesiwo umgqomo kadoti ohlinzekelwe leyo nhloso nguMkhandlu.

(2) Ukubuyiselwa noma ukususwa kwesaziso kungayalela umuntu esikhathini esifanele esibalulwe esazisweni ukuba athathe isinyathelo esifanele esishiwo:

(a) ukuba abuyisele noma aphindisele esimweni indawo ethintekile kuze kugculiseke uMkhandlu; noma

(b) asuse isakhiwo noma into bese eyibuyisela esimweni indawo ethintekile ngendlela ethi ayifane ncamashi nesimo sayo sakuqala.

ISAHLUKO 4

IZICELO ZOKUGUNYAZWA

Isicelo semvume

22. (1) nanoma ngubani ofuna ukuqhuba umdlalo ongavunyelwe kumele afake isicelo ngokubhalela uMkhandlu acele imvume yokwenza njalo.

(2) UMkhandlu, emva kokuthola isicelo, ungacela ofake isicelo ukuba ahlinzeke ngolwazi olwengeziwe okuyothi uMkhandlu uludinge ukuze wamukele isicelo.

(3) UMkhandlu ungenqaba ukubheka isicelo kuze kube uhlinzekwa ngolwazi oludingayo ukuze ukwazi ukuthatha isinqumo esiphusile futhi uma imali enqunyiwe seyikhokhiwe.

(4) Kuya ngokwezigatshana (2) no (3), uMkhandlu kumele ubhekele isicelo ngesikhathi esifanele futhi kungenzeka:-

(a) usenqabe isicelo, noma

(b) unikeze imvume ngokubhala phansi kuye ngokwanoma yimiphi imibandela uMkhandlu oyibona ifanele ukuze kufezezwe izinhloso zale Mithetho Kamasipala,

engafaka ukukhokhwa kwemali eyisibambiso kanye/ noma nemali ebiziwe.

(5) UMkhandlu ungangenika imvume kunoma ngubani ozoziphatha ngendlela engavumelekile ngaphansi kwesigaba 13 (1) (a); (e) no (f).

Ukufakwa kwesicelo semvume yomcimbi oyisipesheli

23. (1) Isicelo semvume sokwenza umcimbi oyisipesheli endaweni yomphakathi evulekile kumele senziwe okungenani kusasele amasonto amathathu ngaphambi kosuku oluhlongoziwe lomcimbi oyisipesheli.

(2) Isikhathi okukhulunywe ngaso esigatshaneni (1) singancishiswa uma kukuhle emehlweni oMkhandlu.

(2) Isicelo kumele siqukathe ulwazi olulandelayo-

(a) igama nemininingwane ephelele yokuxhumana yofake isicelo (kuhlanganisa igama, inhlangano (uma ikhona), ikheli, izinombolo zocingo nezefeksi kanye nekheli le- imeyili (uma likhona);

(b) uhlobo nenhloso yomcimbi oyisipesheli;

(c) umgudu ohlosiwe noma indawo ehlongozelwe ukuba isetshenziselwe umcimbi oyisipesheli, kanye

(d) nezimvume, uma zikhona, ezidingeka ngaphansi kweSahluko III sale Mithetho Kamasipala.

(3) Ngokwanoma yimiphi imibandela yemvume ebekwe nguMkhandlu, umnikazi wemvume yomcimbi oyisipesheli unelungelo lokusebenzisa indawo evulekile yomphakathi ebaluliwe emvumweni kodwa kungafakwa muntu omunye ngesikhathi esibaluliwe emvumweni.

Isicelo semvume yokulima endaweni yomphakathi evulekile yezolimo esedolobheni

24. (1) isicelo semvume yokulima endaweni yomphakathi evulekile yezolimo esedolobheni kumele siqukathe ulwazi olulandelayo-:

(a) igama nemininingwane ephelele yokuxhumana yomfakisicelo (kuhlanganisa igama, inhlangano (uma ikhona), ikheli, izinombolo zocingo nezefeksi kanye nekheli le- imeyili (uma likhona);

(b) uhlobo lomsebenzi wezolimo ofake isicelo ahlongoza ukuwuqhuba; kanye

(c) ubungako kanye nesizinda sendawo lapho ofake isicelo efisa ukuqhuba khona umsebenzi wezolimo ohlongoziwe.

(2) Imvume ngaphansi kwalesi sigaba ingafuna ukuthi umnikazi wemvune akhokhe imali yonyaka noma yenyanga ngokusebenzisa umhlaba.

(3) Umnikazi wemvume yokulima endaweni esedolobheni, kuya ngokwanoma yimiphi imibandela esemvumweni, angasebenzisa indawo evulekile yomphakathi ebalulwe emvumweni ngezinhloso zokulima okungabandakanyi nanoma yimuphi omunye umuntu.

ISAHLUKO 5

IZIVUMELWANO ZOKUPHATHA NGOKUBAMBISANA

25. (1) UMkhandlu ungangena esivumelwananeni esibhalwe phansi nanoma yiluphi uhlaka lukaHulumeni, umphakathi wendawo noma inhlangano ukuba uhlinzeke –

(a) ngentuthuko yobambiswano yanoma iyiphi indawo yomphakathi; noma

(b) ngokuphathwa ngokubambisana kwanoma iyiphi indawo evulekile yomphakathi; kanye

(c) nangokulawula imisebenzi yabantu esendaweni evulekile yomphakathi.

(2) UMkhandlu angeke ungene esivumelwananeni sokuphatha ngokubambisana maqondana nendawo yomphakathi evulekile ngaphandle uma ukholelwa kahle ekutheni ukungena esivumelwananeni sokuphatha ngokubambisana kuzokhuphula inhloso yale Mithetho Kamasipala.

(3) UMkhandlu kumele uqaphe ukusebenza ngendlela kwesivumelwano sokuphatha ngokubambisana ngokufeza izinhloso okwakungenelwe zona futhi ungasihoxisa isivumelwano emva kokunikeza isaziso esifanele kolunye uhlangothi uma uMkhandlu unesizathu sokukholwa ukuthi isivumelwano sokuphatha ngokubambisana asisebenzi ngendlela, noma sivimbela ukuzuzwa kwenhloso yale Mithetho Kamasipala.

ISAHLUKO 6

IMIYALELO YOKONGIWA KWEZIHLAHLA

Okuvamile

26. (1) Uma uMkhandlu ukholwa ukuthi nanoma yisiphi isihlahla noma iqoqo lezihlahla ezisendaweni evulekile yomphakathi sidinga ukuvikelwa ngokomthetho, uMkhandlu ungakhipha umyalelo wokongiwa kwesihlahla maqondana naleso sihlahla noma iqoqo lezihlahla.

(2) Umyalelo wokongiwa kwesihlahla:-

(a) kumele ukhombise isihlahla noma izihlahla okuqondiswe kuzo; futhi

(b) ungahlinzeka ngokuthi nanoma ngubani onquma, ophazamisa, ocekela phansi, osusa, othutha, othuthela emazweni angaphandle, othenga, odayisa, onikela noma nganoma iyiphi indlela othola noma olahla isihlahla noma izihlahla okuqondiswe kuzo, waphula umthetho.

(3) UMkhandlu kumele ugxumeke ngokugqamile isikhangiso sekhophi yanoma yimuphi umyalelo wokongiwa wesihlahla onikeziwe bude buduze nesihlahla noma izihlahla okuqondiswe kuzo.

Inqubo

27. Ngaphandle uma, ngokombono ofanele woMkhandlu, ukukhishwa komyalelo wokongiwa kwesihlahla kudingeka ngokushesha okukhulu, uMkhandlu kumele ngaphambi kokukhipha umyalelo wokongiwa kwesihlahla ngaphansi kwesigaba 26-

(a) unikezele ngesaziso sokuhlongoza ukuvikelwa kwesihlahla noma iqoqo lezihlahla bese ucela ukuphawula kanye nokuphikisa esikhathini esibaluliwe ngokushicilela isaziso kwiGazethi yesiFundazwe nasemaphephandabeni amabili asendaweni isihlahla noma iqoqo lezihlahla likhona;

(b) wazise nanoma yiziphi izinhlaka zikaHulumeni ezithintekayo, futhi

(c) ubhekelele ukuphawula kanye neziphikiso ezitholakele kuphendulwa isaziso.

ISAHLUKO 7

IZIKHALO

28. (1) Umuntu obona amalungelo akhe ehlukumezeka ngesinqumo esithathwa nanoma yisiphi isisebenzi esigunyaziwe ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala, angafaka isikhalo ngesinqumo ngokunikezela ngesaziso esibhaliwe sesikhalo kanye nezizathu kumenenja kamasipala esikhathini esiyizinsuku ezingama- 21 kusuka osukwini lokwaziswa ngesinqumo.

(2) Imenenja kamasipala kumele ihambise masinyane isikhalo kusiphathimandla sezikhalo esifanele esibalulwe esigatshaneni (4).

(3) Isiphathimandla sezikhalo kumele sibhekisise isikhalo, futhi siqinisekise, sehluke noma sichithe isinqumo kodwa lokho kwahluka noma lokho kuchithwa angeke kulehlise izinga lamalungelo okungenzeka ukuthi aqongeleleke ngenxa yesinqumo.

(4) Uma isikhalo siphikisana nesinqumo esithathwe-

(a) yisisebenzi kungesiyo imenenja kamasipala, imenenja kamasipala kuba yiyo eyisiphathimandla sezikhalo; noma

(b) yimenenja kamasipala, imeya elawulayo kuba yiyo isiphathimandla sezikhalo.

(5) Isiphathimandla sezikhalo kumele siqale ukusebenza ngesikhalo emasontweni ayisithupha futhi sithathe isinqumo ngesikhalo ngesikhathi esifanele.

ISAHLUKO 8

IZIHLINZEKELO EZIVAMILE

Amacala nezinhlawulo

29. (1) Nanoma ngubani-

(a) ophikisana noma ohluleka ukuhambisana nanoma yiziphi izihlinzekelo zale Mithetho Kamasipala

(b) ohluleka ukuhambisana nanoma yisiphi isaziso esikhishwe ngokwale Mithetho Kamasipala noma

(c) ohluleka ukuhambisana nanoma yimuphi umyalelo osemthethweni onikezwe ngokwale Mithetho Kamasipala noma

(d) othikameza kumbe ovimbela nanoma yisiphi isisebenzi esigunyaziwe ekwenzeni imisebenzi yaso ngaphansi kwale Mithetho Kamasipala,

uyotholwa enecala futhi uyohlawuliswa inhlawulo engeqile ezi-R2000 noma agqunywe ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyi-12.

Ukushayisana kwemithetho

30. Uma kunokushayisana phakathi kwale mithetho kamasipala kanye nanoma yimiphi eminye imithetho kamasipala yoMkhandlu maqondana nezindawo zomphakathi, le mithetho kamasipala yiyona ezosetshenziswa.

No. 127 **1 kuLwezi 2010**

UMkhandlu Kamasipala wase-Richmond, osebenza ngaphansi kwegunya lesigaba 11, sifundwa ngokuhlanganyelwa nesigaba 98 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wezinhlelo Zikamasipala, wezi- 2000 (uMthetho No. 32 wezi- 2000), lapha ushicilela imithetho kaMasipala Yezinto Eziwuhlupho.

IMITHETHO KAMASIPALA YEZINTO EZIWUHLUPHO

1. Izincazelo

Kule mithetho kamasipala, ngaphandle uma ingqikithi ikhomba okunye:

"isisebenzi esigunyaziwe" kusho noma yisiphi isisebenzi soMkhandlu esigunyazwe nguMkhandlu ukuphatha, ukuqalisa ukusebenza, kanye/noma ukuqinisa izihlinzekelo zale mithetho kamasipala.

"UMkhandlu" kusho uMasipala wase-Richmond kanye nabalandela emva kwawo ngokomthetho, futhi kubandakanya uMkhandlu walowo masipala noma iKomidi Elilawulayo kumbe nanoma yiluphi uhlaka olusebenzisa ngokwamandla eliwanikwe ngokomthetho, kanjalo nanom a yisiphi isikhulu esinikezwe nguMkhandlu amandla nomsebenzi maqondana nale mithetho kamasipala;

2. ISithikamezo Sokuthula

2.1 Akukho muntu okumele aphazamise ukuthula komphakathi kunoma iyiphi indawo yomphakathi ngokwenza imisindo engafanele noma ngokumemeza, ngokuphikisana noma ngokuxabana, ngokushaya ihutha yemoto noma ngokudlalela phezulu umculo, noma ngokuqoqa isixuku noma ngokulwa kumbe ukucela inselele yokulwa, noma ngokubhikisha ngokusongela noma ngokusebenzisa induku noma esinye isikhali ngendlela esabisayo, noma yikuphi ukuziphatha okunesiphithiphithi, ubudlova noma ukuziphatha okungafanele, noma yingasiphi isikhathi, emini noma ebusuku.

2.2 Kuya ngokuthi itholakele yini imvume yoMkhandlu ngaphambi kwesikhathi, akukho muntu oyokhangisa nanoma iyiphi impahla yokuthengisa noma imisebenzi kunoma iyiphi indawo yomphakathi esebenzisa isikhulisazwi esisaphondo kumbe

enye into efana nalokho noma ngokukhalisa izinsimbi ngendlela ezoba wuhlupho emphakathini ongomakhalwane.

2.3 Akukho muntu ongaphakathi kumbe okunoma yimaphi amagceke omnikazi, oyophazamisa ukuthula komphakathi ongomakhelwane balawo magceke ngokwenza nanoma yimuphi umsindo ongafanele ukumemeza, ukuqagulisana ngamagama, ukuxabana noma ukucula kumbe ukudlalwa kwezimfijoli okuqhubekayo, umsakazo noma okufana nalokhho kumbe ukusebenzisa izikhulisimsindo okuqhubekayo, noma okufuze lokho

2.4 Noma yimuphi umhlabeleli noma umculi ohamba izindawo eculela endaweni yomphakathi, uma ecelwa yinoma yisiphi isikhulu esigunyaziwe kumele asuke kuleyo ndawo eseduze.

2.5 Akukho muntu oyoqhumisa iziqhumane kumbe okhele noma yiluphi uhlobo lomlilo kunoma yiyiphi indawo yomphakathi, ngaphambi kokuthola imvume ebhaliwe eMkhandlwini.

2.6 Akukho muntu oyoqhumisa isibhamu noma isibhamu somoya ngokungemthetho endaweni kaMasipala, ngaphandle uma lo mthetho kamasipala ungeke usebenze kunoma ngubani oyobandakanyeka ezenzweni ezisemthethweni ezindaweni ezihlelelwe lokho noma kunoma ngubani onikezwe nguMkhandlu imvume ebhalwe phansi ukuba enze lokho.

2.7. (1) Akukho muntu oyophatha nanoma luhlobo luni lommese, inkemba kumbe esinye isikhali esiyingozi noma esibulalayo kunoma iyiphi indawo yomphakathi, ngaphandle uma lo mthetho kamasipala ungezukusebenza kulokhu okulandelayo:

(a) Nanoma yimuphi umuntu osebenza embuthweni waMasosha noma waMaphoyisa uma esemsebenzini.

(b) Nanoma yisiphi isikhulu sezokuvikela noma sezamaphoyisa.

(c) Nanoma ngubani osuke ethole ushwele ngokubhalwe phansi emaphoyiseni maqondana nokusebenza kwalo mthetho kamasipala, amaphoyisa kuphela anegunya lokukhipha lowe

ushwele

(2) Akukho muntu ohlome ngezikhali ezibulalayo oyovunyelwa ukuhlanganyela kunoma iyiphi ingxenye kamasipala nganoma yiyiphi inhloso noma ngendlela okubonakala ingaphazamisa ukuthula.

2.8. Akukho muntu oyosebenzisa nanoma yiyiphi inhlobo yolimi oluhlambalazayo noma olusongelayo kunoma iyiphi indawo yomphakathi kumbe enze nanoma yisiphi isenzo esibonakala singaphazamisa ukuthula.

3. Amacala uma eqhathaniswa Nokuziphatha kahle kanye Nesimilo

3.1. Akukho muntu oyokwenza nanoma yisiphi sokungaziphathi kahle kumbe akhombise ukuba ngumdlwembe noma enze into ezomveza ubuluhlaza bakhe kunoma iyiphi indawo yomphakathi.

3.2. Akukho muntu okumele abhale, ashicilele kumbe adwebe nanoma yinhloboni yamagama kumbe imifanekiso ehlambalazayo kunoma iyiphi indawo yomphakathi odongeni, esicabheni, efasiteleni kumbe kunoma iyiphi ingxenye yamagceke asemehlweni omphakathi kumbe asebenzise ulimi oluhlambalazayo kunoma iyiphi indawo yomphakathi lapho ezozwiwa khona ngabanye abantu.

4. IZindawo Zomphakathi

4.1 Akukho muntu oyolahla udoti kunoma yimuphi umgwaqo noma indlela yezinyawo, okungenzeka ukuthi ibeke engozini ukuphepha kwabahamba ngezunyawo nganoma iyiphi indlela kumbe ingcolise isimo sendawo.

4.2 Akukho muntu oyovumela nanoma iyiphi impahla noma enye into, noma ngabe ngeyakhe noma uyibhekile ukuba ihlale kunoma yimuphi umgwaqo noma indlela yezinyawo ngendlela ezophazamisa kumbe idale isiphithiphithi endleleni yabantu isikhathi eside kunaleso esimiselwe ukulayisha nokwehlisa futhi akukho lapho okuyothi emva kokuba esenikwe isaziso yisikhulu sezokuvikela noma samaphoyisa kumbe isikhulu esigunyaziwe esinxusa ukuba ayisuse aqhubeke.

4.3 Akukho muntu oyobeka ngenhloso yokuthengisa nanoma yiziphi izinto, impahla kunoma yisiphi isitende noma insika eyesekile noma ilengele kunoma yiluphi unqenqema kumbe umgwaqo noma abeke lezo zimpahla kunoma yiluphi unqenqema noma indawo anamathisele kumbe agaxe lezo zimpahla kunoma yimuphi umpheme noma uphahla kumbe ilengele kunoma iyiphi indlela yezinyawo yomphakathi noma umgwaqo.

4.4 Akukho muntu oyoqhubeka kumbe abambe iqhaza kunoma yikuphi ukuhweba noma ukumemeza kumbe ukuvula, ukuqaqa impahla noma ukupakisha amakesi efenisha, empahla, izinto eziphathekayo noma izimpahla zokuhweba kunoma yisiphi isitaladi.

4.5 Akukho muntu oyoba nemvume yokuvula indali kunoma yisiphi isitaladi noma endaweni yokungena, efasiteleni kumbe kwenye indawo evulekile kunoma yisiphi isakhiwo esincikene nanoma yisiphi isitaladi ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yoMkhandlu futhi kuzoya ngezimo ezithile njengoba zibekwe kuleyo mvume.

4.6 Akukho muntu oyobeka kumbe ahlalise nanoma yini echithekayo, okusale kade kugawulwa uthango noma izihlahla noma izibi zasengandini kumbe ezinye izibi noma imfucuza yanoma yiluphi uhlobo kunoma yisiphi isitaladi noma unqenqema ngaphandle uma lokho kufakwe emabhokisini avumelekile noma ezitsheni ngenhloso yokuthi kuthuthwe yizisebenzi zoMkhandlu noma osonkontileka.

5. UKuqoqwa Kwemali

5.1 Akukho muntu noma inhlangano eyoqoqa noma izame ukuqoqa imali kumbe ivule indali yamakhekhe kunoma iyiphi indawo yomphakathi ngaphandle kokuthola imvume ebhalwe phansi yoMkhandlu.

5.2 UMkhandlu ungenqaba noma unikezele ngemvume yawo ngaphansi kwaleyo mibandela njengokokunquma koMkhandlu

6. Ukuba khona kwezihlahla, amagatsha noma amahlashana endaweni ngokungemthetho

6.1 Akukho muntu, kungaba ngumnikazi noma ohlalayo kumbe nanoma yisiphi isakhiwo esincikene nanoma yisiphi isitaladi kumbe indlela yezinyawo okumele avumele noma yisiphi isihlahla, igatsha noma ihlashana okumile kulawo magceke ukuthi kulengele noma kwenabele kuleso sitaladi noma endleleni yezinyawo ngendlela engavimbela noma engenza umphakathi ungakhululeki noma engathintana kumbe okungenzeka ithintane nanoma yinhloboni yocingo, isigxobo noma umsebenzi womphakathi kulowo mgwaqo kumbe indlela yezinyawo, noma ukuvumela izimpande zaleso sihlahla noma ihlashana ukuba zikhule ngendlela yokuthi zidale noma okungenzeka zidale umonakalo endaweni engaphezu kwendlela yezinyawo noma umgwaqo noma umsele wamanzi, ipayipi lokuchitha indle, ipayipi elikhulu lamanzi, amakhebula angphansi komhlaba, namapayipi afakwe ngaphansi komhlaba kuleyo ndlela yezinyawo noma womgwaqo.

6.2 Umnikazi noma ohlalayo kulawo magceke kuyothi uma ethola isaziso esisayinwe yiMenenja Kamasipala simcela ukuthi azinqume noma azisuse lezo zihlahla, noma ihlashana noma izimpande esikhathini esichaziwe futhi uma lowo mnikazi noma ohlalayo ehluleka ukuhambisana nokushiwo yisaziso esikhathini esichazwe, uMkhandlu ungayalela ukuba lezo zihlahla noma ihlashana noma izimpande zinqunywe noma zisuswe, futhi ungabuyisa izindleko zokwenziwa kwalowo msebenzi kumnikazi noma lowo ohlalayo.

7. Amacala kanye Nezigwebo

Noma ngubani o-

7.1 wephula noma ohluleka ukuhambisana nezihlinzekelo zale mithetho kamasipala kumbe nanoma yimuphi umbandela, umgomo okhishiwe;

7.2 vimbela, obambezela, ophazamisa noma ohlupha kumbe ongenelela emsebenzini wesikhulu noma isisebenzi soMkhandlu lapho sisebenza noma sisebenzisa amandla aso ngaphansi kwale mithetho kamasipala; noma

7.3 bangela noma ovumela nanoma ngubani ukuba enze nanoma yisiphi isenzo okukhulunywe ngasoo uyotholwa enecala futhi uyohlawuliswa imali engeqile e-R1000 noma kuthi uma ehluleka ukukhokha leyo nhlawulo ayinikiwe, avalelwe ejele isikhathi esingeqile ezinyangeni eziyishumi nambili.

8. **Ukuphikisana kwemithetho**

Uma kukhona ukuphikisana kule mithetho kamasipala neminye imithetho yoMkhandlu emaqondana nezinto eziwuhlupho, le mithetho kamasipala iyona eyosetshenziswa.

Printed by and obtainable from the Government Printer, Bosman Street, Private Bag X85, Pretoria, 0001
Publications: Tel: (012) 334-4508, 334-4509, 334-4510